# UWILLIAM BRANHAM

## *UMprofethi Uvakashela eNingizimu Afrika*

ngu

JULIUS STADSKLEV

# Isanduleliso

Ukubhalwa kwalencwadi kunenhloso ekathathu. Kuqala, uDavide uyasitshela eHubweni 105 ukuthi sifanele “sizazise izenzo zakhe phakathi kwabantu.” UNkulunkulu wenza izenzo eziningi ezinkulu nezimangalisayo eNingizimu Afrika ngenkonzo yeQembu likaBranham. O, ngamazwi okuzwakalisa lokho Akwenza eNingizimu Afrika lezozinyanga ezedlula ezaba-ntathu zika 1951. Kodwa ikhono lobuntu, ngisho neledlula konke, belingeke neze lachasisa ngokugcwele izibonakaliso nezimangaliso uNkulunkulu azenza phakathi kwethu. Omunye umbhali, enza umbiko ngeminye yemihlangano, wathi, “Umuntu angafanele abe namazwi angesiwo awemvelo yasemhlabeni ukuzwakalisa inkonzo engesiyo eyemvelo yasemhlabeni yeNkosi phakathi kwabantu.”

Njengoba nginibhalela ngalokho engakubona uNkulunkulu ekwenza eNingizimu Afrika, ngizizwela sengathi umbhali wazizwela kanjalo ngenkathi ezama ukuchaza uthando lukaNkulunkulu futhi kuphela wayengathi:

> “Ukuba thina ngoyinki besingagcwalisa ulwandlekazi,
> Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshwa kulo;
> Ukuba sonke isiqu emhlabeni sasilusiba,
> Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi;
> Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
> Lungamunca ulwandlekazi lome;
> Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha konke,
> Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.”

UDavide wayembonile uNkulunkulu esebenza phakathi kwabantu baKhe futhi njengoba adlinza ngalokhu sonke esinye isisho sakhe sasingukuthi “ngokuba umusa wakhe umi phakade” (iHubo 136). Lo “phakade” ufakiwe osukwini lwethu nasonyakeni. Yebo, umusa waKhe umi phakade. Umi kusomabhizinisi othuthuke kunabobonke edolobhakazini laseNingizimu Afrika elikhulayo. Umi kowomdabu oyize ukubedlula bonke esabelweni esibandlululayo eAfrika.

Isikhathi esaba ngesokuqala iphimbo elingesilo elemvelo yasemhlabeni ukuba likhulume noMfowethu Branham lavela esivunguvungwini. Lena yindlela efanayo iNkosi eyakhuluma ngayo noJobe, lowokhokho omdala weminyaka yasekuqaleni, ngokwesahluko samashumi amathathu-nesishiyagalombili. Kuningi kakhulu okufanayo okungejwayelekile phakathi kwempilo nenkonzo kaWilliam Branham naleyo yabaprofethi beTestamente eliDala ukuthi kungebekhona kungabaza kunoma yimuphi umqondo oqotho ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu njengoElija nje, uElisha, uIsaya, uJeremiya nabobonke, balabo akade baziwa njengabaprofethi bakaNkulunkulu.

Ngokwazi-ke ukuthi ngempela uNkulunkulu wenza izenzo ezimangalisayo eNingizimu Afrika, efakazisa futhi ukuthi umusa waKhe umi phakade futhi usebenza ngomprofethi osukwini lwethu—lokhu kubhalelwe u—"kwazisa izenzo zaKhe phakathi kwabantu."

Ngendlela esuka eGoli iya eKlerksdorp iQembu likaBranham lalihamba ngezimoto ezimbili ezehlukene. Kwenye indawo sama ukuba ke sithathe ithuba lokubuka ubuhle bokubukwa. Lapho ngiphuma emotweni uMfu. A. J. Schoeman, uSihlalo weKomiti likaZwelonke, weza wayesethi uMfowethu Branham ubefisa ukukhuluma nami. Emva kokubonisana ngokuphawula okumbalwa nabanye abathile lapho, uMfowethu Branham waphendukela kuMfowethu Bosworth nami. Wasitshela ukuthi ingelosi yeNkosi yayimtshele ukuthi umbiko ufanele ubhalwe omaqondana nemihlangano eNingizimu Afrika nokuthi kwakungumthwalo wami ukuba ngenze lokhu. Kanjalo, endaweni yesibili, lombiko ubhalwe ngokwesicelo sengelosi yeNkosi.

Inhloso yesithathu yokubhalwa kwalencwadi ngukuthi uNkulunkulu angahle akwazi ukukhuluma nawe ngayo. Lapho ufunda okunye kwezinto ezisemqoka zempilo yasekuqaleni kaWilliam Branham nesiphiwo esisebenza ngaye, sengathi nawe futhi ungaqonda ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu. Ngakho-ke, umlayezo awulethayo awuveli kumuntu kodwa kuNkulunkulu, "Yena othethelela zonke izono zakho; owelapha zonke izifo zakho" (iHubo 103:3).

Njengoba ufunda inkonzo uqobo sengathi ungathatha amaqiniso aye enhliziyweni yakho qho futhi ubize izinto uNkulunkulu azikhokhele inani elikhulu, ukufa kweNdodana yaKhe ezelwe yodwa.

Kwangathi izimfakazo zingaba yisibonelo esiphilayo nogqozi kuwe ukuba umkholwe uNkulunkulu. Imithetho kaNkulunkulu yomhlaba wonke yakhe ukukholwa kuYe ukuba kube ngamandla amakhulu ukwedlula onke ezweni lonke.

Akusikhona ukwethamela izinkonzo zikaMfowethu Branham, akusikhona ukuthola ikhadi lokukhulekelwa elenza ukuba umuntu angene emgqeni womkhuleko, akusikho ukukhulekelwa yinoma yimuphi umuntu okuletha ukuphulukiswa komphefumulo wakho noma ukuphulukiswa komzimba wakho. Kungukwemukela uKristu kuphela nomsebenzi waKhe osuqediwe eKalvari, ukwemukela izethembiso zaKhe nokubambelela kuzo ngokukholwa okungangabazi. Esenze lokhu—

> "Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
> Konke kungenzeka,
> Kholwa kuphela."

UJesu wathi, "Angishongo yini kuwe, ukuthi, uma ukholwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu na?" (UJohane 11:40.)

# Okuqukethwe

IKHASI

Isanduleliso ........ iii

*Isahluko 1*

Ubani UWilliam Branham ........ 1

*Isahluko 2*

Iziphiwo Zokuphilisa Nokunye ........ 39

*Isahluko 3*

Wayivakashelelani UWilliam Branham Iningizimu Afrika? ... 50

*Isahluko 4*

Inkonzo Uqobo ........ 54

*Isahluko 5*

Imibiko Evela Eningizimu Afrika ........ 73

*Isahluko 6*

Izimfakazo ........ 160

# Ubani UWilliam Branham?

UWilliam Branham wazalelwa epulazini eduze kwaseBurkesville, eKentucky, akukude nendawo lapho uAbraham Lincoln azalelwa khona cishe ekhulwini leminyaka ngaphambili. Akekho onesiqiniseko ngosuku ngoba akukho marekhode okuzalwa eyegcinwa eKentucky ngalezozinsuku. Nokho, kukholelwa ekutheni wazalwa ngosuku lwesithupha luka-Apreli 1909 futhi wayesinda kuphela amaphawondi ayi 5. Unina wayeneminyaka eyi 15 ubudala noyise wayene 18.

Osukwini lokuqala lwempilo yakhe kukhona okuthize okungejwayelekile okwenzekayo. Emva kokuba umbelethisi esemgezile futhi wambeka ngakunina waya efasiteleni ukuyovula isivalo sefasitela.

Kwakungekho zingilazi emafasiteleni endlini yakwaBranham ngalezozinsuku futhi umoya nokukhanya kwakubakhona ngokuvulwa nokuvalwa kwezivalo zamafasitela. Ukusa kwase kuqala nje ukusa phezu kwamasimu, kuthumela imisebe yokukhanya embalwa ingena endlini. Kanye nalokhu ukukhanya kwangena ukukhanya okuyindingilizi encane okuthi akube yifidi isiyingi okwakhombisa inkazimulo phezu kombhede lapho umama nengane belele khona.

Lendingilizi yokukhanya selokhu kwasukela lapho ibibonwa yizinkulungwane zabantu futhi ayingabazeki yiyo leyo ekhombisa esithombeni esathwetshulwa eHouston, eTexas, emkhankasweni kaJanuwari 1950. Umbiko walesisithombe esithwetshuliwe nekhophi efotostatiwe yezinkulumo-mbiko ezenziwa nguGeorge Lacy, U.S. umhloli wemibhalo yobufakazi obungatshazwayo, uzotholakala ekupheleni kwalesisigaba. Ngenkathi umbelethisi nabazali bebona lendingilizi yokukhanya baqala ukukhala; babesaba futhi babengaqindi ukuthi konke kwakuchaza ukuthini. Abaqondanga kwaze kwathi eminyakeni eminingi kamuva baqonda labo ababazi ngendingilizi yokukhanya baqonda ukuthi uNkulunkulu isandla saKhe sasiphezu kwalendoda mayelana nenkonzo enkulu kubantu bomhlaba.

Inkolo kunoma yisiphi isimo yayinganakwa emndenini wakwaBranham. Umkhulu wakhe wayekade eyiKatolika kodwa unina noyise kungathi babengacabangi ngobuKristu. Kodwa ngenxa yesehlekalo esingejwayelekile esenzeka ekuzalweni kwakhe, unina wamyisa eBandleni iBaptisti ababakhelene nalo. Lokhu kwakungukuvakasha kwakhe kokuqala ukuba aye esontweni futhi nokokugcina iminyaka eminingi.

Ekuqaleni kwekwindla lika 1909 iKentucky yehlelwa ngesinye seziphepho zayo zeqhwa ezimbi kunazo zonke. Ngalesisikhathi uyise kaWilliam Branham wayengekho eyosebenza enkanjini yokusika izingodo lapho engatholanga khona-sizo ngenxa yalesisiphepho esikhulu. Masinya ukutholakala kokudla nezinkuni zokubasa ekhaya labo kwaqala ukushoda. Unina wayephumela phandle futhi angenise noma yini ayengayithola ukuba ayibase ukuze avimbele ukuba umntwana kanye naye bangabulawa amakhaza. Babengenakho neze ukudla okwenele ababenakho futhi lapho ukudla kwabo okuncane sekuphelile, wayezwa ukuthi amandla akhe ayemshiya. Usizo kwakufanele lufike masinya uma bezophila. Ekugcineni wababuthakathaka kakhulu ngangokuthi wabona ukuthi uma ephumele phandle ukuyofuna ezinye izinkuni wayengahle angabe esakwazi ukubuya.

Wathatha ingane wayisongisisa wase eyibeka embhedeni, eselinde ukuba kufike ukufa futhi kubathathe bobabili. Babezofa ukuba akubanga ngenxa yomakhelwane wabo omdala olungileyo owakhathazeka ngokumangala mayelana nabakhona ekhaya. Esehlola, wathola ukuthi kwakungekho-ntuthu eyayiphuma kushimula. Nakuba iqhwa lalijulile, indoda esikhulakhulile yahamba yaya endlwaneni ephansi nje yezingodo eshayelwe ngamapulangwe ayizingcwecwe futhi yathola ukuthi umnyango wawukhiywe ngaphakathi. Yabona ukuthi kufanele ukuthi ukhona umuntu ongaphakathi futhi ingaboni-phawu lokufudumala endlwaneni yezingodo, yagqekeza yangena.

Yethuswa yilokhu eyakubonayo ngenkathi ingena. Umama wayeseseduze kokuthi afe ngenxa yamakhaza nokubulawa yindlala. Yakhulekela ukuba uNkulunkulu abasindise izimpilo zabo futhi angavumeli lomama osemncane nomntwana ukuba bedlule ezweni ngalendlela. Ngokushesha yatheza izinkuni zokubasa futhi yahlala lapho yaze yaba nomlilo osuvutha kahle owathi ngokushesha wafudumeza ikhaya elincane elinamakamelo amabili. Okulandelayo, yalondoloza ukudla kukamama nomntwana futhi masinya base belulama.

Akubanga isikhathi eside emva kwalokhu umndeni wakwaBranham wathutha waya eUtica, eIndiana, kwase kuthi ngonyaka olandelayo bathuthela epulazini elingamamayela amahlanu ngaphandle kwaseJeffersonville, eIndiana, amamayela amabili ukusuka lapho akhe khona manje. Impilo yakhe yasekuqaleni yaphawulwa wusizi olwesabekayo, ubumpofu nokungaqondi.

Ezinye zezikhumbuzo ezisobala zasebusheni bukaWilliam Branham zimaqondana nobumpofu ababephoqeleka ukuphila kubo. Uyise wayesebenzela umlimi owayecebile esebenzela amasente angamashumi ayisikhombisa-nozuka ngosuku.

Ukhumbula embona efika ekhaya iyembe lakhe linamathele ezilondeni zokushiswa yilanga emhlane wakhe ngangokuthi unina wadingeka athathe isikelo alisike lixebuke. Ikhaya labo eliphansi nje laliyindlwana yezingodo enamakamelo amabili ingagandayiwe phansi nosinki wasekhishini ungaphandle ngaphansi kwesihlahla sama apula egcekeni.

Isikhathi sokuqala uNkulunkulu akhuluma ngokuzwakalayo kuWilliam Branham kwaba ngenkathi eseneminyaka ecishe ibe yisikhombisa ubudala. Wayesanda kungena nje esikoleni sasemaphandleni amamayela ambalwa ngasentshonalanga yeJeffersonville, eIndiana. Wafika ekhaya evela esikoleni ngaleyontambama futhi wayehlose ukujoyina bonke abanye abafana ekudobeni. Kodwa lapho uBranham omncane esezohamba, uyise wambiza futhi wamtshela ukuthi uzohamba ayothwala amanzi omshini wakhe kagologo ongekho emthethweni. Lokhu kusobala kwaba ngukudumala kuye ngoba njengomfana wayekuthanda kakhulu ukuzingela nokudoba. Kodwa wazi ukuthi njengoba uyise emtshele ukuba athwale amanzi, wayefanele enze njengoba etsheliwe.

Esathwele amanzi, wama ukuba aphumule phansi kwesihlahla esidala somphophula phakathi nendawo nje phakathi kwendlu nenqolobane. Masinya, wezwa umsindo womoya uvunguza emaqabungeni. Waqalaza futhi wabona ukuthi kwakuthule, libalele, kulusuku olufudumele. Elalelisisa, waqaphela ukuthi endaweni ethize, cishe kulingana nomphongolo, umoya wawubonakala sengathi uvunguza phakathi kwezihlahla. Ngaleyonkathi nje iphimbo lavela esihlahleni lithi, “Ungalokothi uphuze, ubheme noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela, ngokuba Nginomsebenzi wakho ozowenza nxashane usukhullie.”

Lokhu kwamesabisa futhi wagijima waya ekhaya. Ekhala, wawela ezingalweni zikanina owacabanga ukuthi wayeshaywe yinyoka. Wamtshela ukuthi wayesaba nje futhi akamtshelanga ngomoya ovunguzayo emaqabungeni noma ngephimbo. Unina wambeka embhedeni ecabanga ukuthi wayegululiswa ukwethuka kwemizwa. Kwakuthi uma kunokwenzeka akugweme ukuhamba eduze kwalesosihlahla, ekhetha okungcono ukuhamba agege ngakwelinye icala lengadi.

Emavikini amabili kamuva lapho edlala ezingwini zoMfula iOhio, wabona umbono. Waqaphela into kuye eyabonakala iyibhuloho likhuphuka ngasohlangothini lwaseKentucky lomfula, lawelela eIndiana. Lapho ibhuloho likhula libheke ngase Indiana, wabona amadoda alishumi nesithupha ewa ebhulohweni angena emanzini. Waya ekhaya wafike watshela unina mayelana nalokhu kodwa wathi kade elele futhi waba nephupho. Kodwa uWilliam Branham omncane wazi ukuthi wayekade engalele noma ephupha. Nokho akazange akuqonde ayekubonile.

Emva kweminyaka engamashumi amabili-nambili iBhuloho likaMasipala lakhiwa phakathi kweLouisville, eKentucky, naseJeffersonville, eIndiana, phezu kwayo impela lendawo. Phakathi nokwakhiwa kwebhuloho, amadoda alishumi nesithupha alahlekelwa yizimpilo zawo. UNkulunkulu wayekhuluma kuyo insizwa futhi eyibekela isisekelo ukuba ibe nokukholwa ezintweni uNkulunkulu ayezoyikhombisa zona eminyakeni ezayo.

Wayenakho ukuzwa kweqiniso lokuthi ukhona umuntu owayeseduze kwakhe owayebonakala njalo ukuthi wayefuna ukukhuluma naye, kodwa yena, exwayiswe ngunina ngenkolo yokukhonza imimoya yabafileyo namandla amademoni, wayesaba futhi ehlala njalo ezama ukungakunaki.

Ukwenezela ubuhlungu nosizi ebumpofini, uyise waba yisidakwa. UWilliam ukhumbula ukuthi wayeya kanjani esikoleni futhi engakaze neze abe nalo iyembe ayengaligqoka. Ukhumbula ukuthi esikoleni wayehlala kanjani abuke abanye abantwana ababenezingubo zokugqoka futhi waqala ukubona ukuthi uphuzo emndenini wakubo lwase luntshontshe izidingo zokuphila.

Wafunda ngoAbraham Lincoln, owathi njengensizwa wehla esikebheni ezansi eNew Orleans futhi wabona abantu abangabelungu bethengisa endalini ngeNigro elalizimukile, belehlukanisa nomndeni walo. Umkalo nomntwana babelapho bekhala, lapho indoda ithengiswa sengathi yayiyihhashi. ULincoln wakubona ukuthi lokhu kwakuyiphutha futhi wafunga ukuthi ngelinye ilanga uyokwenza okuthize ngakho ngisho noma kungabiza impilo yakhe.

Ngendlela efanayo uWilliam Branham omncane wahlala lapho esikoleni futhi wacabanga ngobumpofu umndeni wakubo owawubuzwa ngenxa yophuzo. Wathi lokhu kwakuyiphutha futhi wayezokwenza okuthize ngakho ngelinye ilanga, ngisho kungambiza impilo yakhe. Akakasikhohlwa isifungo sakhe, ngokuba ngisho nakulolusuku usakwenza futhi uyoqhubeka enze konke angakwenza ukukhanyisela abantu ngomphumela wokulinyazwa wuphuzo nogwayi.

UWilliam Branham uxoxa ngesikhathi lapho uthisha wakhe, uNkk. Temple, embuza ukuthi wayengalikhumuli ngani ibhantshi lakhe esikoleni. Akakwazanga ukumtshela ukuthi wayengenalo iyembe, ngakho wamtshela ukuthi wayegodola. Wathi, “Kulungile-ke, wela uhlale ngasemlilweni.” Kusobala wayefanele enze njengoba emtshelile, ngakho wawela wase ehlala ngasesitofini. Lapho wafudumala okwedlula ukwenza, futhi nakuba umjuluko wawehla ngomhlane wakhe, wayelokhu engakalikhumuli ibhantshi lakhe. Akakuqondanga futhi wambuza ukuthi

wayengakafudumali yini, lapho aphendula khona, "Qha, Mem." Ekugcineni wagcina esebona ukuthi wayesengenwa umkhuhlane, ngakho wammukisa ekhaya.

Noma kungamkhathazanga ukuya ekhaya esuka esikoleni, akakwazanga ukuzibamba wavele wakhala. Ukuze afihle iqiniso lokuthi wayengenalo iyembe njengabanye abantwana, wayeqambe amanga kuthisha wakhe ngokumtshela ukuthi wayegodola. Ekugcineni walithola iyembe. Iyembe elenziwe ngelokwe elidala elalishiywe omunye wabazala bakhe ekhaya kubo. Wasika ingxenye yesiketi kodwa kwakulokhu kungabukeki njengeyembe kangako. Abanye abantwana bamhleka, bethi wayegqoke ilokwe lentombazane. Waphinda futhi waqamba amanga ethi, "Qha, angigqoke lona. Leyo yisudu yami yaseNdiya." Kodwa abamkholwanga futhi waya ekhaya ekhala.

ULloyd, abafunda naye eklasini, wathengisa iPhephabhuku iPathfinder. Ekuthengiseni leliphephabhuku wajoyina lokhu ababekubiza ngamaVulandlela eLone, futhi wazithengela inyumfomu yenhlangano. Kwakungesikhathi seMpi yokuQala yoMhlaba futhi amanyumfomu ayedume kakhulu. UWilliam Branham omncane impela wayeyincoma leyosudu yamavulandlela njengoba wayehlala efuna njalo ukuba njengesosha. Kusobala, wayengenalo iyembe, kungconywana ukuthola isudu yamavulandlela. Ngakho wabuza umngane wakhe, "Lloyd, uma isigugile leyo uyongipha yona na?" Wathi, "Impela, ngiyokupha yona, Bill."

Walinda walinda, kodwa noma umfana wayehlala eyigqoka njalo isudu, ayibonakalanga neze ifuna ukuguga. Ekugcineni wabona ukuthi uLloyd wayengasayigqoki isudu ngakho wayicela. Ngalesisikhathi umngane wakhe wase ekhohliwe ukuthi wayemethembise ukumupha isudu nonina wase eyisikile wenza ngayo amapheshi. Into kuphela ayengayithola eyayisele esudwini yamavulandlela kwase kuyigomazi elilodwa futhi ngakho uBranham omncane wamcela lona.

Walithatha waya nalo ekhaya waligqoka. Lamenza wazizwa enokuziqhenya ngoba lesi kwase kuyisona siqephu kuphela sento yokugqoka ayenayo eyayinokufana naleyo yesosha. Wazicabanga ukuthi ngempela manje wase eyisosha langempela ngoba wase egqoke igomazi elilodwa. Wayefuna ukuligqoka esikoleni kodwa engazi ukuthi wayengakwenza kanjani abantwana bangamhleki futhi. Ngakho wanquma ukwenza indaba yokuthi umlenze wakhe wawulimele futhi wayesebenzisa igomazi njengebhandishi. Nokho, lapho efika esikoleni abantwana abamkholwanga. Baphinda bahlekisa ngaye; waphinda waya ekhaya ekhala.

UMgqibelo wawulusuku olusemqoka kakhulu kubo bonke abasekhaya kwaBranham. Kwakulusuku ababezocela ukugibela

ngalo uKootsie, umnyuzi omdala, phezulu enqoleni yezingodo ehamb'igodlozela futhi uMnu. noNkk. Branham nabobonke oBranham abancane babezongena enqoleni futhi bahambe baye edolobheni. Lapho babethola khona ukudla kwabo kwamaviki onke kwegrosa nendoda yegrosa yayihlala njalo ibapha isaka lamaswidi ayiphephamente labantwana abahlanu.

Uyise wayefanele ahlale eqaphele njalo ukwehlukanisa loswidi ngokulinganayo impela, ukubalekela izinkinga, ngoba amehlo ayishumi alambile ayembhekisisa ngokunakekela. UWilliam Branham, omdala kuwo onke amadodana, wazejwayeza ukungawudli wonke uswidi wakhe ngoMgqibelo kodwa azibekele omunye wawo kuze kube yiviki elilandelayo lapho esezozenzela isivumelwano ngentengo nabanye babantwana. Ngokushintshanisana ngokukhotha okuthi akube kubili koswidi wakhe wayekwazi ukubathola bamsize emisebenzini emncane endaweni.

Uyise kaWilliam wayengumthengisi wotshwala obungekho emthethweni futhi wenza ugologo ongekho emthethweni epulazini. Ngelinye iSonto ekuseni, eneminyaka eyishumi uWilliam Branham wayenoyise nomakhelwane ezansi ngaseMfuleni iOhio. Besahamba lapho ngasezingwini, uyise wakhipha ibhodlela ephaketheni lakhe elingemuva futhi, emva kokuba esephuzile, walinika umakhelwane wakhe. Umakhelwane waphuza wase elinika uWilliam uBranham omncane owathi, "Qha, mnumzane, ngiyabonga, angiphuzi." Umakhelwane waphendula emangele, "UBranham futhi indoda engumIrishi futhi awuphuzi?" "Qha, mnumzane!" wayelokhu egcizelela. Uyise waphendula ngokuthi, "Nginabafana abane nesitabane esisodwa," isitabane kunguWilliam owayesanda kwenqaba nje ukuphuza.

Lokhu kwasika kakhulu enhliziyweni yakhe ethambile, ngokuba wayephapheme futhi efisa ukwenza lokho okufanele. Lapha uyise uqobo wayesembize ngesitabane ngenkathi enqabe ukuhlanganyela ophuzweni, olwalukade lungumthombo wosizi nobumpofu ekhaya lakubo uqobo. Lokhu kwakungaphezu kokuba uBranham akubekezelele futhi wathi, "Nginike lelobhodlela futhi ngizokukhombisa ukuthi nginguBranham nokuthi ngingaphuza."

Walithatha ibhodlela futhi waqala ukulibeka emlonyeni wakhe. Lapho enzenjalo, wafika futhi umsindo womoya ojwayelekile. Wakhunjuzwa ngesikhathi ngenkathi ingelosi iqala ukukhuluma naye imtshela ukuba angalokothi abheme, aphuze, noma angcolise umzimba wakhe noma ngayiphi indlela ngokuba wayenomsebenzi ayezowenza nxashana esekhulile. Wayekade engacabangi ngalokhu futhi lapho ekuzwa, wesaba, waliwisa ibhodlela futhi waqala ukukhala. Uyise wathi, "Uyabo, ngikutshelile ukuthi uyisitabane."

Angahle ukuba wayeyisitabane emehlweni ezwe kodwa uNkulunkulu wayekhuluma naye umfana. UNkulunkulu wayemlondela into ethize enkulu esikhathini esizayo, into ngayo ayengezukuba wusizo kuphela komakhelwane bakhe nakubantu ababemazi kodwa usizo nesibusiso ezigidini zabantu umhlaba jikelele. Lesisehlo siyisehlo esidumaza inhliziyo kakhulu nesimunyu sempilo yakhe yasekuqaleni.

Ezizwa ukuthi wayengaqondwa futhi ehlushwa ukuzenyeza, wayengenabo abangane abaningi. Wayenamahloni kabi emantombazaneni futhi engawathandi. Abafana babebonakala bengamqondi. Esikhundleni sokuzihlanganisa nabantu, wayeqoka okungcono ukuthatha isibhamu sakhe nenja futhi aphume azingele. Isibonelo nje, abantu abasha abababakhelene naye babenqume ukumzuma ngokumenzela iphathi yosuku lokuzalwa kwakhe kodwa wakuthola ngakho. Engxenyeni yokuqala yakusihlwa kungakafiki-muntu, wathatha inja yakhe futhi waphuma wayozingela izilwane ezifana nebhere futhi akangabuya kwaze kwacishe kwaba yihora leshumi nqo. Wayecabanga ukuthi iphathi iyobe isiphelile ngalesosikhathi futhi wonke umuntu eseye ekhaya. Esikhundleni salokho wathola ukuthi wonke umuntu wayesekhona lapho bedlala imidlalo futhi ngokuchachile bezithokozisa. Lapho ebuka ngefasitela futhi wababona, wanquma ukuthi akafuni ukungena. Wayengazizwa esekhaya; wayengenakuzijabulisa lapho nalabobantu. Ngakho wanquma ukuphuma aye enqolobaneni futhi walala khona ubusuku.

Eseneminyaka eyishumi nane wayephumile ezingela futhi wehlelwa yingozi eyambangela ukuba alaliswe esibhedlela izinyanga eziyisikhombisa. Ngalesisikhathi iphimbo labuyela kuye izikhathi eziningi, kodwa wayelesaba njengoba unina wayemexwayisile ngenkolo yokukhonza imimoya yabangasekho nemimoya emibi. Ngoba wayelesaba leliphimbo wayehlala njalo enqaba ukulalela futhi enqaba ukuphendula. Kodwa uNkulunkulu wabhekana naye ngalezozinyanga ngenkathi esesibhedlela, ngisho naphezu kwaso sonke lesisikhathi wala futhi wenqaba ukulalela uNkulunkulu.

Ezinye izinsizwa zazizimatanisa namantombazane futhi ngokuchachile zizijabulisa kodwa uWilliam Branham wayebonakala nje engazijabulisi noma ngayiphi kuwo. Ekugcineni, ngenkathi eseneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, wakuthambela ukuba anqume usuku lokubonana nenye yezintombi. Lapho bephumile begibele behamba hamba, bama esitolo esincane esiyikhefi emaphethelweni edolobha. Wangena eyothenga uKhokhakhola namasemishi.

Esephuma wayifica lentombi ibhema, lentombi ayecabanga ukuthi yayiyintombi enhle kabi futhi yona lena ayethi

iyokufanela kakhulu ukumjabulisa. Kuye lokhu kwamethusa. Wayengacabangi ukuthi ikhona enye into embi engenziwa ngowesifazane kunokuphafuza usikilidi. Kwase kuthi-ke lapho engena emotweni, yathi, "Uyathanda ukubhema, Billy?" Wathi, "Qhabo, Nkosazana, angibhemi." Kulokhu yaphendula yathi, "Awubhemi? Usitshele ukuthi awuphuzi, awudansi futhi manje uthi awubhemi. Yini othanda ukuyenza?" "Awu," wathi, "Ngiyakujabulela ukuzingela; ngiyakujabulela ukudoba; ngiyakujabulela nje ukuphuma ngibe sehlathini." Intombi yahleka futhi yamgcona. Masinya abanye abafana bajoyina nabo kanye nezintombi ekubukeleni phansi okwakhe akuthandayo waphinda futhi wakhunjuzwa iqiniso lokuthi wayengenjengabo abanye abantu. Ekugcineni intombi yathi, "Awu, angikhathali ukuba ngumngane wesitabane." Lokhu wayengenakukumela ngoba lokhu kwakuyikho nje uyise ayembize ngakho ngalolosuku ezansi ngasemfuleni, lapho ayenqabe khona ukuphuza ugologo ongekho emthethweni. Ngakho wathi kubantu abasha, "Akekho ozongibiza ngesitabane, nginike lowosikilidi; ngizowubhema."

Wawuthatha usikilidi futhi wase ezowubeka emlonyeni wakhe ngenkathi ezwa lowomsindo ojwayelekile njengomoya uvunguza emaqabungeni. Kwaphinda futhi iphimbo lafika kuye lithi, "Ungalokothi uphuze, ubheme noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela, ngoba Nginomsebenzi wakho ozowenza nxashana usukhulile." Kulokhu waba nokwesaba futhi nje akangawubeka usikilidi emlonyeni wakhe. Azi ukuthi wonke umuntu wayezomhleka uma engabhemanga, waqhuma wakhala. Waphuma emotweni futhi waqala ukugijima ehla ngomgwaqo eya ngasekhaya kubo. Baqala ukushayela bemlandela, bemkhanyisa ngamalambu, futhi behleka futhi behlekisa ngaye. Lapho beqhubeka nokumlandela, wawushiya umgwaqo futhi waqala ukunqamula ensimini eya ngasekhaya. Wagijima ibanga futhi inqobo nje uma wayesakwazi.

Ekugcineni esephelelwe amandla, waphoqeleka ukuthi ahlale phansi. Lapha wakhala kakhulu enhliziyweni yakhe, futhi wafisa sengathi angafa ngoba wayengenjengabo abanye abantu. Abantu babengamqondi futhi wayengakwazi ukuzijabulisa kanye nabo. Lapho ehlezi lapho phezu kwedwala ekhala, wezwa kukhona umuntu owayeseduzane. Ekuqaleni wayesaba kakhulu ukuba aqalaze abuke. Ekugcineni lapho esebuka, akakwazanga ukubona-muntu nakuba wezwa impela ukuthi ukhona owayelapho esixukwini sezihlahla, cishe amafidi angamashumi amahlanu ukusuka edwaleni. Akaqondanga ukuthi kwakuyini ngalesosikhathi. Ngakho-ke wayengafisi kuphela ukuthi sengathi angafa kodwa wayesaba futhi. Waphinda futhi wadabula ensimini, ekhala futhi egijima ngejubane lakhe lonke.

Njengensizwa wayehlala njalo ephupha ngokuya entshonalanga. Wayehlala njalo elijabulela izwe elivulekile futhi kwakulapho, phandle endle nemvelo, ayechitha khona sonke isikhathi sakhe esimnandi. Ngakho ngenkathi eseneshumi nesishiyagalolunye wanquma ukuthi uzoya entshonalanga lapho mhlambe ayezokwazi khona ukuthola umsebenzi epulazini lezinkomo. Ngokunye ukusa ngoSeptemba watshela unina ukuthi wayezoba nohambo lokuya enkanjini eTunnel Mill, indawo ecishe ibe amamayela ayi 14 ukusuka eJeffersonville, lapho ayejwayele ukuhambela khona. Wamtshela lokhu, azi ukuthi uma emtshele ukuthi wayeya entshonalanga, wayezomncenga futhi amnxuse ukuba angahambi.

Akambhalelanga waze waba seArizona futhi wathola umsebenzi eduze kwasePhoenix. Eqinisweni waqonda ukuthi wayebalekela uNkulunkulu, kodwa wayengafuni ukukuvuma. Wayekujabulela ukuphila epulazini lezinkomo kodwa njengezinye izinjabulo kuye, igugu ngokushesha laphela futhi wayefisa sengathi ngabe wayesebuyele ekhaya.

Wayengakahlali isikhathi eside kakhulu entshonalanga ngenkathi ethola incwadi evela kunina imazisa ukuthi umfowabo uEdward wayegula kakhulu. Akakuthathanga ngokuthi kwase kunzima kangako ngoba kuze kube yilesisikhathi kwakungakaze kufe-muntu emndenini wakwaBranham wacabanga futhi ukuthi wayezolulama masinya futhi. Nokho, ezinsukwini ezimbalwa kamuva lapho esebuyela epulazini lezinkomo evela edolobheni, wanikwa inothi elalifundeka kanje, “Bill, phuma uye ngasedlelweni elingasenyakatho. Kusemqoka kakhulu.” Ngokushesha waphuma waya edlelweni futhi umuntu wokuqala ahlangana naye kwakungumphathi wepulazi omdala ababembiza ngoPop. UPop wayekhombisa ukudabuka ebusweni bakhe lapho azisa uWilliam Branham ukuthi wayemphathele izindaba ezimbi. Ngalesosikhathi imfolomane yenyuka futhi yamtshela ukuthi basanda kuthola izindaba zokuthi umfowabo uEdward useshonile. Lezizindaba zafika kuye ngokushaqisa kakhulu kuye lapho eqala ukubona ukuthi akasophinde futhi akwazi ukumbona umfowabo ephila.

Lapho emi lapho, izehlakalo zaqala ukuhamba phambi komqondo wakhe. Wayekade ephikisana noNkulunkulu; wayekwazi. Nokho uNkulunkulu wayekhuluma naye ngisho nangokufa komfowabo. Umcabango wokuqala owafika emqondweni kaWilliam Branham wawuyilowo wokuthi ngabe umfowabo wayesekulungele yini noma qha ukufa. Lapho eqalaza futhi ebuka ngaphesheya kwezinkangala, izinyembezi zagobhoza emehlweni akhe. Wayekhumbula ukuthi babekade besebenza kanjani ndawonye njengabafanyana nokuthi impilo yayikade iyimbi kanjani futhi ilukhuni kubo. Wayekhumbula

ukuthi babefunda kanjani esikoleni benganakudla okwenele emabhakedeni abo okudla kwasemini, bengenazingubo zokugqoka ezenele emihlane yabo, nezinzwane zabo ziphumele ngaphandle ezicathulweni zabo. Babegqoka amabhantshi amadala bawaqhase entanyeni yabo ngoba babengenamayembe. Wayekhumbula ukuthi ngelinye ilanga unina wayebaphe upepkhona umbila ogazingiwe emabhakedeni okudla kwabo kwasemini futhi efuna ukuqiniseka ukuthi uyayithola ingxenye yakhe, wayehambile wafike wawukha wagcwala isandla upepkhona umbila ogazingiwe ngaphambi kwedina.

Lapho emi lapho ebuka ngasempumalanga, ngaphesheya kwenkangala, waphinde wamangala. Ngabe umfowabo wayesekulungele nje ukufa na? Ukuba-ke bekunguye ofileyo, ubeyobe esekulungele na? Futhi wafanele aphinde azivumele yena ukuthi wayengakakulungeli futhi engakafuni ukuhlangabezana noNkulunkulu wakhe.

Isikhathi sokuqala lapho uWilliam Branham ekhumbula khona ngokuzwa ngomkhuleko kwakungesikhathi somngcwabo womfowabo. UMfu. McKinney waseBandleni lasePort Fulton wayephethe inkonzo yomngcwabo. Phakathi nenkonzo wathi, “Bangahle babekhona lapha abangamazi uNkulunkulu. Uma kunjalo, aniMamukeli ngani manje na?” Lokhu kwashaya ekhaya kuWilliam Branham, owayebuyele umngcwabo. Waqonda ukuthi wayengamazi uNkulunkulu.

Emva komngcwabo akabange esabuyela entshonalanga kodwa wathola umsebenzi eNkampanini yakwaPublic Service yaseIndiana. Emva kokusebenza nabo iminyaka emibili, ehlola amamitha esitolo samamitha emisebenzi yegesi eNew Albany, waxhilwa yigesi. Lokhu kwakungukuqala kokugula kwakhe okwamphoqa ukuba amemukele futhi amlalele uNkulunkulu. Wavakashela bonke odokotela ayebathola kodwa akekho owamphilisa. Ekugcineni wasiwa kudokotela oyisipesheli eLouisville, eKentucky, lapho atshelwa khona ukuthi ithumba elimila kupopopo wakhe lizodinga likhishwe. Ngokuthi wayengenazimpawu ezikhombisa ukuphathwa yi-apendayisitisi isifo esibangwa ukuvuvukala kwethunjana elilengayo esiswini, akakuqondanga lokhu, kodwa nokho bathi ukuhlinzwa kwakudingekile ukuze aphile.

Waphetha ngokuthi uma kwakudingekile kuye ukuba ahlinzwe, mhlawumbe wayegula kakhulu kunoma wayecabanga. Ngalesosizathu wayefuna umuntu owayezoba naye owayemazi uNkulunkulu. Ngakho wathumela ukuba kubizwe uMfundisi weBandla iFirst Baptisti owahlala lapho naye lapho eya egumbini lokuhlinzela. Ngaphambi nje kokuba baqale ukuhlinza, wazizwa ukuthi kwakukhula ngokushesha ukuba buthakathaka. Ukwesaba kwangena emqondweni wakhe

ukuthi wayengeke neze aphume kulokhu ukuhlinzwa kodwa ukuthi wayezobizwa ukuba ayohlangabezana noNkulunkulu wakhe, futhi waqonda ukuthi wayengakakulungeli. Okokuqala ngqa empilweni yakhe wabiza uNkulunkulu ukuba asize.

Masinya emva kokuhlinzwa wabona omunye umbono owawungukujika kwempilo yakhe. Wazibona esekujuleni kwehlathi elikhulu. Umsindo womoya namaqabunga akhwashazayo wawusondesondela usondesondela. Kuye wacabanga ukuthi kwakungukufa, kuzomlanda. O, wakhala kakhulu kuNkulunkulu ngoba wayengakakulungeli ukuhlangabezana noMdali wakhe. Umoya wasondela kakhulu futhi uzwakala kakhulu. Kwase-ke kubonakala sengathi wase ebuyele futhi ezinsukwini zakhe zobufana, emi lapho emgwaqaneni ophahlwe yimithi phansi kwalesosihlahla somphophula lapho aqala khona ukuzwa iphimbo likhuluma naye ngenkathi eseneminyaka eyisikhombisa ubudala. Laphinda futhi iphimbo lakhuluma, "Ungalokothi uphuze, ubheme noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela. . .Ngakubiza futhi awufunanga ukuhamba." Amazwi aphindwa kathathu. Wase ekhala uMnu. Branham, "Nkosi, uma kunguWe lowo, ngivumele ngibuyele emhlabeni futhi futhi ngizoshumayela iVangeli lakho kusukela ezicongweni zezindlu nasemakhoneni emigwaqo. Ngizotshela wonke umuntu ngalo."

Umbono waphela. Wazizwa eseqinile futhi waqonda ukuthi ukufa kwakungekho eduzane kodwa kunguthi wayezophila. Udokotela wayengakasuki esibhedlela ngoba wayefuna ukuhlola inqubekela phambili yesiguli sakhe. Ngenkathi ebona uWilliam Branham wathi, "Angisuye umuntu osontayo; umsebenzi wami mkhulu kakhulu anginaso isikhathi. Kodwa ngiyazi ukuthi uNkulunkulu umhambele lomfana." Kusobala udokotela wayezizwele ukuthi uWilliam Branham wayengeke asinde ngokuhlinzwa, kodwa akusikho kuphela ukuthi wayesinde ekuhlinzweni kukho kodwa wabonakala eya ngokuqina kakhulu futhi ephilile ekwelulameni kwakhe. Akukho-dokotela naWilliam Branham owakuqondayo. Ngiyakholelwa, nokho, ukuthi ukuba wayazi ngaleyonkathi akwaziyo manje, wayengeke adideke kodwa wayezothi kalula nje akuchaze kudokotela nabanye abaphathelene nakho.

Emva kwezinsuku ezimbalwa wakhishwa esibhedlela futhi wabuyela ekhaya. Wase-ke eqala ukufuna uNkulunkulu. Kukhuphuke njalo kuze kube yilesisikhathi wayekade engenakuqeqeshwa kwenkolo; wayengazi ukuthi utholwa kanjani uNkulunkulu, engalithathanga iZwi ngokuthi lisemqoka. Wayesuka kulelibandla aye kulelibandla, ezama ukuthola indawo ethize lapho khona amaKristu ayezomsiza khona futhi amlayele ukuthi kuxhunywana kanjani noNkulunkulu.

Ngobunye ubusuku ekhaya wamlambela kakhulu uNkulunkulu wayesaba ukuthi angeke aphile engaMtholanga. Engafuni kukhathaza-muntu endlini, waphuma waya eshede elidala lezingodo emva kwendlu futhi lapho wazama ukukhuleka. Wayengazi ukuthi kukhulekwa kanjani kodwa waphakamisela inhliziyo yakhe kuNkulunkulu futhi wakhala kakhulu ngamandla akhe onke. Masinya kwabonakala ukukhanya kuyisimo sesiphambano nephimbo lakhuluma kuye ngolimi angaluqondanga. Lase lihamba. Wesaba futhi wamangala lapho ethi, "Nkosi, uma kunguWe lona, ngicela ubuye futhi uphinde ukhulume nami." Ukukhanya kwabuye kwangena eshede. Lapho ekhuleka kwaphinde kwabonakala ngokwesithathu. Manje waqonda ukuthi wayehlangane noNkulunkulu. Wajabula; wabonga.

Waphakamisela inhliziyo yakhe kuNkulunkulu ngokubonga lapho egxuma futhi wagijima waya endlini sengathi wayegijima emoyeni. Unina wathi, "Bill, kwenzenjani kuwe na?" Waphendula, "Angazi, kodwa ngempela ngizizwa ngikahle." Kunokuhlala endlini lapho abantu babekhona, waphumela phandle lapho ayezoba yedwa khona noMngane wakhe omusha amtholile.

Wejwayelana noMfu. Ray Davis, uMfundisi weBandla leMissionary Baptisti, owayeyisibusiso esikhulu kuMfowethu Branham empilweni yakhe yobuKristu yasekuqaleni. Enye yezinto aqala ukuyiqonda yayingukuthi uNkulunkulu wayemfuna enkonzweni futhi ngakho wadingeka amphilise. Waya ebandleni elalikholelwa ekugcobeni ngamafutha futhi emva komkhuleko waphulukiswa khona lapho. Eqonda ukuthi abafundi babenento abefundisi besimanje ababengenayo, wacela uNkulunkulu ukuba amuphe lokho abafundi basekuqaleni ababenakho. Abafundi babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, baphilisa abagulayo, futhi benza izimangaliso ezinamandla ngeGama likaJesu. Waqala ukukhulekela uMoya oNgcwele. Cishe ezinyangeni eziyisithupha kamuva ngenkathi emukela umbhaphathizo, uNkulunkulu wakhuluma naye emtshela ukuba ashumayele iZwi futhi akhulekele abagulayo.

Emva kokuba uWilliam Branham esephendukele kuNkulunkulu futhi wasabela obizweni lukaNkulunkulu, yonke into yabonakala imhambela kahle. Wayejabule; wayekujabulela ukuhamba nabantu. Okokuqala empilweni yakhe wazizwa ukuthi wayengesuye umuntu owonakele emndenini, wayengesuye oxoshiweyo, nokuthi uNkulunkulu mhlawumbe wayekwazi ukuthatha lendaba yokuba umuntu ongenathemba futhi enze okuthize ngakho.

Phakathi nezinyanga eziyisithupha emva kokuphenduka kwakhe, amasu ayenziwa enkonzo yakhe yokuqala. Waqala imihlangano yamathende edolobheni lasekhaya kubo laseJeffersonville. Kwalinganiswa ukuthi

abantu abayizinkulungwane ezintathu bethamela inkonzo eyodwa nesibalo esikhulu saphenduka. Lokhu kwakungejwayelekile ngisho nakumfundisi ogqamile, futhi lapha kwakungumkhankaso wakhe wokuqala.

Enkonzweni yombhaphathizo owalandela umkhankaso, abantu abangaphezu kwekhulu namashumi amathathu babhaphathizwa emanzini. Kwakungalesisikhathi ukukhanya kwasezulwini okwabonakala ngaso phezu kwakhe lapho ebhaphathiza umuntu weshumi nesikhombisa. Lokhu ukukhanya kwabonwa ngamehlo yibandla elikhulu elalimi ezingwini zoMfula iOhio nephephandaba lalinayo indatshana ephathelene nakho.

Abantu ababesindisiwe emhlanganweni wethende eJeffersonville banquma ukwakha itabernakele, manje eselaziwa ngeTabernakele likaBranham.

Iminyaka embalwa elandelayo yathela izithelo, okwathi ngalesosikhathi isibusiso sikaNkulunkulu saphumula phezu kwakhe. Wemukela imibono yezinto ezazizokwenzeka. Wayengaziqondi ngalesosikhathi kodwa lapho zifezeka, wayekwazi ukubona ukuthi uNkulunkulu wayemuphe isithombe esishaya khona.

Esikhathini seminyaka yasekuqaleni yenkonzo yakhe wabonana noHope Brumback, intombi ayishadayo kamuva. Emva cishe kwezinyanga ezinhlanu zokuqomisa, uWilliam Branham wanquma ukuthi uzomcela ukuthi uyafuna yini ukuba bashade. Eqinisweni, wayeyintombi enhle futhi uma wayengeke aze amshade, wayengafanele achithe isikhathi sakhe. Ngizonilandisa umlando ngamahloni akhe, ukweshela ngencwadi, umshado wakhe nezinye izehlo ezalandela umshado wabo omuhle, njengoba waxoxwa nguMfowethu Branham ngeyakhe elula, nokho ngendlela esamdlalo.

Ngangingumfanyana wasemaphandleni nje futhi nginamahloni ngempela. Uma ubheka ukuthi nganginamahloni kanjani, cishe niyamangala ukuthi ngaze ngashada kanjani.

Ngabonana nentombi enhle engumKristu. Ngangicabanga ukuthi yayiyisimanga. Ngangiyithanda lentombi futhi ngifuna ukuyishada, kodwa ngangingenaso isibindi esenele sokuyicela. Yayiyintombi elunge kabi ukuthi yayingachitha isikhathi ngami—yayingathola omunye umuntu; ngakho ngazi ukuthi ngangifanele ngiyicele masinya. Ngangibhala uthubhobho kuphela ngehora futhi uyise wayehola amadola angamakhulu amahlanu ngenyanga. Njalo ebusuku uma ngiyibona ngangizimisela ukuthi ngangizoyicela ngalobobusuku. Bese kufika esikhulu isigaxa emphinjeni wami futhi nje ngingabe ngisakwenza. Angazanga ukuthi kufanele ngenzenjani. Niyazi ukuthi ekugcineni ngenzani? Ngayibhalela incwadi.

Awu, leyoncwadi yayigxile kakhulu kwezothando kunokuthi “Nkosazana ethandekayo.” Ngazama ngawo onke amandla ami ukubhala incwadi emnandi, nakuba ngineqiniso ukuthi yayibheda. Ngakho ekuseni ngalungiselela ukuyifaka esigxotsheni seposi. Kwase kufika kimi umcabango wokuthi kuyokwenzekani uma itholwa ngunina. Ngangisalokhu ngesaba ukuyinikeza yona. Ekugcineni ngaba nesibindi esenele ukuyifaka esigaxotsheni seposi ngoMsombuluko ekuseni. Ebusuku ngoLwesithathu ngangifanele ngibonane nayo futhi ngiyithathe ngiyise esontweni. Lonke iviki kuze kube oLwesithathu nganginovalo ngempela. NgoLwesithathu ebusuku ngahamba ngayoyibona. Ngisahamba ngacabanga ngokuthi kuyokwenzekani uma unina ephuma bese ethi, “William Branham!” Ngangazi ukuthi ngangingezwana kahle noyise, kodwa ngangingenasiqiniseko ngomama.

Ekugcineni ngaya emnyango ngamcela. Wafika wase ethi, “O, halo, Billy, ngena.” Ngathi, “Uma kungakuphathi kabi ngizohlala nje egosini.” Ngaqinisekisa ukuthi bangangingenisi ngaphakathi. Yathi, “Kulungile, ngizobe sengilungile emizuzwini embalwa nje.”

Nakuba nganginoludala uhlobo lwe “T” Fodo, yathi, “Akukude esontweni; asihambe ngezinyawo nje.” Lokhu kwangethusa futhi ngangineqiniso ukuthi kukhona okwenzekile. Saqhubeka saya esontweni kodwa ayishongo lutho. Nganginovalo kakhulu ngalobobusuku angizange ngizwe nhlobo ukuthi umshumayeli wayethini. Niyazi umuntu wesifazane angakushikilisa.

Emva kokuba sesiphumile esontweni, saqala sahamba sehla ngomgwaqo. Kwakungubusuku obunonyezi. Yayilokhu ingakasho lutho. Ekugcineni ngaphetha ngokuthi kusho ukuthi ayiyitholanga incwadi. Lokhu kwangenza ngazizwa ngingcono. Ngacabanga ukuthi mhlawumbe incwadi iphanjaniswe yindoda yeposi masinya kwathi gidi kimi. Saqhubeka nokuhamba. Ngayibuka ngenkathi siphuma emva kwezihlahla. Amehlo ayo amnyama ekhazimula lapho ikhanyiswa wunyezi. Ngacabanga, O he! Wawungathi iyingelosi.

Ekugcineni yathi, “Billy?”

Ngathi, “Yebo.”

Yathi, “Ngiyitholile incwadi yakho.”

O, he! Ngacabanga, o, o. Nakho-ke. Uzokuthola manje, Bill. Sekwedlulule konke manje. Ngacabanga ukuthi yayilinde ukuthi kuze kube semva kwenkonzo. Ayilishongo elinye igama. Ngase ngithi, “Uyitholile?”

Yathi, “Ehhe.”

Ngacabanga, qhubeka, sheshisa. Angikwazanga ukukumela. Niyazi ukuthi izintombi zinjani; ziyokushikilisa. Sasesihambe cishe ibanga lendlu futhi yayingakasho lutho. Ekugcineni ngathi, "Ngabe uyifundile?"

Yathi, "Ehhe."

Wewu! Ngathi, Ucabangeni ngayo? Ibikahle?"

Yathi, "Ehhe."

Ngangifisa sengathi ingasho okuthize. Ngase ngithi, "Ukuthandile obekubhalwe kuyo?"

Yathi, "Ehhe."

Ngathi, "Uyifunde yonke?"

Yathi, "Eh, he."

Ayi-ke, sashada. Ekugcineni sakwenza. Ngaphambi kokuba sikwenze, nokho, sanquma ukuthi sizofanele sicele kubazali bayo. Ngangazi ukuthi sasingezwana kakhe kakhulu noyise, ngakho ngavuma ukucela kuye. Yona yayizocela imvume kanina. Ngangilokhu ngikuziba impela, ngoba kwakungishayisa uvalo ukucabanga nje ngakho. Ekugcineni, ngokunye ukuhlwa ngase ngivalelisele ikusihlwa futhi ngase ngizohamba ngenkathi uHope engiqhweba futhi ekhomba uyise. O, he! Ngazi ukuthi lokho kwakuchaza ukuthini. Isikhathi sasesifikile; angibange ngisakwazi ukukuziba. Ngakho ngambuza ukuthi ngingakhuluma yini naye phandle egosini umzuzu. Wathi, "Kulungile, Bill."

Sesiphumele egosini ngathi, "Licwathile kulokhu ukuhlwa, akunjalo, Charlie?"

Wathi, Impela, Bill."

Ngase ngithi, "Awu-he-he,—."

Wathi, "Yebo, Bill, ungamthatha."

Ngathi, "Ngiyabonga, Charlie." O he! Wangisindisa kweningi inkathazo. Ngase ngithi, "Manje buka, Charlie, angikwazi ukumondla njengoba kwenza wena." Wayengomunye wabagqugquzeli kwezoBudlelwano kwezoMgwaqo wakwaLoliwe wasePennsylvania. O, he; wayenza imali enhle, mina lapho ngangibhala uthubhobho ngehora nepiki nefosholo. "Kodwa ngazi lento eyodwa," ngaqhubeka, "Angikaze ngibone-muntu ezweni engimthanda njengaye. Ngimthanda ngenhliziyo yami yonke. Ngizokwethembisa lokhu, Charlie, ngiyosebenza inqobo nje uma ngisakwazi ukusebenza futhi ngiyokwenza konke engingakwenza ukuba ngibe neqiniso futhi ngibe nokulunga kuye. Ngiyokwenza konke engingakwenza ukuba ngimondle."

Wathi, "Ngingaqoka ukuba athathwe nguwe kunoma yimuphi umuntu engimaziyo ngoba yilokho okusemqoka, Bill. Akusiyo imali; kungukuthi ujabule kangakanani."

Ngijabula kakhulu ukuthi wezwa ngaleyondlela ngakho. Injabulo ayiqukethe khona ukuthi unezimpahla eziningi kangakanani ezweni, kodwa ukuthi ukholakele kangakanani ngesabelo owabelwe sona. Kunjalo. Noma ngabe unokuningi noma ngabe unokuncane, bonga uNkulunkulu nje ngakho.

Sashada futhi angikholwa ukuthi yayikhona indawo emhlabeni eyayijabule ukwedlula ikhaya lethu elincane. Ngiyakukhumbula esasinakho ngenkathi siqala ukuba nento yasendlini emakamelweni amabili. Ngathenga isitofu esidala kumthengisi wezimpahla ezingasenamsebenzi ngedola nohhafu futhi ngasebenzisa amashumi ayisikhombisa nanhlanu amasente ukusifakela izinsimbi zaso. Inenekazi lasipha umbhede omdala ogoqwayo. Ngehla ngaya kwaSears noRoebucks ngathenga enye yalawomasethi amancane ebhulakufesi okufanele uzipendele wena.

Kwakungekukhulu, kodwa bangane, kwakuyikhaya; futhi ngingaqoka ukuhlala emjondolo futhi ngifumane umusa kuNkulunkulu kunokuhlala endlini enhle kunazo zonke ngingafumani-musa waKhe. Sasingenazo izimpahla eziningi kangako zalelizwe. Ngiyakhumbula ngake ngamtshela umkami ukuthi ngangizocela ibandla lingiphe umnikelo ukusiza sikwazi ukukhokha izikweletu zethu. Ngaphambi kwalesisikhathi ngangingakaze ngiwuthathe umnikelo ebandleni lami. NgaleloSonto kusihlwa ngacela omunye wamalunga ukuba athathe isigqoko sakhe aqoqe umnikelo. Kodwa emva kokuba sengikumemezele engangizokwenza, ngabona umama omncane omdala evula isikhwama sakhe semali futhi wakhipha emalini yakhe yempesheni. O, he! Ngangingenayo inhliziyo yokuthatha imali yakhe. Ngakho ngasukuma futhi ngabatshela ukuthi ngangizidlalela futhi ngifuna ukubona ukuthi babezokwenza yini. Kamuva ilunga lebandla langipha ibhayisikili elidala engalipendayo ngase ngilidayisa.

Emva kweminyaka emibili kwafika umfana omncane ekhaya lethu. Ngenkathi ezalwa lokho nje kwasibopha kwasihlanganisa ndawonye kangcono. Ngenkathi ngimuzwa okokuqala ekhala esibhedlela kukhona okwangitshela ukuthi wayengumfana. Ngathi, "Nkosi, nango umfana wakho. Ngizombiza ngoBilly ngokukayise nangoPaul ngokweBhayibheli. Igama lakhe lizoba uBilly Paul."

Udokotela waphuma wayesethi, "Umfana wakho uphakathi lapho."

Ngathi, "Yebo. Igama lakhe uBilly Paul."

Ngakho-ke sajabula. Ngiyakhumbula sasebenza ndawonye. Yena wayesebenza efektri yamayembe ezama ukusisiza sikwazi ukuziphilisa. Ngangishumayela njalo ebusuku. Imini yonke ngangisebenza emiseleni. Ngezinye izikhathi uma ngifika ekhaya ebusuku izandla zami ezinesikofu zazibandisa okweqhwa, futhi zivame ukopha. UHope wayehlala futhi anese izandla zami ngaphambi kokuba ngiye enkonzweni. Wayesethi-ke ufuna ngithathe iholide. Wayenamadola cishe ayishumi nambili ayewongile, futhi wayefune ngithathe uhambo oluncane lokuyodoba. Ngakho ngathi, "Kulungile. Kodwa awufuni ukuyodoba nawe, futhi na"

Wathi, "Qha. Ngiqoka ukuba lapha ngenzele isiFundo seBhayibheli saseHlobo."

Ngakho ngaya eChibini iPawpaw eMichigan, ngenhla nje kwaseIndiana, nomngane omdala ongumfundisi. Imali yami ayihlalanga isikhathi eside kakhulu futhi ngadingeka ukuthi ngibuye. Ohambweni lwami sengibuya lapho ngiwela uMfula iMishawaka ngabona isixuku esikhulu sabantu bebuthanele umhlangano. Ngimangele ukuthi kwakuhlobo luni lomhlangano, nganquma ukuthi ngime. Kulapho engazana khona nabantu bamaPentecostal.

Abantu babebuthanele ingqungquthela. Babecula "Ngiyazi kwakuyigazi, ngiyazi kwakuyigazi." Masinya nje umbhishobhi wasukuma wase eqala ukushumayela ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nganquma ukuthi ngizohlala kuze kube ngakusasa. Ngangingenayo imali yekamelo lasehhotela, ngakho ngaphuma ngaya emaphandleni futhi ngapaka ensimini kakolweni lapho engalala khona ngalobo busuku. Ngakusasa ekuseni ngavuka kusesekuseni futhi ngabuyela enkonzweni. Ngangithenge izinkwanyana nobisi ukuze imali yami ingapheli. Sengibuyela enkonzweni, isibalo sabantu abaningi impela sasivele sesibuthene ukuzokhonza kweyasekuseni.

Ngalobobusuku kwakukhona isibalo esikhulu sabashumayeli sihlezi emsamo. Oholayo wathi, "Asinaso isikhathi sokunizwa nonke nishumayela ngakho sizocela lowo nalowo ukuba asukume nje bese usitshela igama lakho." Ngakho sebefika kimi ngasukuma ngase ngithi, "NginguMfu. William Branham," ngase ngihlala phansi.

Ngentambama elandelayo babenendoda endala elikhaladi eyasukuma yashumayela. Futhi yayithe ukuguga futhi ngangimangele kancane ukubabona beqoka umfo onje ukuba ashumayele phambi kwalelobandla elikhulu. Yashumayela kuJobe 7. "Wawukuphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye na?" Awu, lowomfo omdala wasusela cishe eminyakeni eyizigidi eziyishumi ngaphambi kokuba kuze kubunjwe umhlaba.

Wacishe nje wakuqeda konke ezulwini, wehla ngothingo lwenkosazane futhi washumayela ngakho konke emhlabeni kwenyuka kwaze kwaba sekuFikeni kwesiBili kukaKristu.

Ngalobobusuku ngabuye ngabuyela ensimini kakolweni ngafike ngalala. Ekuseni, njengoba ngangithi angaziwa-muntu, nganquma ukuthi ngizogqoka ibhulukwe elidala elimantwentwesana. Elinye ipheya lase lithe ukushwabana ngokulisebenzisa njengomqamelo. Lolu kwakulusuku lokugcina engangingaluhlala njengoba ngase nginemali eyenele kuphela ukuba ngithenge upetroli wokuba ngiye ekhaya. Ngabuyela enkonzweni futhi sengifika abantu babecula.

Umfundisi ophethe wasukuma wase ethi, "Sisanda kuzwa inkonzo yobufakazi ebiholwa umshumayeli osemncane kunabo bonke lapha. Umfundisi olandelayo omncane kunabo bonke nguWilliam Branham waseJeffersonville." Wathi, "Yenyuka uze lapha, Mfu. Branham, uma ukhona endlini."

Ungaba neqiniso ukuthi lokhu kwangethusa. Ngabheka phansi futhi ngabona ibhulukwe lami elingamantwentwesana. Ngakho ngahlala nje ngathula ngathi du. Empeleni, ngangingakaze ngiyibone indlela yokukhuluma nomphakathi ngaphambili, futhi ngempela ngangingafuni ukusukuma lapho futhi ngishumayele phambi kwabo bonke labobashumayeli abanamandla.

Bamemeza futhi, "Ngabe ukhona owazi ukuthi ukuphi uMfu. Branham na?"

Kuphela ngagwaca phansi esihlalweni sami ngashona phansi kunakuqala. Ukumenyezwa kwaphindwa futhi. Indoda elikhaladi ihlezi eceleni kwami yaphenduka yase ithi, "Uyamazi ukuthi ubani na?"

Ngathi, "Lalela, NginguMfu. Branham, kodwa ngigqoke lamantwentwesana ebhulukwe futhi angikwazi ukwenyuka ngiye kulowomsamo."

Indoda elikhaladi yathi, "Lababantu kabanandaba ukuthi ugqoke kanjani. Banendaba nalokho okusenhliziyweni yakho."

"Awu," ngathi, "ngiyacela ungathi vu ngakho." Kodwa indoda elikhaladi ayibange isalinda-sikhathi.

Yamemeza kakhulu, "Nangu! Nangu!"

Inhliziyo yami yacwila; ngangingazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngobusuku bayizolo phandle ensimini kakolweni ngangikhulekile, "Nkosi, uma laba kungabantu ebengihlala njalo ngifuna ukubathola, ababonakala bejabule kakhulu futhi bekhululekile, ngiphe umusa phambi kwabo." Awu, iNkosi yangipha umusa kubo, kodwa ngangikuzonda ukwenyuka ngiye phambi kwesixuku ngifake lelobhulukwe elingamantwentwesana. Wonke umuntu wayebuka mina futhi ngangifanele ngenze okuthize. Ngakho ngaqhubeka ngenyukela

emsamo. Ubuso bami babubomvu, futhi lapho ngiphenduka ngabona imibhobho, futhi ngazicabangela, "Yini lezozinto?" Ngakhuleka, "Nkosi, uma wake wasiza noma ubani, ngisize manje."

Ngavula iBhayibheli namehlo ami awela evesini elithi, "Isicebi savula amehlo aso sesisehayidese." Sasesikhala. Kwakungekho-maKristu lapho, sasesikhala. Kwakungekho-bandla lapho, futhi sakhala. Kwakungekho-zimbali lapho, futhi sakhala. Kwakungekho-Nkulunkulu lapho, futhi sakhala. Lapho ngishumayela, ngakhala. Kukhona okwangibambayo namandla kaNkulunkulu ehlela phezu kwebandla.

Inkonzo yaqhubeka cishe amahora amabili. Emva kokuba isiphelile, ngaphumela phandle. Umfo omkhulu oqatha efake amabhuzu abelusi wakhuphuka futhi wazethula kimi. Wathi, "NgingowaseTexas futhi nginebandla elihle ezansi lapho. Kunganjani ungibambele umhlangano wamaviki amabili?"

Kwakhuphuka omunye umshumayeli evela eFlorida wayesethi, "Kunjani uze ngapha futhi ungibambele imihlangano?"

Ngathola isiqephu sephepha futhi ngabhala phansi amagama namakheli, futhi emizuzwini embalwa ngase nginezimvuselelo ezenele esezisemgqeni ukuba zingithathe unyaka wonke. Awu, ngangijabule. Ngagxumela ohlobweni lwe "T" Fodo yami encane futhi ngehla ngedlula eIndiana, amamayela angama 30 ngehora—amamayela ayi 15 ngehora phambili ngqo namamayela ayi 15 ngehora ukwehla nokwenyuka.

Sengifika ekhaya, umkami waphuma egijima washo wangigaxa. Lapho engibuka wabuza, "Ujatshuliswe yini kangaka?"

Ngathi, "Ngihlangane nesigejane sabantu esijabule ngokwedlulele kwesengake ngahlangana naso empilweni yami. Bajabule ngempela, futhi abanamahloni ngenkolo yabo. Lababantu bangishumayelisile enhla engqungqutheleni yabo, futhi okunye, ngemukele izimemo zokuba ngishumayele emabandleni abo. Ungahamba nami na?"

Waphendula, "S'thandwa, ngethembise ukuhamba nawe nomaphi size sahlukaniswe ukufa." Sengathi uNkulunkulu angabusisa inhliziyo yakhe ethembekileyo.

Ngakho nganquma ukwenyuka futhi ngitshele umama wami. Sengifika lapho ngamtshela ngezimemo. Wabuza, "Uzokwenzenjani ngemali na?" Sazizwela ukuthi iNkosi iyoyiveza. Wangigaxa wase engibusisa futhi elokhu engikhulekela. Wathi, "Ndodana, babevamise ukuba nalo lolohlobo lwenkolo ebandleni engangilazi eminyakeni eyedlula, futhi ngiyazi ukuthi ingeyangempela."

Futhi bangane, engikushoyo manje, makube okokunifundisa. Amaphutha ami awabe yisifundo kini. Abangane nezihlobo bangexwayisa ngokuba bamelane nokuthi ngemukele lokhu engangazi ukuthi kwakulubizo lukaNkulunkulu kimi. Abanye bathi abantu engangihlangane nabo engqungqutheleni babengabantu abayimfucumfucu. Kamuva ngathola, futhi ngikusho ngenhlonipho, ukuthi lokhu okwakubizwa nge "mfucumfucu" kwakulu "nqambothi." Ngatshelwa ukuthi umkami uyothola okwenele ngosuku olulodwa angabe esakuthola ukudla ngolulandelayo. Abanye bangitshela ukuthi kwakungumsebenzi wami ukuhlala lapho futhi nginake umsebenzi eJeffersonville. Umkami wakhuluma nonina futhi wathi uyoya ethuneni lakhe nenhliziyo yakhe eyephukile uma uHope ehambe nami. Umkami wakhala futhi ngamtshela ukuthi kufanele sihambe siye ekhaya futhi sikuxoxe. Wanquma ukuthi uzohamba nami, kodwa ngathi kungcono singahambi. Bangane abathandekayo, kulapha lapho izinkathazo zami zaqala khona. Ngalalela lokho okwashiwo ngowesifazane esikhundleni salokho okwakushiwo nguNkulunkulu. Phakathi nezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ngalahlekelwa ubaba wami, umfowethu, umlamu, unkosikazi nengane futhi kwacishe kwaba yimpilo yami uqobo. Angisoze ngakukhohlwa.

Phakathi nalesisikhathi ngangisebenza njengomqaphi wezinyamazane eZweni lase Indiana. Iholo engangilihola kulomsebenzi lalinqunywa ngukuthi ngibophe abangaki. Kodwa angizange ngibophe-muntu. Esikhundleni ngangihlala phansi ngixoxe nezephulamthetho ngezemidlalo, ngokuzingela engibona sengathi kwaba nomvuzo omkhulu kunezinhlawulo engangingabahlawulisa zona.

Okwesikhashana intombazanyana yethu yase izelwe, uSharon Rose omncane. Ayibusiswe inhliziywana yakhe enhle, usezulwini namhlanje. Wayeyisithandwa kimi. Ngiyabathanda nje abantwana abancane, futhi ngiyakhumbula ukuthi sasijabule kanjani sindawonye. Ngangifuna ukuyetha ngegama laseBhayibhelini. Ngangingenakumbiza ngeRose of Sharon ngoJesu ngakho ngambiza ngoSharon Rose. Sasihlala endlwaneni endala. Ngiyakhumbula ngangivamise ukufika ekhaya ngezikhathi zakusihlwa futhi wayehlala phandle lapho egcekeni entwaneni yokumeseka enamakhona amane futhi lapho ngijika ekhoneni ngangithinta insimbi ekhalayo emotweni engangiyisebenzisa njengomqaphi wezinyamazane. Wayesazi-ke ukuthi sengiyeza futhi athi, "guu guu guu." Bese-ke ephakamisa izingalo ezindadlana bese ngimthatha ngimgona. He, wayemuhle kabi.

Masinya umkami waguliswa yisifo samaphaphu esithelelwanayo. Okulandelayo umfowethu wafela eduze kwami ngqo. Niyabo, indlela yeseqa-mthetho inzima. Kwase kuthi

ubaba wami esenama 52 ubudala, wahlaselwa yinhliziyo ngobunye ubusuku futhi wafela ezingalweni zami emva kwehora. Ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kokuba afe wayesenkantini futhi omunye wamcela ukuba aphuze. Wathatha ingilazi kodwa waqala ukuqhaqhazela. Eyibeka phansi, waqala ukukhala futhi waxoxa ngendodana yakhe eyayishumayela. Waqhubeka esho ukuthi yonke leminyaka ubesephutheni futhi indodana yakhe yayiqinisile. Wathi, “Ngoba ngiyisidakwa makungaphumeli kubafana bami. Lokhu ngukuphuza kokugcina engiyoke ngikuphuze kuyo yonke impilo yami.” Wase eyiphakamisa ingilazi wase ezama ukuphuza okuphakathi kodwa wazithela ngabo bonke ubuso bakhe. Waphinda wakhala, wacosha isigqoko sakhe waphuma. Lesisehlakalo sedluliselwa kimi ngosebenzela umshwalense owathi kamuva ngamholela eNkosini. Kafushane nje ngaphambi kokufa kwakhe, wayesenikele inhliziyo yakhe eNkosini.

UNkulunkulu wayesakhuluma enhliziyweni yami. Kwase kuthi umlamu wami wafela khona lapho ekhaya lakhe. Yonke into yayingabonakali ihamba kahle ebandleni lami futhi. Indlela yeseqa-mthetho inzima. Niyabo, ngangilokhu ngehla ngalesosikhathi. Kodwa ngenkathi ngehluleka, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wayesasivikele isiphiwo saKhe. Ngase ngithi, “O, ngenzenjani; ngenze iphutha.” Ugcobo lukaNkulunkulu lwase lusukile kimi futhi ngempela aluzange lubuye kwaze kwaba lapho iNgelosi idibana nami ngo 1946. Leminyaka yayiyisikhathi esimnyama sempilo yami. Konke lokhu kwakungumphumela wokungenzi lokho engangazi ukuthi uNkulunkulu wayefuna ngikwenze.

Emva kwesikhashana umkami waphathwa yinyumoniya. Uzamcolo ka1937 wafika masinya futhi wabambeka kuwo. Ngiyabukhumbula lobobusuku. Angisoze ngabukhohlwa. Udonga lokuthiya amanzi lwanqamuka enhla lapho nedolobhakazi lase likhukhuleka emephini. Ngathatha uHope nabantwana bobabili ngabayisa enhla esibhedlela sesikhashana, esasimiswe nguhulumeni. Lapho bonke babesenhla lapho begula kakhulu. UHope wayenezinga lokushisa komzimba elingu 105. Ngenkathi ngihambile ngiyokhuleka ngalokho kuhlwa wayesengenwe ukugula, ngabheka phezulu ngase ngithi, “Nkosi, yiba nomusa kumkami futhi umphilise. Uzokwenza, Nkosi? Ngoba ngiyamthanda.” Kwabonakala sengathi ngabona into iwa njengeshidi elimnyama futhi kwehla ngqo kanjalo. Ngavele ngazi nje ngaleyonkathi ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka. Ngahamba ngafike ngatshela abantu bebandla lami. Bathi kwakuyingoba ngangikhathazeke kakhulu futhi nginokuzwela ngoba kwakungumkami. Ngathi, “Qha, kukhona ikhethini elimnyama elifike phakathi kukaNkulunkulu nami. Kukhona okungehlukanise naYe futhi Akangizwa.”

O, ngangikhandlekile. Ngobusuku okwaqala ngabo uzamcolo, ngangisesikwateni esiqaphile phezu komfula. Ngangitakula abantu ndawo zonke, ngibahosha, ngibanqwabela ngaphandle njengezinkomo. Ngabizwa ngaleyonkathi futhi ngatshelwa ukuba ngehlele endaweni lapho uzamcolo wawusubhobokele ngakwelinye icala. Ngagijimela ezansi lapho ngokushesha okukhulu. Ngangibezwa abantu bekhala. Ngezwa owesifazane eklabalasa, "Sizani bo! Sizani bo!" Ngacabanga engingahle ngikwenze ngase-ke ngigijima ngathatha isikebhe esinejubane. Ngaqala ngenyuka kodwa angikwazanga ukushesha kulawomagagasi. Udonga lokuthiya amanzi lwase lubhidlikile nalezozindlu ezinezitezi ezimbili zazizamazama nje ezisekelweni zazo. Nakuba ngazama ukuba ngihambe ngiphambane nalawomagagasi, angikwazanga. Ekugcineni ngahamba njalo futhi ngaduduleka ngaya ezansi ukuze ngikwazi ukuthandela intambo esigxotsheni segosi lapho ngedlula. Ngasibopha isikebhe ngase ngishiya injini iduma ukuba sibambeke singamukiswa amagagasi.

Ngagijima ngangena endlini futhi ngathola abantwana abancane abathathu noma abane, ngabaqukula ngase ngibafaka esikebheni. Ngase ngithatha umama, ngamthwala ngamfaka esikebheni ngase ngiqala ukuphuma. Cishe kwakuyihora lokuqala nqo ekuseni, liwisa iqhwa likhemezela, lapho ngigxumela esikebheni futhi ngiqala ukubuyela emuva. Lapho nje sengiwelele ezweni lapho iqembu labantu lalilinde ukugibela isikebhe lapho sesifikile, owesifazane waqala ukukhala, "Umntanami, umntanami!" Ngacabanga ukuthi wayeshiye umntwana wakhe ngemuva ngakho ngibashiya lapho ngabuyela emuva futhi. Ingxenye yendlu yase isukile vele, lapho ekugcineni sengifike kuyo. Ngangena ngigijima futhi ngaqalaza ngingatholi-muntu. Kamuva ngafike ngathola ukuthi umntwana cishe wayeneminyaka emibili ubudala. Ngacabanga ukuthi wayenomntwana omncane phakathi lapho. Kwathi-ke lapho ngizwa uhlangothi lwendlu lusuka, ngagijima ngagxuma ngaphuma ngefasitela ngehlela esicongweni segosi. Lapho ngenzenjalo, ngabona isikebhe sami sisuka. Ngadumela intambo ngayibamba ngangena esikebheni sengimanzi te. Ngazama ukusidumisa, kodwa kwase kukhona u ayisi kuyoyonke intambo yokusidumisa. Ngavele ngadonsa ngadonsa kodwa asangaduma.

Umsinga wangibamba wangiphosa emfuleni nesikebhe sasesizoketuka nje; angikwazanga ukudumisa injini. Nganginonkosikazi ogulayo nabantwana ababili abagulayo esibhedlela. Ngangisanda kungcwaba ubaba wami emavikini ambalwa ngaphambi kwalokho. Futhi nakho sengilapho. Ngaguqa esikebheni ngase ngithi, "O, Nkulunkulu, yiba nomusa kimina, isoni. Ngiyazi ukuthi ngenze okubi, kodwa ngiyakuncenga, Nkulunkulu othandekayo, ungangivumeli ngishiye umkami nabantwana futhi ngiminze kulomfula."

Ngadonsa futhi futhi. Lapho ngangihamba ngiqonde ngqo ezimpophomeni. Ngadonsa intambo kodwa asangaduma. Ngaphinda ngakhuleka futhi ngathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa." Nganginesikhathi sokucabangisisa ngezinto eziningi, bangane. Ngiyanitshela, uma lelohora selifika nokufa kukufuqa ngqo, uyocabanga ngezinto eziningi ongacabangi ngazo manje. Ngadonsa ngadonsa, futhi ngomusa kaNkulunkulu injini yaduma. Ngabuyela emuva futhi ngaphinda ngashesha emagagasini futhi ngaphuma ngibheke ezansi eHoward's Park, ezansi ngaphansi kweJeffersonville, cishe ngehora lesithathu nqo ekuseni.

Base bengitshela ukuthi olunye uhlangothi lodonga oluthiya amanzi lwase lubhidlikile futhi lwehla lwadlula eLank Kank Creek futhi lwasika iDepho kaHulumeni. Ngenyukela lapho ngokushesha impela futhi ngafica ukuthi amanzi ayesefike esibhedlela sesikhashana. Ngahlangana nokapteni emi lapho futhi ngathi, "Kapteni, mnumzane, ukhona ominzile?"

Wathi, "Qha, akubangabikho-muntu ominzile."

Ngathi, "Benginonkosikazi nabantwana ababili abagulayo phakathi lapho."

Wathi, "Awu, ngicabanga ukuthi wonke umuntu uphumile ngokwazi kwami."

Ngathi ukuqhubekela phambili kancane futhi ngahlangana nomfundisi wami esihambisana naye. Wangigaxa wase engigona lapho ethi, "Billy mfana, uma ngingeke ngisakubona futhi, ngizokubona ekuseni." Lokho kwaba ukumbona kwami kokugcina. Wafa ngesikhathi sikazamcolo.

Kamuva ngahlangana noMeja Weekly owathi, "Mfundisi Branham, umkakho nabantwana baphume ngemoto yezinkomo bebheke ngaseCharlestown, eIndiana."

Lalikhithika futhi liwisa isichotho lapho ngigijima ukuba ngithathe isikebhe sami bese ngiqala ukwenyukela lapho lapho iLanky Kank Creek yedlula khona. Omunye wathi, "O, leyomoto yezinkomo ikhukhulekile emzileni phezulu lapho futhi wonke obekuyo waminza." O, he!

Omunye wayesethi, "Qha, bekungesiyo; yedlulile yona. Sizwe ngombiko osheshayo ukuthi yedlulile."

Awu, Ngangena esikebheni sami ngaqala ukuwelela lapho. Ngawubona lowomsinga uza wedlula; angikwazanga ukutshuza kulawomanzi. Angibamba futhi lapho ngalahleka ngangena endaweni ethiwa yiPort Fulton cishe izinsuku eziyisikhombisa. Ngase-ke ngiba nesikhathi sokuphinda ngikucabangisise. Ngase-ke ngikhuleka. Ngakhala futhi ngingazi noma umkami wayesefile noma ephila. Ukuthi babenjani abantwana bami, umama wami na? Ekugcineni, lapho amanzi esebohlile ngawela

ngase ngiqala ukuhamba. Ngangenyuka ngomgwaqo futhi ngahlangana nomngane wami omdala, uMnu. Hay, waseCharlstown. Ngabuza, "Umkami ulapho yini na?"

Wathi, Qha, Billy, uNkk. Branham akekho lapho kodwa sizomthola ndawo ndawo."

Ngathi, "Kwakukhona isitimela esasedlula nemoto yezinkomo igcwele abantu abagulayo."

Wathi, "Ayizange ime lapho."

Ngehla ngaya eOfisi leMibiko esheshayo. Wathi, "O, unjiniyela owathatha leyomoto yezinkomo uzobe eselapha emizuzwini embalwa nje. Ubelapha esikhashaneni esedlule."

Lapho esebuya wangitshela, "Yebo, mnumzane, ngiyamkhumbula umama ogulayo nabantwana ababili. Ngabashiya eColumbus, eIndiana. Babegula kakhulu."

Lokho kwakusezinsukwini cishe eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ngaphambili, futhi ngangingazi noma babesaphila yini. Ngangingenandlela yokuhambahamba, ngakho ngavele ngaqala ukuhamba ngenyuka ngomgwaqo. Lapho ngisahamba ngalapho ngikhala, imoto yakhuphukela kimi. Kuyo kwakungumngane wami owathi, "Bill, ngiyazi ukuthi ufunani. Ufuna uHope, awunjalo na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Awu, ulele eduze komkami esibhedlela sesikhashana samaBaptisti eColumbus, eIndiana, uphethwe yisifo sofuba, useduze kokufa." Wathi, "Angazi ukuthi izingane zakho zikuphi. Angizange ngizibone, kodwa ngibone uNkk. Branham lapho. Ungeke umazi uma usumbona. Uselahlekelwe okungenani ngamaphawondi angamashumi amabili nanhlanu esisindo. Ucabanga ukuthi wena ufile."

O he, bangane, uma ngicabanga ngalokho kukhona into evele ibile enhliziyweni yami. Ngangena emotweni futhi ekugcineni ngafika eBandleni lamaBaptisti elalisetshenziswa njengesibhedlela esiphuthumayo. Ngangena ngigijima; indawo yayiminyene. Ngamemeza, "Hope! Hope!" ngelikhulu iphimbo. Ngabheka ngale ohlakeni lombhede omncane omdala ekhoneni futhi ngabona isandla esasesingamathanjana siphakama singivayizela. Kwakunguye. Ubuso bakhe base bonde kakhulu futhi ngagijima ngaya kuye ngokushesha futhi ngawa phansi ngakuye ngikhala. O he! Wayesecishe abe ngongasekho. Amehlo akhe amnyama, eveza ubuhlungu obukhulu ayedlule kubo, wangibuka phezulu lapho ngithatha isandla sakhe esesiphaphathekile, esondile ngisibeka kwesami futhi ngamkhulekela ngamandla ami onke engiwaziyo. Kodwa kwabonakala kunhlanga-zimuka nomoya. Akubangabikho-mpendulo. Ngase-ke ngizwa isandla singithinta emhlane. Kwakungudokotela, owathi, "UwuMfundisi uBranham na?"

Ngathi, “Yebo mnumzane.”

Wathi, “Ngingakhuluma nawe umzuzu?”

Futhi ngathi, “Yebo mnumzane.”

Ngahamba ngaya ngakwelinye icala wayesethi, “Awusuye umngane woqobo kaDokotela uSam Adair eJeffersonville na?”

Ngathi, “Sihlale ndawonye, sadoba ndawonye, salala ndawonye; besingabangane abahle impela.”

Wathi, “Awu, ngifuna ukukutshela, umkakho uyafa, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Qha, Dokotela, uNkulunkulu angeke amyekele afe.”

“Awu,” wathi, “mayelana nosizo lwezokwelapha, usephelile. Unesifo sofuba esimjahayo futhi angicabangi ukuthi kukhona okungasinqamula, njengoba manje sesimbambile.”

“Izingane zami zisaphila na?” Ngabuza.

Wathi, “Zikwelinye igumbi. Isizathu sokuba bangazivumeli zibe ngakuye yingoba unesifo sofuba. Enye yezingane zakho iphile kahle, kodwa enye igula kakhulu.”

“Ungangiyisa kuzo, Dokotela?” Ngabuza. Ngawelela lapho ukubona uBilly wami omncane bandla noSharon belele lapho. Ngababuka ngase ngibuyela lapho okwakukhona uHope. “S’thandwa,” ngathi, “uzophila. Uzokwazi ukuya ekhaya, futhi konke kuzolunga.” Ngakhala futhi ngamnxusa uNkulunkulu ngenhliziyo yami yonke; ngenza konke engangikwazi ukuthi kwenziwa kanjani. UDokotela Adair, ayibusiswe inhliziyo yakhe, wasebenza ngokwethembeka nanjengoba kungasebenza noma yimuphi umuntu. Sathumela eLousville ukuba sibize udokotela oyisipesheli ukuba eze, uDokotela Miller, wesiBhedlela esizimele eselapha lesosifo ngqo. Wangena egumbini ngalolosuku, wamhlola, futhi wayala ukuba elashwe ngemithi ethize.

UDokotela Adair wamtshela, “Yilokho akutholayo futhi yilokho kuphela esingakwenza.”

Futhi ngathi, “Dokotela, alisekho nhlobo ithemba na?”

Wathi, “Alisekho nhlobo ithemba, mnumzane, ngaphandle uma uNkulunkulu eba nomusa. Ngithatha ngokuthi ungumKristu nawe ungumKristu.”

Ngathi, “Yebo mnumzane. Usekulungele ukuhamba, kodwa Dokotela, ngiyamthanda. Akukho okuthize ongakwenza?’

Wathi, “Mfundisi uBranham, izandla zami zibophekile. Sesenze konke esikwaziyo esaziyo ukuthi kwenziwa kanjani ngesifo sofuba.”

Ngathi, “O he!” Ngambuka futhi ngacabanga, “O, yini engingayenza?”

Ngathi kuye, “Ngicabanga ukuthi uzophila, awucabangi wena na?”

Wathi, “Angazi, mntakwethu. Akunandaba; into kuphela ngiyakuzonda ukushiya wena nabantwana.”

Ngathi, “Awu, s’thandwa, ngikholwa ukuthi uzophila.”

Wathi, “Ngifuna ukukhuluma nawe umzuzu nje, s’thandwa.”

Ngathi, “Yebo.”

Wathi, “Kukhona akutshele khona loya dokotela?”

Ngathi, “Ungangibuzi, s’thandwa senhliziyo. Kufanele ngiyosebenza manje kodwa ngizobuya njalo emahoreni embalwa.” Ngangimbuka ngikhuleke ngikhale nginxuse ngicele. Kwakubukeka sengathi amazulu ayeyithusi phambi kwami. Nje ngangingakwazi-kuyaphi.

Ngiyakhumbula ngangisenhla eScottsberg, eIndiana, ngizihambela nje ngolunye usuku, ngenkathi ngizwa izindaba eziphuthumayo eredweni—“Kubizwa uMqaphi wezinyamazane uWilliam Branham. Thintana nesibhedlela. Unkosikazi uyafa. Fika ngokushesha. Unkosikazi uyafa.” O he! Ngethula isigqoko sami, ngabheka phezulu ngase ngithi, “Baba, ngenze konke engingakwenza. Uyazi udabula wona impela umphefumulo wenceku yaKho, kodwa mhlawumbe ngadabula umphefumulo waKho ngenkathi ngilalela kulokho engakwenzayo esikhundleni sokulalela Wena. Ngiyakucela, ungangidabuli inhliziyo yami. Ungemphilise pho? Ngivumele ngikhulume naye, Uzovuma, Nkosi na?” Ngakhalisa insimbi futhi ngahamba ngashesha kakhulu ngiya edolobheni cishe kuqhele ngamamayela angamashumi amathathu. Ngadonsa ngakhuphukela lapho, ngaphosa isibhamu emotweni, futhi ngagijima ngakhuphukela esibhedlela. Lapho ngifika ngiphuthuma ngiyongena, owayeza ehla lapho edabula ehholo kwakungumngane wami omdala, uDr. Adair. Ungodokotela wangempela. Wangibona wavele waqhuma wakhala njengengane nje futhi wabheka eceleni. Ngathi, “Sammy, kunjani kodwa?”

Wathi, “Bill, useshonile.”

Ngathi, “O, qha, dokotela, ngeke kwenzeke. Woza sambe.”

Waqala ukukhala futhi wathi, “Bill, ngeke ngihambe nawe, uHope unjengodadewethu kimi. Ngeke ngangena lapho ngibuye ngimbuke futhi. Ngeke nje. Lapha, biza omunye wabahlengikazi.”

Ngathi, “Qha, ngizozingenela.” Ngahamba ngangena lapho futhi ngambuka. Angisoze ngakukhohlwa. Amehlo akhe ayecimezile nomlomo wakhe uvulekile. Ngabeka isandla sami phezu kwakhe futhi wayezwakwala esebanda hleke

enomjuluko. Ngabona ukuthi wayengakahambi nokho. Ngambamba ngesandla ngathi, "S'thandwa senhliziyo, uyangazi mina? Bheka, s'thandwa, uyangazi mina?" Angisoze ngawakhohlwa lawomehlo amakhulukazi, asengawengelosi manje, lapho evuleka ase engibheka. Wamamatheka futhi nje angikwazanga ukuzibamba.

Wangiqhweba efuna ngigobe wayesethi, "Ngibuthakathaka kabi kabi. Ungibizeleni?"

Ngathi, "S'thandwa, bengifuna nje ukusho okuthize kuwe."

Wathi, "Sengiyahamba, Bill."

Ngathi, "O, s'thandwa, awuhambi, usuyahamba?"

Wathi, "Yebo." Umhlengikazi wangena egumbini futhi lapho uHope engimbambatha esihlathini wabuka umhlengikazi ngale wayesethi, "Ngethemba ukuthi uma usushada uthole umkhwenyana onjengowami. Ulunge kabi kimi." O, bangane, kwavele kwangephula inhliziyo.

Ngathi, "Uzophila, s'thandwa." Umhlengikazi akakwazanga nje ukukumela wasuka wahamba.

UHope waqala ukungixoxela ngeParadesi engangimbize esekulo, ukuthi lalibukeka lilihle kanjani linezihlahla ezinhle nezimbali nezinyoni zicula. Okwesikhashana ngacabanga ukuthi mhlawumbe bengingafanele ngimbize. Kodwa ayibusiswe inhliziyo yakhe, sekube yisikhathi eside ethokozela leyondawo manje. Wake wathi ukuvuselela okwemizuzu embalwa futhi wathi, "Zimbili noma zintathu izinto engifuna uzazi."

Ngabuza, "Kuyini lokho?"

Wathi, "Uyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi uye ngale eLouisville futhi wawufuna ukusithenga lesosibhamu esincane i .22?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Uyakhumbula wawungenayo imali eyaneleyo eyisibambiso?"

Ngathi, "Yebo, ngiyakhumbula."

Wathi, "Ngangihlale njalo ngifuna ukuba ube nesibhamu. Bengilokhu ngiqongelela konke ebengingakwenza ukuba ngisithole. Angikwazi ukukwenza, kodwa uma usufike ekhaya, ubheke phansi kwephepha embhedeni omdala osongwayo futhi uyothola imali engiyiqongelele phezulu lapho." Soze wazi ukuthi ngazizwa nginjani ngenkathi ngiya ekhaya futhi ngathola amadola ayisithupha noma ayisikhombisa lapho eyisiliva nosheleni ayeyiqongelele futhi wayincunza lapha nalaphaya ukuba angithengele isibhamu. Futhi wathi, "Uyangethembisa ukuthi uyosithenga isibhamu?"

Ngathi, "Ngiyosithenga, s'thandwa." Ngasithenga futhi ngisenaso. Ngizimisele ukusigcina inqobo nje uma ngisaphila. Emva kwalokho, siyoba ngesikaBilly.

Waqhubeka, "Ngifuna ungethembise ukuthi ngeke uhlale wedwana."

Ngathi, "O, s'thandwa, ungakhulumi kanjalo."

Wathi, "Qha, angifuni uhlale wedwana nabantwana bethu babeyimihambe ima. Uthole intombazane engumKristu eziphethe kahle ngempela eyoba phatha kahle abantwana, futhi ngifuna uphinde uganwe."

Ngathi, "S'thandwa, angisoze ngakwethembisa lokho."

Wathi, "Ngethembise. Musa ukungiyeka ngihambe kanje. Okwesikhashana esedlule nje bese ngiwelela ngapheseya ezweni elihle ukuwedlula onke lapho obekungekho-kugula khona, kungekho-sizi. Bekuthulile nje futhi bekungekho-buhlungu. Bekukhona izidalwa ezimhlophe zihamba eceleni kwami zingiyisa ekhaya lami. Ngakuzwa ezansi emgwaqeni ungibiza ngase ngiyabuya ukuzozwa ukuthi ubufunani." Bangane, ngikholwa ukuthi amasango eParadesi ayevuleka futhi nje wayeselungela ukungena phakathi. Wakhuluma nabathandekayo bakubo futhi abanye wababiza ngamagama abo. Ngihlale ngimangala ukuthi uma ukufa kufika, ukuthi uNkulunkulu akabavumeli yini abanye babakithi abathandekayo ukuba beze emfuleni uma siwela iJordani. Mhlawumbe uNkulunkulu uthi, manje lowomama uza ekhaya, yehlani nime ngasesangweni futhi nilinde aze awelele nganeno. Bangane, kukhona izwe elingapheseya komfula, ndawo ndawo ngaleya kude, mhlawumbe likude ngezigidi zokukhanya. Kodwa likhona—futhi sihamba ngaleyondlela.

Wayesethi-ke, "S'thandwa, ushumayelile ngalo, ukhulumile ngalo kodwa ngeke wazi ukuthi lihle kakhulu kanjani. Manje sengiyahamba. Bill, ungithathe ungikhuphulele eWalnut Ridge ufike ungingcwabe enhla lapho. Anginandaba nokuhamba ngoba ngibonile ukuthi kuyisimangaliso kanjani."

"Usuyahamba ngempela manje, sithandwa?" Ngabuza ngigcwele izinyembezi.

"Yebo." Wangibuka emehlweni wayesethi, "Uzongethembisa ukuthi uyohlala ushumayela leliVangeli elimangalisayo?" Ngethembisa. Wathi, "Bill, uNkulunkulu uzokusebenzisa." (Ayibusiswe inhliziyo yakhe. Bengihlale ngimangala ukuthi uNkulunkulu akamvumeli yini ukuthi asibuke phansi lapho sihambela izindawo ngezindawo enkonzweni yethu, sizama ukulalela obizweni aluzwa ukuthi uNkulunkulu wayezoluthumela.)

Ngamtshela, "S'thandwa, ngiyongcwatshwa eceleni kwakho, eceleni kwakho impela. Uma kungenjalo, ngizobuyela

lapha enkundleni yempi, Nkulunkulu ngisize." Ngathi, "Manje, uma uhamba ngingakahambi, abafile kuKristu bayohamba kuqala, ubohamba uye ngasempumalanga yesango futhi ungilinde lapho." Izindebe zakhe zaqala ukuvevezela. Izinyembezi zaziphuma emehlweni akhe.

Wathi, "Ngiyajabula kakhulu." Ngamdonsela kimi ngamvalelisa ngokumanga okosuku lwami lokugcina nginaye ngize ngimbone ngaseceleni kweSango laseMpumalanga. Ngomusa kaNkulunkulu nosizo ngisemgwaqeni namhlanje. Ngizoba lapho ngolunye lwalezizinsuku. Kunjalo.

O, kwakulukhuni ukuya ekhaya emva kokuhamba kwakhe. Ngabona ibhantshi lakhe elidala lilenga lapho. Yonke into yangikhumbuza yena. Ngaqala ukukhala lapho ngiqalaza. Kwathi nje ngalesosikhathi kwaba khona ongqongqotha emnyango futhi ngabuza ukuthi ubani. Kwakuyilunga lebandla lami. Lathi, "Billy, uzizwile izindaba ezimbi?"

Ngathi, "Yebo, benginoHope kwaze kwaba sekugcineni. Ngisanda kusuka esibhedlela nje."

Wathi, "Umntwana wakho useyafa, naye."

Ngathi, "Ini?"

Wathi, "USharon Rose uyafa."

Ngathi, "Ngeke kwenzeke, Mfowethu Brin."

Wathi, "Yebo, kunjalo. Uyafa manje. UDr. Adair ubesanda kumhlola nje ngingakasuki esibhedlela."

"Yin'indaba?"

"Kwenzeka wathola igciwane kunina futhi unexhwala lesifo solwembu lobuchopho."

Ngaphuthuma esibhedlela. Bangibamba emnyango base bethi, "Awukwazi ukungena lapho." Ngangena noma kunjalo. Umhlengikazi wathi, "Buka, Mfu. Branham, ufanele ucabangele uBilly Paul. Leyontombazanyana izofa emizuzwini embalwa."

Ngathi, "Leso yisithandwa esincane senhliziyo yami. Ngifanele ngisibone." Ngacabanga ukuthi ngizwe ingane yami encane ingibiza futhi ngancengisisa ukuthi ngifanele ngihambe ngiyibone.

Wathi, "Awukwazi ukumbona, Mfu. Branham. Ubekwe wayedwa qekelele." Wabuyela emuva wangena wavala umnyango. Lapho enzenjalo, ngathi nyelele ngenye indlela ngase ngehla endaweni ephansi lapho ababembeke yedwa qekelele. Kwakuyisibhedlela esiphansi kabi. Wayenesivikela-miyane esincane esimboze ubuso bakhe, kodwa izimpukane zazingene ngaphansi kwaso nasemehlwaneni akhe. Ngazixosha ngase ngimbuka. Ayibusiswe inhliziyo yakhe encane. Wayedikizela.

Ngenxa yobuhlungu obukhulu kangaka, yonke imisipha yakhe yase igoqene. Ngathi, "Sharon, s'thandwa, uyamazi ubaba?" Izindebe zakhe ezincane zaqala ukuvevezela. Wayazi ukuthi ngangilapho. Kodwa wayegula kanzima ngangokuthi lapho engibuka amehlo akhe aluhlaza obungane ayesephambene. O he! Inhliziyo yami yayephuka. Angikwazanga ukukumela ukubuka amehlo akhe aphambene. Kuze kube namuhla, ngiyamkhumbula uSharon wami omncane njalo uma ngibona abantwana abanamehlo aphambene. Sengike ngabona abantwana abanamehlo aphambene abangaphezu kwamakhulu amane bephulukiswa ezinyangeni ezicishe zibe ntathu zemihlangano yami. Ngezinye izikhathi uNkulunkulu ufanele akhame imbali ukuba akhiphe amakha ayo. Niyazi ukuthi kunjalo. Ngayibuka leyonto encane bandla inamehlo aphambene, ngase ngithi, "O, Nkulunkulu!" Amandla ami awasakwazi ukungibamba. Ngaphakamisa isandla sami futhi ngathi, "O, Baba, Uthathe umkami. Ungayithathi ingane yami ushiye mina. Ngiyacela, Nkulunkulu othandekayo, ngiyaxolisa ngakho konke okubi kwami. Ngizohamba ngiyoshumayela. Ngizokwenza noma yini, noma yini oyishoyo, Nkosi ethandekayo. Ngiyacela ungayithathi ingane yami, ngiyacela, ngiyacela." Kwase-ke kufika lelokhethini elimnyama. Ngazi ukuthi kwase kuphelile. Ngathi, "Hamba kahle, sithandwa. Izingelosi zeNkosi zizofika zikuthathe masinya. Uyohamba uyoba nomama. Ubaba uzothatha umzimba wakho omncane bese ekubeka ezingalweni zikamama wakho. Ngelinye ilanga ubaba uyophinde akubone." Ngabeka izandla zami phezu kwenhliziyo yakhe lapho ngithi, "O, Nkulunkulu! Akungabi intando yami, kodwa makwenziwe eyaKho."

Esikhashaneni nje izingelosi zikaNkulunkulu zehla futhi zawuthatha umphefumulo wakhe omncane zasuka zahamba nawo zaya eNkazimulweni. UMfowethu Smith, umfundisi wamaMethodisti lapho, washumayela inkonzo yomngcwabo. Lapho ibhokisi lehliswa, wacaphuna inhlabathi wayesethi, "Umlotha emlotheni, uthuli othulini, umhlabathi emhlabathini." Ezansi ukwedlula ezihlahleni ezindala zeshoba lapho kwabonakala kuza iculo elanyenyezayo.

"Kukhona izwe elingaphesheya komfula,
Esilibiza ngelimnandi phakade,
Futhi kuphela sifinyelela kulologu ngeziqu zokukholwa,
Singena ngamunye ngamunye esangweni,
Lapho siyohlala khona nongasenakufa,
Ngelinye ilanga bayoshayela mina nawe lezozinsimbi zegolide."

O he! Ngaya ekhaya ngephukile enhliziyweni. Ngazama ukuyosebenza. Ngalesosikhathi ngangenza umsebenzi wogesi. Umsebenzi wami ngangisebenza ugesi. Ngelinye ilanga

kusesekuseni kakhulu ngakhwela esigxotsheni ukuba ngehlise imitha lesigxobo. Ngangicula, "Entabeni ekude. . ." (Ngangehlisa intambo kagesi enkulu. Uma uyisazi sikagesi, uyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Izintambo zikagesi ezincane zihamba ngalena.) "Kumi isiphambano esidala esimahlikihliki, isibonakaliso sobuhlungu nehlazo. Futhi ngiyasithanda lesosiphambano esidala. . ." Ngabuka phansi emhlabathini futhi kwakukhona isithunzi somzimba wami nesigxobo, senza isiphambano futhi singikhumbuza iSiphambano uKristu angifela kuso.

Ngadonsa ibhande lami lokuphepha ngaliqinisa. Ngabanovalo ngempela. Ngakhumula igilavu lami lenjoloba ukuba ngibeke isandla sami kuleyo encane—yehla ngamandla kagesi ayizi 2300. Wawuyowephula onke amathambo emzimbeni wami. Ngathi, "Nkulunkulu, ngiyigwala ukuba ngenze lokhu." "Kodwa," ngathi, "Sharon, s'thandwa, ubaba uyeza ekhaya ukuba azokubona emizuzwini embalwa. Angisakwazi ukukumela."

Bangane, angisoze ngazi kuze kube namuhla ukuthi kwenzekani, kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wayelondoloza isiPhiwo. Into elandelayo engiyaziyo ngangihlezi phansi ekugcineni kwesigxobo nezandla zami ziphambene emadolweni ami ngqo, ngikhala ngijuluka. Ngazicabanga ngithi, "Ngiyimvithi; angikwazi ukusebenza." Ngathatha amathuluzi ami ngawasa etrakhini ngaya ekhaya.

Ngangifuna ukuhamba futhi ngiyoba nabathandekayo bami abase beneNkosi. Ukuphila emhlabeni kwakungasangiphathele lutho. Konke engangifanele ngikuphilele kwase kusezweni elilandelayo; ngaphandle kwabo inhliziyo yami eyephukile yayingenakusithola isibindi sokugcina umzabalazo. Kodwa kwakuyintando kaNkulunkulu, ngiqagele, ekubambeni isiPhiwo saKhe. Wayenecebo futhi lalifanele lisetshenzwe. Ngineqiniso kwathatha isenzo esesabekayo nosizi olujulile okwakufanele ngedlule kulo ukungiletha endaweni lapho Ayengangisebenzisa khona. UNkulunkulu uyakwazi okuhle ukwedlula konke.

Umama wami wayethe angize ngizohlala naye. Abanye bathi banganginika ikhaya labo. Kodwa bukani, ngangifuna ukuhlala lapho uHope nami sasihlale khona. Sasingenalutho kuphela yizinqamu ezimbili zefenisha endala kodwa kwakungokwethu. Kwakuyikhaya. Sasikade sijabule sindawonye futhi ngangifuna ukuhlala nalokho ngoba kwakungokwakhe nami. Umakhelwane wamgcina uBilly Paul futhi ngenkathi ngisekhaya ngangihamba ngimlande futhi ngiye naye ekhaya.

Ngalolosuku ngenkathi ngingena ngathatha iposi. Incwadi yokuqala engayibonayo yayithi, "Nkosazana Sharon Rose

Branham." Kwakuyimadlana yakhe ayeyibekele uKhisimuzi—amasente angama 80. O he! Ngacambalala phansi ngaqala ukukhala. Ngazitshela ukuthi ngizothatha isibhamu sami futhi ngithathe impilo yami. Ngase ngihlanya, ngilahlekelwa yingqondo yami. Ngangikhathazeka ngakho kakhulu. Ngaqala ukukhala futhi ngakhala ngaze ngayolala. Angisoze ngakukhohlwa. Ngaphupha ngiza ngehla malungana nenkangala. Ngangivamise ukusebenza ngaphandle eNtshonalanga epulazini lezinkomo. Ngafika ngalapho ngicula, "Isondo lephukile enqoleni." Nike nalizwa. "Ezansi epulazini lezinkomo elithengiswayo." Kwenzeka ngabuka emaceleni futhi kwakukhona inqola ende emboziwe yasentshonalanga inesondo elephukile. Isondo enqoleni lephukile. Ngathi, "Yebo, kunjalo." Ngihamba hamba ngisuka ngemuva, kwase kufika encane, intombazane enhle yomlungu enobuso obukhanyayo, icishe ibeneminyaka ethi ayibe yi 18 noma engama 20 ubudala. Yayiyintombazane enhle kunawo onke esengake ngawabona. Ngethula isigqoko sami ngase ngithi, "Ninjani, Nkosazana?" ngaqala ukuzihambela.

Yathi, "Sawubona, baba."

Ngathi, "Angizwa? Uthe baba?"

Yathi, "Yebo. Awungazi, baba?"

Ngathi, "Qha."

Yathi, "Yini oyifundisa ngokuphila emva kokufa?" Ngifundisa ukuthi abasayikubakhona nhlobo abantu abadala ezulwini noma izingane ezincane. Sonke siyolingana ngobudala, mhlawumbe cishe iminyaka kaJesu ngenkathi Efa, cishe ama 30 eminyaka ubudala. Yathi, "Awukwazi owakushumayela ngokuphila emva kokufa?"

Ngathi, "Yebo, kodwa pho lokho kuhlanganaphi nawe?"

Yathi, "O, baba, awungazi? Phansi emhlabeni ngangingu Sharon wakho omncane."

Ngathi, "USharon?"

Yathi, "Ukhathazwa yini, baba?"

Ngathi, "S'thandwa, awusuye uSharon?"

Yathi, "Yebo, uphi uBilly Paul?"

Ngathi, "Awu, s'thandwa, angikuqondi."

Yathi, "Ngiyazi awungiqondi. Umama ufuna wena."

Ngathi, "Umama! Uphi umama?"

Yathi, "Baba, awazi ukuthi ukuphi?"

Ngathi, "Qha."

Yathi, "YiZulu leli."

Ngathi, "IZulu?"

Yathi, "Yebo, nomama uphezulu ekhaya lethu elisha."

Ngathi, "Ikhaya elisha?"

Yathi, "Yebo, ikhaya lakho elisha, baba."

Ngathi, "S'thandwa, angina-khaya elisha. Bonke abantu bakithi bayimindinda. Siyahamba nje, sikhokhe irente, lapha nalaphaya. Akakaze uBranham abenekhaya okungelakhe. Angina-khaya elisha."

Yathi, "Kepha, baba, unalo phezulu lapha."

Ngabuka emaceleni. Kwakubonakala sengathi inkazimulo kaNkulunkulu yayenyuka. Ngase ngibuka ikhaya elikhulukazi lihlezi lapho.

Yathi, "Yilapho osuhlala khona manje, baba. Umama uphezulu laphaya ufuna wena. Mina ngizolindela uBilly Paul lapha. Awuzukuhamba uyombona?"

Ngathi, "Yebo, sithandwa senhliziyo."

Yathi, "Gijima ukhuphuke uye endlini. Ngizolinda uBilly."

Ngaqhubeka ngakhuphuka. Angikuqondanga, kodwa lapho ngikhuphuka ngezitebhiso nanguya uHope. Wayemuhle lokhu okuxakile, emusha, izinwele zakhe ezimnyama zehle zayoshaya emahlombe akhe. Wayegqoke ezimhlophe. Lapho elulela izingalo zakhe kimi, ngavele ngawela ezinyaweni zakhe.

Ngathi, "Sithandwa senhliziyo, angikuqondi lokhu. Ngibone uSharon."

Wathi, "Yebo, uthe wehlela ukuyolindela wena."

Ngathi, "S'thandwa, sengathi kukhona okungahambi kahle lapha ndawo ndawo. Akasiyo intombi enhle na? Indodakazi yethu ibingesiyo intombazane enhle na?"

Wathi, "Yebo, muhle ngempela."

Ngathi, "O, s'thandwa."

Wathi, "Ukuthi nje ukhathazeka kakhulu, awunjalo na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Ngikubonile. Ukhalile wakhathazeka ngoSharon nami. Singcono kakhulu kunanjengawe. Ungabe usakhathazeka."

Ngathi, "Hope, ngizozama ukungakhathazeki, s'thandwa."

Wathi, "Manje awukaze ungethembise lutho empilweni yakho, awangalwenza." Bengizama njalo ukugcina isethembiso sami. Wathi, "Buka, ngethembise ukuthi ungeke usakhathazeka."

Ngase ngithi, "Ngizozama ukuba ngingakwenzi, s'thandwa."

Wangigaxa. Wayeseqalaza futhi wayesethi, “Ungehlale phansi?” Ngabuka futhi kwakukhona isihlalo esikhulu esibanzi sihlezi lapho. Ngambuka ngemuva. Wathi, “Ngiyazi ukuthi ucabangani, ngesihlalo esidala owaze wasiyeka.”

Ngathi, “Yebo.” Imicabango yami yayisemuva lapho endlini yethu endala. Ngangikhathele kakhulu futhi sasinalezozihlalo ezineketango ekugcineni, niyazi ukuthi zinjani; ufanele uhlale uqonde thwi kuzo. Sasifuna ukuthola isihlalo iMorris. Zazibiza ngaphezu kwamadola ayishumi nesihlanu ngalesosikhathi, futhi ngiyakhumbula sadingeka sikhokhe idiphozi yamadola amabili nedola ngeviki. Sasithenga esisodwa futhi ngasikhokhela cishe amadola ayisithupha noma ayisikhombisa futhi nje ngafika lapho khona ngingasakwazi ukusikhokhela. Bangitshela ukuthi bazoza basithathe. Ngiyalukhumbula lolosuku. UHope wayazi ukuthi nganguwuthanda uphaya wamasheri, ayibusiswe inhliziyo yakhe, futhi ngakho wayengenzele uphaya wamasheri. Ngangingena ebusuku sengikhathele kabi emva kokushumayela futhi ngihlale phansi kulesisihlalo futhi ngitadishe iBhayibheli isikhashana. Izikhathi eziningi ngangozela ngilale kuso. Futhi ngalobo busuku wayazi ukuthi isihlalo sasihambile, ngakho wayefuna ukungenza ngijabule. Lowo ngumfazi wangempela; leso yisithandwa senhliziyo ngempela. Ngazi ukuthi wayenovalo kakhulu ngento ethize. Wayefuna ngehle ngiye emfuleni ngithi ukudoba kancane ngalobo busuku. Ngacabanga ukuthi kukhona okwakungahambi kahle. Ngathi, “Asambe siye ekamelweni elingaphambili.” Ngabona ubuso bakhe bukhophoza. Ngazi lapho sihamba siyongena ekamelweni isihlalo sethu sasesihambile. Wangibuka waqala ukukhala. Sagaxana futhi ngathi, “O, sithandwa senhliziyo, akukho ebesingakwenza. Akukho ebesingakwenza .” Manje, lapho engibuka nalesosihlalo esikhulu, wathi, “S’thandwa, abasoze beze basithathe lesi. Leso sesivele sikhokhelwe.” Sahlala phansi sathi ukuphumula kancane.

O, mfowethu nodadewethu, ngezinye izikhathi ngikhathala kakhulu ngaphandle phansi lapha. Ngikhandlekile. Kungekho-kuphumula. Ngihamba imini nobusuku. Lapho sengiya ekhaya ngiyophumula kukhona abantu ndawo zonke abadinga ngentshisekelo. O, Nkulunkulu, ngenze njani na? Kodwa into eyodwa engiyaziyo, ngolunye lwalezizinsuku ngizowelela ngaphesheya komfula. Uma sengifika ngaphesheya kwelinye icala nginekhaya laphaya. Nginesihlalo esesivele sikhokhelwe. Abathandekayo bangilindele. Futhi ngolunye lwalezizinsuku ngizowela iJordani khona-ke sengingaphumula.

UNkulunkulu uSomandla waphoqeleka ukuba angedlulise kulesisehlakalo esimuncu ngoba ngangenqabe ukulalela ubizo lwaKhe. Izipho nokubiza kungaphandle kokuphenduka. Ukuba

ngangilalele uNkulunkulu esikhundleni somuntu isiPhiwo mhlawumbe sasiyoqala masinya ukusebenza futhi ngakho-ke inkonzo yami yayiyophindeka ngekhulu kulokho ebiyikho ngesikhathi esedlule. Ekwengezeni ngangiyophepha eminyakeni yosizi olungaxoxekiyo.

Ngoba ngaphenduka futhi nsuku zonke ngivumela uNkulunkulu ukuba aqondise futhi asebenzise impilo yami, Ukubuyisile kimi, njengoba Enza kuJobe wasendulo, futhi ngiyabonga.

Mthathe umfake enhliziyweni yakho futhi unikele impilo yakho kuYe, mfundi othandekayo. UKristu akasikho ukudumala. Awusoze wazisola. UNkulunkulu anibusise egameni likaJesu.


## Isithombe Esingesiso Esasemhlabeni

Lesisithombe esiyisimanga sathwetshulwa kuMfowethu William Branham eHouston, eTexas, ngo Januwari ka 1950, yiDouglas Studios. Sathathwa ngesikhathi somkhankaso ofanayo lapho khona uMfowethu Bosworth aletha kuye isicelo somkhuleko sikaFlorence Nightingale, indaba yakhe exoxwa esigabeni esisho ukuthi uWilliam Branham wanquma kanjani ukuvakashela eNingizimu Afrika.

Ngenkathi abathwebuli bezithombe, uMnu. James Ayers noMnu. Theodore Kipperman, besikhulisa isithombe bamangala ukuthola ubufakazi bokukhanya phezu kwekhanda likaMfu. Branham. Babengakaze bayibone into efana nakho ngaphambili futhi akukho namunye wabo owakuqonda ukubakhona kwalendingilizi yokukhanya. Ngosuku olulandelayo baxhumana noMfowethu Branham nabanye eqenjini lakhe. Kwachazwa ngaleyonkathi-ke kubo ukuthi izithombe ezifana nalesi zazike zathathwa ngaphambili kodwa ukukhanya kwakungakaze kukhanye bha njengoba kwabanjalo kulesisithombe.

Inekethivu yathatha yayiswa kuGeorge J. Lacy, uMhloli wemiBhalo yobufakazi Obungatshazwayo, ukuze kubuzisiswe ukuthi ukukhanya okuphezu kwekhanda likaMfowethu Branham ngabe kube ngenxa yokuvela obala kokungafanele, ukukhulisa noma ukulungilungisa. UMnu. Lacy wavuma ukuhlola inekethivu wase-ke enikeza owakhe umbono mayelana nakho. Ngesikhathi esikhonjiweyo esezoqeda ukuhlola kwakhe neziphetho zakhe sezibunjiwe, waphuma wangena ekamelweni lokulindela lapho khona amalunga eqembu likaBranham, abasebenzela amaphephandaba nabanye babelinde khona. Esengena ekamelweni wabuza ukuthi uyenamuphi uWilliam Branham. UMfowethu Branham wasukuma wama ngezinyawo zakhe wase eveza okumchazayo. UMnu. Lacy wathi, "Mfu. Branham, uyofa njengabo bonke abanye abayizidalwa ezisazofa kodwa inqobo nje uma kusekhona impucuko yamaKristu, isithombe sakho siyohlala njalo."

Lesisithombe manje sishicilelwe ngemvume, isithombe esithwetshuliwe somuntu ongesuye owalomhlaba. Ikhophi yaso ilenga kwelinye lamahholo aseWashington, D.C.



*George J. Lacey*
*Umhloli wemiBhalo yobufakazi Obungatshazwayo*
*Shell Building*
*Houston, Texas*

Januwari 29, 1950

UMBIKONOMBONO

Mayelana: Inekethivu Engatshazwayo

Ngo Januwari 28, 1950 ngesicelo sika Mfundisi Gordon Lindsay, owayemele uMfundisi William Branham wase Jeffersonville, e Indiana, ngemukela kwiDouglas Studios yase 1610 Rusk Avenue kulelidolobha, ifilimu esithwetshuliwe ingamayintshi angu 4x5 futhi yakhuliswa. Lefilimu kwakuthiwe yenziwe yi Douglas Atudios kaMfundisi William Branham eSam Houston Coliseum kulelidolobha, ngenkathi evakashele lapha engxenyeni yokuphela kuka Januwari, 1950.

ISICELO

UMfundisi Lindsay wacela ukuba ngenze ukuhlola ngokwesayense kwenekethivu eshiwo ngaphambili. Wacela ukuba nginqume, uma kwenzeka, uma mhlawumbe kungenzekanga ngokubona kwami ukuthi inekethivu ike yalungilungiswa kumbe ya "nyangwa" ngandlela thize, kulandela ekukhulisweni kwefilimu, okungenza umushwa wokukhanya ukuba uvele esimweni sendingilizi yokukhanya phezu kwekhanda likaMfundisi Branham.

UKUHLOLWA

Ukuhlolwa kwezinto ezinkulu nezincinyane nokucwaninga kwenziwa ndawo zonke ngaphezulu macala omabili efilimu, okwakuyi Eastman Kodak Safety Film. Omabili amacala efilimu ahlolwa ngaphansi kokukhanya okucwenga ubungako bombala onkankane nezithombe ezinombala ongenakubonwa ngeso zenziwa yifilimu.

*ILUNGA LENHLANGANO YASEMELIKA YABAHLOLI BEMIBHALO ENGATSHAZWAYO*

Umbiko no Mbono – Ikhasi 2 – Januwari 29, 1950

Ukuhlola kwezinto ezincinyane kwehluleka ukuveza ukulungilungiswa kwefilimu kunoma yiyiphi indawo noma yini nanganoma yiyiphi inqubo esetshenziswa ekulungilungiseni kwezohwebo. Futhi, ukuhlola kwezinto ezincinyane kwehluleka ukuveza noma yikuphi ukuthikameziseka okuxutshwe namafutha phakathi noma ngasemshweni wokukhanya okusolekayo.

Ukuhlola kokukhanya okucwenga ubungako bombala onkankane kwehluleka ukuveza noma yikuphi ukusola, kumbe umphumela wanoma yikuphi ukusebenza kwesithako macala omabili enekethivu, okungahle ukuba kudale umushwe wokukhanya, kulandela ukuqhutshwa kwenekethivu.

Isithombe sombala ongenakubonwa ngeso futhi sehluleka ukudalula noma yini engakhomba ukuthi kuke kwabakhona ukulungilungisa efilimini.

Ukuhlola futhi kwehluleka ukuveza noma yini engakhomba ukuthi inekethivu esolekayo yayiyinekethivu eyingxubevange kumbe inekethivu ephindwe ngokusobala.

Akubangabikho lutho olwatholwayo olwalungakhomba ukuthi umushwa wokukhanya osolekayo wawenziwe ngenkathi kuqhutshwa ukukhulisa. Akukho lutho futhi olwatholwayo olwalungakhomba ukuthi asikhuliswanga ngendlela ejwayelekile neyamukelekile. Akubangabikho lutho olwatholwayo ekuqhathaniseni amanekethivu amnyama asemqoka olwalungahambisani.

UMBONO

Ekusekeleni kokuhlolwa okuchazwe ngenhla nokucwaninga nginombono onquma juqu ukuthi inekethivu elethelwe ukuhlolwa, ayizange ilungilungiswe noma ibe yingxubevange kumbe inekethivu ephindwe ngokusobala.

Futhi, nginombono onquma juqu ukuthi umushwa wokukhanya okuvela phezu kwekhanda esimweni sendingilizi yokukhanya kwenziwa ngukukhanya kushaya inekethivu.

Ngokuzithoba ibekwe,

GJL/11

*Ikhophi ethwetshulwe isithombe yemibiko kaGeorge Lacy mayelana nesithombe esithwetshuliwe sikaMfowethu William Branham nefu elingesilo elasemhlabeni.*

# Iziphiwo zokuPhilisa Nokunye

Ngu F. F. Bosworth

Ngaphezu kweminyaka engamashumi amathathu ngezikhathi zemikhankaso emikhulu yevangeli, ngisebenze ngokwedlulele, ngikhulekela abagulayo nabahluphekile. Ngesikhathi esiyiminyaka eyishumi nane yalesisikhathi, sabamba iMvuselelo yoMsakazo weSizwe ngalesisikhathi esathola ngaso cishe izincwadi eziyikota lesigidi, eziningi zazo zinezicelo zomkhuleko zivela kubantu abagulayo nabanobuhlungu ababengeke basinde ngaphandle kokwenza ngqo kukaMoya oNgcwele ekuphenduleni "umkhuleko wokukholwa." Semukele izinkulungwane ezininginingi zezimfakazo ezingacelwanga ezivela kulabo abaphiliswe ngokumangalisayo kukho konke ukuhlupheka komzimba engaziyo ngakho, kuxubene nochoko. Udumo lonke alube kuNkulunkulu ngoba lemiphumela ayinakwenzeka kunoma ubani kuphela kuYe. Ngomphumela walezizibonakaliso, izinkulungwane eziningi ziphenduke ngokujabulisayo, esasingeke sizithole ukuba sasingayishumayelanga ingxenye yokuphilisa kwevangeli kanye ngeviki kuyo yonke imikhankaso yevangeli.

Ngoba lenkonzo yokuphilisa ibidinga umsebenzi ongaphezu kwamandla omuntu, sikhulekile, o ngokuqinisela impela, ukuba uNkulunkulu avuse izisebenzi eziningi ukuba zisize kulomkhakha obunganakiwe kakhulu impela wenkonzo. Futhi phakathi kweminyaka embalwa edlule, njalo bengikhaliswa yinjabulo yesiphiwo sikaNkulunkulu sakhona maduze nje eBandleni somfowethu othandekayo, uWilliam Branham, ne "Siphiwo sokuPhilisa" esimangalisayo. Lena yindaba kaNkulunkulu enza "okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuzindlayo" (Kwabase-Ef. 3:20), ngoba angikaze ngibone noma ngifunde nganoma yini ukulinganisa inkonzo yokuphilisa kaWilliam Branham.

## INGELOSI IYABONAKALA

NgoMeyi 7, 1946, iNgelosi eyayikhulume noMfowethu Branham ngephimbo elizwakalayo ngezikhawu kusukela ebuntwaneni bakhe kwehle kuze kube yilesisikhathi, ekugcineni yabonakala kuye, phakathi kwezinye izinto yamtshela ukuthi ukuFika kukaKristu kwase kuseduze. NesiThunywa saseZulwini sathi: *"Ngithunywe ngivela ebukhoneni bukaNkulunkulu uMninimandla onke ukukutshela . . .ukuthi uNkulunkulu ukuthumele ukuba uthathe isiphiwo sokuphilisa usiyise kubantu bomhlaba."*

Ekhasini 1291 leBhayibheli iScofield, uDr. C. I. Scofield, D.D., ezenezelelweni ezibhalwe ekugcineni ngezansi uthi ngeziNgelosi: "Nakuba izingelosi ziyimimoya (AmaH. 104:4; amaHeb. 1:4), ziphiwa amandla ukuba zibonakale ngokufana nesimo somuntu (uGen. 19:1 neminye eminingi imiBhalo kuwo omabili amaTestamente eliDala neliSha). KuEks. 23:20, uNkulunkulu wathi kuMose: 'Bheka Ngiyathuma iNgelosi phambi kwakho, ukuba ikulondoloze endleleni ikuyise endaweni eNgiyilungisileyo.' Futhi kuGen. 24:40, siyafunda, 'INkosi . . . izakuthuma iNgelosi yaYo nawe, iphumelelise indlela yakho'."

Yilokhu impela uNkulunkulu akwenzele uMfowethu Branham. Akaqali ukukhulekela ukuphiliswa kwabahluphekile emzimbeni emgqeni wabaphiliswayo ubusuku ngabunye, uNkulunkulu aze amgcobele ukuba kusebenze isiPhiwo, futhi aze abuzwe ubukhona beNgelosi inaye emsamo. Ngaphandle kwalokhu ukuzwa, ubonakala engenakusiza ngalutho nhlobo.

## KUNIKEZWA IZIBONAKALISO EZIMBILI

Manje qaphela ukuthi uNkulunkulu akathumanga kuphela iNgelosi ukuba ibe noMose, Wamnika futhi izimangaliso ezimbili eziphelele njengezibonakaliso nobufakazi kubantu ukuthi uNkulunkulu wayebonakele kuye futhi wamyala, phansi kokuqondisa kwaphezulu, ukuba abe ngumkhululi wabo (uEks. 4:1–31). Isibonakaliso sokuqala saba ngesaleyonduku kaMose iphenduka iba yinyoka, nesibonakaliso sesibili saba yileso sokufaka isandla sakhe esifubeni sakhe futhi saphenduka saba "wuchoko olunjengeqhwa," njl. UNkulunkulu wathi kuMose, "Kuyakuthi, uma bengayikukholwa nguwe, bengalaleli izwi lesibonakaliso sokuqala, bayakukholwa yizwi lesibonakaliso sasemuva" (uEks. 4:8). Emavesini amathathu okugcina alesisahluko sifunda ukuthi lapho lezizibonakaliso ezimbili ziphindwa "phambi kwabantu, abantu bakholwa . . . base bekhothama bakhuleka."

Nje kanjalo, ukwengeza ekuthunyweni kweNgelosi ukuba ibe naye futhi imphumelelise uMfowethu Branham, Umuphe futhi izibonakaliso ezimbili ngokuphelele ezimangalisayo ezisebenzile ukuphakamisa ukukholwa kwezinkulungwane ebezingenakwelapheka ngokobuntu kuze kufike elevelini lapho i "siPhiwo sokuPhilisa" sisebenza khona.

## UKUXILONGWA KWESIFO OKUNGESIKHO OKWASEMHLABENI

Isibonakaliso sokuqala: Ngenkathi iNgelosi ibonakala kuMfowethu Branham, yamtshela ukuthi uyokwazi kanjani ukubona nokuxilonga zonke izifo nezinhlupheko; ukuthi uma

isiphiwo sisebenza, ngokuthatha isandla sokudla sesiguli wayezozwa ukudikizela kwenyama okunhlobonhlobo noma ukushaya kwemithambo okwakuzobonisa kuye izifo ezinhlobonhlobo isiguli ngasinye esasiphethwe yikho. Izifo zamagciwane, ezibonisa ukubakhona nokusebenza kokuba “semandleni acindezelanayo” (iZenzo 10:38) umoya ohluphayo kungezwiwa ngokusobala. Uma umoya ohluphayo ufika uthintana nesiphiwo ususa isiyaluyalu esinamandla sokwenyama ngangokuthi uze ubonakale esandleni sikaMfowethu Branham, futhi ngempela ngempela ngangokuthi umisa iwashi lakhe lasesandleni masinya. Lokhu kuzwakala kuMfowethu Branham njengokubamba intambo kagesi esebenzayo inogesi omningi ohamba kuyo. Uma umoya onamandla acindezelanayo usukhishwa eGameni likaJesu, ungasibona isandla sikaMfowethu Branham esibomvu futhi sivuvukele sesibuyela esimweni saso. Uma ukuhlupha kungesiso isifo segciwane, khona-ke uNkulunkulu njalo uyakwembula ukuhlupha kuMfowethu Branham ngoMoya. Lesisibonakaliso sokuqala ngokwejwayelekile siphakamisa ukukholwa komuntu ngamunye kube sezingeni lokuphiliswa; kodwa uma kungenjalo, isibonakaliso sesibili siyakwenza.

## UMBONI

Isibonakaliso sesibili: INgelosi yamtshela ukuthi ugcobo luyomenza ukuthi abone futhi lumenze akwazi ukutshela abezwa ubuhlungu eziningi zezehlakalo zezimpilo zabo kusukela ebuntwaneni babo kwehle kuze kuzoba yisikhathi samanje. Utshela ngisho abanye imicabango yabo beseza emsamo noma ngaphambi kokuba beze emhlanganweni. Ngimzwile esho khona maduze nje kumama eletha intombazane yakhe encane, “Nenekazi, umntanakho wazalwa eyisithulu nesimungulu; futhi wathi nje ungathola ukuthi ayizwa, wamyisa kudokotela.” Futhi uMfowethu Branham wamtshela khona impela umama okwashiwo udokotela. Umama wathi, “Kunjalo impela.” Izethameli eziningi ziyakuzwa konke lokhu ngemibhobho ephumela emphakathini. UMfowethu Branham empeleni uyakubona ngokulinganisa futhi aphushele umbhobho eceleni ukuze izethameli zingakuzwa, utshela isiguli nganoma yiziphi izono ezingavunyiwe nezingayekiwe ezimpilweni zazo ezifanele ziyekwe ngaphambi kokuba isiPhiwo sisebenze ukuba bakhululwe. Kuthi nje abantu abanjalo bangavuma futhi bethembise ukuyeka isono noma izono esezembuliwe kanjalo, ukuphiliswa kwabo kaningi kufika ngesikhashana ngaphambi kokuba uMfowethu Branham abe nesikhathi sokukhuleka. Lezizinkulumo-mbiko ngeNgelosi ziyafakazeleka emihlanganweni kaBranham njalo ebusuku phambi kwamehlo ezinkulungwane.

Kanjalo izethameli eziningi zizibonela ngamehlo njalo ebusuku kuphinda phinda izinhlobo ezintathu zezimangaliso ezisobala. Ezokuqala ezimbili azibaphilisi abezwa ubuhlungu, kodwa kuphela zisebenza njengesibonakaliso ukuphakamisa ukukholwa kohluphekileyo kuze kufike ezingeni lapho "isiphiwo sokuphilisa sisebenza khona ekukhululweni kwabo." Kusobala, lezizibonakaliso ezimbili eziyisimangaliso zinokwenzeka kuphela lapho kusekhona ugcobo lukaMoya oNgcwele phezu kukaMfowethu Branham ngalenhloso.

## KWEDLULA "ISIPHIWO SOKUPHILISA"

Akungabazeki amaKristu ambalwa lapha nalaphaya, ngesikhathi soNyaka weBandla, namanye kulesisikhathi samanje aphiwe i "siPhiwo sokuPhulukisa" esifakwe ohlwini phakathi kweziphiwo eziyisishiyagalolunye zokomoya esaHlukweni se 12 sakwabaseKorinte I, ngasinye esichazwa njenge "Sibonakaliso sikaMoya" (KwabaseKor. I 12:7-11). Bangabakhona abantu-nje kuwo onke amabandla abaphiwe kanjalo.

Kodwa uMfowethu Branham ungumgudu ukwedlula isiphiwo nje sokukhulekela; unguMboni futhi njengoba babenjalo abaProfethi beTestamente eliDala. Ubona izehlakalo zingakenzeki. Ngambuza, "Uchaza ukuthini? Uzibona kanjani?" Waphendula, "Njengoba ngibona wena nje; ukuphela ukuthi ngiyazi ukuthi umbono." Ngokucace nje njengoba umuntu ebona izinto eziphathekayo zibazungezile, uMfowethu Branham, esesemkhulekweni emini, ubona embonweni ezinye zezimangaliso ezinkulu zingakenzeki. Ubona abanye bethwelwe ngezinhlaka zemibhede yama-ambulense, noma behlezi ezihlalweni ezinamasondo, futhi angabachaza ukuthi babukeka kanjani nokuthi bagqoke kanjani, njl. Esakhonjiswa lezizimangaliso ngaso lesosikhathi, uvamise ukuba abe, okwesikhathi, angazazi izinto ezenzekayo eduze kwakhe. Akukaze nakanye esikhathini esingaphezu kweminyaka eyisithupha kusukela emukela isiphiwo lezizambulo zehluleke ukuveza izimangaliso eziphelele ngokufana ncamashi njengoba esevele ezibonile emibonweni. Ngalezizikhathi angasho ngokuqiniseka uqobo, "Isho kanje iNkosi," futhi akasho lona neze iphutha. Wangitshela ukuthi wenza nje kuphela lokho asevele ezibone ekwenza embonweni. Impumelelo yalomkhakha wenkonzo yakhe uyi 100% ncamashi.

## UKUBHEKA OKUNGABONWAYO

Uma isiphiwo sisebenza, uMfowethu Branham ungumuntu ozwela kakhulu ebukhoneni nasekusebenzeni kukaMoya oNgcwele nasezintweni ezikhona ngempela zokomoya kunanoma yimuphi omunye umuntu esengake ngamazi. Phansi

kogcobo olusebenza iziphiwo zakhe zokomoya futhi uma ebuzwa ubukhona beNgelosi, ubonakala ebhoboza iveyili yenyama ayongena ezweni lomoya, futhi abonakale eshaya khona ngempela emzweni wokungabonwayo. UPawulu waloba (KwabaseKor. II 4:18,), "Thina esingabheki okubonwayo, kodwa okungabonwayo: ngokuba okubonwayo kungokwesikhashana; kepha okungabonwayo kungokwaphakade."

Amazwi kaPawulu lapha ayakhomba ukuthi manje siphila emazweni amabili ngesikhathi esifanayo—izwe lomuzwa, nezwe likamoya. Izwe lomoya liphahla, lizongolozele, futhi lichushe ezweni lomuzwa. Omabili amazwe ahlala endaweni efanayo ngesikhathi esifanayo. Izinto ezikhona ngempela eziphathekayo esizibona ngamehlo ethu emvelo zikhona phakathi ezintweni ezikhona ngempela ezingcono kakhulu ezingabonwa ngumuzwa omkhulu weso. ImiBhalo isifundisa ukuthi izinto ezinkulu ezikhona ngempela "zaphakade" ziyasizungeleza manje. Noma yikuphi okubonwayo lowo nalowo wethu akubonayo ngaso sonke isikhashana sokubakhona kwethu, kukho konke ukujika kwendlela yethu, ukuba besinamehlo agcotshiwe ukuba sizibone ngawo! "Okubonwayo" kuhlala phakathi ko "kungabonwayo," o "kwesikhashana" phakathi kokwa "phakade."

UPawulu uthi, "Ohlangene neNkosi ungumoya munye nayo." Sisagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, umoya wethu noMoya kaNkulunkulu uxubana kowodwa ngendlela efanayo yokuthi ulwandlekazi nomtata kunye ngoba ulwandlekazi lugeleza lungene emtateni. Bese-ke kuba ngukuthi izinto ezikhona ngempela ezinhle kakhulu zokomoya zizuza khona ukuthonya bese ziba ngezibusa kakhulu. Sibona iqiniso nezinto ezikhona ngempela zokomoya ngamehlo kaNkulunkulu. Ngezikhathi ezinjalo izehlakalo zesikhathi esizayo zibonakala zikhona njengokusibona singakafiki isithombe esikhangayo siza sinyakaza. UJesu washo ukuthi "UMoya uyonibikela okuzayo."

## IZIMANGALISO ZIBONWA NGAPHAMBILI

Phakathi nomhlangano waseFort Wayne inenekazi langena emgqeni wokuphilisa liphethe umntwana owazalwa enonyawo olukhubazekile umlenze wakho owawufakwe ukhonkolo. Kwathi nje uMfowethu Branham angababona, ngaphandle kokuthi ame ukuba akhulekele ukuphiliswa komntwana, wathi enenekazini, "O, yebo, uzokwenza engikutshela ukuthi ukwenze?" Inenekazi laphendula, "Ngizokwenza." Wayesethi kulo, "Hamba uye ekhaya ukhiphe lowokhonkolo, futhi uma usubuya kusasa ebusuku, umlethe umntwana, futhi uyoba nonyawo oluphile saka." Umbhobho wawezwakalisa lamazwi kuzo zonke izethameli eziningi. Kwabathatha ngaphezu kwehora ngalobobusuku ukukhipha ukhonkolo. Kwathi

inenekazi seliletha umntwana ngobusuku obulandelayo, umntwana wayesenonyawo oluphile saka futhi wayegqoke izicathulo ezincane ezimhlophe futhi wayehamba. Udokotela unyawo waluthatha isithombe se X-ray esibonisa ngaphakathi futhi waluthola luphile saka. Ngambuza uMfowethu Branham ngakusasa ukuthi uledluliseleni inenekazi nomntwana emgqeni wokuphilisa engakukhulekelanga ukuphiliswa komntwana. Waphendula, "Besingekho isidingo, ngoba embonweni ntambama ngimbonile umntwana ephiliswa." Kungenza lendatshana ibeyinde kakhulu uma ngingalanda ngezindaba eziningi ezimangalisa kakhulu ekuzihlaziyeni kunalendaba. Lomkhakha wenkonzo yakhe wodwa ungenza indaba yebhuku.

EsaHlukweni 5 sikaJohane oNgc., uJesu uthi, "UBaba usebenza kuze kube-manje, nami Ngiyasebenza . . . INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza: ngokuba lokho akwenzayo Yena, neNdodana iyakwenza kanjalo, ngokuba uYise uyayithanda iNdodana uyikhombisa konke akwenzayo Yena." Wayechaza ukuthini uJesu na? Kusobala, uJesu wayenguMboni njengoba babenjalo abaProfethi beTestamente eliDala. Wazibona izimangaliso zakhe zingakenzeki. Wabona umuntu owayesegule iminyaka engama 38 owayengakwazi ukungena echibini lapho iNgelosi yehla ukuba izamazamise amanzi. UJesu weza kuye wayesethi kuye, "Thabatha uhlaka lwakho, uhambe." UJesu wabona uLazaru evuswa kwabafileyo Engakasenzi isimangaliso. Wathi kuNathanayeli, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komkhiwane, Ngakubona" (uJohane 1:48). Wabona ukuthi ithole lembongolo laliboshelwe kuphi engekho lapho. Wathi kubafundi baKhe ababili: "Hambani niye emzini, khona nizakuhlangana nomuntu othwele imbiza yamanzi; mlandeleni . . . " (UMarku 14:12-16). Futhi uKristu ohlezi ngaphakathi manje wenza ime njalo imisebenzi yaKhe ngethuluzi elingumuntu ngokwesethembiso saKhe salonyaka: "Okholwa yimi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza . . . ngokuba Mina ngiya kuBaba, noma yini eniyakukucela eGameni laMi, Ngiyakukwenza, ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni" (uJohane 14:12, 13).

## UMDONSO WOKUKHOLWA UYEZWAKALA

Endabeni yowesifazane owathinta umphetho wengubo kaJesu futhi waphiliswa, uJesu wathi, "Ngizwa kuphumile amandla kimi" (uLuka 8:46). Kwathi uma sekwaziwa lokhu, siyafunda kuMarku 6:55, 56, ukuthi "Kwathi nomaphi lapho Engena khona, emizaneni, nasemizini, nasemaphandleni, babeka abagulayo ezindleleni baMncenga ukuba bathinte noma umphetho wengubo yaKhe kuphela: bonke abaMthintayo

basindiswa." Akabongwe uNkulunkulu lawomandla obuhle afanayo asagobhoza evela kuKristu ohlezi ngaphakathi angene emizimbeni yabagulayo nabahluphekileyo, futhi bayasindiswa.

Izimangaliso eziyizibonakaliso ezimbili uNkulunkulu azibonakalisayo ngoMfowethu Branham ukuphakamisa ukukholwa kwalabo ababesemgqeni wokuphiliswa kuze kufike ezingeni elifanele, zinikwa futhi ukuphakamisa ukukholwa kwabahluphekile ezethamelini baze bafike ezingeni elifanayo. Lokhu ukukholwa kudonsa amandla obuhle afanayo akuKristu ohlezi ngaphakathi osebenza isiphiwo, futhi aphilise labo abahlezi ezethamelini. Akwenzi-mehluko noma ngabe izifo zakho zixilongwa ngokungesikho okwasemhlabeni, noma umuntu osemgqeni wokuphilisa, izibonakaliso ziyafana, futhi zinomphumela ofanayo kulabo abahlezi ezethamelini. Kungani izibonakaliso ziphindwa kumuntu ngamunye osevele ezibonile na? UMose akazange aziphinde izibonakaliso zakhe ezimbili kumIsrayeli ngamunye. Inkulungwane yayingazibonela ngamehlo ukubonakaliswa futhi yenziwe ukuba ikholwe ngesikhathi esifanayo. Ukukholwa ezingeni elifanele kunoma yiyiphi ingxenye yezethameli eziningi kudonsa emandleni obuhle kuKristu ohlezi ngaphakathi, osebenza isiphiwo; futhi lokhu angeke kwenzeke uMfowethu Branham engakwazi. Ukuzwa ngokusobala njengoba nawe ubungezwa uma ngingakudonsa ngebhantshi lakho, futhi uyazi ukuthi kuqhamuka ngaphi; futhi ukhomba ngisho umuntu ngamunye okukholwa kwakhe kuthinta uKristu.

Ngesinye isikhathi emhlanganweni waseLouisville, esakhulekela abagulayo emsamo, wezwa ukudonsa okuqinile kokukholwa kuvela ezethamelini, futhi kwathi nje ukudonsa kunganqamuka, wakhomba ngakuleyondawo wayesethi, "Inenekazi khona emuva laphaya lisanda kuphiliswa emdlavuzeni." Futhi laphiliswa.

Esafunda umBhalo kwezinye izethameli, wama wase ekhomba indoda ayengakaze ayibone ngaphambili, wayesethi kuyo, "Mfowethu, ukukholwa kwakho kusanda kukuphilisa manje nje kulowomdlavuza ogijima phakathi kwedolo lakho neqakala lakho." Umdlavuza woma khona lapho.

Esakhulekela labo abasemgqeni wokuphilisa emhlanganweni waseFlint, wama futhi ekhomba phezulu esitezi sesibili ngakwesokudla sakhe, wathi, "Ngisanda kuba nombono manje ngenenekazi eligqoke isudu el'hlaza okwesibhakabhaka igqoke iblawuzi elinemisho. Lisanda kuphiliswa kumdlavuza." Owesifazane wagxuma wama ngezinyawo zakhe futhi ejabule kakhulu wathi, "Yimina inenekazi." Ukukholwa kwakhe kwamenzela esitezi sesibili lokho ukukholwa okwakubenzela khona emsamo.

Intombi eyayizalwe iyinxemu futhi eyayikhona eSikoleni seBhayibheli eFort Wayne ngesikhathi somhlangano lapho yathi kuNkk. Bosworth owayengemuva esitendeni sezincwadi, “Angiboni ukuthi ngingaze ngingene kanjani kuloyamugqa wokuphilisa, baningi kakhulu.” UNkk. Bosworth wathi kuyo, “Awuzukukudinga. Hhlala emuva lapha nje futhi ucele uNkulunkulu ukuba aphakamise ukukholwa kwakho kuze kufike ezingeni lokuphiliswa, futhi uzodonsa esiphiweni amandla obuhle okuphiliswa.” Yakwenza lokhu, futhi ngesikhathi senkonzo uMfowethu Branham wama wase ekhomba ngakuyo wayesethi, “Intombi esemuva laphaya iphiliswe manje nje ezinxemwini.” Amehlo ayo selokhu aqonda kusukela lapho.

Intombi yayithwelwe ngohlaka lombhede ingeniswa emhlanganweni. Yayibulawa yilukhemiya isifo esibonakala ngokwanda kwezinhlayiya ezimhlophe egazini. Ndawo zombili eJohns Hopkins naseKliniki yakwaMayo yatshelwa ukuthi konke okunokwenziwa kwase kwenziwe nokuthi kwakungasekho-themba lokuphila kwayo. Umqondo wayo wase uqale ukudela. Ngathi nyelele ngasuka emsamo ngaya ohlakeni lwayo lombhede futhi ngayitshela ukuba ikhulekele ukuthi uNkulunkulu aphakamise ukukholwa kwayo kuze kufike ezingeni lokuphiliswa nokuthi kuzo kwenza isiphiwo sisebenze noma kudonse uMfowethu Branham ehlele kuyo. Ngazibhekisisa izindebe zayo zinyakaza emkhulekweni futhi khona-manjalo uMfowethu Branham wawuzwa umdonso wokukholwa, wagxuma wehla emsamo wase eya ohlakeni lombhede wayo, wayikhulekela, wayesethi, “Egameni likaJesu vuka usuke ohlakeni lwakho lombhede, yemukela amandla aphezulu futhi uphile.” Yalalela nezandla ziphakeme futhi nezinyembezi zokujabula nokudumisa zehla zigeleza ezihlathini zayo, yahamba yaya emuva naphambili phambi kwabo bonke abantu futhi yehla ngezikhala zezihlalo. Udadewabo wangitshela kamuva, “Udadewethu uyamangalisa.”

EHholo enkulu iFair Park eDallas, eTexas, ngobunye ubusuku ngenkathi izihlalo zabashayi bezigubhu nezimfijoli zazigcwele iziguli ezisezinhlakeni nasezihlalweni ezinamasondo, ngenkathi uMfowethu Branham ematasatasa ekhulekela labo abasemgqeni wokuphilisa, wayelokhu ewuzwa umdonso wokukholwa ngakwesokudla sakhe owathi ekugcineni wanqamuka. Kwathi eseqedile nalabo ayebhekene nabo, wakhomba indoda eyayisohlakeni lombhede esihlalweni sabashayi bezigubhu nezimfijoli, wayesethi kuyo, “Ndoda, sukuma, uphiliswe cishe emizuzwini emihlanu.” Yasukuma idumisa uNkulunkulu. Umkayo weza kuyo futhi bagaxana futhi bakhala bejabula ndawonye. Wayelethwe evela eChicago esesimweni sokufa namaphaphu ayo edliwa umdlavuza.

Yaphulukiswa futhi yeza emhlanganweni olandelayo eFt. Wayne ezinsukwini ezimbalwa kamuva ukuba izonikeza ubufakazi bayo. Isithamele imihlangano eminye emibili kusukela lapho. Ngingaqhubeka ngiqhubeke ngilanda amakhasi amaningi okuphiliswa okufananayo kwalabo abaphiliswa besahlezi noma belele ezinhlakeni ezethamelini ngaphandle kokuthi uMfowethu Branham abathinte.

## AZIKHO IZEHLO EZILUKHUNI

Ayikho into okuthiwa yisehlo esilukhuni kuNkulunkulu. Inenekazi laseGrisi elalingavuleki emphinjeni walo langena emgqeni womkhuleko. Lalingakwazi ukuphuza ngisho ithonsi elilodwa lamanzi noma nhloboni yokudla. Kwathi nje uMfowethu Branham angalikhulekela laphuza ingilazi yamanzi futhi ladla umbhosho kaswidi. Emva kobusuku noma obubili kulowomhlangano ofanayo izithulu ezingezwa futhi ezingakhulumi eziyisishiyagalolunye zangena emgqeni womkhuleko futhi zonke eziyisishiyagalolunye zaphiliswa.

Labo ababezalwe beyizimpumputhe babona. Emva kokukhulekela indoda eyayingaboni kwasanhlobo, uMfowethu Branham wathi kuyo, "Hamba uye epulpiti futhi ubeke umunwe wakho ekhaleni lalowomshumayeli." Yahamba yaqonda ngqo kumfundisi futhi yamdonsa ngekhala, yenza ukuthi izethameli zihleke.

Isithunywa senkolo esaziwayo esasivela ePalastine esigabeni sokugcina se T.B, salethwa sivela eYakima, eWashington, sise ambulenseni eya eHholo leDolobha eSeattle, eWashington. Uhulumeni wasikhokhela ithikithi lebhanoyi ekhaya. Lapho siyalwa, eGameni likaJesu, ukuba sisukume futhi siphile senzenjalo, futhi ezinsukwini ezimbili kamuva sasenza umsebenzi wezandla ngokuzungeza ikhaya laso.

## UKUPHILISWA KWENINGI

Kuthi nje ekubizelweni e altare noma esimemweni ezonini kulandele inkonzo yokuvangela, ngakho emva kokuxilonga kokungesikho okwasemhlabeni nokuphiliswa kwalabo abasemgqeni womkhuleko, isimemo manje sesinikezwa labo abasezethamelini abazimisele ukwemukela ukuphiliswa kwabo. Ukuphiliswa koyedwa ngesikhathi esisodwa kuphela kungukulungiselela inkonzo enkulu yokuphilisa. Kuphela yinkonzo eyinto eyisifundo ukuze kukhulunywe nabo bonke abasezethamelini abadinga izinzuzo zengxenye yokuphilisa yeVangeli.

Kuba njengezoni eziyikhulu nje ezingasemukela isimemo somvangeli bese zizibonela isimangaliso esikhulu esisekhona sokuzalwa ngokusha koquqaba, ngakho bekubonakaliswa

ngokwenza ngokumangalisayo ukuthi abagulayo bangaphiliswa beluquqaba ngesiphiwo sokuphiliswa. Ngasekupheleni kwenkonzo kaMfowethu Branham ngokuvamisile ukhomba ngokushesha omunye kulandele omunye ethi, "UKristu usekuphilisile." Abanye abantu baphosa amakhadi abo okukhulekelwa emoyeni, baphose phansi izinduku zabo zokuqhugela nalabo abebengakwazi ukuma noma ukuhamba bagxuma bame ngezinyawo zabo, abanye babo begxuma futhi bedumisa uNkulunkulu bejabula. Ukubonakalisa ngokwenza okunje kungaphezu kokuchazwa. Komunye umhlangano owodwa othize umfana esesihlalweni owayengakwazi ukuma noma ukuhamba, wagxuma wama ngezinyawo zakhe edumisa uNkulunkulu. Emizuzwini embalwa kamuva, ngamqhweba ngase ngicela isixuku ukuba simvulele indlela futhi simdedele eze emsamo. Wahamba waya embhobheni futhi kahle eshumayela ezethamelini ezazikhala. Isiphiwo sasebenzela ukuphiliswa koquqaba njengoba nje kade sekuvele kwenzekile emgqeni womkhuleko lapho baphiliswa kanye ngesikhathi esisodwa.

## IZONI ZIZINIKELA NGOBUNINGI

Futhi okuhle ukwedlula konke, izoni zilethwa kanjalo ekulahlweni yisono futhi zifune ukusindiswa. KwabaseRoma 15:18, 19, uPawulu ukhuluma ngokwenza "kube ngokulalela kwabeZizwe, ngezwi nangesenzo, ngamandla ezibonakaliso nezimangaliso, ngamandla kaMoya kaNkulunkulu . . . ngasuka eJerusalema, ngazungeza ngaze ngafika eIliriku." Ngibone izoni eziningi ngangezinkulungwane ezingamashumi amathathu ngosuku olulodwa vo zima ngezinyawo zazo zikhala izinyembezi ukuba zinikele izinhliziyo zazo kuNkulunkulu. Akumangalisi uJesu athi, "Nakumuphi umuzi eningena kuwo—niphilise abagulayo abakuyo."

Ecaphuna amaHubo 68:18, uMphostoli uPawulu wathi kwabase-Efesu. 4:8, "Esenyukele phezulu, wathumba abathunjiweyo wapha abantu izipho." Izindaba zalesisiphiwo saphezulu eBandleni eminyakeni eyisithupha emifishane sesihambe umhlaba jikelele, neziningi izingcingo eziphuthumayo zivela kuzozonke izingxenye zomhlaba. Abanye abahluphekile bebendiza bawele amanzi bevela kwamanye amazwe ngebhanoyi baye eUnited States ukuba bakhulekelwe.

Ngaphambi kokuthi ngivale, ngizwa kuthi kufanele ngisho kulabo abafunda lemigqa kodwa abangakwazi ukwethamela uMhlangano kaBranham, ukuthi lokhu akudingi ukuba kunivimbele ekubeni niphulukiswe, nani. Izinkulungwane ziphiliswe ngokumangalisayo ngomkhuleko wazo. UNkulunkulu ufisa ukuphiliswa kwakho ngaphezu kokuba

kube nokwenzeka kuwe ukuba ukufise. UJesu wafa ukuze akwenze kwenzeke. IKalvari yenza yonke into uNkulunkulu ayethembise ukuba ibe yimpahla eqondene nawe. "Ukuphilisa umuntu ngokuphelele" kuyintando kaNkulunkulu ifakazelwe futhi yabonakaliswa ngokwenza kwabaningi ningi. Incwadi yethu efundwayo yokuphilisa kanye no "mkhuleko wokukholwa" ilethe ukuphiliswa ekubeni kubanjwe yizinkulungwane eziningi. Izimfakazo eziwuxhaxha ezingacelwanga zisalokhu zifika kithi zivela kubangane bethu bomsakazo nabazana nabo. Incwadi yami, "UKRISTU UMPHILISI", manje esikhishwe okwesikhombisa (amakhasi angama 250), iqukethe futhi ichaza kahle amaqiniso eBhayibheli asekhulule abaningi ningi kuzo zonke izinhlupheko zokungasindi kwabantu ngokomzimba lapho kwakungekho-muntu okhona onesiphiwo sokuphilisa, kungekho ngisho ilunga ukuba likhuleke umkhuleko wokukholwa. Baphiliswa ngokukholwa nje nokwenza okusemiBhalweni emayelana nokuphiliswa komzimba wabo, ngendlela efanayo izoni ezikholwa ngayo futhi zikwenze okusemiBhalweni mayelana nokuphiliswa komphefumulo wazo. Incwajana yami ethi "UkuVuma komKristu," ekhombisayo ukuthi ukuqinisa kwethu kufanele kube njani ngokokuzuza zonke izibusiso zokuhlengwa, yenza izimanga. Amaqiniso ayo, enziwayo, azoletha ukugcwaliswa kwesethembiso sikaNkulunkulu ukuphilisa noma ukwenza noma yini enye Ayethembisile eBhayibhelini.

Umfu. F. F. Bosworth

# WayiVakashelelani UWilliam Branham INingizimu Afrika?

Nsuku zonke kufika ekhaya likaWilliam Branham izibalo ezingenakubalwa zezicelo zomkhuleko. Eziningi zalezi ziphelekezelwa amathikithi ebhanoyi bemcela ukuba afike azokhulekela abagulayo. Kwaba ngesinye salezizicelo esabangela uMfowethu Branham ukuba akwenze kube yindaba eqinisekayo yomkhuleko maqondana nohambo lwakhe lokuya eNingizimu Afrika. Wayeke wayinaka iNingizimu Afrika ngaphambili, kodwa iNkosi yayilokhu njalo imkhomba ukuba aye kwenye indawo. Ngalonyaka wayecabange ngeAustraliya neJapan, kodwa iNkosi yamholela ngqo eAfrika.

Phakathi nenyanga kaJanuwari, ngo 1950, uMfowethu Branham noMfowethu F. F. Bosworth babephethe imihlangano eHouston, eTexas. Ngokuhlwa okufanayo isithombe sikaMfowethu Branham esathwetshulwa ngabo, esabonisa indingilizi yokukhanya phezu kwekhanda lakhe, uMfowethu Bosworth wakhombisa uMfowethu Branham isithombe senenekazi. Sasiphelekezela incwadi nethikithi lebhanoyi sivela kuFlorence Nightingale waseThekwini, eNingizimu Afrika, isihlobo esiqhelile kuFlorence Nightingale owaqamba isiPhambano esiBomvu. Wayesengamathambo nje futhi wabakhumbuza uGeorgia Carter, intombi yaseMilltown, eIndiana, eyayisesimweni esifananayo ngaphambi kokuba ithole ukuphiliswa kwayo. Cishe iminyaka eyisishiyagalolunye yayilele ngomhlane iphethwe yisifo sofuba futhi isinda cishe amaphawondi angamashumi amane ngesikhathi uMfowethu Branham eyikhulekela.

LoFlorence Nightingale waseThekwini wayephethwe umdlavuza emlonyeni wesisu okubangela ukuba umuntu abulawe yindlala. Wayesinda kuphela amaphawondi acishe abe amashumi amahlanu. Wayefunzwa ngemithambo ngamanzi anoshukela kwaze kwafika lapho khona kwakungasenakwenzeka. Ezwa ngoMfowethu Branham, wamkhalela ukuba eze futhi amkhulekele. Kanjalo wambhalela ukuba eze, ethumela kanye nesithombe sakhe nethikithi lebhanoyi.

Ngalobobusuku eHouston bakhulekela uFlorence Nightingale, bethembisa uNkulunkulu ukuthi uma Engamphilisa futhi amenze aphile saka, bayokuthatha njengenkomba evela kuNkulunkulu yokuthi bafanele baye eNingizimu Afrika.

Emavikini ayisishiyagalombili kamuva iqembu likaBranham lehlela eNgilandi lisendleleni ebheke eFinland. INkosi

yaseNgilandi yayithumele ngocingo oluhamba emanzini icela uMfowethu Branham eze futhi ayikhulekele. Lapho iqembu likaBranham lehla ebhanoyini, igama likaWilliam Branham labizwa embhobheni. UFlorence Nightingale wayefike esikhumulweni emizuzwini eyishumi nanhlanu nje ngaphambili futhi labo ababekanye naye babefake lesisimemezelo sikaMfowethu Branham ukuba afike masinyane ngoba babecabanga ukuthi wayefa. Indawo yayiminyene kakhulu ngangokuthi baziswa ukuba bathintane naye eHhotela iPicadilly. Lokhu kwenziwa namalungiselelo enziwa ukuba eze ehhotela lakhe owesifazane.

Kwakungolunye lwalezozinsuku ezinenkungu ngoApreli ngenkathi behamba ngemoto beya ehhotela lapho ayehlezi khona. Akukho-muntu eqenjini owayeke wabona isidalwa esingumuntu sisesimweni esibi kanje njengowesifazane kulelokamelo. Wayezace ngangokuthi isikhumba sasesinamathele emathanjeni akhe. Izinhliziyo zabo zaba-nesihe. UFlornce Nightingale wayekhuluma kalukhuni lapho izinyembezi zehla ezihlathini zakhe ngoba wayephethwe ubuhlungu obunzima.

Bonke, kuhlangene nomfundisi waseBandleni laseNgilandi kanjalo nabahlengikazi bakhe, baguqa baqala ukumkhulekela. Lapho beqala ukukhuleka kwafika ijuba lahlala onqenqemeni lwefasitela, libuka ngaphakathi lapho liqala ukukhala. Emva komkhuleko, ngenkathi uMfowethu Branham esethe, “Ameni,” ijuba lasuka landiza. Umfundisi waqala ukukhuluma ethi, “Ulibonile leliyajuba?” Engakawuqedi umbuzo uMoya weNkosi wahamba phezu kukaMfowethu Branham ukuba akhulume lamazwi—“Isho kanje iNkosi, uzophila, dadewethu.”

Ezinyangeni eziyisishiyagalombili emva kokuba uMfowethu Branham esemkhulekele uFlorence Nightingale eNgilandi wathola esinye isithombe esivela kuye. Ngalesisikhathi wase eyisithombe esiphelele esinempilo futhi esesinda amaphawondi ayi 155. Wayenze isifungo sakhe kuNkulunkulu futhi manje wayesenelisekile ukuthi wayefanele aye eNingizimu Afrika. UNkulunkulu wayembizele eNingizimu Afrika futhi manje isifiso sakhe sasingukuthi angahle abe yisibusiso kubantu ayebizelwe ukubakhonza.

Ngenkathi siseseGoli, futhi kusasele amaviki ngaphambi kokuba siye eThekwini, uMfowethu Branham wasitshela ukuthi imihlangano yethu emikhulu kunayo yonke izoba seThekwini. Wayehlala njalo ekhuluma ngeTheku enethemba lezinto ezinkulu zenzelwa uNkulunkulu. Kamuva kulencwadi nizothola umbiko wemihlangano eyayibanjelwe lapho, imihlangano emikhulu kunayo yonke eseyake yabanjelwa eNingizimu Afrika. Asibanga nalo ithuba lokubonana noFlorence Nightingale ngenkathi siseNingizimu Afrika ngoba siqonda ukuthi manje usehlala eNgilandi.

# INkonzo Uqobo

Sanibona kusihlwa, bangane. Umusa omkhulu kaNkulunkulu nokuthula makube nani nonke. Ukuhlala kwami lapha edolobheni lakini kufishane, kodwa ngiwajabulele onke amahora akho. Ngiyezwa enhliziyweni yami ukuthi lolu aluzukuba uhambo lwami lokuza lwaseNingizimu Afrika. Uma uNkulunklulu ezovuma, siyokujabulela ukuba siphinde sibuye futhi. Akungabazeki niyobe seninokukholwa okuningi ngalesosikhathi, ngenxa yalokho enikubonileyo nenizokubona kulobubusuku. Ngiyazi ukuthi ezethamelini kulobubusuku kukhona abantu abaningi asebevele bephilisiwe. Ningahle ningakuqondi lokhu njengamanje, kodwa kuphawuleni enginitshela khona. Emavikini ezayo nizobona abantu abake bagula beza kubefundisi babo nabangane futhi bathi, “Lokho kuphathwa yisisu sekuphelile,” “Umdlavuza—angisenawo,” futhi “Awubheke ingalo yami; sengingayisebenzisa,” nezinye izinto eziningi ezinjengalokho. Nizobona ukuthi nginitshele iqiniso.

Ngingathanda ukubona imvuselelo kuwo onke amabandla aseNingizimu Afrika. Sonke simunye kuKristu. SinguMoya-munye sihlangene emzimbeni owodwa. Akuzukumangalisa yini ukubona izindonga zamahlelo zidilizelwe phansi ukuze sonke sisebenze simunye kuJesu Kristu na? Lokhu kuzoletha imvuselelo.

Manje ngifisa ukufunda nje ingxenye yomBhalo ngoba ngicabanga ukuthi akukho-nkonzo ephelele ngaphandle kokufundwa kweZwi. Amazwi ami ayohluleka, njengawanoma yimuphi umuntu, kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze lahluleke. Khumbulani, iZwi likaNkulunkulu liyomehlula uSathane noma yikuphi, noma ngasiphi isikhathi nangaphansi kwanoma yisiphi isimo. Ngenkathi uJesu elapha, uBaba wayekuYe futhi Wayelingana noBaba. Nokho, ngenkathi Edibana noSathane, Akasebenzisanga noma yisiphi seziphiwo zaKhe. Kuphela Wathi, “Kulotshiwe.” Ngasosonke isikhathi uJesu wathi, “Kulotshiwe,” Wamehlula uSathane. Ninesethembiso eZwini likaNkulunkulu, futhi ngasosonke isikhathi uma usebenzisa iZwi ngokukholwa, uSathane uzokushiya. Leli yiZwi likaNkulunkulu futhi uma lokho engikushoyo kungavumelani nalokhu, khona-ke amazwi ami awalungile. Kodwa uma amazwi ami evumelana neZwi likaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu uzowahlonipha, Asevele ekwenzile emihlanganweni yethu.

Manje ngifisa ukufunda esahlukweni sesibili sikaLuka oNgc., ngiqale evesini lamashumi amabili-nanhlanu.

"Futhi, bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema, ogama lakhe linguSimeyoni; lomuntu wayelungile okholekayo, ebhekile induduzo kaIsrayeli: noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe. Kwakubonakalisiwe kuye ngoMoya oNgcwele, ukuthi akayikubona ukufa, engakamboni uKristu weNkosi. Wafika ngoMoya ethempelini; kwathi abazali sebemngenisile umntwana uJesu, ukuba benze kuye njengesiko lomthetho, Wamamukela ngokumgona, wambonga uNkulunkulu, wathi, Nkosi, sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, njengeZwi lakho: Ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho, Oyilungisele ebusweni babantu bonke; Ukukhanya kokukhanyisa abeZizwe, nenkazimulo yesizwe sakho uIsrayeli. Bamangala oJosefa nonina ngalokho okukhulunywa ngaye. USimeyoni wababusisa wathi kuMariya unina, Bheka, lomntwana umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kuIsrayeli; Nesibonakaliso esiphikwayo; (Yebo, inkemba iyakudabula nowakho umphefumulo,) Ukuba kwambulwe izizindlo zezinhliziyo eziningi. Kwakukhona uAna, umprofethikazi, indodakazi kaFanuweli, owesizwe sika-Aseri: wayesekhulile kakhulu ebehlalile nendoda iminyaka eyisikhombisa emva kobuntombi bakhe; Engumfelokazi waze waba-neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane, engasuki ethempelini, ekhonza uNkulunkulu ngokuzila nangokukhuleka ubusuku nemini, Naye-ke efika ngasona lesosikhathi wabonga iNkosi, wakhuluma ngayo kubo bonke ababebheke ukukhululwa kweJerusalema."

Sengathi iNkosi uJesu ingenezela isibusiso saYo ekufundweni kweZwi.

Ngifuna ukukhuluma imizuzwana nje embalwa ngamathemba. Ngokwejwalekile uthola lokho okulindele. Manje uma uhambe waya emhlanganweni ukuba uyogxeka nje, uSathane ngempela uzokukhombisa okuthize ozokugxeka. Uma uzela ukuzothola ukubusiswa, uNkulunkulu uzoqiniseka ukuthi uyakuthola ukubusiswa, ngoba noma yini oyilindele uzoyithola.

Ake ngininike isibonelo sokuthi ngichaza ukuthini. Umama wami wake wangithuma ephathini futhi wangitshela ukuthi ngiyofike ngibone udadewabo. Wangichazela yena, ethi wayemncane, ethe ukuba nobuso obucijile, enesimongo esikhulu, futhi ekame izinwele zakhe zabheka emuva, wase ezisonga ngemuva. Ngahamba ngayomcinga. Ngase nginawo umcabango othize ukuthi wayebukeka kanjani.

Manje, uma nizele ukuzophiliswa ngokukaNkulunkulu, nifanele ukuba nawo umcabango othize wokuthi ngabe uNkulunkulu uyini. Niyakukholwa lokho na? Manje, uNkulunkulu unguMoya, kodwa ungayiqaphela indlela Ahamba ngayo. UJesu washo ukuthi Wayezothumela uMoya oNgcwele ubuye futhi Wayezofakaza ngoKristu, futhi asikhumbuze lezizinto uJesu ayezishilo. Futhi Wayezosibikela okuzayo. Wathi, "Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; nemisebenzi emikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba Mina ngiya kuBaba." Washo futhi ukuthi Wayengenze-lutho Aze akhonjiswe nguBaba, bese kuthi uma uBaba eseMkhombise umbono, Akwenze lokho. Manje, uJesu nguyena izolo, namuhla naphakade. Khona-ke sifanele sibe nohlobo olufanayo lwezibonakaliso emihlanganweni yethu njengoba uJesu ayenalo osukwini lwaKhe.

Izikhathi eziningi nibezwile abantu bethi, "Ukubona kungukukholwa." Nisizwile lesosisho. Ngizokufakazisa kini ukuthi lokho kuyiqiniso kancane. Khona lapha ngibona indoda imi eceleni kwami igqoke isudu ensundu. Inothayi omhlophe onamachashaza abomvu. Bangaki abakholwayo ukuthi yiqiniso lelo na? Impela, niyayibona; niyazi ukuthi ilapha. Manje ngizophenduka ngibheke kwenye indawo. Angiyiboni leyondoda kodwa nokho ikhona lapha. Ngazi kanjani na? Ngoba nginomunye umuzwa. Mihlanu imizwa emzimbeni womuntu—ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela nokuzwa. Yehlukene, omunye komunye. Kuqala bengazi ukuthi ibilapha ngomuzwa wokubona. Sengiphenduka angikwazi ukuyibona, kodwa ngiyazi ukuthi ikhona ngoba izandla zami ngizibeke phezu kwayo futhi ngiyayithinta. Manje umuzwa wami wokubona awusebenzi, kodwa umuzwa wami wokuthinta uyasebenza. Sengiphendukela kuyo futhi futhi ngisusa isandla sami kuyo, ukuthinta akuzukuyisho, kodwa ukubona kuzoyisho. Unomunye umuzwa. Lalelani, ngizwa umculo. Bangaki abacabanga ukuthi ngiqinisile na? Niwubonile na? Niwuthintile na? Niwuhogelile na? Niwunambithile na? Qha. Kodwa ninomuzwa wokuzwa. Manje, ukubona akusikho ukukholwa. Kuleyondaba ukuzwa kungukukholwa. Manje, kukhona imizwa emihlanu.

UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe—umuntu ongumoya. Wase efaka kuye imizwa emihlanu ukuze axhumane nesikhundla sakhe sasemhlabeni. Ayihlanganise lutho noNkulunkulu. Imizwa emhlanu yanikezwa ukuba kuxhunyanwe nesikhundla sasemhlabeni. Kodwa umphefumulo womuntu, umoya, unomuzwa nawo, ongukukholwa. Ngokukholwa umuntu uxhumana noMenzi wakhe. Imizwa emihlanu ayihlanganise lutho nakho. Ithinta isikhundla sasemhlabeni kodwa umoya wakho uthinta isikhundla sasezulwini. Ngakho umuzwa wokuthinta,

njengokuthinta kwami lendoda, kuyikho ngempela emzimbeni. Ukubona kuyikho ngempela emzimbeni. Kuyinto ekhona ngempela. Kodwa ukukholwa kuyinto ekhona kakhulu ngempela emphefumulweni wakho. Manje lalelani, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ongaziboni, uzinambithe, uzithinte, uzihogele noma uzizwe. Nokho kuyinto nje ekhona ngempela, kuyinto ekhona ngempela ukwedlula noma yimuphi weminye imizwa emihlanu.

Ukuba-ke bekungekho-muntu owake wabona empilweni yakhe futhi masinya omunye athole amehlo futhi akwazi ukubona. Besingacabanga ukuthi lowomuntu ubehlanya uma ethe uyakwazi ukubona izinto nezinto nokukhanya bha kwelanga, njl. Ukuba besinemizwa emine kuphela, besiyocabanga ukuthi lowomuntu ubehlanya. Kodwa kuye kuyinto ekhona ngempela. Kunjalo nasekukholweni. Ungasho ukuthi leloyembe limhlophe? Bangaki abakholwa ukuthi leloyembe limhlophe? Lokho kukhombisa ukuthi niyakwazi ukubona. Manje, uma ukukholwa kwakho kuthi uzophiliswa, futhi kuyinto ekhona ngempela kuwe njengokubona kwakho okuthi leloyembe limhlophe, usuphilisiwe. Ukukholwa kuyakusho. Kuphelele.

Manje asiye etekisini yethu okwesikhashana. USimeyoni wayeyikhehla elalihlala ethempelini. Ngosiyazi bezenkolo sitshelwa ukuthi wayelapha emashumini ayisihiyagalombili. Ngelinye ilanga wayenesethembiso ngoMoya oNgcwele ukuthi wayengezukukubona ukufa aze abone uKristu weNkosi. Wahamba ezungeleza etshela wonke umuntu, "Angizukufa ngize ngimbone uKristu." Bathi wayehlanya. Bathi, "UDavide nabobonke abaprofethi babebheke uKristu, futhi manje awubheke nje leyondoda, indala kangaka, nokho icabanga ukuthi izobona uKristu." Wayenelungelo lokukukholwa ngokuba uMoya oNgcwele ungewaqambe amanga. Manje qaphelani, wayengenamahloni. Kwakungenandaba ukuthi isithunzi sakhe sasingakanani, ukuthi imuva lakhe lalinjani, nokuthi wayehlonipheke kangakanani. Wayenesethembiso ngoMoya oNgcwele ukuthi wayengezukukubona ukufa aze ambone uKristu weNkosi. Wayengenamahloni ukufakaza ngakho, ngoba uMoya oNgcwele wawumtshele kanjalo.

Manje, uMoya oNgcwele ofanayo owawunoSimeyoni ulapha kulobubusuku. Bangaki abakholelwayo ekuphiliseni kukaNkulunkulu na? Awu, uma nikukholwa lokho, khumbulani uDavide wathi, "Uma utwa lubizana notwa." Ngamany'amazwi, uma kukhona utwa lapha lubiza, kukhona utwa phandle lapho ukuba luvumelane nalo. Kunjengalokhu: singakabikho isigwedlo emhlane wenhlanzi kwakufanele kuqala kubekhona amanzi ukuba ihlambe kuwo. Kungenjalo, yayingeke ibe nalesosigwedlo. Singakabikho isihlahla ukuba

simile emhlabathini kwafanele kuqala kubekhona umhlaba, kungenjalo sasingeke sibekhona isihlahla esizomila emhlabathini. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Manje, kudala ngafunda ephephandabeni ngenganyana eyadla isitibili esiyirabha sebhayisikili nerabha emapenseleni. Bayisa kudokotela owayihlolayo wayesethi umfo omncane wayengenasibabule emzimbeni wakhe. Irabha inesibabule, ngakho wayedla irabha ukuze athole isibabule. Uma kwakukhona okuthize kuwe okushisekele isibabule, kufanele kubekhona isibabule ndawo ndawo esizophendula kuleyontshisekelo. Uma kukhona okudaliweyo enhliziyweni yomuntu, kubophezelekile ukuba kubekhona umdali ukudala lokho okudaliweyo.

Uma ukhulekela okuningi kukaNkulunkulu, kubophezelekile ukuba kubekhona okuningi kukaNkulunkulu okuzokwemukelwa. Ngenkathi useyisoni, umphefumulo wakho wawukhalela uNkulunkulu. Abahedeni bayamkhalela uNkulunkulu. Kukhona okuphakathi kubo okukhalela ukukhonza. Babengazi ukuthi bangakhonzani, ngakho benza umfanekiso base bekhonza lokho. Kwakungukungamazi uNkulunkulu, kodwa kuyakhombisa ukuthi kwakukhona okuthize okukhalela uNkulunkulu, kukhalela ukukhonza. Kwakufanele kubekhona uNkulunkulu ndawo ndawo ozodala lokho okudaliweyo, kungenjalo besingeke sibekhona lesosifiso phakathi kubo. Manje nina-bantu lapha eniphakamise izandla zenu futhi nathi nikholiwe ukuthi bekukhona ukuphilisa kukaNkulunkulu, nokuthi benikufisa, kufanele kubekhona umthombo wokuphilisa ovuliwe ndawo ndawo kungenjalo beningeke nibe nalesosifiso. Niyabo, kuwutwa olubizana notwa.

USimeyoni wayekade ethenjiswe ukubona uKristu. Ake sithi kwakunguMsombuluko ekuseni ngenkathi uJesu ezalwa. Babengenawo amaphephandaba nemisakazo esinakho namhlanje, kodwa indlela kuphela ababenayo yokuthumela umlayezo kwakungomlomo nomlomo. Kwakukhona osonkanyezi abambalwa abafikayo futhi baMqonda ngezibonakaliso. Izingelosi zehla zakumemezela ukuzalwa kwaKhe. Abelusi abambalwa beza ukuzoMkhonza, kodwa ababaningi ababazi. Kwakukhona cishe abantu abayizigidi ezimbili kwaIsrayeli ngalesosikhathi, futhi mhlawumbe ebusuku babebaningi abantwana abazalwayo. Njengoba isiko labaJuda lalinjalo, ngosuku lwesishiyagalombili umama wayefanele eze anikele ngomhlatshelo wokuhlanjululwa futhi ingane isokwe. Awubheke nje abantu abaningi ethempelini ngalokho kusa, wonke umuntu elokhu enyakaza. Omude umugqa womama bemile nezingane zabo, futhi ezansi emgwaqeni kwakumi intombi encane izimboze ngeveyili ebusweni bayo ibambe amahobhe amabili njengomnikelo wokuhlanjululwa. Abantwana abacebile babenikela

ngewundlu kodwa lona kwakungumnikelo womuntukazana, amabhanqa amajuba amabili amancane noma amaphuphu amabili amajuba. Wase-ke umntwana omncane esongwa ngembeleko.

UMariya waba negama elibi okokuqala nje. Bamtshela ukuthi lowo kwakungumntwana kaJosefa, ukuthi uJosefa wayengubaba. Ngakho sengiyababona nje abesifazane behlehla kuye nomntanakhe, ezalwe ngaphandle komshado ongcwele. Kodwa enhliziyweni yentombi encane yayazi ukuthi kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, nakuba Wayembeswe ngembeleko. Nango Wayelapho, uEmanuweli, ezifake etabernakele lenyama. Wayithunduzela ingane, wonke umuntu emhlehlela.

Ngale kwethempeli kwakuhlezi uSimeyoni ebhala. Wayenesethembiso sokuthi wayezobona uKristu. Sengathi ngiyambona uMoya oNgcwele ehla futhi ethi, "Simeyoni, sukuma. Phuma, Simeyoni." Wayengazi ukuthi wayeyaphi kodwa nanguya ephuma ethempelini. Ezansi ngalowomugqa womama ehamba, ema phambi kukamama omncane enalelogama elibi. Wathatha umntwana wambeka ezingalweni zakhe, izinyembezi zehlela entshebeni yakhe. Wakhuleka, "Nkosi, sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, njengeZwi lakho: Ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho . . . "

Emuva le ngale ekhoneni kwakuyisalukazi sikhuleka. Iminyaka sasilindele induduzo kaIsrayeli. Sasiyimpumputhe futhi sasingumprofethi-kazi. Ngalesisikhathi esifanayo uMoya oNgcwele wathi, "Ana, sukuma ume ngezinyawo zakho." Nango eza, eyimpumputhe, ehamba ezungeza abantu, eholwa uMoya oNgcwele. Weza ngasohlangothini lukaMariya, wamthatha umntwana wambeka ezingalweni zakhe, futhi wabusisa uNkulunkulu.

NalowoMoya oNgcwele ofanayo owaholela uAna oyimpumputhe kuMsindisi ukhona lapha kulobubusuku ukuba aniholele kuMsindisi, uKristu kaNkulunkulu, Lowo owafa eKalvari futhi wathuma uMoya oNgcwele. Futhi ngabe kubonakala kuyisimanga yini kini uma nginitshela lokhu, ukuthi nina-bantu enilambele uNkulunkulu ukuba aniphilise ubenaso lesosifiso sidalwe enhliziyweni yenu nguMoya oNgcwele. Njengoba Ahola uSimeyoni noAna basendulo, kanjalo uniholele lapha kulobubusuku. Benikubhekile. Manje kulapha kungokwenu. Ngokuba kukhona umthombo ogcwaliswe yigazi, ugobhoza ohlangothini lukaEmanuweli, lapho khona wonke umuntu engabhukuda ngaphansi kwethantala ukususa amabala akhe ecala nawo wonke umuntu ogulayo kungasuka konke ukugula kwakhe.

"Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu: umvimbo wokuthula kwethu wawuphezu

kwayo; nangemivimbo yayo siphilisiwe thina." Sonke. Nani, bantu abathandekayo, enikholwa ukuthi kukhona umthombo ndawo ndawo, nanku—uvulwa phambi kwenu, ngesihle. Othandayo, makeze emukele ukuphiliswa kwakhe. UMoya oNgcwele ofanayo owanika uSimeyoni isethembiso, unika wena isethembiso. UMoya oNgcwele ofanayo owaholela uSimeyoni kuKristu uholele wena emthonjeni wokuphiliswa. UnguMoya ofanayo izolo, namuhla naphakade. Uyakukholwa lokhu na? Kuyiqiniso. Labo abangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu baholwa nguMoya kaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na?

Ngingumuntu nje kodwa ngazalwa ngingumprofethi, ukuba ngibone imibono. Cishe eminyakeni emihlanu eyedlula ingelosi yabonakala kimi. Yayigqoke ezimhlophe, futhi phezu kwayo kwakungukukhanya okukhazimulayo. Yayisinda cishe amaphawondi angamakhulu amabili, yayishefe kahle, ingafake-zicathulo, futhi izinwele zayo zishaye emahlombe ayo. Yahamba yeza ngakimi futhi yathi ngazalwa ezweni ukuba ngikhulekele abagulayo. Yangitshela ukuthi yayithunywe ivela kuNkulunkulu uMninimandla onke ukuzongitshela lokhu. Yathi, "Uma uzobaqotho futhi uthole abantu ukuba bakukholwe, akukho okuyoma phambi komkhuleko wakho, ngeke ngisho nomdlavuza." Ngase-ke ngiyitshela ukuthi ngeke ngakwazi ukuhamba; angifundile. Yathi njengomprofethi uMose wanikezwa izibonakaliso ezimbili, ngakho ngiyokwemukela izibonakaliso ezimbili eziyoba ubufakazi balokho engikutshela khona. Ngiyothatha umuntu ngesandla futhi yathi iyokhuluma kimi, yembule ukuthi yini indaba kumuntu. Izinto eziningi ziyofezeka futhi ngiyobona imibono. Ngiyokwazi izimfihlo zezinhliziyo zabantu, ngiqonde osekwedlula kwabo kanjalo futhi nezinto zesikhathi esizayo.

Ingakasuki ngayibuza ukuthi lezizinto zingenzeka kanjani. Yathi ngenkathi uJesu eselapha Wayengenzi-lutho ngokwaKhe, kuphela lokho Akukhonjiswa nguBaba. Bangaki abantu abaziyo ukuthi lokho kuliqiniso na? Lithini iBhayibheli na? "UJesu Kristu nguyena izolo, nanamuhla, naphakade." Uma Esenguyena namuhla njengoba Wayenjalo ngalolosuku, khona-ke uzophilisa ngokufanayo namuhla njengoba Enza ngalesosikhathi. "Kuse, yisikhashana, izwe lingabi lisangibona; kepha nina niyangibona . . ." Akunjalo na?

Manje, nginesikhashana nje sokuninikeza ubufakazi ngaphambi kokuba siqale ukukhulekela abagulayo. Kwake kwathi eMelika, ngisagibele esitimeleni ngiya eNingizimu ukuyohlangabezana noMfowethu Bosworth, ngemukela umbono. Ngabona umfanyana elele emhlabathini nezingubo zakhe zidabuke zonke. Ngabona amadwala nezihlahla; kwakuyizwe elixakile. Umzinjana wakhe wawephuke wonke,

futhi wayelapho efile. Ngalobobusuku emhlanganweni ngabatshela abantu ngalombono. Ngathi, "Ubhaleni eBhayibhelini lenu futhi nibone ukuthi awufezeki yini."

Ezinsukwini ezimbalwa kamuva bangiyisa kumfana omncane owayeminze emgodini wenkasa. Kodwa wayengesuye umfana engambona embonweni, owayeneminyaka cishe eyisishiyagalombili noma eyishumi ubudala futhi wayefe engozini. Lomfana owayeminzile wayengumfo osemncane, onekhanda elimnyama, egqoke kahle. Wayengesuye umntwana. IMelika yonke neCanada ngafakaza futhi ngabatshela, "Kubhaleni eBhayibhelini lenu." Kwakubhalwe ezinkulungwaneni zamaBhayibheli. Ngabatshela ukuthi uma umbono usugcwalisekile nomfana wabuye waphila, kuyovela kwi "The Voice of Healing".

Ngo Apreli 1950, siseFinland, sasuka eHelsinki sase senyukela eKuopio. Iqembu lethu lalikade likhuphukile liye embhoshongweni wokubuka izindawo lapho esasikwazi khona ukubona umhlaba waseRashiya. Ngangikade ngizile kakhulu futhi ngathi ezimenenjeni zami, "Kukhona okuzokwenzeka." Sesehla ngomgwaqo safika enkundleni yengozi. Imoto yayishayise abafana ababili. Oyedwa wayeshayeke ohlangothini lwakhe futhi waphoseka phezulu esihlahleni, ephihlizeka ikhanda lakhe nezimbambo zakhe. Imoto, ihamba cishe amamayela angamashumi ayisikhombisa ngehora, yashaya omunye umfana khona ngaphambili, yamginqela ngaphansi kwemoto yase imphosa ngaphandle emva kwesondo langemuva waya phezulu emoyeni. Emizuzwini engamashumi amabili kamuva safika. Kwakukhona isixuku esikhulu sabantu. Babemlalise ngaphandle bemboze ubuso bakhe ngebhantshi lakhe.

UMnu. Lindsay nabanye baphuma bayombuka, kodwa angihambanga mina. Ngacabanga ngomfana wami uqobo nenhliziyo yami yayidabukile. Ekugcineni babuza, "Awuhambi ngani na?" Ngakho ngahamba. Sengimbuka umfana omncane, base belisusile ibhantshi ebusweni bakhe, inhliziyo yami yacishe yama. Ngacabanga ngoBilly Paul omncane ekude ngezinkulungwane zamamayela kimi. Bonke babekhala. Ngaqala ukuphenduka, ngenkathi ngizwa isandla sikimi. Ngathi, "Angiqondi ukuthi yini lena." (Abanye babantu ababemi lapho bathi, "Nanso indoda yezimangaliso yaseStates. Ake sibone ukuthi izokwenzenjani." Niyabona ukuthi abantu abaqondi kanjani.) Ngaphenduka ngase ngithi, "Kubonakala sengathi ngake ngambona lowomfana ndawo ndawo. Ake sibheke futhi." Baphinda futhi baphakamisa ibhantshi lakhe. Ngathi, "Sengake ngambona lowomfana." Ngathatheka kakhulu, ngehluleka ukumkhumbula ekuqaleni. Ngathi kubefundisi, "Ngabe uyilunga lamabandla enu?" "Qha,"

basho. Ngase-ke ngiqonda ukuthi wayengumfana engangimbone embonweni emuva eMelika kusasele cishe unyaka nohhafu.

Soze nazi ukuthi ngazizwa nginjani. Babengekho odeveli abenele ekuhlupheni ababengambamba. Ngathi, "Zungelezani futhi nizobona inkazimulo yeNkosi." Ngaguqa phansi ngayo nje indlela engakhonjiswa ngayo embonweni ngase ngikhuleka: "Nkulunkulu uMninimandla onke, ezweni lakithi lokudabuka onyakeni nohhafu owadlula, Wangikhombisa lomfana futhi Wangitshela ukuthi uyovuka." Nango elele, ephuke yonke indawo, futhi ngathi, "O, Nkosi, yizwa umkhuleko wenceku yaKho. Futhi manje kufa—ngeke usambamba, ngokuba uJesu Kristu wanikeza isethembiso ukuthi lomfana uyophila." Umfana wavuka wama ngezinyawo zakhe, ephilile futhi ephelele nje. Nakho kumi osomabhizinisi, amadoda asemqoka edolobha. Nginezitatimende ezivela kubo ziqinisa ngalokhu, zisayinwe ngummeli wokulungisa izivumelwano.

Bengingaqhubeka amahora ngininikeza izimfakazo zokuthi uNkulunkulu uphilise ngokumangalisayo kanjani, kodwa ngeke sithathe isikhathi esiningi ngoba sifanele singene enkonzweni yokuphilisa. Ngifisa sengathi benginganikhulekela nonke ngamunye ngamunye wenu, kodwa lokho akunakwenzeka. Ngizokwenza umkhuleko wezethameli zonke futhi ningaphiliswa nonke, njengesoni nje sithatha iZwi futhi sikholwa singenziwa isidalwa esisha. Ngifanele nginikholiswe. Uthola ukuphiliswa kwakho ngokukholwa okufanayo okusindisa noma kuphilise umphefumulo wakho.

Kulobubusuku futhi njengokwejwayelekile sifuna ukubizela phezulu emsamo cishe nibe abantu abalishumi noma ishumi nanhlanu phansi lapho abanamakhadi okukhulekelwa. Akusiyo inkonzo yokuphilisa lena kodwa ukubonisa ngokwenza ukuthi kungenzekani kini nonke khona lapho. Indodana yami uBilly ukhiphe amakhadi okukhulekelwa ngaphambi kwesikhathi kusihlwa. Billy Paul, yiziphi izinombolo ozikhiphile kulobubusuku? "U L-50 kuya ku L-100." Kulungile, ukhiphe amakhadi angamashumi amahlanu kulobubusuku futhi ngikholwa ukuthi sizobiza ishumi nanhlanu lokuqala lenyuke, kusukela ku L-50 kuya ku L-65. Bheka inombolo ngemuva kwekhadi lakho futhi ubone ukuthi unayo yini eyezinombolo kusukela ku L-50 kuya ku L-65. Uma unayo, yenyuka uze lapha ngokushesha okukhulu ukuze sinimise umugqa futhi siqale inkonzo yokuphilisa.

Ungacabangi ukuthi ngoba awulitholanga ikhadi lokukhulekelwa ukuthi awuzukuphiliswa. Ngifuna ubone ukuthi akuhlanganise lutho namakhadi okukhulekelwa. Ngibiza abantu abambalwa benyukele lapha ukuze ubone isiPhiwo sisebenza bese uyakholwa. Futhi kuyasiza ukuletha uGcobo phezu kwami.

Besalungisa umugqa womkhuleko ngiyafuna ukusho ukuthi, bangane abangamaKristu, ukuthi angizi kini njengomphilisi waphezulu. Ngiza njengomfowenu. Angizi ukuzothatha indawo kadokotela wakho. Ngize ukuzonikhulekela ngesambulo sobuNkulunkulu, umgomo wobuNkulunkulu kaNkulunkulu. Izipho nokubiza kukaNkulunkulu akaguquki kukho. Odokotela bayizinceku zikaNkulunkulu benza konke abangasenzela khona. Kodwa amandla abo nokwazi kuyakhawuka. Amandla kaNkulunkulu awakhawuki. Ukuba odokotela nabahlengikazi babengadingeki, babengeka babekhona. Balusizo olukhulu kithi. Impela ngiyakubonga okwenziwe abahlengikazi kwabagulayo nababuthakathaka kulemihlangano. Sengathi uNkulunkulu anganibusisa nonke, bodokotela nabahlengikazi ngokufanayo.

Intombazane yami encane, engiyishiyile emuva ukuba ngize kini, ifuna ukuba umhlengikazi, futhi uma indodana yami ingabi umfundisi ngifisa ibe ngudokotela.

Abantu bakithi bathi bayazi ukuthi uNkulunkulu uyakwazi, kodwa Uyathanda na? EmaHubweni 103, ukuphiliswa kwezifo esigabeni esifanayo njengokuthethelelwa kobubi noma izono. Futhi kanjalo uma kuyintando kaNkulunkulu ukuthethelela isono, kuyintando yaKhe ukuphulukisa izifo.

Ngifuna ukukhulekela lamaduku. Nanka amakhulu ezincwadi. Nyanga-zonke ngithola izinkulungwane zazo emhlabeni jikelele kwenzeke nezinto ezinkulu. Lokhu kuhambisana neBhayibheli, iZenzo 19. UPawulu wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekuye, futhi uma kuphela uzoqonda ukuthi uNkulunkulu ukuwe. Manje, zithobeni ngisakhuleka.

Baba onesihawu, lamaduku abekwe lapha kulamabhokisi nasezihlalweni, ngiyaKucela egameni leNdodana yaKho uJesu, ukuba uwabusise. Kude phesheya kwezwe kukhona omama nobaba nabantwana, balindele ukubuya kwalamaduku. Abaningi bagula kabi, futhi ngiyabakhulekela, Baba othandekayo. Kukhona ubaba omdala ozihluphekelayo oyimpumputhe uhlezi endlini, umama ulele embhedeni uhluphekile, ulindele lamaduku ukuba abuye. Kulotshiwe emiBhalweni ukuthi bathatha emzimbeni ogcotshiwe kaPawulu oNgc., amaduku nezindwangu, nezifo nomoya abangcolileyo baphuma kubantu. Baba, siyazi asisuye uPawulu oNgc. kodwa Wena usenguye uJesu ofanayo, owayenoPawulu oNgc. nabo bonke abantu baKho. O, Nkulunkulu, benzele lokho futhi, ukuze abantu bazi ukuthi Wena unguJesu, iNdodana kaNkulunkulu, onguyena izolo, namuhla naphakade.

Ubemuhle kakhulu kithi, Baba waseZulwini, futhi isikhathi sihamba kalula uma sixoxa ngoJesu, sikhuluma

ngemisebenzi yaKhe emangalisayo. Ngenkathi Eselapha emhlabeni Wathi kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Kodwa izwe aliqondi. Baphuphuthekiswa ngunkulunkulu walelizwe, behamba ebumnyameni endleleni okungeyabo nezinkanuko zabo zesono. Kodwa sibonga Wena, Wena ushilo ukuthi Uyoba nathi, ube kithi kuze kube sekupheleni kwezwe.

Kulobubusuku, noma yikuphi lapho Ongafumana khona inhliziyo eqotho, Uzobahola ngoMoya waKho. O, Nkulunkulu, ubusuku baloMgqibelo lapho abantu abaningi bezithengela ezitolo, abaningi baphume baya emahhotela abahamba ngomgwaqo nezindawo zabangaziphethe kahle, nabafana abancane belele phansi emabhareni, nezintombi ezincane zisemgwaqeni lokho kubi—bedansa beya endleleni yabo eya ethuneni elingenaKristu, o, Nkosi, ngandlela-thize bahole labobantu. Kulobubusuku khuluma nabo futhi sengathi bangathola indawo e altare enhle yefashini endala futhi babe yizinceku zaKho, Nkosi.

Kukhona abaningi lapha kulobubusuku, Baba, abagulayo nabadingayo. Ngiyawuzwa uMoya waKho manje futhi sonke siyazi ukuthi Wena ulapha. Wathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngikhona lapho phakathi kwabo." SiyaKuzwa, ngokoqobo ngokuzwa komoya, futhi siyazi ukuthi Ulapha.

Futhi manje, Baba, njengoba sengifakazile kulababantu mayelana nesiphiwo saKho sobuNkulunkulu, banezwi lami kuphela ngaphandle uma kukhuluma Wena, Nkosi. Kodwa ngiyazi ukuthi Uzokhuluma, uqinisekise, ufakaze, nalo lonke udumo nenkazimulo makube kuWe, Wena Ndodana kaNkulunkulu emangalisayo. Umangalisa kakhulu ngokuthi usihlenge thina zoni-ndini ezilahlekile, zifanele ukufa nokwehlukaniswa, sifanele isihogo, kodwa Wena usihlengile. O, inhliziyo yami igxuma kanjani uma ngicabanga ukuthi ngihlengiwe futhi njengokuqinisekileyo impela njengoba Wavuka ethuneni, ngeliny'ilanga siyovuka sinomzimba omusha futhi asisophinde sigule noma sihlupheke.

Manje, Nkulunkulu othandekayo, busisa kulobubusuku labo abalapha. Sengathi uMoya oNgcwele ungavele uphumele kulezizethameli manje. Sengathi bangaKwemukela ngobumnnandi futhi basindiswe futhi baphiliswe kulobubusuku, ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

Nginikeni isiguli sokuqala esisodwa.

Sawubona kusihlwa, nenekazi. Manje, dadewethu, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu ungithumele ukuba ngikusize? Anginakho engiphilisa ngakho. Ukuba bengingudokotela, bengizokunika umuthi. Ngiyinceku kaNkulunkulu futhi ngalokho ngingashisekelisa ukholo

lwakho kuphela ukuze uNkulunkulu akwazi ukukusiza. Ngingenza lokho uNkulunkulu asevele ekwenzile. Ngingumprofethi futhi ngingakutshela kuphela ukuthi yini engahambi kahle kuwe ngombono. Uma ngingakutshela manje ukuthi yini engalungile kuwe, uzokholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumile?

Ngaphambi kokuthi uze emhlanganweni kulobubusuku ubusemkhulekweni. Kunjalo na? Ukhulekele ukuthi sengathi ubungabizwa kulobubusuku. Usugule isikhathi eside uphethwe yizinhlungu zekhanda ezinzima. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke? Manje-ke, hamba uye ekhaya futhi uthole ukuphiliswa kwakho.

Woza, mfo omncane. Uyamthanda uJesu? UMoya kaNkulunkulu usuvele uphezu kwalomntwana. Ukuba uJesu ubemi kulomsamo futhi Wakutshela, mfanyana, ukuthi kukhona izinto ezithize ezingalungile kuwe, ubuzoMkholwa? Manje, uma ngikutshela, uzokholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumile? Kuphela ngiyithuluzi likaNkulunkulu. Ngibona umbono walomfanyana phambi kwami. Uphethwe yizilonda emlonyeni. Kunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba uye ekhaya futhi ujabule, ngoba uNkulunkulu ukuphilisile.

Sawubona, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke? Unentombazanyana enhle kakhulu. Nami nginentombazanyana ekhaya, ithe nje ukubancanyana kunawe. Igama layo nguRebekah. Kodwa ngidingeke ngimshiye uRebekah omncane ukuba ngiwele ngize lapha ukuba ngikukhulekele.

Uma uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ubekhona lapha, uyazi Uyabathanda nje abantwana abancane, Wayebagona ngezingalo zaKhe futhi ababusise. Wathi, “Vumelani abantwana, ningabenqabeli, ukuba beze kimi: ngokuba umbuso wezulu ungowabanjalo.” Ukuba uJesu ubekhona lapha kulobubusuku, Ubezokubusisa. Ubezobeka izandla zaKhe phezu kwakho futhi Ubezokwazi ukuthi yini engalungile kuwe. Uyakukholwa lokho? Uyakholwa ukuthi uJesu angamkhombisa uMfowethu Branham ukuthi yini engalungile kuwe? Ngicabanga ukuthi uyintombazanyana enhle.

Mama, ingane yakho izalwe ikulesisimo. Kuyisimo sokwethuka. Sekubangele ingane yakho ukuba ibe buthakathaka futhi inciphe. Isimo somzimba wayo wonke sintekenteke kakhulu. Akusibo ubunzima obukhulu kangako bezitho zomzimba kodwa kungukuncipha okwejwayelekile kwesimo somntwana. Intombazane iyabhocobala, ayidli kahle futhi njalo nje iba nemikhuhlane emibi, ayinjalo na? Kunjalo?

Manje, niyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle. Ngifuna ukukubuza

okuthize. Intombazane isemqoka kakhulu kuwe kunempilo uqobo lwayo. Uzokwethembisa ukuthi uma uNkulunkulu ezovumela lomntwana aphile futhi abe nempilo, uzomkhulisa, angabi njengentombazane yesimodeni, kodwa umkhulisele inkazimulo kaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu uzothola impilo yayo ibe sezandleni zaKhe na? Uzoyifundisa ngaleyondlela nawe qobo lwakho uphile ngendlela efanayo futhi ube yisibonelo phambi kwayo sokuba yikholwa langempela, eligcwele uMoya kaNkulunkulu na? Uzokwenza lokho? Engikutshele khona ngomntwana, kuliqiniso lokho na? Manje, ngikholwa ukuthi likhona ithemba kumntwana. UNkulunkulu uyakhuluma ekhaya lakho. Uyaqonda ukuthi ngiqondeni, awuqondi na? Ngisho nangaphambi kokuba ngikusho, ubuwazi. Ngikuzwile kungibikela, ngakho angidingi ukukusho. Hamba ukhonze uNkulunkulu yonke impilo yakho. Ngifuna ukumbusisa umntwanyana wakho omncane. Woza lapha, s'thandwa. Ngigaxe.

Nkulunkulu uMninimandla onke, Mqalisi wokuphila, Mnikezeli wezipho zonke ezinhle. Lentombazanyana bandla, imi lapha namehlo ayo obungane aluhlaza engibuka phezulu, ingenza ngicabange ngoRebekah wami omncane, izinkulungwane eziningi zamamayela ngaphesheya kolwandle.

Nkulunkulu, yiba nesihawu kulomntwana omncane. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho, Baba. Usizwile isethembiso sothandekayo. Wena unikeze umbono, futhi Wazi konke. Futhi njengoba emile kulobubusuku nomzinjana wakhe uncike kowami, makube njengasosukwini lukaElija lapho elalisa umzimba wakhe phezu komntwana ofile futhi kwaphila. Sengathi ukuphila nokuqina kungafika kulentombazanyana. Sengathi umkhuhlane nokugula kunganqamuka emzimbeni womntwana futhi sengathi angephinde abukhohlwe lobubusuku. Sengathi lolu kungaba lusuku lokuphenduka lapho izibusiso zikaNkulunkulu zizoba phezu komntwana. Sengathi angakukhonza zonke izinsuku zakhe, nabathandekayo ngokunjalo. Ngiyambusisa lomntwanyana njengomprofethi waKho, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

S'thandwa senhliziyo, ungesabi manje. Uzophila. Naleyomikhuhlane emidala nezinto kuzonqamuka. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa.

Lapha kumi inenekazi engingazi lutho ngalo, kodwa uBaba wami uyalazi futhi Angangazisa noma yiyiphi ingxenye yokwazi kwaKhe. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke futhi usuphilisiwe. UJesu unguyena izolo, namuhla naphakade.

(Waphendukela ezethamelini.) Ngibona indoda imi laphaya izwa ubuhlangu. Ngiyakubona okungalungile kuwe, kodwa ngeke ngakuphilisa, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uJesu

Kristu angakusindisa na? Uma ngizokwazi ukusho ukuthi yini engalungile kuwe, khona-ke uzofanele ukholwe. Kunjalo? Uphethwe yisibhono esikabili. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho nje. Manje, uma ukholwa, ungahamba uye ekhaya futhi uphile. UNkulunkulu akubusise. Kholwa nguNkulunkulu. Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke.

Kuyamangalisa ukuma lapha futhi ngibone indlela iNkosi yethu enyakaza ngayo kulezizethameli. Kukhona enye indoda enesibhono. Ithanda ukuphiliswa nayo, futhi. Lokho akunjalo, mnumzane na? Uma ukholwa, ungaphiliswa. Nje kholwa nguNkulunkulu. Qhubeka nje ukholwe. Angakuphilisa.

Lowo ngumkakho ohlezi eduze kwakho, lelonenekazi lapho. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi yini okungalungile kuwe, nenekazi na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa? Kulungile, unesifo senhliziyo ibhiphi, awunaso? Lokho akunjalo na? Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke ungaya ekhaya futhi uphiliswe. UNkulunkulu akubusise.

(Uphendukela kubantu abasemgqeni wokukhulekelwa.) Kulungile, nenekazi, woza. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke? Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu ukhona lapha ukuba akuphilise? Ngiyabona ukuthi yini okungalungile kuwe futhi kuyinto engifisa sengathi ngabe ayizange ibekhona. Kodwa yileyonto yokuqala uNkulunkulu athembisa ukuyiphilisa, isifo sofuba. Akusilo iqiniso lelo na? Woza lapha umzuzwana nje. Lesisifo esibi kabi, eminyakeni ethize eyishumi nanhlanu eyedlula, sasusa umama kaBilly emhlabeni. Lokho kwakungaphambi kokuba lesisiphiwo sibonakaliswe kimi. Bengihlala njalo ngiyenyanya iT.B. Sengathi uNkulunkulu angangipha amandla kulobubusuku ukuba ngikukhulule kulokhu.

O, Baba, hawukela, Nkulunkulu. Baba, uma ngazi ukuthi kufanele ngibe qotho kanjani, ngiqotho manje. Baba, ngikucela ngenhliziyo yami yonke, yizwa umkhuleko wami futhi ungiphe ukukholwa njengoba ngingena kulomgudu ukudibana nalelidemoni, elizokwenza ukuthi lise lo wesifazane omncane bandla ethuneni elingakafaneli. Hawukela, Nkulunkulu, futhi ulixoshe kuye. Yipha inceku yaKho amandla nomusa nokukholwa khona manje, njengoba ngiyodibana nalesisitha esibi kabi.

Manje, idemoni elibizwa ngesifo sofuba, ngiza ngalokhu ukukholwa okukabili nenselelo, ngibiza isiphiwo sokuphulukisa ngokukaNkulunkulu engasisizwa yingelosi. Uyakwazi lokho. Phuma kowesifazane. Myeke egameni likaJesu Kristu. Phuma kuye ukuze aphile.

Dadewethu, ngiyisihambi nje kuwe kodwa yenza njengoba ngikutshela. Uzokwenza? Ngelinye ilanga ngapheseya

kolwandle kuyofika incwadi kimi ithi, “Mfowethu Branham, sengikhululekile manje esifweni sofuba.” Hamba lapha ujabula, uthokoza, udla noma yini ongayidla, futhi uzoqala ukuthola isisindo futhi uphile. UNkulunkulu akubusise. Ungibhalele ubufakazi bakho eMelika.

Isiguli esilandelayo, ngiyacela.

Kukhona ingelosi yeNkosi enathi lapha. USathane uzozama ukukwenza ungakholwa, kodwa ingelosi yeNkosi ifuna ukuba ukholwe. Kuzoba yisimo sakho esizoba ukusondela kwakho kulenkinga. Qhubeka ukholwe.

Ulungele ukuyohlinzwa ngudokotela. Kufanele kubekhona ukuhlinzwa okwenzekayo masinya. Inkathazo isesiswini sakho, isigaxa abalungiselela ukusikhipha. Ngiqinisile na? Ngakho-ke phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi uzosinda? UNkulunkulu akubusise. Qhubeka uthokoza, ukukholwa kwakho kukusindisile. Dumisa iNkosi.

Lelinenekazi liphethwe yinto efanayo. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. UNkulunkulu usekuphilisile. Hamba manje. Yileyondlela yokukholwa.

Unezilonda esiswini. Kunjalo na? Ungaya ekhaya, uzophila.

Uma uNkulunkulu ezokhuluma kimi futhi angitshele ukuthi yini okungalungile kuwe, uzokwemukela ukuphiliswa kwakho na? Isifo sikashukela. Kunjalo na? Manje-ke wenzeni na? Wemukele ukuphulukiswa kwakho, akunjalo na? UNkulunkulu akubusise. Asithi ayibongwe iNkosi. Manje, mfowethu, hamba, futhi emva kwesikhashana lapho uqhubeka nokuya kudokotela wakho, uzokukhulula. Ungasibhalela ubufakazi bakho. UNkulunkulu akubusise.

Sawubona, mnumzane. Uyakholwa ukuthi usuphilisiwe manje? Uyakholwa? Impela, hamba uye ekhaya futhi udle okufunayo. Ukuhlushwa kwakho yisisu sekusukile kuwe. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya udle. Sekuyisikhathi eside lokhu wagcina ukuba ukwazi ukudla okufunayo.

(Wabuye waphendukela ezethamelini.) Ngibona into ethize enyakazayo khona laphaya. Angikwazi ukusho ukuthi kuyini. Kholwa manje ngenhliziyo yakho yonke. O, bekungenzekani uma besikholwe sonke!

Inenekazi elihlezi laphaya, ubunenkathazo yabesifazane. Isisukile kuwe. Asithi ayidunyiswe iNkosi.

Ungathanda ukwedlula kulesosikhwanyana esikhulayo emzimbeni esiphethe ubovu, ungethande, dadewethu na? Hamba uye ekhaya futhi uphile. UNkulunkulu akubusise. O, Akamangalisi yini!

Ngineqiniso ungakuthokozela lokhu ngoba kukhona cishe imiphefumulo eyizinkulungwane ezinhlanu ezizama ukudonsa esiPhiweni. Kunjengezigwedlo, zidonsa ziya emuva naphambili. Kulukhuni ukuthi ngisho ukuthi kuyini, kodwa ngiyazi ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ikhona lapha ukuba ikuphilise. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Nsizwa, wena ngale ngasobondeni, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu? Uyakholwa ukuthi simi ebukhoneni baKhe manje? Angifundi wona umqondo wakho. Uyazi ukuthi inkathazo yakho yini. Ukudla kwakho kulokhu kubuya. Ukhathala kakhulu, kubelukhuni ukusukuma. Unokulamba enhliziyweni yakho. Ufuna ukukhonza uNkulunkulu. Awukaze uMkhonze ngendlela obuyifuna. Lokho akunjalo na? Memukele manje njengoMsindisi wakho, ubhaphathizwe kuMoya oNgcwele futhi uphiliswe.

Wena lapho, kulesosihlalo esinamasondo. UNkulunkulu usekuphilisile esimweni sakho sokukhubazeka. Hamba uye ekhaya ukholwa futhi uvuma lokho uKristu akwenzele khona, futhi uzophiliswa saka. Uzokujabulela ukuba nempilo ephelele.

Kulungile, letha isiguli esilandelayo.

Woza, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Alisizwa isiNgisi. Litshele nje ukuthi seliphilisiwe. Belikhathazwa yinhliziyo. Litshele liye ekhaya lijabule. Alikwazi ukukhuluma isiNgisi kodwa ngempela liyazi ukuthi kubanjani ukuba nokukholwa.

Phuma uze ngapha, mnumzane. Uzongilalela mina njengomprofethi kaNkulunkulu? Kulungile, kade waphathwa yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, awunjalo na? Phakamisela izandla zakho emoyeni, phakamisa wehlise izinyawo zakho. Hamba usuke emsamo. UJesu Kristu usekusindisile. UNkulunkulu akubusise. Asithi ayidunyiswe iNkosi.

Yebo, dadewethu, ukhathazeke ngeqolo lakho, awunjalo na? Kulungile, sukuma. Nyakazisa iqolo lakho, goba. UJesu usekuphilisile kuleyonkathazo yeqolo. Awusenayo. Amen!

Okwengane?

Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu ngikucela kuWe lokhu ukuphiliswa. Sengathi amehlo ayo amancane angaphila. Myeke, Sathane. Ngiyakuyala ukuba umyeke umntwana.

Sekuyisikhathi esingakanani kunezinxemu? Awu, akusesizo izinxemu manje. Amehlo aseqondile futhi aphile ngokuphelele. Ungahamba uye ekhaya manje ujabula, mnumzane. Ingane isiphile saka. Asithi akabongwe uNkulunkulu. Yibuke ingane encane. Amehlo akho aqonde ngokuphelele. Thana ayidunyiswe iNkosi.

(Waphendukela ezethamelini.) Ngifuna nikholwe ngenhliziyo yenu yonke futhi nibheke ngapha. UNkulunkulu ufuna ukuniphulukisa futhi okufanele nikwenze kuphela ngukuba nikuthathe, nikukholwe futhi uNkulunkulu ubophezelekile ukuba akufeze. Niyabona ukuthi kulula kanjani na?

Ngibona indoda phansi lapho inomdlavuza wesisu. Kholwa angenhliziyo yakho yonke. Kholwa kuphela.

Wonke umuntu akabheke ngapha futhi nikholwe ngenhliziyo yenu yonke. UJesu Kristu ukhona lapha ukuba anisindise. Kuphela yibani nokukholwa. Yebo, dadewethu, wena ohlezi lapho ekhoneni. Ushaywa wuvalo, awunjalo, ukuguliswa yimizwa, ubambekile, akunjalo? Sukuma ume ngezinyawo zakho. UJesu Kristu usekuphilisile. Amen! Haleluya!

Ingane yakho isingcono, akunjalo, mfowethu? Isihamba ngokwehlukile vele, akunjalo? UJesu ukuphilisile kulobubusuku enkonzweni. Asithi ayidunyiswe iNkosi.

Wonke umuntu uzwa kahle ngemuva? Ngezinye izikhathi uma kwehlela uGcobo kimi lwenza ubuso bami ngibuzwe bundikindiki ngempela. Ningacabangi ukuthi ngishaywa wuvalo uma ngihlikihla ubuso bami, kodwa izindebe zami zizwakala sengathi ziwugqinsi ngempela. Kungukuzwa okungcwele ngempela. Angikwazi ukukuchaza. NgiyaMthanda, ngiyakwazi lokho. NgiyaMthanda ngenhliziyo yami yonke.

Nanto inenekazi lihlezi lapho likhuleka, nje lizama ngamandla alo onke. Wena, dadewethu, wena lapho ofake ibhantshi elinsundu. Bheka ngapha futhi ungikholwe ngenhliziyo yakho yonke. Uyakholwa? Uyangemukela mina njengomprofethi kaNkulunkulu? Kulungile, nansi inkathazo yakho, dadewethu. Ngiyabona manje. Akukuningi kangako okungalungile kuwe. Unokucindezelwa yidemoni, yilokho okungalungile. Akunjalo lokho na? Uyesaba futhi ucobeke. Ubambekile nje. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu usewuzwile umkhuleko wakho. USathane angeke akubambe. Manje, misa isandla sakho siphakame nje ngisakhuleka.

Nkosi Nkulunkulu, ngibona inkathazo yakhe nokwazi ukuthi owesifazane bandla uboshiwe, uSathane uzama ukumtshela ukuthi uselahlekile, ngiza kuWe ukucela isihawu. Ngoba emizuzwini embalwa edlule ubezama kanzima ukuba athintane naWe. Manje, Baba, ngicela lowomoya usuke kowesifazane eGameni likaJesu Kristu. Makaphume lapha ethokoza futhi ejabula futhi esephila futhi, ngegama likaJesu Kristu. Amen.

Manje, dadewethu, usuqedile ngawo. Usukhululekile manje. Yiba nokukholwa nje futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

Manje, niyafuna ukuphiliswa khona lapho, nonke? Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke? Bangane, ngithanda ukuhlala lapha kweqe ngehora kodwa amandla ami ehluleka ngokushesha. Yimibono futhi angikwazi ukuchaza. Ngiyacela ngikholweni manje. Uma nizokwenza njengoba nginicela ukuba nenze, nizoya ekhaya kulobubusuku niphilile. Uma ngithatha omunye emva komunye kuzoba yinto efanayo. Impela, bangane, niyazi ngikhulume iqiniso, noNkulunkulu usefakazile ukuthi ngikhulume iqiniso. UJesu waphilisa bonke cishe eminyakeni eyi 1900 eyedlula.

Bangaki kini abanokukholwa manje ukuba baMemukele njengoMphilisi wenu? Phakamisani izandla zenu. Kunjalo, labo abasezinhlakeni zemibhede futhi nihlezi ezihlalweni zenu nokunjalo. Ningaphulukiswa. Ngikwenzile engikutshelwe yingelosi ukuba ngikwenze. Yathi ngenze izibonakaliso njengoba uMose umprofethi enza. Ngakho celani futhi nibe qotho uma nikhuleka, futhi akukho okuzoma phambi komkhuleko wenu. Niyakukholwa lokho? Ngakho-ke khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje.

Baba wethu waseZulwini, ngikhuleka kuWe ukuba uhawukele ngalelihora, isihawu kuso sonke isintu, futhi ikakhulukazi lababantu abalele lapha. Sengifakazile ngaWe, o, Jehova omkhulu, nangeNdodana yaKho ethandekayo, uJesu, noMoya oNgcwele usufakazile ngobufakazi bami ukuthi yiqiniso. Futhi manje, Baba, ngibatshelile ukuthi iNdodana yaKho yafela ukuphiliswa kwabo nengelosi yeNkosi yahlangana nami futhi yayigcoba inceku yaKho ukuba ihambe nalomlayezo. Hamba phezu kwalezizethameli manje. Sengathi amandla obuhle avela eKalvari, egazini lomhlatshelo, umzimba nokufa kweNkosi yethu uJesu, kungeza kuwo wonke ohluphekile ekuzweni iphimbo lami. Baba Othandekayo, busisa wonke umuntu osemkhulekweni manje, wonke umuntu okholwa ngumlayezo. Siphe khona, Nkosi. Yizwa ukukhala kwami kokuzithoba kuWe. Ngikhulekela ukuthi uvumele umkhuleko wami uphendulwe.

Egameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngithethisa yonke imimoya yokugula, onke amandla amademoni, onke amandla abophe abantu, abayizishosha, abayizinxemu, izimpumputhe, nabahluphekileyo. Sathane, uyadalulwa. Ungeke ubabambe lababantu. Amandla akho ephukile. UJesu Kristu wakunqoba eKalvari. Ngimele Yena manje esiphiweni esingesikaNkulunkulu futhi uyadalulwa futhi uyakhishwa. Ngiyakuyala ngegama leNkosi yami uJesu Kristu, wena ozofanele umlalele, ngoba ngibiza iGama laKhe

ngenhlonipho nobungcwele phezu kwalababantu abagulayo. Uphume kubo ukuze baphiliswe ngoJesu Kristu, iNdodana ethandekayo kaNkulunkulu. Amen.

Manje, nisakhothamise amakhanda enu ngifuna nje nikholwe lapho ngisho lamazwi. Ngiyazi ukuthi kuthathani ukwehlula uSathane futhi ngizosho lamazwi. Ngifuna niwakhuleke enhliziyweni yenu lapho ngiwakhuluma. Makuthi abantu abagulayo noma yikuphi ezethamelini manje, nithandaze lamazwi enhliziweni yenu, emva kokuwasho kwami.

Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuphila okuphakade, Mnikezeli wazo zonke iziphiwo ezinhle, thumela isibusiso saKho sokuphilisa phezu kwami, isidalwa esisazokufa esihluphekayo bandla. Manje ngiyakwemukela ukufa kweNdodana yaKho eKalvari, eyafela ukuphiliswa kwami. Ngomusa waKho, Nkosi, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizofakaza ngokuphiliswa kwami. Kulotshiwe ukuthi Wena unguMpristi oMkhulu wokuvuma kwami, futhi ngizovuma ukuphiliswa kwami ngize ngisinde ngokupheleleyo. Ngizwe, o, Nkosi, ngokuba ngizinikela mina kuWe kukho ukuphiliswa komzimba wami, ukuKunika udumo egameni leNdodana yaKho engcwele, uJesu Kristu. Amen.

# Imibiko evela eNingizimu Afrika

Ezigabeni zangaphambili benethulelwa uMfowethu Branham, inkonzo yakhe nesiphiwo sokuphiliswa esisebenza ngaye. Nitsheliwe ukuthi waqondiswa kanjani yiNkosi ukuba aye eNingizimu Afrika. Ukuze uyazi kangcono inkonzo yakhe, ngininikeze umlayezo wakhe othathwe ngogesi wezwi ngezwi enkonzweni uqobo lapho ekhulekela khona abagulayo. Kulesisigaba ngizothanda ukuninikeza umbiko omfishane wamaviki ayishumi esawahlala eNingizimu Afrika.

Imihlangano yenkolo emikhulu ukuyedlula yonke eseyake yabanjelwa eNingizimu Afrika yayiphethwe uWilliam Branham neqembu lakhe phakathi kwezinyanga zikaOktoba, uNovemba noDisemba, 1951. Lokhu kwaba ngukweneliseka okuvunywa ngumuntu wonke kubo bonke abantu engakhuluma nabo mayelana nalemihlangano. Ekukhulumeni nabefundisi, izithunywa zenkolo, izikhulu zomphakathi nabanye ababekhathalele okukamoya, abezenhlaliswano nabenhlalakahle yokuziphatha kahle kwabantu, saqinisekiswa ukuthi imiphumela yalemihlangano iyolokhu isezwakala eminyakeni ezayo.

Amakhulu ezinkulungwane abuthana ndawonye ngaphandle enkundleni evulekileyo, emahholo, ezinkundleni zemibukiso, endlini enkulu yamabhanoyi futhi ngisho nasenkundleni yomjaho zifuna uNkulunkulu. Amashumi ezinkulungwane ambongile uNkulunkulu ngokuphiliswa kwawo. Abanye baphiliswa khona lapho, abanye bathola ukuphiliswa kancane kancane. Abanye, bekuzwile ukuthinta kukaNkulunkulu, babefakaza ngesikhathi nendawo. Akunakwenzeka ukubeka ngohlu izindlela ezininginingi abantu abathola ngazo ukuphiliswa kwabo. Kwakukhona izehlakalo zalabo ababesukuma baye ekhaya futhi bathole izifo zabo sezihambile. Kwabanye ukuphiliswa kwabo kwakupheleliswa emigwaqeni, ezimotweni, emabhasini nasematekisini. Kwase kubakhona labo ababeya ekhaya bekholwa futhi bazi, lapho behlolwa wudokotela, ukuthi ukukholwa kwabo kwakungabanga-yize.

Labo ababephelekezela uWilliam Branham eya eNingizimu Afrika kwakungo W. J. Ern Baxter, imenenja yeqembu, uF. F. Bosworth, umphathi enkonzweni yokuphilisa kukaNkulunkulu, uBilly Paul, indodana kaWilliam Branham, nami. Ngesikhathi sokuhlala amaviki ayishumi, imihlangano yayibanjelwa emadolobheni ayishumi nanye kwahamba phambili nesibalo sesihlangene singaphezu kwezinkonzo eziyikhulu namashumi amabili nababekhona sebehlangene

bengabantu abayingxenye yesigidi. Ayikho indlela yokwazi ukuthi mangaki amashumi ezinkulungwane ama futhi asayina amakhadi ezinqumo zensindiso eqondene nazo nokuthi yinkulungwane engakanani elapho namhlanje abajabulela impilo enhle ngenxa yalomkhankaso.

Iqembu likaBranham labamba izinkonzo emadolobheni ayishumi nambili. Umbiko omude ungabhalwa mayelana nemihlangano kunoma yiliphi lalamadolobha, kodwa ngeke kwenzeke ukunikeza yonke iminininingwane. Akunasidingo, ngoba eziningi zezinto ezimangalisayo ezazenzeka zaziphinda phinda zenzeka emihlanganweni emininginingi kuyo yonke iNyunyana.

Sizamile ukwenza yonke imibiko ibe njengoba injalo impela. Uma kubekhona noma yisiphi isizathu sokungabaza ngobuqiniso banoma yimuphi umbiko, ususiwe. Singaqoka ukulinganisa ngokusinciphisa isibalo sezixuku kunokusilinganisa ngokweqisa, isibalo esemukela insindiso, ukuphiliswa, nabavamise ukubakhona emihlanganweni. Izibalo zinikezwe kuphela ukuze niqonde kangcono futhi nilinganise umphumela lemihlangano ewenzile kwiNingizimu Afrika. Endaweni yalamakhasi ambalwa angizukukwazi nhlobo ukufaka zonke izimfakazo, imibiko enezindaba ezimnandi nemininingwane. Ngizokwazi kuphela ukunibikela ngengxenye yemihlangano, nginisize ukuba niqonde ukuthi kwenzekani ekuphilisweni okuyisimangaliso kwakho kokubili umzimba nomphefumulo okwakubonwa ngamehlo ubusuku nobusuku.

Akuzukwenzeka ukwenza umbiko ofanele ngemihlangano eNingizimu Afrika ngaphandle kokuthi kuqala ngibale ubambiswano olumangalisayo esaluthola eMbuthweni wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika, isiPhambano esiBomvu, izisebenzi zasema-Ambulenseni akwaSt. Johns nabahlengikazi. Asikaze sibone iqembu labantu ababambisana ngokuvumelana okukhulu kangaka futhi benosizo olukhulu. Inkonzo nenkonzo abaningi babo babesebenza ngaphandle kwenkokhelo yemali. Nakuba ithuba lingasivumelanga ukuba sibabonge bonke ngamunye, nokho sakuthokozela konke abakwenzayo futhi siyafisa namanje ukubabonga ngokuyiqiniso.

Akushiwo nakushiwo, impumelelo enkulu yemihlangano ikakhulu yaba ngenxa yokwethembeka kwamakristu—abefundisi, izithunywa zenkolo, izisebenzi, nabantu nje—abama emva kweQembu likaBranham ngomkhuleko nangokukholwa. Umkhankaso waseNingizimu Afrika wawuxhaswe yiApostolic Faith Mission, iAssemblies of God, iPentecostal Holiness, neFull Gospel Church of God. UMfu. A. J. Schoeman wayenguMphathi-sihlalo weKomiti likaZwelonke noMfu. W. F. Mullan wayenguNobhala




Isithombe ngu J. J. Wesselo, eGoli

*Lesi yisithombe seQembu likaBranham namalunga eKomidi eliKhulu elibhekene nawo onke amalungiselelo amayelana nomkhankaso.*

*Umugqa ongaphambili: uA. W. Preller, F. F. Bosworth, A. J. Schoeman, William Branham, W. F. Mullan no W. J. Ern Baxter.*

*Umugqa ophakathi nendawo: uH. C. Phillips, D. Freeman, G. Vermeulen, J. H. Saayman noBilly Paul Branham.*

*Umugqa ongemuva: uE. D. Pettenger, E. King, J. W. Gillingham noJulius Studsklev.*

kaZwelonke. Amakristu amaningi nabefundisi bamanye amahlelo bayethamela imihlangano, bababmbisana, futhi bahlanganyela ezibusisweni uNkulunkulu azinikeza ngesihle kakhulu kulabo ababezokholwa.

INingizimu Afrika iyizwe elihle, izwe elinokwehlukana okuyinqaba. Isibonelo nje, idolobha laseGoli lingelesimanje njengamadolobha amaningi aseMelika. Phakathi kwamamayela angamashumi ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili ngaphandle kwedolobha naphakathi ezweni ungaya ngemoto ezindaweni ezabelwe abomdabu lapho abomdabu behlala khona njengoba sebehlale izizukulwane, ezindlwaneni zabo ezincane zotshani.

Izifiki zokuqala zabeLungu baseNingizimu Afrika, abahwebi baseDashi, bafika bakha eKapa yeThemba eLihle. Imizabalazo yabo ayihlangabezananga nemisuka yemvelo kodwa naBathwa namaLawu. Kamuva amaProtestane aseFulansi afikela ukuzokhosela. Ngo 1688 amakhulu amabili abo ayeqhutshwe ngemponqo ukungena eHolandi, athutha

azokwakha eNingizimu Afrika. Ngo 1795, amaNgisi aqala ukwakha lapho. Ngenxa yalokho, kwabakhona umzabalazo phakathi kwabeLungu kanjalo nezimpi zegazi nezizwe zabomdabu. Kwase kuqala olukhulu "ufuduko lokuya eNyakatho," olwangenisa izififiki engxenyeni yasenyakatho yeNingizimu Afrika. Konke lokhu kwenza umlando waseNingizimu Afrika uhehe. INingizimu Afrika yahlala iyizwe elibuswa yiDashi kwaze kwaba ngu 1902, lapho isibuyiselwa emaNgisini ngesizathu seMpi yamaBhunu.

Lokhu ukuqonda kwemuva leNingizimu Afrika kuvumela ukuba umuntu aqonde abantu futhi azibonele ukuthi iNingizimu Afrika ayisilo izwekazi elimnyama, eyingxenye yalo. INyunyana yaseNingizimu Afrika inenani labantu abangaphezu kwe 3,000,000 abangabeLungu ne 10,000,000 abangesibo abeLungu. Yabamba iqhaza elikhulu eziMpini zoMhlaba.

Sonke sasesihlele ukusuka esiKhumulweni sezindiza samaZwe ngamazwe eNew York lulunye kuOktoba, 1951, sifika eGoli zintathu. Lapho sisesikhumulweni sezindiza futhi sesizogibela ibhanoyi, sathola ukuthi uWilliam Branham noBilly Paul babengezukuhamba ngoba, ngeseluleko esiyisiphosiso, izincwadi



*uW. J. Ern Baxter, uWilliam Branham, Billy Paul Branham, uF. F. Bosworth noJulius Stadsklev*

zabo zokungena kwamany'amazwe zazingagcwaliswanga. Ngakho-ke, uW. J. Ern Baxter, uF. F. Bosworth nami sahamba ngaphandle kwabo.

Abantu baseNingizimu Afrika bathola ukudumala okukhulu sesifika eGoli futhi bathola ukuthi uMfowethu

Branham nendodana yakhe uBilly babengekho bona. Iphephandaba eGoli labika ukuthi abantu abangaphezu kwe 4,000 base beqalile vele ukuthutheleka eGoli ukuzombona. Amakhulu abantu ayeseminyene esiKhumulweni sezindiza iPalmietfontein ukuba bazomuthi nje shazi, uMvangeli waseUnited States owayebone ingelosi ngo 1946 nowayefanele afikele uhambo lwezinyanga ezimbili azungeze iNyunyana.

Lapho singena eGoli ngokushesha saqonda ukuthi abanye abagibeli bebhanoyi babechaza ukuthini lapho bethi yi "Dolobh leGolide," ngoba macala onke nangaphansi kwakuyizimayini zegolide ezizedlula zonke emhlabeni. Kungesilo iGoli kuphela kodwa wonke umnotho waseNingizimu Afrika wakhiwe ematsheni egolide. Ngaphezudlwana nje kwengxenye yekhulu-minyaka, iGoli nenani labantu abayizi 603,470, selibe yidolobha laseNingizimu Afrika elikhulu kunawo onke.

Imihlangano yokuqala yomkhankaso waseNingizimu Afrika yabanjelwa eTabernakele eMaphakathi eGoli. Nakuba leli kungelinye lamabandla amakhulu ngokuthe xaxa kulelidolobha, abantu baqala ukubuthana ngelesikhombisa nqo ekuseni benzela



Isithombe nguJ. J. Wesselo

*Inkonzo yakusihlwa eTabernakele iMaranatha Park, elibekwe ezinkundleni zenkomfa ye The Apostolic Faith Mission.*

inkonzo yantambama. Kusekude ngaphambi kokuba inkonzo yantambama ihlelwe, indlu yase igcwele phama. Imihlangano yakusihlwa yabanjelwa eTabernakele iMaranatha Park ngoba lalingekho ihholo edolobheni laseGoli elalilikhulu ngokwenele ukuhlalisa izixuku ezazilinganiselwa impela ngaphezu kwezinkulungwane eziyishumi ukuhlwa ngakunye.

Enkonzweni yokuqala yantambama, uMfowethu Baxter wethula umlayezo ngamaqiniso okuphilisa kukaNkulunkulu. Wabanakisa amavesi omBhalo abonisa wonke umuntu oqotho

ukuthi uKristu akafelanga zona izono zethu kuphela kodwa futhi wahlawulela nokuphiliswa ngokwenyama kwemizimba yethu.

Indoda eyodwa yasePitoli kulenkonzo yokuqala yafika esiphethweni sokuthi uma lezizinto zaziyiqiniso, ezifanele zibe yilo njengoba zazivela eZwini likaNkulunkulu ngqo, yayizoya ekhaya futhi ibize ukuphiliswa komzimba wayo njengoba yayifune ukuphiliswa komphefumulo wayo, ngokwesethembiso sikaNkulunkulu. Lokhu yakwenza. Ezinsukwini eziningana kamuva yaya kudokotela ukuba iyohlolwa, okwembula ukuthi akukho namkhondo womdlavuza eyayinawo owatholakalayo.

Iqiniso lokuphilisa kukaNkulunkulu kwathola umhlabathi ovundileyo ezinhliziyweni zabantu baseNingizimu Afrika. Leliqiniso lalingesilona elisha kubo. UAndrew Murray, omunye wababhali abakhulu kunabo bonke endabeni yokuphilisa kukaNkulunkulu, wayengowaseNingizimu Afrika futhi ngesikhathi sokuphila kwakhe wayengumholi weBandla iDashi Reformed. IBandla lamaNgisi nalo futhi liyakukholwa futhi likwenze kufike ebangeni elithize, likhulekela abagulayo.



*Itshe lesikhumbuzo ekukhunjulweni kuka-Andrew Murray, phambi kwesonto lapho ayekhonza khona abantu bakhe.*

IApostolic Faith Mission, umsebenzi omkhulu kunayo yonke wamaPentecostal eNingizimu Afrika, yaqanjwa nguJohn G. Lake, ompilo yakhe yathonywa kakhulu yinkonzo kaMfowethu F. F. Bosworth. Ngalesisizinda senkolo insimu yase ivuthwele ukuvunwa.

UMfowethu Baxter noMfowethu Bosworth babamba imihlangano kwaze kwaba nguOktoba 6, ngenkathi uMfowethu Branham noBilly Paul befika bevela eStates. Babefanele bafike ngelesihlanu nqo kodwa ibhanoyi yaba semuva ngohlelo futhi ayangafika kwaze kwaba yimizuzu embalwa emva kwelesishiyagalolunye.

Baphuthunyiswa bedluliswa e ofisi labathengi, base besiwa eTabernakele eMaranatha Park ukuze baphethe inkonzo

ngalokho kuhlwa. UMfowethu Branham wakhuluma imizuzu embalwa nje wase-ke evala ngomkhuleko wabo bonke labo abadinga ukuphiliswa. Sinezimfakazo zabantu abathola ukuphiliswa kwabo ngalobo busuku bokuqala. Phakathi

## 'MIRACLE' SETS BOY WALKING NORMALLY

(Sunday Tribune Reporter)

**A FAITH cure, described by his mother as a "miracle," has enabled 16-year-old Ernest Blom, of Eastview Road, Red Hill, Durban, formerly a cripple, to walk normally for the first time in his life.**

Last Sunday evening, Ernest astounded a packed congregation of more than 500 people at the Full Gospel Church in Beatrice Street, Durban, by rising from his seat and walking without the slightest difficulty to the pulpit to testify that "a miracle happened and I am now completely cured."

Excited groups of people gathered outside the church later to watch Ernest walking and to congratulate him on his recovery.

His mother, Mrs. Mary S. Blom, said: "Ernest is the youngest of my family of 10. When he started to walk, I noticed that his left leg was shorter than his right. He could only walk on the tips of his toes, and had to drag his left foot.

### WENT TO HEALER

"From the age of four until a month ago, he was under the care of a specialist. For two years he wore a leg iron without any noticeable improvement. The specialist latterly suggested an operation, but said he could not guarantee that it would be a success, so I gave up the idea.

"I heard of Pastor William Branham's remarkable faith-healing successes in the States. When my daughter and a friend heard he was to visit Johannesburg they motored from Durban three weeks ago and took Ernest along. They attended his opening meeting in the Maranatha Park Hall, at which 15,000 people were present."

Ernest himself here took up his story. He said: "I was right at the back of the hall. Pastor Branham asked all the people wanting to be cured to lay hands on each other. I laid my hands on those of a man sitting beside me. Pastor Branham said, 'I will pray for you.'

### "WEIRD SENSATION"

"I experienced a weird sensation. It was just like cold water running through my body. I began to cry. My sister said, 'Are you healed, Ernest?' I replied, 'Yes, I am sure I am healed.'

"Because of the huge crowd I could not move, but as I was being helped from the back of the hall I kept repeating, 'I am sure I am healed.'

"Pastor Branham said: 'All you people who are healed, will you come forward.' I was assisted to the sick bay by others. He told me to walk up and down the platform on which he was standing.

### "URGED ON"

"I broke into a sweat but something urged me on, and I managed to walk normally across the platform and back.

"When I got back to Durban and my school friends at Hunt Road School saw me walking into the classroom, they were flabbergasted.

"My left leg is getting stronger every day. I can now play cricket and other games."



kwabo nguErnest Blom owayehambe ngemoto esuka eThekwini ukuyothamela imihlangano eGoli. Emavikini amaningana emva kokuba esebuyele ekhaya wathi ukuxoxisana nentatheli yeDurban Sunday Tribune, eyabika indaba esiqeshini sephepha ngoNovemba 11, 1951.

Izinsuku ezalandelayo zaziyizinsuku zokwethemba okukhulu futhi sabona izinto iNingizimu Afrika eyayingakaze izibone ngaphambili. Njengoba sekushiwo, akunakwenzeka ukubeka ngohlu konke ukuphiliswa nezehlo ezigqamileyo ezenzeka kulemihlangano, kodwa ngizothanda ukunilandisa ngezinye zezehlakalo ezigqamile enkumbulweni yami.

Ngokunye ukuhlwa lapho eGoli ngenkathi uMfowethu Branham ekhuluma nomunye emsamo emgqeni womkhuleko, masinya wabheka ngasezethamelini futhi wakhomba inenekazi eliselincane lilele ohlakeni lombhede. Wathi, “Nenekazi, umhlane wakho wephuke ezindaweni ezintathu ezehlukene ngenxa yokuwa. UJesu Kristu usekuphilisile. Sukuma wemukele ukuphiliswa kwakho.” Inenekeza lalikhungathekile, kodwa ngokukholwa lasukuma ladumisa uNkulunkulu ngokuphiliswa lakuthola ngokushesha. Ngokuhlwa okulandelayo labizwa ukuba lizofakaza ngokuphiliswa kwalo futhi ngalesosikhathi salithatha isithombe, uNkk. Ann Weiblen, enoMfowethu Branham, uMfu. A. J. Schoeman noBilly Paul.



Isithombe nguWesselo

Ngalokho kuhlwa okufanayo intombazane esencane cishe ineshumi nane leminyaka ubudala yangena ithwelwe ngohlaka yizisebenzi zesiPhambano esiBomvu. Nayo futhi yayinomhlane owephukile futhi yayikhala ngenxa yobuhlungu obukhulu obabuyiphethe. Phakathi nomhlangano, uMfowethu Branham wayikhomba wayesethi, “Umhlane wakho wephukile. UJesu Kristu usanda kukuphilisa nje. Sukuma futhi wemukele ukuphiliswa kwakho.” Ekuqaleni intombazane ayizange ikukholwe eyayikuzwile. Yathi, “Ubani, mina?” UMfowethu Branham wathi, “Yebo, wena.” Kulokhu, yasukuma. Unina wayekade ehlezi esihlalweni eduze kohlaka lombhede futhi lapho intombazane isukuma nonina wasukuma. Wayephuphumiswa yinjabulo ngangokuthi waquleka wawela

ohlakeni lombhede intombazane eyayisanda kusukuma kulo. Sinaso futhi isithombe sabo esathathwa nje emizuzwaneni embalwa ngaphambi kokuba umama aquleke.



Isithombe nguWesselo

Emva kwenkonzo intombazane yahamba hamba ijabula ngokuphiliswa eyayisanda kukuthola. Ngayibuza ukuthi iqolo layo lalephuke kanjani futhi yathi kwakwenzeke engozini yemoto cishe sekuphele unyaka. Ngiyibuza ukuthi yase ihambe kangaki kusukela engozini yathi yayingakaze ihambe ngezinyawo zayo kusukela ngesikhathi sengozi kwaze kwaba yilobo busuku emva kokuba uMfowethu Branham eyikhombile futhi wayitshela ukuba isukume futhi ibize ukuphiliswa kwayo.

Lokhu ukuphiliswa okubili kwahlaba umxhwele ngempela ngoba kwakhombisa ukushaya emhlolweni kwamazwi kaMfowethu Branham ekhulunywa phansi kogcobo. Ukuba uMfowethu Branham wayenze iphutha futhi wabatshela ukuthi uKristu usebaphilisile bengaphilisiwe, kwakuyoba

yisibhicongo. Akekho umuntu onomhlane owephukile ongasuka embhedeni wakhe futhi ahambe ngaphandle uma wayephilisiwe. Okokuqala nje angahle angakwazi ukunyakaza futhi uma enyakazile, anqamuke kakhulu omunye umizwa ongabangela ukufa masinya.

Esinye isehlakalo esingejwayelekile impela senzeka emaLungeni amabili eBandla iDash Reformed. Ayeze emihlanganweni futhi abukela. Elinye lawo, lapho lizwa uMfowethu Branham ezixilonga izifo, etshela abantu ukuthi yini eyayingalungile kubo, futhi lapho lizibonela ngamehlo izimangaliso zenziwa, yeneliseka ukuthi kwakunguNkulunkulu. Elinye iLunga lahlala lapho nalo lambukela uMfowethu Branham ezixilonga izifo, etshela abantu izinto eziyizimfihlo zenhliziyo yabo nanokuthi egameni likaJesu sebephilisiwe futhi bangasukuma baye ekhaya babize futhi bajabule ekuphilisweni kwabo. Leneliseka ukuthi kwakungumphumela wamandla amademoni. Amadoda amabili womabili ayeqotho kodwa ayesefike eziphethweni ezehlukene. ILunga lokuqala laya ekhaya; elesibili laphuma laya phansi kwesihlahla ukuba liyokhuleka. Liselapho likhuleka lacela uNkulunkulu ukuba alikhombise ukuthi ngabe izinto elalizibonile zazingezikaNkulunkulu yini noma ezikaSathane. Laliqotho futhi lavuma ukukholwa noma yini eyembulwa kulo nguNkulunkulu. Lisakhuleka, lezwa isandla ehlombe lalo. Laphenduka ukuba libone ukuthi kwakuwubani, kodwa kwakungekho-muntu lapho. Esikhundleni sokubona umuntu, labona umbono. Labona amafu amabili, futhi lapho phakathi kwawo kwakuhlezi umngane walo oliLunga ngayo impela indlela ayekade ehlezi ngayo kafushane ngaphambilini ngenkathi bexoxa ngenkonzo kaMfowethu Branham. Ekupheleni kombono laya ngokukhulu ukushesha ekhaya leLunga ukulitshela okwenzekile. Lapho lichaza umbono kulo, amanye amalunga omndeni ayelapho abona lapho kade kubeke khona isandla eyembeni lalo. Lapho belihlola iyembe, bathola ukuthi lalibashukile, ngokusobala kakhulu lishiya lapho okubeke khona isandla sesokunxele. Izindaba zafika kuMfowethu Branham ngalokho okwakwenzekile futhi wathi, "Ngikwazi konke. Ngikubonile embonweni kulentambama. Nginikeni iyembe nesandla sami sokunxele sizokwenela ncamashi endaweni ebeke isandla ebashukile eyembeni." Lokhu kwenziwa futhi kwaba njengoba uMfowethu Branham wayeshilo. Ngalokhokuhlwa iyembe lalethwa emhlanganweni futhi amakhulu akubona ukubashuka endaweni ebeke isandla eyembeni.

Ngokunye ukuhlwa lapho uMfowethu Branham ebizela ukuba kwenziwe umugqa womkhuleko, sathola ukuthi eyodwa yezinombolo ezabizwayo yayingekho. UBilly Paul wayenikeze amakhadi okukhulekelwa ngaphambi kwesikhathi

kuleyonkonzo efanayo ngakho saqiniseka ukuthi umuntu ophethe leyonombolo wayekhona. UMfowethu Branham wacela bonke abantu abaphethe amakhadi okukhulekelwa ukuba baphinde bayisheke inombolo yabo futhi uma bephethe inombolo engekho basize beze ngaphambili. Inenekazi lase lisukuma-ke futhi lachaza ukuthi belinaleyonombolo. Nokho, ngenkathi selilemukelile kuqala lelokhadi lomkhuleko lezwa into iguduza emzimbeni walo. Kwakufana nokubanjwa wugesi, ukuphela kuthe ukuphola kodwa kuthatha isikhathi eside kancane. Lalinomdlavuza endebeni yalo eyayibuhlungu njalo. Emva kwalokhu ukubambeka okungathi amadlingozi, ubuhlungu baphela. Lezwa ukuthi lase liphilisiwe futhi ngakho-ke sasingekho isidingo sokuba likhuphuke liye emgqeni wabakhulekelwayo.



*UMfu. William Branham noMfu. A.J. Schoeman, uSihlalo kaZwelonke, owayehumushela umlayezo olimini lwesiBhunu.*

Isithombe nguJ. J. Wesselo

Ilunga leDashi Reformed langena emgqeni ukuba likhulekelwe. Emva kokulikhulekela, uMfowethu Branham walitshela ukuthi lase likutholile ukuphiliswa kwalo futhi lase lingahamba liye ekhaya lidumise uNkulunkulu. Wathi futhi, "Unonkosikazi osekhaya uphethwe umdlavuza. Usungajabula ngoba useyaphila naye." Kamuva lapho indoda isisondela ekhaya layo yabona ukuthi onke amalambu endlini ayekhanya nezimoto ezithi azibe mbili zazingaphandle. Yathi ukuphazamiseka, imangala ukuthi ngabe kwakwenzekani. Lapho ingena ekhaya yabona umkayo engekho embhedeni, ezizwa ephila, futhi ebonga uNkulunkulu ngokuphilisa umzimba wakhe. Wayebize abanye abangane lapho ezwa ukuthi usephilisiwe, futhi babefikile. Kanye kanye bonke bajabula ngokuphiliswa ababekuthole bobabili.

Phakathi nomunye umhlangano eGoli umfana osemncane cishe eneminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala wabizwa ukuba enyukele emgqeni wabakhulekelwayo.

UMfowethu Branham wakhuluma nomfana imizuzu embalwa echaza ukuthi inhliziyo ebuthakathaka ayenayo yayibangwa ukucindezelwa yidemoni. Wamtshela ukuthi uzosinda futhi ngelinye ilanga uyobe eshumayela iVangeli elifanayo manje elaselilethwa kubantu baseNingizimu Afrika. Masinya uMfowethu Branham waphendukela ezethamelini futhi phakathi kwemizuzwana embalwa elandelayo yokuthula kwakusobala ukuthi wayebona umbono wento ethize phezu kwezethameli. Wayesekhomba ngqo laphaya ngale kwepulpiti futhi wathi kwakukhona intombazanyana futhi nomunye umfana laphaya lapho bephethwe ukuhlupheka okufanayo. Wonke umuntu wazizwa eshabashekile lapho ekhomba ngalapho ayazi ukuthi bangakhona, kodwa akangabathola. Lapho kwedlula imizuzwana, waphikelela nokuthi babekhona. Wathi umoya obubopha lomfana wawucela usizo kwamanye amademoni ohlobo olufanayo ezethamelini. Waqhubeka ebheka kodwa akangabathola. UMfowethu Baxter wakhuphuka evela ngemuva futhi ebeka isandla sakhe ngemuva kuMfowethu Branham emmbangela ukuba aye phambili. Lapho enza lokhu



*Umfowethu Baxter noJustus du Plessis owayengumhumushi ovamile njalo olimini lwesiBhunu.*

uMfowethu Branham wasondela epulpiti futhi wakwazi ukubona labo ababengaphambi kwalo nje. Nampo ababili ayebafuna, umfana ocishe abe neminyaka eyishumi nambili ubudala nentombazane incane ngeminyaka ethi ayibe mibili. Bobabili babelele ezinhlakeni zemibhede futhi babekade becashile ukuba ababone ngenxa yepulpiti. Wabakhulekela futhi wabatshela ukuthi sebesindile edemonini elalibangela inhliziyo yabo ebuthakathaka. Wayebone umbono wabo bonke bobathathu bephiliswa. Kamuva ngaxoxisana nomama womfana owayekade elele ohlakeni lombhede. Wangitshela ukuthi indodana yakhe yayisesimweni sokuthi yayingakwazi ukuhlala ngezinqa kwedlule imizuzu eyishumi ngelanga.

Inkonzo kaMfowethu Branham ayejwayelekile ngempela futhi njengoba uMfowethu Bosworth wayehlala esikhumbuza ayikaze ibekhona into enjengayo selokhu kwaba yisikhathi

uKristu ayephila ngaso lapha emhlabeni. UNkulunkulu ubemuhle kubantu baKhe futhi izikhathi ngezikhathi ubesinika ababoni nabaprofethi, kodwa njengoba sikwazi ukuthola emarekhodini eminyaka yonke emlandweni akaze abebikho omunye onenkonzo enjengekaMfowethu Branham. Njalo wayezibonela ngamehlo phakathi kwemibono engamashumi amathathu namashumi amane ngosuku futhi akukaze kubekhona nowodwa oyiphutha. Izikhathi eziningi wayebona imibono yezinkonzo isikhathi singakafiki noma izehlakalo ezazizokwenzeka esikhathini esizayo. Kwakuthi ngesinye isikhathi asitshele ngalezi ngaphambi kokuba zenzeke ngempela bese kuthi uma sesizibona sikhunjuzwe ayesitshele khona.

Masinyane emva kokuba sifike eGoli, uMfowethu Branham waba nombono ukuthi ngosuku olulandelayo, uMfowethu Schoeman nabanye bazobe besezansi nedolobha. Bazobona owomdabu emi ekhoneni egqoke iyembe eliblu nebhulukwe



*uF. F. Bosworth, inhloko enkonzweni yokuphilisa kukaNkulunkulu.*

elimhlophe. UMfowethu Branham wamchaza owomdabu, echaza ngisho ikhona nezindlu owomdabu ayemi ngakuzo. Ngosuku olulandelayo baya ezansi nedolobha futhi uMfowethu Branham wayilanda indaba yalombono kulabo ababenaye. Lapho behamba behla nedolobha, bajika ekhoneni futhi lapho

ngqo phambi kwabo kwakumi lona womdabu, egqoke nse njengoba uMfowethu Branham ayemchazile. Nalokho okwakusendaweni, futhi, kwakunjengoba ayekushilo nje.

Ngelinye ilanga uMfowethu Branham wabona embonweni intombazane yomdabu eyayithe ukuba nesimongo esikhulu sinesibazi. Yayihlezi enhlabathini ibheke phansi sengathi



*uMfowethu Branham ekhonza abomdabu nabahumushi abathathu.*

kukhona eyayikwenza ngezandla zayo. UMfowethu Branham wayilanda indaba yalombono kwabanye futhi ezinsukwini ezimbalwa kamuva babephumile beshayela behamba hamba futhi nanso lentombazane eceleni komgwaqo ithengisa ubuhlalu. Akekho omunye emotweni kuqala owayiqonda intombazane iyileyo uMfowethu Branham ayeyibonile embonweni. Emva kokuba sebeshayele bedlula cishe uhhafu wemayela, uMfowethu Branham wabacela ukuthi bangeme yini bajike ngoba wayefuna ukubona lentombazane eyayihlezi lapho ngasemgwaqeni, yenza futhi ithengisa lobubuhlalu. Babuyela emuva base bema ukuba babuke obunye bobuhlalu. Lapho nje sebelungele ukuhamba uMfowethu Branham wathi, "Akekho oyiyikhumbulayo lentombazane?" Lapho beyibuka bayikhumbula njengentombazane uMfowethu Branham ayebatshele ngayo, ihlezi enhlabathini, ibheke phansi sengathi kukhona eyayikwenza ngezandla zayo. Lapho iphakamisa amehlo basibona futhi isimongo sayo esikhulu nesibazi.

Ngokuhlwa kokuqala uMfowethu Branham wayesekhaya likaMfowethu Schoeman, uMphathisihlalo weKomiti eliKhulu, waba nombono walokho okwakwenzeke endodakazini

kaMfowethu Schoeman. Yayihlinzwe esweni. UMfowethu Branham wakuchaza ukuhlinzwa njengoba kwakwenzekile nje. UMfowethu Schoeman wakuqinisa konke osekushiwo; kwaba njengoba kwakwenzekile nje.

Emva kokuvala iviki lemihlangano eGoli, saya eKlerksdorp ngemoto. Leli elinye idolobhakazi lezimayini cishe amamayela ayikhulu ngaseningizimu yeGoli. Inkonzo yokuqala lapho yakhanselwa ngenxa yemvula nenkonzo yesibili yakhanselwa ngenxa yesivunguvungu nezulu elalimakhaza. NgeSonto ekuseni uNkulunkulu wakhuluma kuMfowethu Branham ngombono, emqinisekisa ukuthi sizoba nesimo sezulu esikahle ngesikhathi sayo yonke imihlangano esasele eNingizimu Afrika. Lemihlangano emibili yaba yiyona kuphela eyakhanselwayo ngenxa yezimo zezulu kulolonke uhambo lwaseNingizimu Afrika, nakuba eminye yemihlangano yayibanjelwa emadolobheni ayenenkathi yawo yezimvula.

NgeSonto, ngo-Oktoba 14, kwakuwusuku oluhle. Abantu bangena beshayela besuka emakhulwini amamayela beze emihlanganweni. Ngatshelwa abantu abaningana basemadolobheni ukuthi kwakuyiqembu elikhulu kunawo onke asake abuthana edolobheni laseKlerksdorp. UMfowethu Baxter wethula umlayezo weVangeli ngalokho kuhlwa futhi lapho ecela labo abangasukuma futhi bakhombise ngakho ukwemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wabo neNkosi, cishe abantu abayizinkulungwane ezintathu basukuma bephendula kulokho kubizwa. Njengoba abantu bakulelidolobha futhi bazibonela ngamehlo amandla eNkosi enza izimanga, ngoMfowethu Branham, nabo futhi bavuma ukuthi umprofethi ovela kwelinye izwe wayebavakashele. Baqonda ukuthi mhlawumbe babengeke baphinde bayibone into enjengalena esikhathini sokuphila kwabo. ISonto laba ngelinye lezinsuku ezinkulu kunazo zonke iKlerksdorp eseyake yalubona. Babebaningi abathola ukuphiliswa kwakho kokubili umzimba wabo nomphefumulo.

Ngicabanga ngomfanyana owayeneminyaka eyishumi nanye noma ishumi nambili ubudala owayethole ikhadi lokukhulekelwa futhi onombolo yakhe yayibiziwe. Lapho ekhuphukela emsamo ngaqaphela ukuthi amehlo akhe ayenezinxemu ezimbi kabi. Kwathi nje uMfowethu Branham angambona, walanda indaba yentombazanyana yakhe amehlo ayo ayesephenduke aba yizinxemu ngenxa yobuhlungu obukhulu obabuyiphethe kafushane ngaphambi kokufa kwayo. UMfowethu Branham akayeki neze ukuba nozwelo uma ebona umntwana omncane enezinxemu. Wamkhulekela umfana wase emcela ukuba abheke phezulu. Lapho enza, amehlo akhe aqonda. Umfana waphendukela ezethamelini nabantu bajabula ngesizathu sokuthi amehlo ayekade eyizinxemu manje ayeseqonde ngokuphelele. Udokotela wendawo

wamhlola umfana futhi wamemezela ukuthi amehlo akhe aseyaphila. Emva kwenkonzo ngathola isithombe somfana esinaso lapha.


Ngokunye ukuhlwa emva kwenkonzo abanye bethu babehlezi bezungeze itafula lasedayiningrumu ekhaya likaMfundisi P. F. Fourie, omunye wabefundisi bendawo. Sasijabulela ukudla kokusiqabula noMfowethu Branham wayekhuluma nathi ngamaqiniso okomoya. Emva kokuba uNkk. Fourie esengenile wahlanganyela nathi etafuleni, ngaqaphela ukuthi uMfowethu Branham wayesibhekisisa ngamunye wethu, sengathi kukhona ayekufuna. Phansi kwemizuzu embalwa wahlala waqhiyama esihlalweni sakhe futhi wasitshela ukuthi wayekade ebone umbono ngaleyontambama. Manje sasihlezi sizungeze itafula njengoba nje wayesibonile. UMfowethu Bosworth wayehlezi ekugcineni kwetafula, uMfundisi noNkk. Fourie behlezi ekugcineni ngale, futhi uSidney Smith nami sasingale sibhekene noMfowethu Branham. Sonke ngamunye sasihlezi kuyo impela indawo nendlela esasihlezi ngayo ayesibone ngayo embonweni ngaleyontambama. Manje wayekwazi ukusho lokho uNkulunkulu ayemembulele khona. Waphendukela kuNkk. Fourie futhi wamlandisa ngezinye izehlakalo kusukela ebusheni bakhe. Lapho ebeka ngemininingwane, wahlala lapho exhuxhuma ngokucabanga ukuthi uNkulunkulu wayekhulume kumprofethi waKhe maqondana naye. Wamtshela futhi ukuthi wayenenhliziyo emphethe kabi nokuhlushwa yisisu okwakubangelwa ukwethuka. Emva kokuba esekhulume wenaba maqondana nombono futhi ekhuluma amazwi okumkhuthaza, wacela uxolo etafuleni wase eyophumula okwakusihlwa.



*Amehlo akhe ake aba yizinxemu, manje aseyaphila.*

Isitobhi sethu sesibili sasukela kuOctoba 17 kuya ku 21, eKimberley, ikomkhulu ledayimane lomhlaba. Imihlangano

lapho wawuhlelelwe eHholo leDolobha, kodwa phakathi kwenkonzo yokuqala yakusihlwa indlu yayigcwele futhi kwakukhona ngisho abaningi abantu ngaphandle kunalabo ababengaphakathi. Ikomiti lomphakathi labona ukuthi kufanele kubekhona okwenziwayo ukuze kuhlinzekelwe izinkulungwane ezazifuna ukuthamela imihlangano. Ngokubambisana okuhle kwemboni yezimayini sathola ukusebenzisa iStadiyamu iDe Beers, esasinezindawo zokuhlala cishe izinkulungwane eziyisithupha futhi silinganiswa njengesinye sezinkundla zemidlalo ezinhle kunazo zonke eNingizimu Afrika. Yiphakade kuphela eliyokwembula ukuthi yini eyafezwayo ngenxa yamathuba anezelelwayo.



Isithombe nguHoward Shaw

*uNkulunkulu wembula izinto eziyizimfihlo zezinhliziyo zabantu encekwini yaKhe.*

UMfowethu Bosworth esadla ekhefi lendawo, insizwa yafika yase imbuza ukuthi wayengesilo yini ilunga leQembu likaBranham. Yamtshela ukuthi yayivela eNingizimu-ntshonalanga Afrika nokuthi indodakazi yayo eneminyaka emihlanu yayibulawa wumdlavuza. Yacela uMfowethu Bosworth ukuthi kungenziwa njani ukuze umntwana wayo athole ukuphiliswa eyaqondayo ukuthi uKristu wayekuthengile. UMfowethu Bosworth wayichazela ukuthi nakuba yayingahle ingalitholi ikhadi lokukhulekelwa, yayisangakuthola ukuphiliswa. Wayeluleka ukuthi ihlale isemkhulekweni njalo ukuba uNkulunkulu anikeze uMfowethu Branham umbono womntwana wakhe owayephethwe umdlavuza. Indoda yafika enkonzweni imkholwa uNkulunkulu. Lapho imi eceleni, ikhuleka, uMfowethu Branham waphendukela kuyo wayesethi, “Hamba uye ekhaya;

uma ungahle ukholwe, umntanakho osekhaya ophethwe umdlavuza uzosinda." Kamuva, ngabuza uMfowethu Branham ukuthi wayeboneni mayelana nalendoda, futhi wangitshela ukuthi wayebone umbono wentombazanyana ilele embhedeni, iphethwe umdlavuza. Indingilizi yokukhanya ilengela ngqo phezu kendoda yakhomba ukuthi kwakungumntwana waleyondoda.

USidney Smith waseThekwini, owayehamba nathi ngalesisikhathi, wangilandisa isehlakalo esihlaba umxhwele. UMnu. Smith wayesanda kuma nje endlini lapho uMfowethu Branham wayehlala khona ukuba amthathe amyise enkonzweni. Lapho ephuma esangweni engena emgwaqeni, wahlangatshezwa yindoda ezacile impela eyakhombisa ukumazi uMfowethu Branham futhi yamcela ukuba ayikhulekele. Indoda yakhweza imikhono yayo ukukhombisa ukuthi izingalo zayo zazizace kanjani; zazingengaphezu kwesihlakala somuntu. UMfowethu Branham wayibuka wayesethi, "Uphethwe yi TB. Uyamkholwa uNkulunkulu?" Indoda yathi, "Ngiyamkholwa uNkulunkulu." UMfowethu Branham wayikhulekela futhi wakhuluma nayo imizuzu embalwa, athi emva kwayo, "Ake sibone ingalo yakho futhi." Ngalesisikhathi ngenkathi indoda ikhweza umkhono wayo, yamangala ukubona ukuthi ingalo yayo yase igcwele futhi manje yabonakala isiqine kakhulu kunalokho ekade iyikho emizuzwini embalwa ngaphambili. Lesi kwakuyisehlo lapho khona uNkulunkulu engaphilisanga kuphela indoda ngaso lesosikhathi, kodwa ngokuyisimangaliso wayinika ukuqina ngokomzimba ngokwejwayelekile okwakuzolokhu kubuyela kancane.

Kulelo nalelodolobha lapho esasibambela khona imihlangano, abantu babesimisa emgwaqeni ukuba basitshele izehlo zokuphiliswa ababezibonele zona noma bezwa ngazo. Angikhumbuli nanganoma yiliphi idolobha lapho esasinqwamana khona nabantu abaningi kangaka besibikela izinto uNkulunkulu ayebenzele zona ngenkonzo kaMfowethu Branham kunalabo ababeseKimberley.

Sazibonela ngokwethu okuningi isasasa ohambweni lwethu lokuya eNingizimu Afrika. Sabona abantu bemi ngezinkulungwane ukuba bemukele uKristu njengoMsindisi wabo. Izishosha zaphiliswa, izimpumputhe zabona, izithulu zezwa, izimungulu zakhuluma, inkubela yavuswa ohlakeni lwayo lombhede, nalabo abasebuhlungwini bakhululwa. Kodwa asisoze salikhohlwa isasasa lokuzwa abomdabu namakhaladi ecula. Amaphimbo abo angahle ukuba awaqeqeshwanga kodwa kwabonakala sengathi abakwenzayo kuphela kwakungukuvula umlomo wabo bese kuphuma umculo. Umnkenenezo onje, amaphimbo angempela aphakeme kanje kwakuyinjabulo ukuwezwa. Ngiyakhumbula eKimberley

amaphimbo angaphezu kwe 6,000 exubene ndawonye futhi akhipha umculo onjengaleyo-ogani enamandla, ehaya izingoma zabakhululekileyo.

Lokhu ukucula kwakufaka ugqozi noma ubani futhi kumenze aphakamisele inhliziyo yakhe ekukhonzeni uNkulunkulu. Lapho kuculwa izindumiso kuNkulunkulu neZwi lalethwa ezinhliziyweni zabantu, abesilisa nabesifazane babambelela ezethembisweni zikaNkulunkulu. Abanye babayizidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Abanye ababedinga ukuphiliswa komzimba basukuma ngokukholwa bekholwa nguNkulunkulu, futhi bathola ukuphiliswa kwemizimba yabo.

Emva kwenye yezinkonzo indoda yeza kimi futhi yathi ibone ingelosi yeNkosi imi emsamo ngakuMfowethu Branham. Ngamcela ukuba ayichaze ingelosi ngoba abanye babeke bayibona futhi bayichaza futhi ngangifuna ukwazi ukuthi ukuchaza ngabe kwakufana yini noma cha. Wathi yayiyindoda ezimukile, ethi impela ayilingane noMfowethu Baxter, ishefe kahle futhi igqoke ingubo emhlophe enensephe yegolide ngezansi. Yama ngqo emva kukaMfowethu Branham lapho ebuka laphaya phezu kwezethameli, ebona imibono yabantu bephiliswa futhi ebakhomba, ebakhuthaza ukuba basukume futhi bemukele ukuphiliswa kwabo.

Kowodwa wemihlangano eyayenzelwe abangeMhlophe, umNdiya lenyuka ngomugqa womkhuleko. UMfowethu Branham walibuka wayesethi, “Awusuye umKristu. Uphethwe umdlavuza nezilonda. Awukaze umemukele uKristu njengoMsindisi. UKristu uzokuphilisa, kodwa kuqala ufanele uMemukele njengoMsindisi wakho neNkosi. Bese uyahamba utshele abantu bakini ukuthi Ukwenzeleni nokuphiliswa kwakho kuyoba ngokuphelele.” Wathi, “Uma uzokwenza lokhu, phakamisa isandla sakho sokunene.” Lasiphakamisa isandla salo sokunene. Wacela omunye wezisebenzi ezikanye naye ukuba zithathe inenekazi futhi ziliholele kuKristu ukuze ligcwalise isifungo elalisenzile.

Uhlu olulandelayo lwemihlangano lwabanjelwa eBloemfontein, ngo-Oktoba 24 kuya ku28. Igama elithi Bloemfontein lisho umthombo wezimbali. Iyidolobha elihle namapaki alo, izimbali nemigwaqo ebanzi. Sifika edolobheni, iQembu likaBranham lemukelwa yiqembu elikhulu labantu nekhwaya exubile icula u “Kholwa Kuphela.” UMfowethu Bosworth watshela abantu ukuthi babezobona into engazange yabonwa-muntu kusukela uKristu esesemhlabeni. Akukaze ngaphambili emlandweni webandla uNkulunkulu azosebenza ngalendlela. Lokhu kwakuyiqiniso ngempela ngoba uNkulunkulu wenza umsebenzi edolobheni laseBloemfontein sengathi Akakaze awenze ngaphambili. Izinkulungwane zabantu zazifike zihambe amamayela amaningi. Ngaxoxisana nenye indoda eyayindize isuka eNyakatho Afrika, cishe




*Ikhwaya yeKomiti eleMukelanayo elasihlangabeza emaphethelweni edolobheni*

amamayela ayizinkulungwane ezine. Ngatshelwa yisikhulu esiyiphoyisa ukuthi balinganisela izimotweni ezingaphezu kwenkulungwane zangaphandle kwedolobha ezaziseBloemfontein. Futhi kwakungekho-hholo elalilikhulu ngokwenele ukumumatha izixuku ezazibheke ithemba. Ikomiti lendawo lalenze amalungiselelo okusebenzisa iFair Grounds, elalihlala abantu abalapha ku 6,000. Ngabo lobo busuku bokuqala izinkundla zazigcwele izinkulungwane zihlezi ezihlalweni nasemabhentshini ethi awasondele impela emsamo.



*Iqoqo elincane lamathende ayegxunyekelwe ukuhlalisa abanye babantu bangaphandle kwedolobha ababezele imihlangano.*

UMfowethu Bosworth wethula imilayezo ngokuphilisa kukaNkulunkulu. Lapho izinkulungwane zibuthana lapho eFair Grounds ngaphambi kwelesithupha nqo, kwakuvamise ukuthi njalo nje izinkonzo ziqale ngalesosikhathi. Wayechaza amaqiniso okuphilisa kukaNkulunkulu njengoba evezwe eBhayibhelini futhi achaze ukuthi uNkulunkulu wayesebenza kanjani ngoMfowethu Branham. UMfowethu Baxter wayethula

imilayezo ngokusindiswa komuntu uqobo lwakhe. Ngaso sonke isikhathi impela kwakubakhona ukuphendula okumangalisayo kulokhu ukubizwa okukhulu kakhulu yilabo ababefuna ukwemukela insindiso ababeyithengelwe eKalvari. Kwakubakhona ngezikhathi zakusihlwa lapho khona amakhadi ezinqumo angaphezu kwezinkulungwane ezimbili ayesayinwa khona bese enikezelwa. Abesilisa nabesifazane babengeke baphendule ngenani elingaka, noma ngaliphi inani, ngaphandle kokuthi kwakukhona uMoya kaNkulunkulu lapho futhi wakhuluma nabo. Ngabe iBloemfontein noma yimaphi amanye amadolobha aseNingizimu Afrika azibonela ngokwawo izibusiso zenkonzo kaMfowethu Branham ayeyoke ahlale eyilokhu enjalo na?

Ngesikhathi senkonzo yangoLwesihlanu ebusuku eBloemfontein, uMfowethu Branham wabona umbono owehlukile kunoma yimuphi ake awubona ngaphambili. Wayekade ekhulekela abantu futhi ngalesosikhathi ebakhuthaza ukuba bakholwe nguNkulunkulu, ukuba bemukele ukuphiliswa uNkulunkulu ayebathengele khona. UKristu wayekukhokhele ukuphiliswa kwabo kodwa yayingekho indlela ukuba Abaphe khona ngaphandle uma bezokukholwa futhi bakwemukele. Kwathi-ke lapho uMfowethu Branham ehlehla, esalokhu ebakhuthaza ukuba bakholwe, wabona ubonda olukhulu luphakama ngale ngemuva kwestadiyamu, lunwebeka lusengama sonke. Lapho lolubonda luqhubeka nokuphakama lwakhuphuka lwaba phezu kwabantu namathonsi abanzi amanzi abonakala ehlela phezu kwalo. Lapho lamathonsi amanzi ehla, njalo ayeshaya ngqo phezu kwekhanda lomuntu. UMfowethu Branham walinganisa ukuthi kwakukhona okungenani amathonsi anjalo ayi 1500 futhi weneliseka ukuthi lababantu base bephilisiwe, kodwa kwakukubo ukuba baqhubeke nokukholwa kwabo ukuze bakwazi ukuqinisa lokho kuphiliswa. Walinganisa ukuthi akukho nakweyodwa inkonzo yangaphambilini kubekhona abantu abaningi kangaka abaphiliswayo njengoba babekhona ngalobo busuku eBloemfontein.

Kaningi impela uMfowethu Branham ukhumbuza abantu ukuthi akukho angakusho kodwa yilokho okwembulwa kuye yiNkosi. Ngokunye ukuhlwa inenekazi langena emgqeni wabakhulekelwayo futhi emva kokuba uMfowethu Branham ebone umbono omaqondana nalo walitshela ukuba liqiniseke ukuthi lalikulungele ukuhlangana noNkulunkulu walo. Emva kokukhuluma amazwi okukhuthaza kulo walitshela ukuba likhonze uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yalo. Akukho okwashiwo ngokugula kwalo nangalo lisinda.

Emva kwenkonzo sambuza uMfowethu Branham ukuthi ubekhulumelani kwinenekazi ngendlela enze ngayo. Wasitshela ukuthi wayebone umbono wodwendwe lwabaya

emngcwabeni nokuthi owesifazane wayezosheshe afe impela. Akukhathaleki ukuthi wayengafuna kakhulu kangakanani ukutshela inenekazi okunye okuthize wayengenakukusho okunye ngaphezu kwalokho iNkosi eyayimbonise khona.

Ngakusasa ekuseni sathola ukuthi inenekazi lalishone phakathi nobusuku.



*Izinto ezibonakala njengalena zazivamile futhi kaningi ama-ambulense ayebuya engasaphethe lutho.*

Nakuba iningi lemihlangano lalenzelwa abaMhlophe, nokho izinkonzo ezintathu zazihlelelwe abomdabu. Ngezinye izikhathi sasikwazi ukumpintshela eminye imihlangano yabomdabu embalwa eyengeziwe ohlelweni olwase luvele luminyene. NgoMgqibelo ntambama uMfowethu Bosworth wakhuluma kowodwa umhlangano onjalo. Emva komlayezo wakhe wabizela emsamo cishe idazini labantu ababekade behlinzwe iziqhomo. Lababantu babesuswe olunye ungqengqe lwendlebe. Ukuze bezwe ngaleyondlebe, uNkulunkulu wayezofanele adale ungqengqe lwendlebe olusha. Kanjalo uMfowethu Bosworth wabiza abantu ababenendlebe eyodwa ezwayo ukuze balizwe iZwi likaNkulunkulu bese ngalokho bebanokukholwa ukuba bakholelwe ukuphiliswa okuphelele. Wabasebenzisa njengokubonisa ngokuthi enze, ukufanekisa ngokwenza emlayezweni wakhe. Wayebatshele ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa uma bezokholwa futhi manje wayesebize cishe abantu abayishumi nambili ngamunye ukufakazisa iphuzu ayelenzile. Wasebenzisa labo ababengezwa ngokuphelele, kunanoma yikuphi okunye ukuhlupheka, ngoba lokho kwakuyinto ezwakalayo nebonakalayo ezethamelini. Wakuhlola ukuzwa kwabo ngokuthi abafakise umunwe wabo

endlebeni yabo ezwayo bese-ke ehlebeza endlebeni eyayisuswe ungqengqe lwendlebe. Bonke abakhulekayo bakwazi ukuthi bezwe. Emva kwalokhu ukubonisa ngokuthi enze waholela abantu komkhulu umkhuleko ebacela ukuba bakhuleke emva kwakhe izwi ngezwi. Lokhu bakwenza, namakhulu akuthola ukuphiliswa kwawo ngaleyontambama.

Kanjalo isisekelo esimangalisayo sabekelwa izinkonzo uMfowethu Branham aziphatha ngeSonto ekuseni. Kuleyonkonzo yokuqala kwakukhona isixuku esasilinganiselwa ku 15,000 zabangeMhlophe. Kwakuyinkonzo enkulu kunazo zonke yabangeMhlophe esazibonela yona ngamehlo eNingizimu Afrika. Abomdabu babevela oSuthu futhi akungabazeki impumelelo enkulu yalowomhlangano yaba ngumphumela wokuhlwanyelwa okuhle kweZwi yizithunywa zenkolo ezazikhonza laba bomdabu. Eziningi zezishosha ezazikade zingene zithwelwe zaphuma sezihamba. Ngikhumbula esinye isishosha esasihamba ngezandla zaso futhi sihudula imilenze yaso kodwa sakwazi ukuhamba siqonde phakathi kwezinsuku ezimbili. Kwakukhona ingane eyayinekhanda elinamanzi eyabuye yaphila phakathi kwezinsuku ezine kanye nokunye ukuphiliswa okugqamileyo. Izithunywa zenkolo eziningana zangibikela ukuthi zazikholwa ukuthi kwakukhona abantu abalinganiselwa enkulungwaneni ababephilisiwe kulenkonzo eyodwa. Umngane wethu olungileyo, isiThunywa senkolo uKast, wabhala umbiko wemihlangano yabomdabu eBloemfontein futhi ngizowucaphuna umbono njengoba angithumela wona.

## IMIHLANGANO KA BRANHAM YABOMDABU EBLOEMFONTEIN, OKTOBA 27-28, 1951

*YisiThunywa senkolo uA. Kast*

Nge "Phimbo lokuPhilisa," inkonzo kaMfowethu Branham noMfowethu Bosworth yaziwe kakhulu lapha futhi kwenziwa yonke imizamo ukwazisa ngalemihlangano emibili esemqoka kuyoyonke iFreestate oSuthu. Amabhasi amaningi aqashwa nezinqola eziyisipesheli kuyoyonke imizila yezitimela zagcinelwa ukuletha eminingi imiphefumulo elambileyo nabahluphekile eBloemfontein. ISonto elingelesibili ngobukhulu eLokishini laqashelwa imihlangano ngenkathi amanye amahholo amakhulu ayisithupha asetshenziselwa ukuhlala ababezolala. Izinyanga, imikhuleko eminingi yathunyelwa esihlalweni sikaNkulunkulu, ukuba imihlangano ibe ukubonakaliswa okukhulu kwamandla kaNkulunkulu.

Umbuthano wokuqala wawuzoba ngoMgqibelo ngele 2:30 ntambama, kodwa abaningi base befikile vele kusasele izinsuku ezimbili, futhi wonke uMgqibelo ekuseni abantu

babezungeze iSonto belinde ngokushisekela ukuba bangene endlini. Njengoba iSonto lalikwazi ukuhlalisa kuphela abantu abangama 800, yizimpumputhe, izithulu, abayizishosha, nabasezinhlakeni kuphela abangeniswa ngaphakathi; kanti izinkulungwane eziningi zadingeka zisale ngaphandle. Iminyango yakhiywa, kodwa naphezu kwalokho abanye bazama ukungena eSontweni ngamafasitela. UMfowethu F. F. Bosworth wafika futhi kwamthokozisa ukubona umbuthano omkhulu kangaka udumisa uNkulunkulu ngamaculo abo. IZwi likaNkulunkulu lashunyayelwa nokukholwa kwakukhula kwaze kwafika ezingeni lapho khona wonke umuntu wase elindele izinto ezinkulu. Cishe abantu abangamashumi amathathu ababelahlekelwe ukuzwa endlebeni eyodwa ngokuhlinzwa noma ukugula babizelwa emsamo futhi bakhulekelwa siqu sabo nguMfowethu Bosworth. Kuzo zonke izehlakalo ukuzwa kwabo kwabuyiselwa masinyane nezethameli zamangala ngezinto ezazenziwe nguNkulunkulu ngenceku yaKhe ethobekileyo. Abaningi abanye babefise ukubizelwa emsamo ukuze bakhulekelwe ngokubekwa kwezandla, kodwa uMfowethu Bosworth wenza lesisimemezelo esilandelayo ngesibindi: “Nonke ningaphiliswa noma kusiphi isifo, uma kuphela ningalikholwa iZwi likaNkulunkulu!” Wethembisa ukubakhulekela bonke kanyekanye, ecela izethameli ukuba ziphinde umkhuleko wakhe. Lokhu kwenziwa noNkulunkulu wenza izimangaliso ezinamandla. Nje emva komkhuleko, uMfowethu Bosworth wacela izimfakazo, nabaningi beza embhobheni ukuba bazokhuluma ngamandla kaNkulunkulu okuphilisa. Wonke umuntu wamdumisa uNkulunkulu ngenkathi isalukazi sithi: “Ngifike emhlanganweni ngiyimpumputhe futhi ngiyisithulu, kodwa manje sengiyabona futhi ngiyezwa.” Ngenkathi bebuzwa ukuthi bangaki abathole ukuzwa, babengama 67 ngaphakathi eSontweni nangaphandle babebaningi ababephilisiwe ababengenakubalwa. Wonke umuntu wambonga uNkulunkulu ngalokho okwenziwayo, besalokhu belindele izinto ezinye ezinkulu ngosuku olulandelayo ngenkathi uMfowethu Branham noMfowethu Baxter besalindelwe ukuba bafike.

*YiSonto, zingama 28 kuOktoba.*

Usuku olungasoze lwakhohlwakala! Kubonakala ukuthi kwakungekho-sonto noma ihholo lomphakathi elalingahlalisa isixuku esasilindelwe, kwanqunywa ukuba umhlangano ube sezinkundleni zebhola. Kusesekuseni kakhulu ekuseni kwaqala umsebenzi wokufakela imibhobho futhi kulungiswa indawo yokushumayela. Kwaphinda futhi amahora amaningi ngaphambi kokuba kuqale inkonzo, izinkulungwane zathutheleka emagrawundini. Izithunywa zenkolo nezisebenzi zikazwelonke zahlelwa ngokushesha ukuba zihlalise isixuku ngezigaba futhi zilethe zonke izinkubela ngaphambili. Ngele



*uBilly Paul unikezela ikhadi lokukhulekelwa enkonzweni yabomdabu*

9:30 ekuseni kwase kuvele kukhona cishe abayi 5,000 abase bebuthene. Saqala ukucula nalabo abezwa imvunge yomculo omangalisayo abasozwe bawukhohlwa umsindo wasezulwini. Sekufika isikhathi somkhuleko, bonke abesilisa, abesifazane, nabantwana baguqa enhlabathini bekhuleka kanyekanye ukuba kube nokuvakashelwa nguNkulunkulu okunamandla. Kwakungukukhala kuYe nezinyembezi zethu zagobhoza ngokukhululeka, sibona ukulamba kwazo zonke izinhliziyo. Emva kokumnandi ukwethulwa kwevangeli yisithunywa senkolo, abantu baphakanyiselwa ekulindeleni izinto ezinkulu ezivela kuNkulunkulu. Batshelwa ukuthi sasingekho isidingo sokukhulekelwa komuntu ngamunye, kodwa umuntu wayengakuthola ukuphiliswa noma kuphi ezethamelini. Ubufakazi ngalokho uNkulunkulu ayesevele ekwenzile kwezinye izindawo ezimaphakathi baqinisa ukukholwa kwamakholwa.

Ngele 10:30 ekuseni uMfowethu Baxter nabanye bafika nomlayezo omfishane wevangeli walandelwa yinceku yaKhe egcotshiweyo. Lapho sekubizwa abazinikela kuKristu, izinkulungwane zezandla zaphakanyiswa noNkulunkulu wazibona zonke. Insindiso engaka pho! Ngalesisikhathi, bonke babemlinde ngentshisekelo uMfowethu William Branham. Lapho lenceku ezithobile kaNkulunkulu isifika, yabanesihawu lapho ibona eziningi izishosha zilele phambi kwayo, kodwa inesiqiniseko sokukholwa yathi abaningi balaba abaneshwa bazobe sebehamba. Abomdabu abayishumi

babizelwa emsamo futhi uMfowethu Branham, ngoMoya kaNkulunkulu, wabatshela ngamunye ngokugula kwabo waseke ekhulekela ukuphiliswa kwabo, abakuphiwayo. Ngalesisikhathi isibalo sezethameli sasesikhule saba yi 12,000 futhi uMfowethu Branham wakhuleka ngokuqinile ukuba kuphiliswe bonke, eyala uSathane ukuba asuke kwabahluphekileyo eGameni likaJesu Kristu. UNkulunkulu wawuzwa umkhuleko futhi wabasindisa abagulayo. “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo iNkosi iyakubavusa” (uJakobe 5:15).



*UMfowethu Branham ekhuluma noAlbert Mokoma, owomdabu ongumSuthu owaphiliswa kwi TB eBloemfontein futhi manje useshumayela iVangeli.*

Alikho iso elalingabona okwenziwa nguNkulunkulu kuleyomizuzwana engcwele. Sasingekho isikhathi sezimfakazo enkonzweni, kodwa nje kuphela omunye watshela omunye: “Sengiphilisiwe. Sengiyabona. Sengiyakwazi ukuhamba. Sengisindile ebuhlungwini. Haleluya!” Inkonzo enkulu yafika ekubeni ivalwe ngeculo lokudumisa elinamandla.

Emavikini ngaphambi kwemihlangano, amagama abantu abangaphezu kwe 4,000 amukelwa becela umkhuleko. Amabhakede amabili ayegcwele izincwadi asiwa emihlanganweni lapho uMfowethu Branham abeka izandla zakhe phezu kwawo, ecela ukuphiliswa kwabahluphekile abangaziwa. Emavikini alandelayo sezwa izimfakazo eziningi zivela kuzo zonke izingxenye zalelizwe. Kusukela kuleMission Station, “iMount Tabor,” oSuthu, amashumi amahlanu aya emihlanganweni (amamayela ayi 115) futhi ngaphandle kwabayingcosana, bonke babuya bephilisiwe. Kwesinye isigodi, eThaba Tsoeu, amashumi amabili aya eBloemfontein futhi ngesikhathi sokuvakasha kwethu kuleyondawo, ishumi nesihlanu lafakaza ekutholeni ukuphiliswa. Sesiqhubekela

kwenye indawo emaphakathi, iMohaleshoek, umnikazi webhasi, wangitshela: "Ngithwale ngebhasi indoda elunyonga, kodwa lapho isibuya emihlanganweni, ibisizihambela." Abaningi abanye baphiliswa ngokumangalisayo lapho. Umvangeli wasezintabeni zasoSuthu wasilethela umbiko: "Cishe bonke abaya eBloemfontein baphulukisiwe, omunye umfana ongakhulumi useyakhuluma manje, ingalo eshwabene isiphilisiwe, njl."

Sesifika eZastron, eO.F.S., amakhulu eza ebandleni lethu lendawo lapho ngenxa yalokho uNkulunkulu akwenze eBloemfontein. Enye indoda eyimpumputhe yafakaza ukuthi isiyabona manje futhi ifunda iBhayibheli phambi kwethu. Owesifazane owagula ngaphezu kweminyaka engamashumi amabili futhi wayengakwazi ukwenza noma imuphi umsebenzi usephiliswe ngokuphelele futhi useyasebenza kusukela ngalelolanga. Abesifazane ababili bafakaza ngokuthi babengakwazi ukuhamba, kodwa sebeyakwazi ukwenzenjalo manje. Cishe uhhafu walabo abethamela imihlangano kaBranham kulelodolobha baphiliswa. Noma yikuphi lapho esasivakashela khona, abantu babebika ukuphiliswa okumangalisayo. Abanye babhala ngencwadi bexoxa ngemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu. Omunye wesifazane ethathwe ngebhanoyi esuka ezintabeni zasoSuthu waphiliswa ngokuphelele esifubeni somoya nesifo senhliziyo ibhiphi, nezinye eziningi izifwana. Wayengakwazi kwenza-msebenzi iminyaka eyishumi nambili futhi manje useyaphila. Umfundisi oyinkubela waseKroonstad wabhala ukuthi useyakwazi manje ukuhamba ngaphandle kwezinduku zokuqhugela, nokuthi amanye amalunga ayisithupha ebandla lakhe nawo futhi aphiliswa.

Sicabanga ukuthi okungenani abantu abayinkulungwane bakuthola ukuphiliswa kwabo ngesikhathi semihlangano emibili, esidumisa uNkulunkulu ngalokho. Nakuba sekwedlule izinyanga ezintathu kusukela lapho, izicelo zomkhuleko zifika kithi maviki onke. Zonke zithathisela kulokho okwenzeke eBloemfontein futhi bakholwa ukuthi nabo bangaphiliswa. Izinkulungwane lapha zilindele ngentshisekelo futhi zikhulekela ukubuya ngaphambi kwesikhathi kweQembu likaBranham eNingizimu Afrika.

* * *

Sisuka eBloemfontein saya ngaseningizimu-ntshonalanga cishe amamayela angamakhulu ayisishiyagalolunye ukuya eKapa. IKapa kaningi ithathwa ngokuthi iyiSango eliya eAfrika. Ukutholakala kwempucuko yesimanje eNingizimu Afrika iseKapa ibekwe onyaweni lwentaba iTable Mountain. Kwakulapho ngo 1652 lapho uJan van Riedeeck agxumeka

khona isikanekiso sokuqala endleleni yezohwebo eya e-East Indies. Namhlanje yidolobha lesimanje elinabantu abayingxenye yesigidi, isikhumulo esidume umhlaba wonke, ikomkhulu lepalamende leNyunyana, futhi laziwa kakhulu ngobuhle balo uma ulibuka.



Isithombe nguStaples

*Indlu enkulu yamabhanoyi engu No. 3 eSikhumulweni samabhanoyi iWingfield.*

Imihlangano lapho yayibanjelwe eSikhumulweni samabhanoyi iWingfield, esisetshenziswa Abamabhanoyi aseNingizimu Afrika abanikela ngenye yezindlu zabo ezinkulu zamabhanoyi ngesihle. Inkonzo ngayinye yayinabantu abayizinkulungwane ezinhlanu kuya kweziyishumi ababeyethamele. Lapha futhi njengokwejwayelekile ububanzi bendawo yokuhlala bagcwaliswa ngelesithupha nqo kusihlwa. Ngakho-ke, izinkonzo njalo zaziqala ngalesosikhathi, kunikezwa abantu ithuba ukuba bezwe umlayezo kubo bobabili oMfowethu Bosworth noMfowethu Baxter, kanjalo nokubonakaliswa kweSiphiwo sisebenza ngoWilliam Branham.

Imihlangano yabangeMhlophe yayibanjelwe eHholo iDrill eKapa. Phakathi nenkonzo eyodwa eyayiphethwe lapho, abantu abangamashumi amahlanu nantathu bakuthola ukubona emehlweni abo babangcono kakhulu noma baphila saka. Abaningi balaba babekade bengaboni nhlobo ngaphambili.

Inkonzo yangeSonto ekuseni, eyayibanjelwe abangeMhlophe, yayizoqala ngele 10 nqo, kodwa abantu baqala ukubuthana ngo 1:30 ekuseni. Bahlala amahora belindele inkonzo ukuba iqale. Kwase kuthi-ke lapho iminyango isivulwa kwaba yingxenye encane kuphela yalabo ababekade bebuthene ngaphandle abakwazi ukungena ngaphakathi ehholo elathatha nje abantu abangaphansi kwezinkulungwane ezintathu. Enkonzweni yantambama ngakhuluma nezikhulu eziningana zamaphoyisa ezangitshela ukuthi zalinganisa ngokuthi okungenani abantu abangamashumi amahlanu baquleka emini belindele ukungena ngaphakathi ehholo.



*iHholo iDrill, eKapa, eNingizimu Afrika.*

Emva kwentshumayelo eyayiyisihloko esithi “Isibopho nesiKhuthazo” umkhuleko omkhulu wenzelwa bonke labo ababedinga ukuphiliswa. Emva komkhuleko sacela izimfakazo. Izinqwaba nqwaba zeza ngaphambili futhi zanikeza ubufakazi ekuphilisweni ezazikutholile. Enye intombazane eyathwalwa iyiswa eHholo yayineqakala elephukile elalingapholi. Yakuthola ukuphiliswa kwayo, yahamba emsamo iphile saka, futhi yanikeza ubufakazi bayo. Abanye basho ukuthi sebezwa kahle kanjani. Ababili ababekade beyizimpumputhe bafakaza ukuthi base bebona. Ukukholwa kwabo kwakuphakeme.



*Ingxenye encane yesixuku engakwazanga ukungena eHholo iDrill.*

Ngiyakhumbula ngesikhathi somlayezo lapho ngihlezi emsamo ngibuka abantu nokwenza kwabo emlayezweni wokukholwa wethulwa kubo, ngaqaphelisisa inenekazi elilodwa elalihlezi cishe amafidi angamashumi amathathu noma amane ngaphambili komsamo. Lalibuka izandla zalo. Wawungabona ngamaqupha amakhulu nokubalukhuni okubonakalayo kweminwe ukuthi lalikade liphethwe yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba. Lalingakwazi ukunyakazisa iminwe yalo kodwa lapho selizwile ngeZwi likaNkulunkulu lichasiswa, ukukholwa kwalo kwase kukhulile futhi labheka phansi libuka leyominwe esikhubazekile futhi ezama ukuyinyakazisa. Kuqala ngempela kwakungekho-kunyakaza-nhlobo. Laqhubeka nokusebenzisa ukholo lwalo futhi lapho lenzenjalo kwabasobala ukuthi lase likwazi



*uMfowethu Branham, ephansi koGcobo, ekhulekela amaduku ngokweZenzo 19:11–12.*

Isithombe nguStaples

ukuyinyakazisa kakhulu kunalokho ebelinakho kuqala. Emva kweminye imizuzu embalwa,lazivula lazivala izandla zalo kalula ngokuphelele. Kwabakhona ukumamatheka ebusweni balo lapho libona ukuthi manje lase lisindile esimweni sokukhubazeka okwakubangelwe yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba.

Ngelinye ilanga uMfowethu Bosworth ehamba ehla ngomgwaqo, kwasondela kuye inenekazini elathi libona sengathi ungumMelika futhi lambuza ukuthi ngabe wayenakho yini ukuxhumana ngandlela-thize nemihlangano yokuphilisa kuka Nkulunkulu. Lathi lalingakholwa futhi ngakho belinendaba kancane noma lingenandaba nomkhankaso, kodwa udokotela walo wayelitshele ngeziguli zakhe ezintathu noma ezine ezazikade zisemihlanganweni futhi zathola ukuphiliswa. Lalike lezwa ngezikaMoya neSayense yamaKristu futhi lingazi noma lemihlangano yayixhaswe ngomunye wabo. Lapho udokotela walo eselitshelile ngemihlangano futhi waleluleka ukuthi mhlawumbe lingathola okuhle kuyo, lazizwela ukuthi cishe kungasiza kulo ukuba liyethamele.

Ngenkathi uMfowethu Branham ephansi kogcobo, kusemqoka kakhulu ukuthi umuntu enze khona impela lokho akucelayo. Amazwi akhe ngaleyonkathi awasiwo awakhe uqobo, kodwa amazwi kaMoya oNgcwele, ukhuluma intando kaNkulunkulu waPhezulu onoBukhosi. Ngithanda ukucaphuna encwadini ekhombisa ubumqoka balokhu. "Inenekazi laseWingfield elaphiliswa emdlavuzeni futhi latshelwa nguMfowethu Branham ukuba libhaphathizwe layethamela inkonzo yombhaphathizo ngoLwesine olwedlule kusihlwa, kodwa alangabhaphathizwa. Lathi kumfundisi, 'Ukucabanga ukuthi yonke leminyaka bengiyilunga lebandla futhi ngingakaze ngisindiswe ngisho nakuba nganginguthisha kaSonto siKole. Kodwa manje sengisindisiwe futhi ngiphilisiwe.' Lajabula ngokusindiswa kwalo nokuphiliswa, kodwa lakukhohlwa uMfowethu Branham ayelitshele ukuthi likwenze. Alibhaphathizwanga. NgoMgqibelo olandelayo, lafa. Lahlawula inhlawulo yokungalaleli kwalo."

UMfowethu Bosworth esashumayela kwabomdabu ngelinye iSonto ntambama eKapa washo lokhu, "Uma nina befundisi bomdabu nizomkholwa uNkulunkulu, uNkulunkulu uzopha abanye benu isiphiwo sokuphilisa kulentambama." UMfowethu Bosworth wathi ukwethuswa amazwi ayekhulunywe nguye uqobo, ewasho ngaphambi kokuqondisisa ukuthi wayethini. Emva kwenkonzo wangitshela, "Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ungiqondise ukuba ngisho lawomazwi. Uma unethuba lokulandela lokhu, ngikholwa ukuthi sizothola ukuthi bekukhona umfundisi womdabu othize lapho kulentambama omukele isiphiwo sokuphilisa."

Ngabuza kwabanye bezithunywa zenkolo ukuthi ngabe bake bezwa yini ngomfundisi womdabu lapho owayemukele isiphiwo sokuphilisa njengoba uMfowethu Bosworth ekuthintile enkonzweni. Omunye wazo ungitshele ngomfundisi womdabu okholiwe ngukuphilisa kukaNkulunkulu, kodwa ngenxa yokusweleka kokukholwa emikhulekweni yakhe uqobo ubengakaze akhulekele umuntu ogulayo. Nokho, emva kwalenkonzo, uhamba hambile waya kwabehlukeneyo akade begula futhi wabakhulekela, futhi abaningi bakuthola ukuphiliswa kwabo. Kamuva sona lesisithunywa senkolo esifanayo sangibhalela incwadi kuyona esasho lokhu, "Owomdabu othole isiphiwo sokuphilisa ubengowomdabu waseAngola, iPutukezi, eAfrika. Akafundile ngangokuthi isikhathi esiningi akakwazi ngisho ukuzichaza. Usengumfana osemncane nje kodwa uNkulunkulu uyiphakamisile inceku yaKhe futhi manje usedingwa kakhulu. Iloli (itrakhi) ilayishe abagulayo balethwa besuka emabangeni amade ukuba bazokhulekelwa nguye. Izolo ngedlule endaweni lapho esabambela khona imihlangano amakhaladi nabomdabu, futhi ube lapho ebambe umhlangano wasemoyeni."

Eminye imibiko yalona womdabu iqinisa iqiniso lokuthi uNkulunkulu uphe isipho sokuphilisa kumfundisi womdabu lapho obenesibindi sokukholwa wuNkulunkulu futhi wasuka wangena ekukholweni.

Futhi ngizonicaphunela umbiko mayelana nemihlangano eKapa ekhishwe eziQhingini zaseBrithani yi *Zindaba zokuHlengwa* futhi kamuva eMelika kwaba yi *Ummemezeli wokuKholwa*.

## IZINDABA ZEMVUSELELO EZISHUKUMISAYO EZIVELA EKAPA

*NguFrank G. Holder*

Akukaze ngaphambili emlandweni wezokundiza emazweni ngamazwe ukuba indlu enkulu yamabhanoyi ibekwe ekusetshenziselweni usizo olungaka, nemiphumela efinyelela kude phakathi kwabakhileyo bendawo. Ngokwejwayelekile umpheme webhanoyi ethwala abantu, iNdlu enkulu yamabhanoyi engu No. 3 ngokushesha yaguqulwa yaba yi "Hholo leVangeli" ihlala cishe izinkulungwane ezine ngaphakathi futhi cishe nezinkulungwane ezimbili ngaphandle.

Isakhiwo sayo sezinsimbi zodwa nesimo nje esingahlabi-mxhwele sashiya okuningi okufiswayo ebuhleni besimo sokwakhiwa kwezindlu, kodwa ukushisekela phakathi kwezixuku eziminyene ezibuthanayo ngokushesha zaveza isimo sokubheka ithemba ngokungejwayelekile. Lendawo

ingeyakhiwe emamayeleni amaningana ngaphandle kwedolobha, umuntu wayengahle acabange ukuthi uJohane uMbhaphathizi wesimanje wayebizela ibandla lakhe ngaphandle liye ehlane ukuyozwa umlayezo wakhe ovela kuNkulunkulu.

Okwenezelwa kulesisimanga, amalungiselelo obufundisi obungenasithunzi kwakunguphakwa kwama-ambulense ebeka iziguli zawo ezisezinhlakeni phansi kusimende obandayo phambi komsamo ociciyelwe. Oxhugayo, ogogekile, oyimpumputhe, nogulayo wayo yonke inhlobo batheleka phakathi ukuba bathathe izindawo zabo eSibhedlela saseMkhunjini esasilokhu sanda njalo.

UMfowethu Branham neqembu lakhe elivela eUnited States babefike eKapa nomlayezo ongamenyezelwa ngokuqinisa okulinganayo kwamandla asezulwini ngezibonakaliso nezimgangaliso ezimangalisayo, emahholo acacile esimanje, noma ezindlini zamabhanoyi ezisenkundleni yamabhanoyi. Izindaba sezivele ziyishukumisile indawo, kulabo abanyakazise iGoli, iKimberly, iBloemfontein namaningi amanye amadolobha aseNingizimu Afrika zifike eKapa.

Kusekela osukwini lokuqala izimangaliso zaqala ukwenzeka njengoba amandla epentekoste nenkazimulo kwakuxoxwa ngakho ndawo-zonke. Imibuthano yanda kwaze kwathi izihlalo zaba ukunethezeka, nezimangaliso zadlondlobala kakhulu ukuba ziqoshwe phansi. Izinyonga zagxuma zahamba; abayizithulu bezwa kahle; imidlavuza yabuna, amademoni abaleka, nezinhliziyo ezibuthakathaka zaqiniswa masinyane. Njengoba uMfowethu Branham wayeyimemezela ngesambulo imvelo yokukhononda komuntu, akukaze ngisho nakanye kube yiphutha ingxenye, ukukholwa kwakhula nabantu babephiliswa. Amandla okuphilisa ayehlela phezu kwebandla futhi lalidinga ukukholwa kuphela ukuthatha lokho okwakudingwa, futhi kwakutholakala. Amakhulu abangakholwayo eneliswa yiqiniso leVangeli futhi emukela uKristu njengoMsindisi wawo.

IKapa izanyazanyiswe amandla kaNkulunkulu, futhi konke kwenzeke ezinsukwini ezinhlanu. Noma kugitshelwe emabhasini noma kuhanjwa emigwaqweni, umuntu njalo njalo ubezwa abantu bekhuluma ngomhlangano waseSikhumulweni samabhanoyi iWingfield nezimangaliso ezimangalisayo.

Imihlangano eyisipesheli yayibanjwa ngokwehlukana yenzelwa abantu abangamakhaladi, futhi phakathi kwabo kwenzeka ngisho izinto ezinkulu ngokuthe xaxa. Amandla kaNkulunkulu ayekhona ukuba aphilise, ngangokuthi baze babeka izandla phezu kwalowo nalowo futhi bethola ukusindiswa. Indoda eyodwa eyayikade ikhubazekile iminyaka

eminingi yanquma ukuzama ukuhamba ngemilenze yayo eyayiphilisiwe. Yagijima idabula imigwaqo futhi yaxoshwa yiphoyisa elalifuna ukuchazelwa. Akudingeki ngisho nokusho ukuthi yakuthola! Ngaphandle komhlangano eParade Ground edolobheni, abantu abangamakhaladi babethola ukuphiliswa kwalo lonke uhlobo lokugula.

Asikaze ngaphambili sizibonele ngamehlo ubuningininingi obunje bezibonakaliso nezimanga, noma ubufakazi obunje besambulo saphezulu namandla. Lokhu kungukuvakashelwa nguNkulunkulu, futhi phakathi kwakho, izinhliziyo zethu zazilangazelela iZwe lakithi lendabuko. Sithandazela ukuthi sengathi kungakuhle eNkosini ukuba ithumele masinya igagasi elikhulu lesibusiso phezu kweziQhingi zaseBrithani. Lize lifike, asikhulekeni, sikholwe, futhi silungiselele izinhliziyo zethu kukho konke lokho uNkulunkulu azokunikeza!

*—Izindaba zokuHlengwa*
*—Ummemezeli wokuKholwa*

Imiphumela yemihlangano ayisikho ukusindiswa kwemiphefumulo kuphela nokuphiliswa kwemizimba kodwa futhi ukukholwa okwafakwa ugqozi ngumprofethi kaNkulunkulu. Futhi lokhu ukukholwa kunokuphumelela kwakho phezu kwenkonzo yezinye izisebenzi ensimini yaseNingizimu Afrika. Abefundisi abaningi nezithunywa zenkolo babike ukuthi inkonzo yabo yandile ngomphumela wemihlangano kaBranham. Lokhu kusobala encwadini elandelayo eyatholwa nguMfowethu Bosworth esithunyweni senkolo esibika ngomkhankaso owabanjwa emva kokuba iQembu likaBranham selibuyele eUnited States.



*uMfowethu Branham nomfundisi womdabu*

“Ngineqiniso ukuthi uzothokoza kanye nathi ngamandla amakhulu eNkosi uJesu eqhubeka kanye nathi lapha eNingizimu Afrika. Ngiyazisa kakhulu incwadi yakho nemilayezo ePitoli nasemikhankasweni yabomdabu

baseOrlando. Ikakhulu ngibheke emuva ezingxoxweni eziqondene nami nokusiza kuleyomihlangano. Manje emkhankasweni waseMoroka—eduze kwaseOrlando—izibonakaliso bezilandela ukushunyayelwa kweZwi ngendlela enomusa kakhulu. Abagulayo baphiliswa, izithulu zezwa, izimpumputhe zabona, nezinyonga zahamba. Udumo lonke eNkosini yethu emangalisayo! Lokho nje kwakusemavikini amabili edlule.

Kwase kuthi izolo kusihlwa sabanempi enkulu ekhaya. Umama, owakwazi ngezinsuku zokuqala zaseZayoni, waphathwa umhlathi-ngqi ngendlela engaqondakali. Imihlathi yakhe ikhiyeke ngqi sakhuleka njalo waze wathi yena uqobo wakwazi ukukhuleka kanye nathi ukuba asinde gelekeqe ebuhlungwini obesabekayo. Sasesifika-ke isitha kwakubi kakhulu kunakuqala. Amehlo akhe agunquza, imihlathi yakhiyeka kwakubi kakhulu kunakuqala nanokuvevezeliswa ubuhlungu, ekugcineni waquleka. Masinya ngathuma indodakazi yethu uEunice ukuba afonele uMfowethu W. F. Mullan. Eshiya itafula lakhe lokudla kwakusihlwa wafika masinya. Emva kwezwi elifushane lomkhuleko wasikhuza isitha eGameni elinamandla leNkosi uJesu, nokunqoba kwatholakala! Esikhashaneni kamuva waqhuma phezulu enamiswe izindumiso, ekhuluma ngezinye izilimi; waklebhula ibhandishi engxenyeni eyayithintekile futhi khona manjalo wasukuma waphila walungisa ukudla kwakusihlwa qobo lwakhe, uthi ukujabula lokhuya! Ngempela saba nesikhathi esimangalisayo sokudumisa nokubonga ngokusindiswa kwaleliqhawe elidala lesiphambano elineminyaka engamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye, elithe iminyaka engamashumi amane-nambili labe lilokhu njalo lisemgqeni odubulayo ngaphandle kokuthatha ikhefu lokuphumula isikhathi eside empini. Sibheke kuNkulunkulu ukuba athole lelokhefu lokuphumula isikhathi eside empini manje ukuze abe yisibusiso emabandleni ekhaya. Ubeyitshe lesikhumbuzo kuso sonke isikhathi sokuphila kwakhe emandleni okuphilisa kweNkosi ngaphandle kokuthi ake athinte umuthi kusukela ngo 1907, nakuba eke waba nezimpi ezigqamile nesitha. Ecishe abe yimpumputhe, abe yinkubela ngokuba sengozini egibele ihhashi, inyumoniya izikhathi ezine, enobuthi obuvela ekudleni okuvundileyo nezinga lokushisa komzimba eliphakeme kunawo onke asake aqoshwa lapha futhi waphila, futhi manje yilokhu ukunqoba okukhulu nokusheshayo. Engingakusho kuphela nguhaleluya.

Esinye sezehlakalo zokuphulukiswa esigqamileyo emkhankasweni waseMoroko kwakuyileso sesalukazi esasineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili eminyaka ubudala sesicishe sibe yisithulu futhi sesicishe sibe

yimpumputhe, kanye nokufa uhlangothi lwangakwesokunxele. INkosi yaphilisa kuqala izindlebe zaso, kwase kuba amehlo aso, futhi lapho ukukholwa kukhuphuka sayalwa eGameni leNkosi ukuba siphakamise ingalo yaso. Yaphakama masinyane ngaphandle kobunzima futhi isikhashana kamuva sasesihamba ngaphandle kwanoma yiluphi usizo. Udumo!

Okunye okwaletha isibusiso kwabomdabu ababathanda kakhulu abantwana kwaba ngowesifazane owayegqoka kahle engezwa kwenye indlebe futhi ephethe ingane eyayingezwa ezindlebeni zombili. Sakhulekela kuqala umama ngokunqoba okuphelele kwase-ke kulandela ingane. Lapho ikhombisa khona ukuthi iyezwa ngishaya iminwe emva kwekhanda lakho abantu bathinteka ukubona amehlwana akho eqalaza kuqala ngakulelicala ase eqalaza ngakwelinye icala ukuzama ukuzwisisa umsindo. Ayibongwe iNkosi!

Enye intombazane ethi ayibe neshumi nesithupha yayingezwa ezindlebeni zombili futhi yaphiliswa. Sasesibya futhi isitha savala indlebe eyodwa. Yabuyela emgqeni womkhuleko futhi emva kokukhuzwa kwesitha yezwa ukuncencetha okukahle kwewashi lami lesandla. Lesi kwaba yisibusiso ngempela kubantu ababefike bevela esiKoleni seBhayibheli iWitbank ukuzosiza emihlanganweni.

Kuvumbululwa ukukholwa kumfana othi akabe nesishiyagalombili owayengezwa kwenye indlebe, ngezwa ukuthi uNkulunkulu wayezosebenza ngendlela eyayizokhuthaza ukukholwa kwabantu, kalula ngavimba indlebe ezwayo futhi ngabuza, ‘Uyangizwa?’ Ikhanda lakhe elinqekuzisa futhi elungela ukuthi ‘Yebo’ kwaba yisibusiso ngempela kubantu. Ayibongwe iNkosi yethu uJesu eyisimangaliso.

Phakathi kwemihlangano yantambama nakusihlwa yosuku lokugcina, ngangiphumule ekhaya lomfundisi (uDavid Mzolo) futhi kulo kwangena owesifazane egobiswe ubuhlungu bokuma isikhathi eside, eyeme kanzima obhokweni. Kuvumbululwa ukukholwa engxoxweni yakhe sabheka kuNkulunkulu ngomkhuleko wokukholwa, sicela iNkosi ukuba imphilise kusukela ekhanda kuya onyaweni. Wenza lokho nje! Ehamb’engqabashiya njengentombazane yesikole futhi edumisa uNkulunkulu ngokumphiliswa, futhi ngokushesha wama wamemeza, “Sengiyabona ngeso lami ebelingaboni.’ Sasingazi ngisho nokuthi wayeneso elingaboni.

Kodwa lezi ngezimbalwa kuphela zezinto eziningi ezenziwa amandla eNkosi yethu uJesu enhle kakhulu evukileyo. Sengathi Ingaphinde ikhazimuliswe futhi ngendlela enkulu ngokuthe xaxa emikhankasweni ezayo.

Abaningi beza ngaphambili bezofuna ukusindiswa njalo ngasebusuku—ngezinye izikhathi abaningi njengabangamashumi amahlanu namashumi ayisithupha babeguqile befuna ukusindiswa. Enye indoda yafakaza ngokuthi yase ihlale impilo yesono, kodwa ukuthi konke lokho manje kwase kuguquliwe. Omunye wathi, 'Manje senginakho kokubili inhliziyo entsha nezindlebe ezintsha.' Yayikade yenzeke kokubili yasindiswa futhi yaphulukiswa. Qiniso izinhliziyo zethu ziyachichima."

uJ. S. R.

Ngalesisikhathi saqhubeka ngemoto saya ePort Elizabethe ngendlela yoMgwaqo uNgadini. Lena ilinganiswa ngabanye njengendlela yabahamba ngezimoto ebukeka kunazo zonke eziningi kakhulu zendlela yangasogwini lwaseNingizimu Afrika. Ngakulomgwaqo kukhona izihlahla ezithile ezindala ngaphezu kweminyaka eyinkulungwane zikhula ziphakame ngamafidi ayikhulu namashumi amabili. Ziyingcosana kabi izindawo eAfrika lapho khona izimbali zichuma ngobuningi obungaka njengoba zenza ngakulomgwaqo. Ngakwelinye icala lomgwaqo omkhulu kukhona amabhishi amahle oLwandlekazi iIndian olufudumele futhi ngakwelinye icala Undi lweziNtaba oluhle iOuteaiqua. Kukhona izinhlobonhlobo ezingaphezu kwezinkulungwane ezimbili zezimbali zasendle kulengxenye. Akusiyo into engavamile ukuthola iminduze yasemanzini ekalwa ibe ngamayintshi ayisishiyagalombili ukunquma.

Umkhankaso wasePort Elizabeth wabanjwa kusukela ngoNovemba ziyi 7 kwaze kwaba ziyi 11. Kuqala imihlangano yayibanjelwa eHholo yeMakethe iFeather kodwa kamuva yagudluzelwa eStadiyamu iDavis. Lapha futhi izixuku zazinkulu ukwedlula zonke ezake zabonwa edolobheni lasePort Elizabethe. Ngokunye ukuhlwa uMfowethu Branham wakhomba indoda esikhulile eyayilele ohlakeni lombhede. Wayitshela, "INkosi izokuphilisa. Usungasukuma manje, usonge ingubo yakho nohlaka lwakho lombhede uhambe." Indoda esikhulile yasukuma yase iqala ukusonga ingubo yayo lapho amadoda amaningana esiPhambano esiBomvu, ayehlala njalo esemihlanganweni futhi elungele ukusiza abagulayo, afika ezoyisiza. Yakhuluma kakhulu futhi ngokugcizelela lapho ethi, "UMfowethu Branham ungitshele ukuba ngisonge ingubo yami nohlaka lwami lombhede futhi lokho akusho ukuthi nifanele ningisize. Ngakho sukani nihambe ningangikhathazi."



*iHholo iFeather Market*

Kwakuyisehlo esithi ukuhlekisa nokho siveza iphuzu elifanele ukuqashelwa. Uma umprofethi kaNkulunkulu, ekhuluma ephansi koGcobo, enikeza umyalo, kusemqoka kakhulu kakhulu ukuthi uthathwe njengoba unjalo. Uma uNahamani wayecwile kasithupha eMfuleni iJordani wayengeke akuthole ukuphiliswa kwakhe. Kwakuyikho impela ukugcwaliswa kweziqondiso azinikwa yinceku kaNkulunkulu ezamenza ukuba abone ukuzibonakalisa okubonakalayo kokuphiliswa kwakhe. Ngakho kwakungokwalendoda ePort Elizabethe. Yayiphokophelele ukwenza konke uMfowethu Branham ayeyitshele khona ukuba ikwenze ukuze ithole ukuphiliswa okwethenjisiweyo.

Ngokunye ukuhlwa uMfowethu Branham wakhomba indoda eyayinebhandishi elikhulu impela ebusweni bayo, futhi wathi kuyo, “Ungamemukela uKristu njengomphilisi wakho, uma Ezongembulela ukuthi yini engalungile kuwe?” Indoda yanqekuza, “Yebo.” UMfowethu Branham wathi, “Unomdlavuza. Sukuma, hamba uye ekhaya futhi uzophila.” Kwathi indoda kade ifike ehholo ngalokho kuhlwa, ubuso bayo babukade buvuvukele ngangokuthi udebe lwayo lwangaphezulu lwalulengela odebeni olungezansi. Lapho isuka

ehholo ngalokho kuhlwa, okuningi kokuvuvuka kwase kuphelile futhi yasibikela izinsuku eziningana kamuva ukuthi umdlavuza wase usukile ebusweni bayo, ungashiyi-mkhondo wawo emzimbeni wayo.

UMfowethu Branham futhi wakhomba omunye wabahlengikazi emgqeni ongaphambili futhi wathi, "Nenekazi, ukhathazeke ngomuntu othize. Akusuwena-qobo lwakho futhi akusuye nomuntu okhona lapha kulobubusuku. Kumayelana nonyoko osekhaya uxinwe kakhulu yinhliziyo. Mhlengikazi, usungaya ekhaya manje, ngoba unyoko usephilisiwe."

Ngesikhathi senkonzo yasekuseni eHholo iFeather Market, iNdiya lalisemgqeni wokukhulekelwa. Lapho likhuphuka liya kuMfowethu Branham latshelwa, "Awusuye umKristu kodwa ukholwe kakhulu kulemizuzu emihlanu edlule ngenxa yalokho okwenzeke kulomsamo kunoma ubunakho kuyo yonke impilo yakho yaphambilini." Indoda yanqekuzisa ikhanda layo. UMfowethu Branham wathi, "Ngeke ngamcela uKristu ukuba abe nguMphilisi wakho ngaphandle uma uzoMthatha njengoMsindisi waKho neNkosi. Uma ngingahle ngikwazi ukukutshela ukuthi uphethwe yini, uzomthatha uKristu njengoMsindisi neNkosi yakho na?" Indoda yathi, "Yebo." UMfowethu Branham wathi, "Uphethwe isifo sikashukela. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho." Indoda yasiphakamisa isandla sayo yase-ke itshelwa ukuba ihambe futhi ngokukholwa yayizothola ukuphiliswa kwayo.

Ngalokho kuhlwa ngakhuluma nenenekazi leSiphambano esiBomvu elanikeza ubufakazi ngokuphiliswa kukanina. Lase-ke lingibuza ukuthi ngisalikhumbula yini umNdiya ophiliswe enkonzweni yasekuseni. Wayengunobhala walo wangasese futhi lalimkhuthaze ukuba eze emhlanganweni. Ngenkathi lingitshela lokhu, ngakukhumbula okwakushiwo nguMfowethu Branham ngesikhathi sehora lelantshi. Wayesitshelile ukuthi ngesikhathi ebona umbono womNdiya ephethwe yisifo sikashukela wabona futhi nenenekazi eliMhlophe. Nakuba kwabonakala sengathi wayeke walibona phambilini, akazange aliqonde futhi akazange ehlukanise ukuthi lalihlangene ngani nendoda noma ukuphiliswa kwayo. Njengoba leyongxenye yombono yayingacacile kahle, akazange asho lutho ngawo ngalesosikhathi. Ngokuhlwa kwangoLwesine ngaphambili uMfowethu Branham wayelikhombile lelinenekazi engaxoxa futhi ngakhuluma nalo mayelana nonina, owayesekhaya exinwe yinhliziyo. Ngalesosikhathi laligqoke inyumfoma yalo. Kodwa lapho lisebenzela umNdiya futhi lakhuluma naye ngemihlangano, laligqoke izingubo ezejwayelekile. Leli kwakuyinenekazi uMfowethu Branham ayelibone embonweni mayelana nomNdiya, kodwa akazange aliqonde, mhlawumbe ngoba wayelibone kuphela ligqoke inyumfomu.

Emva kwenye yezinkonzo indoda yeza kimi futhi yathi ibone ingelosi yeNkosi imi ngqo emva kukaMfowethu Branham. Ngayicela indoda ukuba iyichaze ukuze ngazi ukuthi ukuchaza ngabe kwakufana yini noma qha nalokho okwabanye ababebike indaba efanayo. Indoda yangitshela ukuthi lena eyayiyibonile yayithe ukuba nkulu kakhudlwana kunoMfowethu Branham, ishefe kahle futhi igqoke ingubo emhlophe. Lokhu kwakungukuchaza okufana ngokufanayo engangikuthole kwabanye abantu abathathu mayelana nengelosi ababeyibonile emsamo inoMfowethu Branham. Lendoda yalanda futhi ukuthi lapho uMfowethu Branham elula izingalo zakhe futhi ekhulekela abantu okunjengento ethize ephelele kwakwehla ezingalweni zakhe njengefosiferasi umuthi okhanya ebumnyameni. Kwakubonakala impela kucishe kube njengamanzi akhazimulayo elokhu njalo econsela phansi esuka ezandleni zakhe. UJustus duPlessis, umhumushi omkhulu ngesikhathi sokuvakasha kukaMfowethu Branham eNingizimu Afrika, wangitshela ukuthi izikhathi eziningi uma uMfowethu Branham ekhulekela abagulayo wayebona isithunzi phansi. Lapho ehlola ngokukhanya lapho ngempela kwakungekho-lutho okubonakalayo phakathi kokukhanya naphansi, nokho sasikhona lesisithunzi. Weneliseka ngokugcwele ukuthi lokhu akukho okungaba yikho ngaphandle kwesithunzi sengelosi yeNkosi.

Emva kwenye yezinkonzo ngabona indoda ikheleza ngezinduku zayo zokuqhugela ngendlela enzima kakhulu. Lapho iphumela ngaphandle emnyango yathi ukuthula kancane, yakhothamisa ikhanda layo, yawisa izinduku zayo zokuqhugela futhi yaqala ukuhamba ngokwejwayelekile ngokuphelele.

KwakusePort Elizabethe lapho indoda eyafika khona futhi yangitshela ukuthi ngobusuku bangaphambili yayiye ekhaya ngetekisi, empeleni idumele ngoba yayingakutholanga ukuphiliswa kwayo. Inhlinziyo yayo yayikhathazekile futhi idabukile ngoba yayikade iqiniseke ngempela ukuthi yayizothola ukuphliswa kwayo ngalokho kuhlwa. Lapho iphuma etekisini yathola ukuthi isimo sokukhubazeka emzimbeni wayo sasesingasekho futhi yayisikwazi ukuhamba iphile saka.

Ngokusa esasuka ngakho ePort Elizabethe, uMfowethu Baxter, uMfowethu Branham noBilly Paul behla baya ezansi nedolobha. Sebebuya besebhasini, uMfowethu Branham watshela abanye ukuthi kwakukhona inenekazi ebhasini elalizama ukuxhumana naye. Wakhomba inenekazi elaligqoke ingubo ensundu elalihlezi ngaphambili ebhasini. UMfowethu Baxter wamkhumbuza ukuthi inenekazi akuzukwenzeka ukuba lazi ukuthi babesebhasini ngoba lalihlezi ngaphambili

futhi bona babengene beqhamuka ngakhona futhi babehlezi ngemuva. Akukho okuningi okwashiwo mayelana nakho laze lasukuma inenekazi futhi lahamba laya emuva ebhasini. Lenyukela kuMfowethu Branham futhi lambuza ukuthi wayenguye yini uMfu. William Branham. Wathi, "Yebo, nenekazi, futhi uphethwe yisifo sabesifazane nethumba elinobovu. Futhi unomntwana ekhaya ogula kakhulu. Usungahamba manje uye ekhaya futhi uphile, ngokuba ukukholwa kwakho kukusindisile." Emva kwalokhu inenekeza lajika lase liqala ukukhala ngenxa yenjabulo.



*uBilly Paul Branham, omusa wakhe nozwelo kwabanye kwamthandekisa ezinhliziyweni zabantu.*

Sisuka ePort Elizabethe sahamba ngemoto saya eGrahamstown, idolobha elibukeka kahle kabi neliyimfashini endala lamaNgisi. Ikomiti lendawo lalisigcinele iHholo leDolobha elihlala abantu abayi 1200. Abantu baqala ukubuthana ngele 7:30 ekuseni benzela inkonzo yantambama eyabanjwa ngele 2:30. Ngaphambi kokuba iQembu likaBranham lifike ikomiti lendawo lalifuna ukufaka iamplifaya ngaphandle kweHholo leDolobha ukulungiselela abantu ababengezukwazi ukungena endlini. Umbheki wathi lokhu kwakungenasidingo ngoba kwakungakaze emlandwini waseGrahamstown kubekhona inkonzo yezenkolo eHholo leDolobha, kumbe noma yikuphi edolobheni, lapho khona imibhobho yokwazisa umphakathi yayidingeka khona. Bamangala lapho bebona izixuku sezigcwalisa indlu namakhulu emi ngaphandle.

Kwaba khona okuningi ukuphiliswa kulemihlangano emibili eyayibanjelwe eGrahamstown kodwa kwabakhona izehlo ezintathu engizothanda nizinake. Esinye simaqondana nendoda eyayisikhulile isiyafofobala esihlalweni esinamasondo. Ubufakazi bayo bufakiwe esigabeni esimiselwe izimfakazo. UMfowethu Branham wayikhomba futhi wayitshela ukuthi yase iphilisiwe nokuthi ifanele isukume. Indoda yasukuma. Kamuva ngakhuluma nayo futhi ngayibuza

ukuthi yagcina nini ukuhamba. Yaphendula yathi sekube yiminyaka emibili yagcina ukuhamba kwaze kwaba ngalokho kuhlwa.

UMfowethu Bramham futhi wakhomba inenekazi. Wathi, “UneTB. Sukuma wemukele ukuphiliswa kwakho.” Inenekazi alizange linyakaze. Wathi, “Sukuma. UKristu angakuphilisa. Sukuma wemukele ukuphiliswa kwakho.” Kwakulokhu kungekho-mpendulo. UMfowethu Branham wase-ke ephendukela komunye umuntu ayebone umbono ngaye. Kwakungelinye inenekazi lilele ohlakeni lombhede. Walitshela, “Nenekazi, ubuxinwe kakhulu yinhliziyo. Akunakwenzeka ukuba uphile isikhathi eside kakhulu ngaphandle uma uKristu ezokuphilisa. Uma uzoma futhi ukwemukele, uKristu uzokuphilisa.” Inenekazi lama futhi kamuva sathola ubufakazi ukuthi labe seliphiliswa. Ngithanda ukuba ninake inenekazi lokuqala, elingazange lisukume ngenkathi uMfowethu Branham elikhuthaza ukuba likwenze. Asikaze sizwe ukuthi lakuthola ukuphiliswa kwalo. Kuyangabazeka ukuthi lakuthola ngoba alenzanga njengoba umprofethi kaNkulunkulu wayeliyale ukuba lenze.



*UMfowethu Bosworth ezingwini zoMfula iVaal.*

Kwakusemva kwenkonzo yakusihlwa lapho uMfowethu Branham, uMfowethu Baxter noBilly Paul babesuke khona ehholo inenekazi elafika khona kuMfowethu Bosworth nami esasingemuva komsamo. Lalihola umfana ocishe abe neminyaka eyisithupha ubudala. KuMfowethu Bosworth lathi, “Ngiyazi ukuthi ungeke wakhulekela wonke umuntu, kodwa ubungeke yini bandla ukhulekele umfana wami?” Lachaza ukuthi kusukela ekuzalweni indodana yalo ibingakwazi ukubona kahlehle. Yayikwazi ukubona isimo sesidalwa esingumuntu uma sasingamafidi amathathu ukuqhela kuye. Noma yini eqhele ngaphezu kwamafidi amane noma amahlanu wayengakwazi ukuyehlukanisa. UMfowethu Bosworth

wamkhulekela umfana wase etshela umama ukuba aye kuleliyakhona eliqhelile, cishe amafidi angamashumi amathathu ukusuka lapho esasikhona. Wamtshela ukuba ame lapho futhi angenzi-msindo ngenkathi sisahlola ukubona ukuthi ukubona komfana kwase kungcono yini. UMfowethu Bosworth wase-ke etshela umfana ukuba ahambe aye ngakunina. Ngokushesha waqala ukuhamba wanqamula ngemuva komsamo waqonda ngqo ngakunina. Umama waqhumuka wakhala izinyembezi zenjabulo, ngoba kwakungakaze ngaphambili umfana akwazi ukumehlukanisa kumbe noma ubani omunye oqhele ukwedlula amafidi amathathu noma amane. Lokhu ukuhlola kwaphindwa izikhathi eziningana. Umfana waqinisa iqiniso lokuthi amehlo akhe ayesengcono kakhulu ngokusho ukuthi wayesekwazi ukubona unina ngokunqamula ekamelweni. Wajabula futhi enokumamatheka ebusweni bakhe wathi, "Sengiyakubona, mama." Kwakungokunye ukubonakaliswa kwamandla okukholwa.

Imihlangano eEast London yabanjwa kusukela ngoNovemba 14 kuya ku 18, eZinkundleni zeBorder Rugby Union, okuyiyona-ndawo kuphela eEast London eyayikwazi ukuhlalisa izixuku. Isilinganiso sababethamele sasilinganiselwa ku 6,000 futhi ngokuhlwa kokugcina esasilapho ngakho isixuku sasilinganiselwa ekusondeleni ku 15,000. IEast London yikomkhulu likaMfowethu Bhengu, omunye wabefundisi bomdabu abagqamile eNingizimu Afrika. Unethonya elikhulu kakhulu kubantu abangeMhlophe kulengxenye yeNingizimu Afrika. Ngatshelwa ezinye izikhulu zamaphoyisa ukuthi emva kokuba uMfowethu Bhengu efike edolobheni labo, ubugebengu phakathi kwabangeMhlophe base behle ngo 30% phakathi kwezinyanga eziyisithupha zokuqala.

Ngokuhlwa kokuqala esasingakho eEast London lalinomoya kakhulu ekuqaleni kwenkonzo. Lapho nje uMfowethu Branham eza emsamo, umoya wadamba futhi kwase kuyathula. Lokhu kwabhalwa phansi kwi*Daily Dispatch* ngelanga elilandelayo nekhophi yesiqephu iyavezwa lapha.

NgoLwesihlanu olulandelayo sehlelwa yinto efanayo ngemvula. Kwabonakala sengathi umhlangano wawuzodingeka uhlakazwe. Kodwa lapho uMfowethu Branham efika ezinkundleni, yayeka ukuna futhi phakathi kwemizuzu embalwa isibhakabhaka sase sicwebile. Kwaphinda futhi ngeSonto ebusuku saba nokunye ukubonakaliswa okufanayo nalokho okwenzeka ngoLwesithathu kusihlwa.

Ngesikhathi senkonzo eyayibanjelwe abomdabu, uMfowethu Branham wakhomba insizwa futhi wayitshela ukuthi yayiphuma esibhedlela futhi yayiphethwe yiTB. Wase-ke ekhuluma nendoda eyayihlezi eduze kwayo futhi washo ukuthi

# THOUSANDS GATHER TO HEAR BRANHAM SPEAK

## No Healing at First Meeting

**Cold gusts of wind made demented sorties across the Border Rugby Union Ground where a multitude was gathered last night to await the coming of William Branham, leader of the Branham Evangelistic and Divine Healing Campaign Committee.**

**Sparse globes of light spiked the darkness throwing into harsh relief stretchers bearing tightly-blanketed forms. There were cots, too. On one of them lay a thin-faced, larged-eyed child and on another a young woman whose skeleton fingers plucked ceaselessly at the covers. Punctuating the long rows of seats were scores upon scores of invalid chairs.**

A rough, temporary stage, canvas-covered, bore a row of chairs, microphones and a pulpit. The meeting was opened by one of the brothers leading the gathering in the singing of the hymn, "Oh Safe to the Rock," which swelled to a crescendo then died away in the heavy dew-drenched air. A baby whimpered, and the clang of an ambulance siren sounded in the distance. Brother Baxter, a Canadian preacher, went into the pulpit and expectancy stirred the waiting mass of people. He told of the work of the Campaign, told something of the Apostolic Faith Mission, spoke of the achievements of William Branham, and his divine "Gift of Healing."

### BRANHAM ARRIVES

There was a momentary pause, and then it was whispered that this man, to whom an angel is said to have appeared five years ago and charged to take a gift of healing to the peoples of the world, had arrived at the grounds, and would soon come up to the pulpit.

**He came. The wind dropped. An immense silence settled over the gathering. He is a little man. He is not a good speaker. but rather, an inspired speaker. He speaks from the depths of his soul and with a sincerity which cannot be denied. And the depth of his sincerity would appear to be the fullness of his strength.**

Brother Branham made no claims that he could practise the art of healing. Rather, he said, was he the instrument through which God chose to heal. But only those who believed in Jesus Christ, who believed that He had died that they might live, who truly and in all sincerity believed, accepted, that 1,900 years ago they were truly healed, that it was written that they were healed, only these could be healed.

He would not practise healing at this first meeting, he said, but would give those gathered on the grounds time to look within their hearts, to accept the word, and to come back on the morrow when he felt sure that the mercy of God would be vouchsafed, and many of those who had been lame, halt and blind, would walk and see, but only if they accepted the word. The meeting closed in prayer led by Brother Branham

*Iphinde yabhalwa isuselwa kwiDaily Dispatch. Novemba 15. 1951.*





Isithombe nguHoward Shaw

*Amehlo ayo ake aba yizinxemu, kodwa manje aseqondile.*

Isithombe nguHoward Shaw

*Lesisithupha sentombazane sasikhule ngamandla empameni yesandla sayo. Satshelwa ukuthi abakwazanga ukukuhlinza ukuba bakuphilise lokhu ngoba imithambo yemizwa negazi yayihambe yaqonda ngqo isuka esithupheni iya empameni yesandla sayo. Lokho kusho ukuthi, isithupha sasiyingxenye yempama yayo. UMfowethu Branham esabambe inkonzo yokuphilisa ngokunye ukuhlwa e-East London yafinyelela ngokukholwa, khona lapho eyayihlezi khona, futhi yabiza ukuphiliswa kwayo. Emva kwenkonzo, yasikhombisa isandla sayo esasesiphila ngokuphelele.*

nayo yayineTB. Kwalandela ukuthi uMfowethu Branham wakhomba abahlanu babo khona lapho emgqeni, ngamunye ephethwe wukugula okubi kweTB. Wabatshela ukuthi uma beyoqhubeka bakholwe, uNkulunkulu uyobenza baphile saka. Emva kwenkonzo ngakhuluma nabo futhi ngathatha isithombe sabo. Bangitshela ukuthi bonke babevela esiBhedlela sabaHlukaniswe ngabodwa eEast London.

Sisahamba ngemoto sisuka eEast London siya eThekwini, uMfowethu Branham waba nombono wendlwana yabomdabu esegqumeni elithize. Lapho beqhubeka ngendlela, walibona leligquma nalendlwana yabomdabu. Wacela umshayeli ukuba ame. Besahamba beya kuyo, uMfowethu Branham wayikhomba indlwana, yakhiwe phakathi kwezinye njengayo nse. Wathi kuyo bazothola owesifazane womdabu elele embhedeni egula kakhulu eneTB. Lelinenekazi lizobe lingumKristu futhi lizokwazi ukukhuluma isiNgisi. Lapho bengena endlini, nanto inenekazi lowomdabu lilele ohlakeni

lombhede njengoba nje uMfowethu Branham wayechazile. Lathi lalikade likhulekela ukuphiliswa nokuthi iNkosi yayilethembise ukuthi Izothumela umprofethi wakwelinye izwe ukuba alikhulekele futhi liyokuthola ukuphiliswa kwalo.



Isithombe nguHoward Shaw

*uMfowethu Branham ekhonzisa abomdabu.*



*Inkonzo yabomdabu eEast London.*



*Kwasiza ukukhangisa.*

Sisahamba ngasogwini lwangaseningizimu-mpumalanga yeNingizimu Afrika kwakuyithuba lethu ukuba sihambe sidabula futhi sivakashele ezinye zezindawo eziyizabelo zabomdabu. Nomaphi lapho esasima khona futhi sikhulume nabomdabu sasibathola bethokozisa kakhulu futhi bethandeka. Abaningi bomdabu babekwazi ukukhuluma izilimi ezine noma ezinhlanu zabomdabu futhi kwakungesikho okungejwayelekile kakhulu ukuthola okwazi ukukhuluma isiNgisi. Sahlabeka umxhwele kakhulu ngeqiniso lokuthi lababantu njalo babebonakala bejabule. Babengaxhamazeli neze futhi njalo babevuma ukumamatheka lapho sithwebula isithombe sabo. Asizange neze sithole noyedwa umuntu owanqikaza ukubambisana nathi ekuthwebuleni isithombe noma basitshele ngobuhlalu babo, imisebenzi ehlukene yobungcweti noma uhlobo abaluphilayo.



*Amadoda amahlanu uMfowethu Branham awakhombayo ayengawasesiBhedlela sabaHlukanisiwe ngabodwa.*



*uMfowethu Branham nabomdabu eduze kwaseEast London.*

ITheku liyidolobhakazi elihle. Umoya unzima namakha ezimbali eziyizinhlobonhlobo ezingamakhulu zasendle nezasemakhaya zithengiswa emakethe yezimbali. Kukhona amabhishi adume umhlaba. Lilikhaya futhi labafana abangorisha. Bese, futhi, kubakhona iMakethe yamaNdiya, indawo lapho khona iMpumalanga neNtshonalanga kuhlangana khona. Umuntu uzithola esesimweni sasekhaya saseMpumalanga, ngoba phakathi nasezindaweni ezizungeze iTheku kukhona cishe amaNdiya ayizi 200,000, kuqala ayelandwe esuka eEshiya njengezigqila ukuba azosebenza ezimayini. Yonke imizamo yokufaka imiqondo yasentshonalanga kulababantu ibe yize futhi aphila njengoba kwakuphila okhokho bawo amakhulu eminyaka. Kukhona izinto ezibaziweyo zakudala zasempumalanga neminye imisebenzi yezandla. Abesifazane baseNdiya bagqoka izingubo zikasilika ezithandelwayo amasari, kanti abaningi besilisa bamaNdiya bamboza amakhanda abo ngezigqoko ezingumbhoshongo ezibomvu. Idolobha laseThekwini liphethe futhi inani labantu abaMhlophe abacishe babe yi 130,000 nenani labantu bomdabu abayi 110,000.

Imihlangano egqamileyo yomkhankaso waseNingizimu Afrika wonke yabanjelwa eThekwini, iMiyami Bhishi yaseNingizimu Afrika, lapho izinkonzo zazibanjelwe khona kusukela zingama 21 kuya ku 25 kuNovemba. Eminye yemihlangano yabanjelwa eHholo yeDolobha, eminye yabanjelwa eNkundleni yoMjaho yaseGreyville.

Enkonzweni yokuvula eyayingoLwesithathu kusihlwa, eyayibanjelwe eHholo leDolobha, umama waletha indodana yakhe eneminyaka eyishumi nanye ubudala isesihlalweni esinamasondo. Washiya umfana wakhe esihlaweni sakhe esinamasondo phezulu ngaphambili lapho khona bonke abanye abantu abagulayo ababebuthene khona futhi yena wazihlalela

waqhela ngemuva. Ngenkathi uMfowethu Branham ekhulekela bonke abantu abagulayo ekupheleni kwenkonzo, umfana wasukuma. Umama wacabanga ukuthi ukhona owayembambile wammisa. Sebephumele ngaphandle, wabuza ngaye futhi wathola ukuthi umfana wayezisukumele ngaphandle kosizo. Wathi kuye njengoba ukwazile ukuzisukumela, mhlawumbe angakwazi ukuhamba. Wamtshela ukuba aphume esihlalweni esinamasondo futhi azame. Wakwenza futhi wakwazi ukuhamba, okokuqala eminyakeni emininingana.



Isithombe nguLynn Acutt

*Abantu, bengakwazi ukungena eHholo leDolobhakazi leTheku, eZingadini zeDolobha futhi balalela inkonzo ngemibhobho.*

Cishe abantu abayi 20,000 babesemhlanganweni ngoLwesine ntambama eNkundleni yoMjaho yaseGreyville. UMfowethu Bosworth wethula umlayezo ngensindiso eqondene nomuntu qobo lwakhe. Izinkulungwane zasukuma ukubonisa isifiso sazo sokwemukela uJesu Kristu njengoMsindisi neNkosi yazo.

Emva kokwethula umlayezo wakhe ensindisweni yomuntu qobo lwakhe, uMfowethu Bosworth wakhuluma nabo imizuzu embalwa ngamaqiniso okuphilisa kukaNkulunkulu. Wase-ke ebakhulekela futhi wabakhuthaza ukuba babize ukuphiliswa kwabo uKristu abathengela khona ngenkathi Ekhokhela inhlawulo yesono. Phakathi nemizuzu embalwa abantu




*Amanye amalunga oMbutho weSt. John Ambulance azenzela umsebenzi wawo ngokuzithandela*

abahlanu abehlukene, bonke ababekade bengakwazi ukuhamba sekuyiminyaka, benyuka futhi bafakaza ngokuphiliswa kwabo. Abanye babo kwakungabantwana ababengakaze bakwazi ukuhamba kahle, omunye kwakuyinenekazi elalikade lisesihlalweni esinamasondo iminyaka emihlanu. Isithunywa senkolo esigama laso nguMfundisi Brown sabika ukuthi ngqo phambi kwaso kwakuhlezi izimungulu ezine ezingezwa futhi ezingakhulumi. Zazikade zingakwazi ukuzwa noma yini enkonzweni kodwa lapho zibona lababantu abahlanu besukuma ezihlalweni zabo ezinamasondo futhi behamba, abanye babo sebephila ngokuphelele, abanye babo besazabalaza kodwa bekholwa nguNkulunkulu ukuba abaphilise ngokuphelele, kusho ukuthi baqonda ukuthi uNkulunkulu wayephilisa abantu ngakho kwase kuyisikhathi kubo ukuba babize ukuphiliswa kwabo. Nokho, noma yisiphi isiphetho abafinyelela kuso besahlezi lapho, bengezwa kodwa bebona okwakwenziwa nguNkulunkulu, uNkulunkulu wakubuyisela ukuzwa kwabo. Okokuqala ngqa ezimpilweni zabo bakwazi ukuzwa imisindo. UMfundisi uBrown wangilandisa ukuthi wayengakaze abone-muntu ejabule njengalamadoda amane lapho esebona ukuthi ayesekwazi ukuzwa.

NgoLwesihlanu uMfowethu Branham waya ezansi nedolobha eyothenga amahliphasi. Eseyongena eSitolo seZicathulo, sakwaCuthberts, kwasondela kuye umabhalane owamkhumbulayo. Umabhalane wakhomba indoda, iphuma nje emnyango, eyake yangena futhi yathenga izicathulo zayo eminyakeni engamashumi amabili. Izinyawo zayo zazikade

zikhubazeke ngangokuthi yayingakwazi ukugqoka izicathulo. Ngesikhathi senkonzo yokuqala yakusihlwa lapho eThekwini ngenkathi uMfowethu Branham ekhulekela abantu bebonke, lendoda yakuthola ukuphiliswa kwayo futhi manje izinyawo zayo zase ziphilile.

Ngikuthintile kini ngaphambili mayelana nabantu besibikela ukuthi babona ingelosi yeNkosi emsamo inoMfowethu Branham. SiseseThekwini ngathola incwadi futhi ngizothanda ukunicaphunela ingxenye yayo.

"Ngangikade ngikhuleka isikhathi impela ukuba uNkulunkulu angivumele ukuba ngibone ingelosi yeNkosi, lapho uMfowethu Branham evakashele eThekwini. NgoLwesine ebusuku, zingama 22 kuNovemba, ngethamela lowomhlangano omkhulu, owawenzelwe ikakhulukazi abangeMhlophe, eStadiyamu saseMjahweni saseGreyville. Emva kokuba uMfowethu Branham ekade esemsamo isikhathi esifishane, masinya ngaqaphelisisa umfanekiso wenye indoda imi ngqo emva kukaMfowethu Branham. Umfanekiso wathatha isimo sokukhanya okukhazimulayo. Lendoda yayiyinde kakhulu ngesidumbu kunoMfowethu Branham. Ngafuna ukuqiniseka ukuthi lokhu kwakungesikho ukubona ngamehlo engqondo ngakho ngaqaphela ngokuthi ngigxilise amehlo ami kuMfowethu Branham. Lesi esinye isimo sembulwa kimi izikhathi ezintathu. Ngaphandle kwalokhu, ngabanenhlanhla futhi ukubona, ngenkathi uMfowethu Branham ephakamisa isandla sakhe lapho eshumayela, into ewuketshezi eyayibukeka njengefosforasi umuthi okhanya ebumnyameni (ikhazimula kakhulu), yayiconsela phansi isuka esandleni sakhe nasengalweni. Ngeneliseka ukuthi uNkulunkulu wayeyiphendulile imikhuleko yami. Akadunyiswe uNkulunkulu ngoMfowethu Branham, umprofethi othunywe evela kuNkulunkulu." O. C.

Usuku lwethu lokugcina eThekwini lwaba ngeSonto, ngoNovemba 25, usuku esingasoze silukhohlwe. Lolusuku lwenyanga lufanele lubhalwe ngombhalo obomvu, ngoba kwakulusuku lomkhosi wezinkulungwane zabantu abaphakathi noma abazungeze iTheku kanye nawo onke amalunga eQembu likaBranham.

Imisebenzi yomnyakazo yangalolosuku yaqala ngele 6 ekuseni ngenkathi abangenisi sebengena emsebenzini eNkundleni yoMjaho yaseGreyville. Abantu babekade bebuthana ekungeneni selokhu kube ngehora lesine nqo ekuseni futhi lapho abangenisi befika bathola abantu abaningi kakhulu kwakulukhuni ukuqondisa isixuku. Ngesikhathi sasemini kwakukhona izikhulu zamaphoyisa ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu emsebenzini futhi zacela usizo lokuqondisa isixuku ngokubiza uMbutho wokuQapha



Isithombe nguLynn Acutt

*Amabili emalungeni angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu aseMbuthweni wezaMaphoyisa aseNingizimu Afrika ayeqondisa izixuku eNkundleni yoMjaho yaseGreyville.*


uMphakathi. Njengoba ngike ngakuthinta ngaphambili, amaPhoyisa aseNingizimu Afrika ayenesizotha, enekhono, ethokozisa futhi ehlala njalo enosizo.

UMfowethu F. F. Bosworth, inhloko enkonzweni yezokuphilisa kukaNkulunkulu, waphatha inkonzo yasekuseni. Lapho efika wabona isixuku esikhulu kunazo zonke ake azibona sibuthene ndawonye enkonzweni yezenkolo eminyakeni eyeve emashumini amane enkonzo yakhe. Wethula kubantu umlayezo ophefumulelwe ngokukaNkulunkulu ngamaqiniso okuphilisa kukaNkulunkulu futhi wachaza isiphiwo sokuphilisa uNkulunkulu ayesiphe uWilliam Branham. Enkulu impumelelo yemihlangano yayingumphumela wesisekelo esabekwa ngukukhonzisa okuhlakaniphile kuka F. F. Bosworth ezinhliziyweni nasezingqondweni zabantu maqondana namaqiniso eBhayibheli okuphilisa kukaNkulunkulu nesiphiwo esingajwayelekile esisebenza ngoMfowethu William Branham.

Emva kokuyala kweBhayibheli endabeni, wabiza abantu abaningana ukuba beze emsamo ukuze abonise ngokwenza lokho akade ebafundisa khona. Wacela labo ababekade benokuhlinzwa kwesiqhomo endlebeni eyodwa; enye indlebe yayifanele ibe ngezwayo, ukuze umuntu alizwe kahle iZwi likaNkulunkulu, futhi ukuzwa iZwi likaNkulunkulu kwase



UNKK. J. A. NAUDE, waseMgwaqeni uBlythswood, eThekwini, uchithe usuku oluthule izolo, ikakhulukazi ephumule, emva kokusinda kwakhe ngoLwesithathu ebusuku ngomvangeli waseMelika, uMfu. William Branham. Emva kokuba ebesehlala ngokugulela embhedeni izinyanga eziyi 10, umtshele ukuthi avuke embhedeni wakhe wasekhempini futhi ahambe. Lapho umthwebuli wezithombe we "Mercury" ebizwa izolo uthole uNkk. Naude elungisa izimbali, ngenkathi indodakazi yakhe, eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala uAnn, ebukela, ethokozile ngonina esebuyele empilweni.



# Rises From Spinal Cast At Words Of Evangelist

A DURBAN woman who had not walked for four months rose from a plaster spinal cast and, supported by helpers, walked shakily across the City Hall stage last night after the Rev. William Branham had weakly spoken the words: "I have prayed for you. Go — you are cured." The woman, Mrs. M. M. van Niekerk, of Wentworth, has been in hospital for more than four months with spinal tuberculosis.

The City Hall was packed, and an overflow estimated at 3,000 people crowded the city gardens to hear Mr. Branham's words through loudspeakers.

An elderly man in the audience, whose disease Mr. Branham diagnosed as arthritis, was told to rise. He did—and the pain he once felt he felt no more.

"The lady next to you," Mr. Branham went on, "is your wife. And you, Madam, also suffer with arthritis. Rise—you are healed."

Another woman, Mrs. E. Raath, of Fynnland, rushed to the stage with an eight-year-old girl, who, she claimed, had had a squint. Her eyes had become perfectly normal.

Scores of people whom, it is said, doctors had given up for lost clambered on to the stage, declaring that they were no longer ill. "I lost my job because I had tuberculosis," said one. "Tomorrow I shall look for another job."

Iphinde yabhalwa isuselwa kwiNatal Mercury, eThekwini

# Cripples Rise From Wheel-Chairs And Walk

SCENES of mass-healing, of cripples and stretcher cases getting up from wheel-chairs and beds and walking, followed a prayer by an American evangelist, the Rev. William Branham, before many thousands at the Greyville Racecourse, Durban, last night.

Mr. Branham, who exhorted all cripples, sick, deaf and dumb people to be healed, was led from the platform sobbing and supported by two helpers.

After he made his appeal one small boy, sitting in a wheel-chair, staggered to his feet and, with the support of two men, walked towards the platform. One after another others followed until a huge crowd surged forward; crippled women and children threw down crutches and leg-irons; mothers wept as children took a few steps, for some the first in their lives.

A Native rushed forward with his boy, who, he said, had had a twisted foot and body. "I was crying," he told "The Natal Mercury," "when I saw my boy's foot was straight; it was flat. He is whole."

An Indian boy went up to the stage and gave up his crutches and leg-irons. He walked up and down the steps. A club-footed Indian girl took up her discarded club boot.

One Indian girl, a tuberculosis and meningitis case, had been let out of hospital yesterday morning to attend the service. She was supposed to have gone back but she had not. Instead she went away, healed (she said) with her parents.

A cancer case who had not walked for nine months came to the service on a stretcher, got up on Mr. Branham's exhortation, and took away her stretcher. An Indian who had had a "locked" ankle for six months told "The Natal Mercury" that he was healed. He had come in the afternoon, he said, with his ankle stiff and immovable. He could now move it easily.

Men were praying over stretchers in cases where patients had not been healed. They prayed and urged the cripples to walk and the sick to be healed. On the other hand scores of people, mostly non-Europeans, flocked to the platform to testify cures.

In the background stood little Native girls on crutches, people with twisted bodies—smiling for the recovery of others, yet weeping because they had not been so fortunate.

Earlier Mr. Branham dealt with a 17-year-old Indian boy who had been deaf and dumb from birth. He clapped his hands and the boy smiled. The first words that came from his mouth were "Mama" and "Papa."

## "I AM HEALED"

Mr. E. C. Dennis (45), of 365a Flower Road, Clairwood, stood on the platform at Greyville, blocking his left ear. He had not heard with his right ear since he was seven.

Another Evangelist, the Rev. F. F. Bosworth, whispered into his right ear, and Mr. Dennis repeated combinations of numbers over a microphone. The crowd, mostly Natives and Indians, cheered as they heard him say: "I am healed."

Iphinde yabhalwa isuselwa kwi The Natal Mercury, eThekwini ngoLwesihlanu, ngoNovemba 23, 1951.

kwemukele ukukholwa. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngeZwi likaNkulunkulu," KwabaseRoma 10:17. Ukuze ube nokukholwa, kufanele kubekhona ozofaka ukukholwa kwakho kukho. Emva kokuhlola ukuzwa kweziguli zokuqala ezintathu uMfowethu Bosworth azikhulekelayo, sathola ukuthi yilowo nalowo wazo zase zikwazi ukuzwa ngendlebe yazo eyayikade ingezwa. Zase zithole ungqengqe lwendlebe olusha ngamandla kaNkulunkulu adalayo. Eseqedile ukukhulekela umuntu wesine, senza kanjalo futhi sahlola ukuzwa kwakhe kodwa sathola ukuthi wayengakwazi ukuzwa. Sathola ukuthi indoda yayingawuzwanga umlayezo kanjalo nezethembiso zikaNkulunkulu, futhi ngakho wayengenakho ukukholwa. Lokhu kwakubonisa ngokwenza kokusemqoka kokuzwa nokukholwa iZwi.

Ngaphambi kokuba uMfowethu Branham afike enkonzweni yantambama, uMfowethu Ern Baxter wethula umlayezo, ngendlela yakhe enobuciko nokho obuqondakalayo, echaza icebo likaNkulunkulu elimangalisayo lokusindiswa komuntu uqobo lwakhe. Emva kokugcizelela iqiniso lokuthi lensindiso yathengwa ngenani elikhulu nokuthi uma bezokwemukela izinzuzo ezigcwele zayo bazofanele banikele ukuphila kwabo kuYe njengaye nje uKristu wayenikele ngokuphila kwaKhe ngenxa yabo, wacela labo ababefuna ukuba ngamaKristu ukuba basukume. Bama ngezinkulungwane. Ndawo zonke abantu basukuma ngezinyawo zabo. Labo ababengasezinhlangothini zabaMhlophe nabangeMhlophe ngokufanayo bakhombisa isifiso esikhulu sokwemukela uJesu Kristu njengoMsindisi neNkosi yabo. UMfowethu Baxter waphendukela kithi esasihlezi emsamo sengathi uzothi, "Kusho ukuthi abangizwanga kahle. Ngeke ukuthi zonke lezizinkulungwane ezifuna ukuba ngamaKristu." Emva kokuchaza ubumqoka besinyathelo sabo wacela labo ababefuna ukuba ngamaKristu ukuba bavayizise izandla zabo. Into engaka eyabonakalayo sasingakaze siyibone ngaphambili. Phakathi nezinkonzo ezintathu zangalolosuku kwalinganiswa ngabefundisi bendawo ukuthi abangaphezu kwezinkulungwane ezingamashumi amathathu bama njengobufakazi besifiso sabo sokwemukela uJesu Kristu njengeNkosi noMsindisi wabo.

Ngaphambi kokuba kuqale inkonzo yantambama, imibiko yayingena yalabo ababefuna ukuphiliswa kwabo enkonzweni yasekuseni. Akuzukwenzeka ukulanda izehlakalo zokuphiliswa okuningi okuqinisekayo okwenzeka eThekwini ngalolosuku. Njengoba uMfowethu Branham wayebona imibono yokuphilisa wayekhomba abantu futhi abatshele ukuthi base bephilisiwe. Kwakukhona labo abasuka baphuma ezihlalweni zabo ezinamasondo futhi bahamba, abanye kungokokuqala eminyakeni eminingi. Kwakukhona

abangezwa nabangakhulumi ababemamatheka futhi benze umsindo okhulumayo njengoba base bekwazi ukuzwa okokuqala ezimpilweni zabo. Kwakukhona abantwana abancane ababengakuqondi konke kodwa manje abase bekwazi ukuhamba njengoba babengakaze bakwazi ukuhamba ngaphambili.

Ngempela lolu kwakulusuku olukhulu lokuphaphama ngokomoya edolobheni laseThekwini. Ngokombutho wamaphoyisa abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu nanhlanu kuya ezinkulungwaneni ezingamashumi ayisithupha babeze ukuzozwa iVangeli ekwenezeleleni ezinkulungwaneni eziyishumi nanhlanu ezazibuyiselwe emuva sezisemasangweni ngenxa yokushoda kwendawo enkundleni yomjaho enkulu ukwedlula zonke nenhle ukwedlula zonke eNingizimu Afrika. UNkulunkulu wayekhulume ezinhliziyweni zezinkulungwane futhi wazibangela ukuba ziphume zizozwa iVangeli futhi zithole ukuphiliswa kwakho kokubili umphefumulo nomzimba.

Endabeni eyaphuma ngoJanuwari–Mashi encwadini ethi "Umphathi weFulegi lempi," eyakhishwa eThekwini, sinemibiko evela kwabathathu kubefundisi bendawo. Lemibiko ayinikezi kuphela isithombe esihle semihlangano eThekwini, kodwa umbono jikelele womkhankaso wonke.

## UKUVAKASHELWA OKUKHULU KWENINGIZIMU AFRIKA

*NguMfundisi A. H. Cooper, uMphathisihlalo*

*Ikomiti likaBranham laseThekwini*

Ngenkathi uMfu. uWm. Branham nasebenzisana nabo, uMfu. W. J. Ern Baxter noMfu. F. F. Bosworth, beqala imiKhankaso yabo yokuPhilisa kukaNkulunkulu eNingizimu Afrika, ziyi 4 kuOktoba, ababaningi abantu ababebheke amathemba ombhedukazwe wokomoya alandela inkonzo yabo. Impela, iNkosi yenze okuninginingi ngokwedlulele ngaphezu kokucela kwethu nokucabanga.

Ayikaze neze ngaphambili imihlangano enje ibanjwe kulelizwe. Azikaze neze zibekhona izimpilo eziningi kangaka ziqhutshelwe ngakuNkulunkulu noma zilungiswe ngesikhathi esifishane kangaka. Azikaze neze izibonakaliso ezinje zamandla kaNkulunkulu asindisayo naphilisayo zibonwe ngamehlo, futhi kungukuzizwela ukulahlwa yicala kwabaningi ukuze umfutho wokomoya wemikhankaso yabo uqhubeke ngokungenamkhawulo.

Kuyo yonke imikhankaso inkonzo yezimangaliso yayisobala. Ukugcina irekhode lalabo abaphiliswayo kwakungadingi nakubuzwa, kodwa amakhulu ngamakhulu

azibonela amandla aphilisayo kaKristu, futhi bathumela izimfakazo zabo. Izibalo zabazibonela ukuphiliswa ngaphandle kokuthintwa umuntu.

Umkhankaso ngamunye, wethanyelwa yizinkulungwane ngezinkulungwane, kwedlula kude le okwakulindelwe ngabantu emadolobheni ehlukene avakashelwayo. Ngokugcwele abantu abayi 10,000 noma ngaphezulu babethamela izinkonzo njalo ebusuku eGoli eMarantha Park. Kuwo onke amadolobha amahholo amakhulu kunawo onke akhombisa ngokugcwele ukungeneli ukuhlalisa uquqaba lwamabandla.

Usuku nosuku, amakhulu abesilisa nabesifazane emihlanganweni ehlukene amukela uKristu njengeNkosi noMsindisi wawo ngenxa yomphumela wokwethembeka nokushumayela okushukumisa imiphefumulo koMvangeli uBaxter; imilayezo yakhe evusa ugqozi kumaKristu asisoze sayikhohlwa.

Kanjalo ngeke sakhohlwa ukufundisa okuhle kakhulu kukaMphostoli wokuKholwa, uMfu. uBosworth, okwasebenza omkhulu umsebenzi emkhankasweni ngamunye, ekudaleni nasekuvuseleleni amandla okwethemba eNyangeni eNkulu. Kwakuphinda phinda, phansi kwenkonzo yakhe, sabona imimoya yokungezwa ikhishwa nezingqengqe zezindlebe ziphinde zidalwa. Akukho sehlakalo sokugula esadangalisa ukukholwa okushisekelayo kwaleliqhawe eselimnkantshubomvu. Wasebenza ngokunganqamukiyo futhi ngempela safunda ukumthanda.

## INKONZO KAMFOWETHU BRANHAM

Kushiwo kahle kamhlophe ukuthi ingqayizivele enkonzweni kaMfowethu Branham iyisiphiwo esimangalisayo esimenza akwazi ukuhlalula nokwehlukanisa izifo abantu abanazo. Lokhu ukubonakaliswa kuphelele ngekhulu ekhulwini. Kuyinto eqhubekayo neshaqisayo. Ngoba uMfowethu Branham, ngoMoya kaNkulunkulu, uyakwazi ukubona ngemizuzwana, ngaphandle kwesiphosiso, lokho mhlawumbe kuphela kungamaviki okuhlola emtholampilo uyakwazi ukukuphinda. Lesi yisibonakaliso esikhulu, esifakazisa ukuthi uNkulunkulu ngempela uvakashela abantu baKhe.

Okusekhona okukhulu impela nokuya ngokuba yisimanga kakhulu nesibonakaliso esiya ngokuba sikhulu samaduzane nje enkonzweni kaMfowethu Branham yisiphiwo sakhe sokweHlukanisa neZwi loKwazi, esimenza akwazi uma ephansi kogcobo ukuba masinyane atshele abantu izimfihlo zezinhliziyo zabo. Ngezinye izikhathi kukhona izono abantu abebezifihlile futhi ezingavunywanga, ezibavimbelayo ekubeni

bathole ukuphiliswa kwabo. Lokhu ukwehlukanisa okumangalisayo, kwake kwabonakaliswa ezinkonzweni zikaKristu noElisha, kukhulu kakhulu, kuyingqayizivele, futhi kuhle kakhulu; ukusebenza kwakho kuletha umoya onesizotha phezu komhlangano, futhi impela kuthathe obhekayo kumbuyisele ezinsukwini zeBhayibheli ezazinezimangaliso.

Ephika noma yimaphi amandla angawakhe okuphilisa, akakaze nakanye ehluleke ukukhomba abesilisa nabesifazane eNkosini uJesu. Abefundisi bamahlelo ehlukene bazethamela izinkonzo—abanye bakholwa futhi babusiseka kakhulu, nabanye abakholwanga futhi manje sebeyaphikisa.

## UMKHANKASO WASETHEKWINI OYINGQOPHAMLANDO

Umlando webandla waqopheka ngosuku lokugcina lomkhankaso lapho cishe amaNdiya ayizi 45,000, abomdabu nabaMhlophe babuthana ndawonye enkonzweni yantambama eNkundleni yoMjaho. Abanye balinganisela esibalweni esingaphezulu kakhulu. Kusekude umhlangano ungakaqali amasango avalwa nezinkulungwane zashiywa ngaphandle emigwaqeni. Enkonzweni yasekuseni cishe izi 25,000 zazikhona futhi kusihlwa ziyi 23,000—ngokwesilinganiso esingedluli impela sephephandaba. Futhi lezizinombolo ezishaqisayo zahlala isikhathi eside—amahora—kushisa kakhulu kunesifudumezi, kwalandelwa isiphepho semimoya futhi kamuva kwaba yimvula. Abasoze neze neze labo ababanenhlanhla yokwethamela lezizinkonzo bakukhohlwa abakubona okwesabekayo, kanjalo nemiphumela emihle kakhulu eyalandelayo.

Umfutho wokomoya eThekwini walezizinsuku ezinhlanu eziyisimangaliso zemihlangano uzwiwe yizinkulungwane zabesilisa nabesifazane kuzozonke iziteshi zempilo. INingizimu Afrika ayikaze yazi lutho olunjengakho.

Izinkonzo ezabanjelwa abaMhlophe jikelele zabanjelwa eHholo leDolobha. Laligcwele phama nebandla elibalelwa okungenani kwi 4,000, namakhulu ngamakhulu emi ngaphandle elalele ngemibhobho. Naphezu kwemvula, abaningi babo bahlala kwaze kwaphela imihlangano futhi nezandla ziphakeme, bajoyina kanye nesixuku esingaphakathi abemukela uKristu njengeNkosi noMsindisi wabo.

Udumo kuNkulunkulu kweliPhezulu. Akukho-mazwi ombhali angezwakalisa ukubonga kwezinkulungwane ezaholelwa kuKristu ngesikhathi salomkhankaso neminye.

## UKUPHILISWA KWENINGI

Okunye kwezici ezigqamileyo ezishaqisayo zemikhankaso kwakungukuphiliswa kweningi. UMfowethu Branham njalo wayeyala abantu ukuba babeke izandla zabo phezu komunye

egameni elinamandla likaJesu futhi babize ukusindiswa kulabo ababehlupheke ngokomzimba. Imikhuleko yakhe eyayishisa enhliziyweni eyalandela ngokujulileyo yagudlulela abantu ekukholweni kuNkulunkulu. Baphiliswa khona lapho ezifweni ezehlukene nasezinhluphekweni— abangezwa bezwa, izinyonga zahamba nezimpumputhe zabona. *Kuyamangalisa*!

Okunjengesimangaliso nje yilokho kuphilisa okugqamileyo okusenzeka namanje—ngokwezimfakazo umbhali azitholayo usuku nosuku. ENkosini noMsindisi wethu ovukileyo ngokuzithoba sinikela yonke inhlonipho, udumo nenkazimulo.

"Kholwa kuphela, kholwa kuphela, konke kungenzeka, kholwa kuphela" kwakugqame lona kulowo nalowomkhankaso futhi nakuba iminyaka yawo 1900 isidlule selokho aphinyiselwa nguKristu waseKalvari, izinkulungwane ezingenakubalwa eNingizimu Afrika ziphaphamiswe yiqiniso lokuthi asaqinisile nje namhlanje nanjengoba aphinyiswa ekuqaleni.

## UMKHANKASO KABRANHAM WASETHEKWINI

*NguMfundisi uJohn F. Wooderson*

"Ngokuba ungalwazanga usuku lokuhanjelwe kwakho... indlu yenu isisala inxiwa..." Ngishumayeza ibandla lami emaSontweni amabili ngaphambi kokuba uMkhankaso wokuPhilisa kaBranham uqale eThekwini, ngazithola mina uqobo, ngisakhuluma ngetekisi engiyicaphunile, ngiqhubezelwa uMoya oNgcwele ukuphawula ngalokhu: "Masinya sizoba nalokho engikholwa ukuthi kuzoba ukuvakashelwa okungesikho okwasemhlabeni kukaNkulunkulu uSomandla kulelidolobha. Makungashiwo nakunoma yimuphi kini ukuthi, 'Awulwazanga usuku lokuhanjelwa kwakho...' Ngenani emgqeni wesibusiso! Futhi uma uNkulunkulu ekhetha ukukusebenzisa ezinsukwini ezimbalwa ezizayo, zibeke wena ngaphandle kombandela entandweni yaKhe."

Ukuvakasha kukaMfowethu William Branham nasebenzisana nabo, uMfowethu Baxter noMfowethu Bosworth, kwafakazisa ngempela ukuthi kuyisikhathi sikaNkulunkulu sokuhanjelwa kwedolobha lethu elihle. IZINSUKU EZINHLANU KUPHELA... kodwa izinsuku ezinhlanu ezingasoze zakhohlwa yizinkulungwane ngezinkulungwane zabesilisa nabesifazane. Akunakwenzeka ukulinganisa ngisho iqhezu lalokho okwafezwayo ngalesosikhathi esifishane. Ukukusonga konke—lelidolobha lathola omkhulu ukwedlula wonke umbhedukazwe wokomoya eselake lawazi.

Nakuba kubekhona ukulungiselela okuningana amaviki amaningi emihlangano...amaphepha amakhulu ezaziso

abekwa kulolonke idolobha, izimoto ndawo zonke zithwele amafulege njengabadidiyeli bokukhangisa... nokho akwenzekanga kwaze kwabanjwa inkonzo yokuqala eHholo leDolobha ngoLwesithathu ntambama, zingama 21 kuNovemba, lapho izakhamizi zaseThekwini zaqonda khona ukuthi kukhona okungajwayelekile okwakwenzeka. IHholo leDolobha laliminyene izixuku zingakwazi ukungena enkonzweni yezenkolo—nokuthi phakathi neviki ntambama, kwakuyinto engazange yabakhona kuqala. Izindaba zasabalala njengomlilo wasenkangala! Ngalokho kuhlwa, ngaphandle kwabantu abacishe babeyi 4,000 *ngaphakathi* ehholo, isibalo esalinganiswa yiphephandaba lendawo cishe i 2,000 yama *ngaphandle* ilalele inkonzo ngezinto zemibhobho yokukhuluma. Futhi nakuba iTheku lehlelwa yisiphepho sikagesi esinzima ngokungavamile ngalobobusuku, abaningi basala emvuleni elaliyidliva, bebanjwe-ngqi ngamandla eZwi likaNkulunkulu liphethwe nguMvangeli uW. J. Ern Baxter. Lesi kwakuseyisiqalo nje! Futhi okwalandelayo kulukhuni ukukuchaza! Ukuqinisa kweZwi likaNkulunkulu ngezibonakaliso nezimangaliso, lapho abagulayo bekhulekelwa kuleyonkonzo yokuqala, kwadala ukushukuma okufanayo nalokho okwenzeka ngesikhathi senkonzo yasemhlabeni yeNkosi uJesu.




Isithombe nguLynn Acutt

*Lamabhasi ayizi "Pesheli" alindele ukuthatha izixuku azise ekhaya sezisuka enkundleni yomjaho. ITheku liyidolobha elikhulu futhi linoxhaxha lwamabhasi kaMasipala nalawo angawabaniniwo kodwa ayengekho amabhasi enele kulolonke iTheku ukulayisha bonke abantu.*

Kusukela ekuqaleni kwakucacile kubo bonke ukuthi ukugcizelela okukhulu impela kwakuphezu kokusindiswa komphefumulo. "Ungaya eZulwini nomzimba ogulayo, kodwa ungeke uye lapho nomphefumulo ogulayo," kwasho inceku kaNkulunkulu ekwethuleni kwayo iQiniso okunamandla, okubophayo nokwenelisayo. Futhi kunganakwa uhlobo, inkolo noma umbala, abesilisa nabesifazane benziwa ukuba baqonde ukuthi yayiYODWA kuphela indlela, futhi leyo kwakuyiNDLELA KANKULUNKULU . . . ngokukholwa eNkosini uJesu Kristu . . . lapho ababengasindiswa khona. Akumangalisanga-ke ukuthi sonke isikhathi uma kuvezwa ithuba lokwenza izinqumo kuKrsitu, izihlwele zazima ngezinyawo zazo futhi ngokushisekela ziphakamise izandla zazo ukwemukela ikhadi lesinqumo. Ukunyakaza okunamandla kangaka pho kokuhlola inhliziyo kukaMoya oNgcwele okwenzekayo! Abanye selokhu befakazele iqiniso lokuthi nakuba babeze ezinkonzweni ngezidingo zabo zomzimba, lezi zacishe zakhohlwakala ngokuphelele ngonembeza wesono necala okwafika kubo. UNKULUNKULU WAYELAPHO, futhi BABEKWAZI! Ngike ngathintana qobo lwami nabantu abaningi engingeke ngisabakhumbula ukuthi bangobani manje "izidalwa ezintsha kuKristu Jesu" . . . abaphenduke kahle kakhulu futhi bazalwa ngokusha nguMoya kaNkulunkulu. Ngamiswa ngenye intatheli yezindaba emgwaqeni futhi ngatshelwa okulandelayo: "Mnu. Wooderson, umfowethu owayengumhedeni 'olukhuni-satshe' useguquke ngokumangalisayo. Kungaphezu kwami, futhi uma uMnu. Branham efikele lokho kuphela edolobheni okwenzeke kuye . . . kubekukhulu." FUTHI LOMKHAKHA WOMKHANKASO KABRANHAM usilethele ukubonga okunomqondo ojulile kuNkulunkulu ngokuvakasha kwezinceku zaKhe.

Kodwa akusiyo yini INKONZO YEZIMANGALISO enikwe abantu nguNkulunkulu kulezizinsuku eyimbangela ebaluleke kakhulu namandla anamandla ekuphaphameni ngokukamoya kwamazwe omhlaba na? Akusiyo yini lena impendulo kaNkulunkulu onyakeni wokungabinanhliziyo, ukungakholwa nokungabaza inkolo yobukristu na? Phansi kweNkonzo kaNkulunkulu ehloniphekile kaMfowethu William Branham izinto ezibonakalayo ezimangalisa kakhulu kunazo zonke zabonwa ngamehlo. Umuntu angathini ngaphandle kokuthi kumkhumbuza izinsuku zeTestamente eliSha. Lapho khona okwafika abagulayo . . . nazozonke izinhlobo zokuhlupheka . . . abanye besezinhlakeni, behamba ngezinduku zokuqhugela, izihlalo ezinamasondo, nezinhlaka. Isiphiwo esingavamile esasingene encekwini kaNkulunkulu, esabonakaliswa ekuxilongweni kwabanezifo kwabesilisa nabesifazane, kukanye nokuzithoba kwakhe okujulile nozwelo oluqeda amandla esintwini esihluphekayo kwakuyisifakaziso

esenelisayo ukuthi impela wayengu “MUNTU OTHUNYWE NGUNKULUNKULU.” Asisoze sayikhohlwa leyomikhuleko eyayiphuma ngaphakathi impela ezinjulweni zomphefumulo wakhe, lapho ebiza uNkulunkulu ukuba “ahawukele lababantu abahluphekile futhi ABAPHILISE.” Futhi kwakuthi esakhuleka, impendulo ifike! Phezu kwayo yonke leyomibuthano emikhulu kakhulu abesilisa nabesifazane bakhululwa emandleni kaSathane emizimbeni yabo. Izimbambo ezigobile zaqondiswa, izimpumputhe zabona, abangezwa bezwa. Imidlavuza, amaxhwala, izifwana zenhliziyo zaphiliswa egameni likaJesu. UMfowethu Branham ngokwethembeka wakhomba izethameli zakhe eziningi emthonjeni owodwa wokuphilisa, futhi akehlulekanga neze ukuwenqaba umqondo wokuthi likhona ikhono ayenalo lokuphilisa.

Ukufundisa okwakhayo ekuphiliseni kukaNkulunkulu kunikezwa nguMfowethu F. F. Bosworth, esimthatha njengengqalabutho yekhulu-minyaka lama 20 lenkonzo yokumangalisayo, wafaka ugqozi futhi wagxilisa ukukholwa kwabaningi. Ukukholwa kwakhe okunesibindi emkhulekweni wezimungulu ezingezwa nemiphumela eyalandela yaba yisikhuthazo ezinkulungwaneni ukwethemba uNkulunkulu ekuphilisweni kwabo.

Umlando waqopheka eThekwini ngeSonto, zingama 25 kuNovemba, usuku lokuvalwa komkhankaso. Okwabonwayo ngokuphelele kwakungaphambili kwakho konke okwakulindelwe. EStadiyamu seNkundla yoMjaho yaseGreyville (kubekwe kahle ngentando yethu oka 22 no 25 kaNovemba) izinkonzo ezinkulu ukwedlula zonke zezizwe ngezizwe ezake zabanjelwa kulelizwe zenzeka. Isikhulu seNkundla yoMjaho ngesilinganiso esingedlulisiyo salinganisa ukuthi yisixuku cishe esiyi 40,000! Lesisibalo asixubanga izinkulungwane ezama ngaphandle, zingakwazi ukungena. Izinkulungwane ngezinkulungwane zamaNdiya nabomdabu zama usuku lonke kusukela kusekude ngaphambi kwelesihlanu ekuseni phansi kwezimo zezulu ezilukhuni . . . ukufudumala okweqile ekuseni, isiphepho esinezibhengubhengu ntambama, nemvula kusihlwa. Kodwa bona abazange kanjalo nezinkulungwane eziningi zabaMhlophe bthikanyezwe yizimo zezulu. Usuku phezu kwakho konke lokhu ukuphithizela okukhulu kakhulu kwabantu uNkulunkulu wayephilisa abagulayo. Ngale ngasendaweni yabomdabu, lapho uMfowethu Branham kwakuyivelakancane ukuba abonakale, izimangaliso ezimangalisa kakhulu zazibikwa. Lapho umoya uvunguza nemvula ina, abesilisa nabesifazane balalela ngentshisekelo enganciphile enkonzweni eyayishukumisa umphefumulo wezinceku zikaNkulunkulu. Kwakungalethani

konke lokhu ngaphandle KOKUVAKASHELA OKUNAMANDLA KUKANKULUNKULU QOBO LWAKHE KULELIDOLOBHA! Kwakungakaze kuzwakale ukucula okunje lapho njengokwakugcwalise umoya ngenkathi uMfowethu Baxter ehola ibandla elikhulukazi ngokuculisa kwakhe okuhle ikhorasi elaziwa kahle, "UJesu, uJesu, uJesu, iGama eliMnandi Ngiyalazi; Ligcwalisa konke ukulangazela kwami, Liyangihlabelelisa ngisahamba." Ngamarekhode aseZulwini kuphela ayokwembula ukuthi kwenzekani ngalolosuku olungenakulinganiswa, olukhunjulwayo. Izinkulungwane zemukela uKristu njengoMsindisi wazo, zikukhombisa ngezandla eziphakeme, nezibalo eziningi zathola ukuphiliswa kwemizimba yazo. Ukuculwa kwehubo elidala, "Hlala nami, ukuhlwa kuyashesha," kwakuphakeme ngendlela emangalisayo enkonzweni eyabankulu kunazo zonke ezake zabanjwa eNingizimu Afrika.

Kwakukanye nemizwa exubile ukuthi sesibuthana ngosuku olulandelayo esikhumulweni samabhanoyi. Lapho uMfowethu Branham neqembu lakhe sebezogibela ibhanoyi umlayezo olandelayo wedluliselwa kubo ngemibhobho: "Kubizwa . . . uMfu. Branham, uMfu. Baxter, uMfu. Bosworth noBilly Branham! IKomiti likaBranham laseThekwini, egameni lezakhamizi zaseThekwini, zifisa ukuzwakalisa ukubonga kwazo okukhulu kuNkulunkulu nakini, izinceku zaKhe, ngokuvakasha kwenu kulelidolobha nesibusiso esilethwe ezinkulungwaneni eziningi ngalo; futhi sikhulekela ukuthi iNkosi iniphe ukuba nihambe nomusa futhi iphinde inibuyise kithi." Futhi uma sibuyekeza nje ukuthi ukuvakasha kwezinceku zaKhe kusho ukuthi ngempela kulelidolobhakazi, sibona ukuthi amazwi ashiwo ngenhla awenele nya.

IQembu likaBranham selahamba . . . KODWA UMSEBENZI WAQHUBEKA! Ukuqondisisa okukhulu impela kwezehlakalo zezinsuku ezinhlanu zangaphambili zantwela kithi. Idolobha lashukunyiswa! Zonke izigaba zomphakathi ziwuzwile umfutho onamandla walokhu ukuhambela kukaNkulunkulu. Kwabonakala sisinye isihloko esixoxwayo. Abesilisa nabesifazane okuze kube-manje babengenamcabango ngoNkulunkulu noma ukubiza kwaKhe base bengababuzi abanentshisekelo. Ngakolunye uhlangothi iphimbo labagxeki laya ngokuzwakala kakhulu, futhi njengokwejwayelekile, akukho-mzamo owenziwayo ukufihla ukujivaza kwabo nokungakholwa ngubukristu. Kodwa nangalempikiswano kwakukhona ithantala lezimfakazo zingena zitheleka zivela kuzozonke izindawo, zezibusiso zokomzimba nezokomoya zemukelwa . . . kwaze kwathi, njengasosikwini lukaKristu, "kwabakhona ukwehlukana phakathi kwabantu"; abanye bakholwa, abanye abazange. Ongakholwa uyohlala njalo

ekuthola lokho okuyolondoloza ukungakholwa kwakhe, kodwa iNkosi uJesu Kristu yathi: "Konke kungenzeka kokholwayo." Futhi lapho izinkulungwane zicula amazwi alelokhorasi elithandwa kakhulu, "Kholwa kuphela, kholwa kuphela, Konke kungenzeka, Kholwa kuphela" . . . ABANINGI belula isandla sokukholwa, "bathinta umphetho wengubo yaKhe," futhi baphila.

## IMVUSELELO ENGENAKUKHOHLWAKALA YEZINSUKU EZINHLANU

*NguMfundisi uH. W. Oglivie*

O, okwepeni lombhali oselungele! Ekuzameni ukuchaza uMkhankaso wokuPhilisa kaBranham osanda kwenzeka owawubanjelwe eThekwini kusukela kuNovemba 21 kuya ku 25, 1951, umuntu angathanda ukuba abe namazwi angesiwona awemvelo yasemhlabeni ukuzwakalisa inkonzo engesiyona eyemvelo yasemhlabeni yeNkosi phakathi kwabantu. Lokhu ukuhambela kukaNkulunkulu okumangalisayo, kanye nezixuku ezaba yirekhode elimangazayo ezaminyanisa iHholo leDolobha neNkundla yoMjaho yaseGreyville, kwenza ukuvakasha kukaMfowethu Branham nasebenzisana nabo kungakhohlakali neze.

Kulinganiselwa ekutheni amaNdiya, nabomdabu nabaMhlophe abayi 50,000 bethamela inkonzo yangeSonto ntambama—isibalo esikhulu kunazo zonke sabantu esesake sabuthanela umhlangano wezenkolo eNingizimu Afrika. IQembu leMvuselelo lavuma ukuthi lalingakaze liyibone into efana nawo. "UNkulunkulu uyisimangaliso!" "Kuyamangalisa!" kwakungamazwi ezwakala ndawo zonke. IHholo leDolobha impela lalilincane kakhulu, futhi ngisho nezindawo zokuhlala ezengeziwe zazingenele. Ngempela izinkulungwane azikwazanga ukuthi zithole ukungena. Nokho, imibhobho yayifakelwe ukuze kusizakale labo abangaphandle futhi kwakubonakala kuvusa ugqozi ukubona abaningi babo kangaka bephakamisa izandla zabo lapho kubizwa abenza izinqumo kuKristu.

Zazizinkulu izibonakaliso zamandla okuphilisa kukaNkulunkulu nabaningi ababenezifo ezingelapheki baphiliswa ngaphandle kokubekwa izandla; abangezwa bezwa, izinyonga zaphiliswa! Abanye bakhumula izinsimbi zemilenze emilenzeni yabo nabanye baphinda baphatha izinduku zabo zokuqhugela ngezandla lapho behamba beya emuva naphambili ukutshengisa ukuphiliswa kwabo. Kwase kubakhona labo abajabulela ukudaleka kongqengqe lwendlebe olusha futhi basho ukuthi sebeyakwazi ukuzwa ukunyenyeza okuncu. Ngempela, amandla kaNkulunkulu amakhulu angaphezu kokuqonda komuntu. Haleluya!

Izinkulungwane zabantu eThekwini namaphethelo azisoze zibe yilokho ezaziyikho futhi emva kokuba zethamele lezozinkonzo ezinendaba enkulu. Ukushumayela okunamandla kukaMfowethu Baxter, ukufundisa okuhlabayo kukaMfowethu Bosworth, nenkonzo edabula inhliziyo kaMfowethu Branham kuguqule izimpilo, kwephula izinhliziyo ezinenkani, kwabuyisa abahlubuki, kwasusa ubandlululo, kwavuselela ukukholwa nokwethemba kuNkulunkulu naseZwini laKhe. Abaningi ababekhonza isono noSathane manje sebekhonza iNkosi. Abaningi ababehlambalaza igama likaJesu manje sebecula izindumiso zaKhe.

"UJesu, uJesu, uJesu,
Igama elimnandi ngiyalazi,
Ligcwalisa konke ukulangazela kwami,
Liyangihlabelelisa ngisahamba."

* * *



A Recording of a Complete Healing Service by

WILLIAM BRANHAM

(A Man Sent From God)

will be given at the

Divine Healing Service

in the

FULL GOSPEL CHURCH WENTWORTH

(7 Brighton Road, Jacobs)

TO-NIGHT (SUNDAY)

7 p.m.

For those who did not hear Rev. Branham this is an opportunity to do so. Come and hear the mighty prayer that healed the sick, blessed the stricken and cast out all manner of evils.

NOTE: At the conclusion of the recording the Healing Ministry of the "Laying on of Hands" (Jms. 15.4) will be administered to the sick in Jesus's Name.

COME BELIEVING . . .

GO AWAY WITH HEALING!

67M2

*Isiqephu esisikwe ephephandabeni sazisa ngoMhlangano kaBranham ngendlela yokuqopha ngesiqophamazwi.*

Ngenkathi siseseNingizimu Afrika eziningi zezinkonzo zaziqoshwa emateyiphini. Lamateyipu ashiywa kuSidney Smith waseThekwini owayewaboleka noma ubani owayefuna ukuwasebenzisela imihlangano yabaMhlophe noma abangeMhlophe. Lapha nginokukhishiwe kwencwadi angithumelela yona futhi ngizocaphuna: "Senze inkonzo kaBranham yokuqala yeteyipu izolo ebusuku eBandleni leFull Gospel eWentworth, futhi noma beliyithulula imvula kube ubusuku obukhulu kunabo bonke engicabanga ukuthi ibandla lake laba nabo. Lezizinkonzo zamateyipu zikhumbuze abantu ukuthi noma uMfowethu Branham esehambe waya eStates, kepha iphimbo lakhe alihambanga. Bazokwazi ukuza bezwe imithandazo enamandla uMfowethu Branham ayinikezile ekukhulumeleni abagulayo, kokubili okomzimba nomphefumulo."

Emva kokuvalwa kwemihlangano eThekwini, uWilliam Branham, uErn Baxter, noBilly Paul Branham bandiza baya eSalisbury, eNingizimu Rhodesia, futhi babamba imihlangano lapho ngoNovemba 28 kuya ku 29. Imibiko yemihlangano yakhombisa ukuthi lezozinsuku ezimbili zabonakalisa ukuba yisibusiso esikhulu ezinkulungwaneni eziningi. Amakhulu abantu angena evela ezingxenyeni ezehlukene zangaseNingizimu nangaseNyakatho Rhodesia ababengakwazi ukwethamela imihlangano eNingizimu Afrika.

Okwesikhathi, uMfowethu Bosworth nami saqhubekala ePitoli, lapho akhonza khona abantu, eshumayela kathathu nakane ngosuku. IPitoli liyikomkhulu lezokuphatha kweNyunyana futhi lisebenze omkhulu umsebenzi emlandweni waseNingizimu Afrika. Ngaphezu kwekhulu leminyaka eledlule lakha Abafuduki bamaBhunu abenyuka bevela eKapa,



*Ingxenye encane kakhulu yesixuku enkonzweni yangoMgqibelo kusihlwa.*

bedudulelwa ngasenyakatho yizifiki ezintsha zivela eUrophu. Eduze kwasePitoli kumi isithombe esiyitshe lesikhumbuzo elikhulu nelihle kakhulu elaziwa njengeTshe lesikhumbuzo sabaFuduki. Ibhande lokuhlobisa elizungeza udonga lwemabula enhle eqoshiwe lixoxa umlando woFuduko lusuka eKoloni yaseKapa. Yini umuntu angayenza ngaphandle kokumangala futhi ame ashaywe uvalo, ebona ukuthi lezizingqalabutho zikhokhile ngokuvula ingaphakathi leNingizimu Afrika esizweni esimhlophe. Lelitshe lesikhumbuzo lakhiwe ngephethini yama altare ayakhiwa ngesikhathi sika-Abrahama. Kudwebeka okulinganisene phakathi kokusuka kuka-Abrahama eUri lamaKaledi nalokho kwabaFuduki abasuka eKapa futhi bahamba befuna izwe elisha. Akukho okunye okungachazwa yitshe lesikhumbuzo kubantu balo kunalokho okuchazwa yilelitshe lesikhumbuzo kumaBhunu aseNingizimu Afrika.

UMfowethu Branham, uMfowethu Baxter, noBilly Paul babuya eSalisbury ngesikhathi esifanele senkonzo yakusihlwa ePitoli ngoMgqibelo ebusuku. Amalungiselelo amahle ayenziwe yikomiti lendawo. Abantu babeyalwe kahle futhi ngokukholwa nokubheka amathemba balalela ngokuqaphela emlayezweni owawungo Mfowethu Baxter kwase kuba nguMfowethu Branham.

ISonto lwaba ngolunye usuku ngalo abaningi abathola uKristu njengoMsindisi wabo futhi bakubhekisa kubo uqobo ukuphulukiswa komzimba okuyingxenye yokuBuyisana kukaKristu. Imihlangano yethu eFairgrounds ePitoli yavalwa ngeSonto ebusuku, ziwu 2 kuDisemba, nabantu abasondela kwi 10,000 ababethamele.



*Izikhulu zamaphoyisa omdabu ezaziqondisa izixuku emihlanganweni yabomdabu ePitoli.*

Okulandelayo ngumbiko ovela kuMfowethu Gschwend maqondana nempumelelo yalemihlangano phakathi kwabomdabu.

"Mbonge oyiNkosi, O mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yaKhe yomusa; Yena othethelela zonke izono zakho; Owelapha zonke izifo zakho; Okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni; Okuqhelisa ngomusa nangobubele; Osuthisa ukulangazelela kwakho ngokuhle; ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi" (AmaHubo 103:2-5).

Kungenhliziyo egcwele ukubonga ukuba sifakaze ngezibusiso ezitholwe ngenkonzo yeQembu likaBranham. Kwakungukuhambela kukaNkulunkulu ngempela ngenceku yaKhe enesiphiwo. Noma inkonzo yabo kwabomdabu abakhileyo yayinokunqunyelwa ngokucindezelwa kwabo ngamandla omthetho emiphakathini eMhlophe sibonga uNkulunkulu ukuthi amandla aKhe awanqunyelwe! Saholelwa ekutheni siqale ngemihlangano emikhulu yamathende ngoNovemba 28, okwathi kusukela kuqala nje yethanyelwa kahle ngokuyisimangaliso. Njalo ekuseni ngelesithupha nqo abesilisa nabesifazane abaningana babuthanela umkhuleko. Imihlangano yantambama nakusihlwa yayethanyelwa yizixuku ezinkulu ukwedlula zonke esake sazibonela ngamehlo kulezizingxenye. Izixuku zakhula zaba ngaphezu kwe 6,000 (noma abanye balinganisela ekutheni isibalo sasingaphezulu kakhulu). Amathende amane abanzi ayakhiwe, elinye lawo elalisetshenziswa amaNdiya namakhaladi asePitoli.

Ngayo impela intambama yokuqala uMfowethu Bosworth akhonzisa ngayo, uNkulunkulu wayibusisa inkonzo yenceku yaKhe ethembekile ngendlela emangalisa kakhulu impela. Ukushunyayelwa kweZwi ngempela lathola ukungena ezinhliziyweni zabalaleli, lidala ukukholwa ukuba kuphiliswe imizimba yabo ngoKristu Jesu. Emva kokuba esekhuleke nesibalo salabo ababegula, phakathi kwabo okwakukhona abanye abangezwa nabangakhulumi, bonke baphiliswa khona lapho ngaphandle koyedwa, nokho, sethemba ukuthi usengaphiliswa. Lokhu, kusobala, kwaletha ukukholwa kubalaleli kwelinye izinga eliphakeme ngokuthe xaxa. Waseke uMfowethu Bosworth ephenduka ukuba akhulekele izihlwele, ezitshela ukuba zibeke izandla zazo endaweni egulayo yomzimba wabo, futhi lapho bejoyinana ngomkhuleko kanye naye, uNkulunkulu emseni waKhe omangalisayo wathinta eminingi yemizimba egulayo futhi wayiphilisa khona lapho.

Enye indoda eyayingaboni nhlobo eyayisibe yimpumputhe iminyaka eyishumi nesikhombisa nomunye eyayihlala nayo ngaphakathi esikoleni esikhulu sezimpumputhe masinya yaqala ukudumisa uNkulunkulu imemeza, "Kea bona, kea bona"—(Sengiyabona! Sengiyabona!) Futhi makabongwe

uNkulunkulu isabona nanamhlanje. Intombazane eyayingezwa ingakhulumi cishe ineshumi leminyaka ubudala yathola ukuzwa kwayo kanjalo nokukhuluma kwayo, noma yayingakaze ikhulume ngaphambili yafanele ifunde ukuphimisela amazwi, kodwa yafunda masinyane kabi. Owesifazane owayekade efe uhlangothi iminyaka engamashumi amane, futhi engakwazi neze ukulala ngalolohlangothi, engakwazi ngisho nokusebenzisa izandla zakhe, wazithola eselele ngohlangothi oluyinyonga ngakusasa ekuseni emva kokuba kade ephiliswe ngakuthangi, wabuye futhi wathola ukusimama ukuba akwazi ukusebenzisa izandla zakhe. Omunye wabavangeli bakithi wafika egcwele injabulo, edumisa uNkulunkulu, esitshela ukuthi wayekade elethe abantu abagulayo abane, futhi baphiliswa bonke! Omunye wayengezwa, omunye sekungaphezu kweminyaka eyishumi enentamo evuvukele nomphimbo, okwambangela ubuhlungu obukhulu futhi kwamenza angakwazi ukukhuluma, kodwa akaphiliswanga ngokuphelele, ngaphandle kwabanye ababephethwe yizifo zangaphakathi. Esinye sezisebenzi zethu qho zomdabu sasinesigaxa esizalweni saso iminyaka emininingi, futhi abazali baso babekhokhe izinkomo ezintathu ezangomeni ukuba sithole ukuphiliswa kwaso asangathola-sizo. Satshelwa wodokotela abaMhlophe ukuba sihlinzwe, kodwa sethemba uNkulunkulu. Manje uNkulunkulu wahlangana naso emhlanganweni wokuqala wokuphilisa kukaNkulunkulu lapho isigaxa saso sinyamalala, ngalokho esibonga ngakho uNkulunkulu.

Owesifazane osekhulile owayengaboni nhlobo wathola ukubona, ngangokuthi manje useyakwazi ukwenza umsebenzi wakhe futhi, edumisa uNkulunkulu. Omunye wesifazane obesanda kukhokha amashumi amathathu-nanhlanu opondo nenkabi emhlophe komunye wodokotela bomdabu, kodwa esaba ukuthi ukwelapha kwakhe kuzombulala kunoma kumphilise. Esezwa ngalemihlangano emangalisayo, wabaleka ukuze eze azolalela kulokho uNkulunkulu ayekwazi ukukwenza. UNkulunkulu wahlangabezana naye futhi wamphilisa kuzozonke izifo zakhe zangaphakathi, futhi usephiliswe ngokuphelele. Omunye wesifazane owayengaboni esweni lakhe futhi engezwa endlebeni yakhe yangakwesokunxele weza kimi futhi wangitshela ukuthi uNkulunkulu wayeliphilise kanjani iso lakhe elingaboni ukuze akwazi ukubona ngokucacile, kodwa wayefuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu wayengayiphilisanga ngani indlebe yakhe. Sengimbukisisa ngabona icici elikhulu lilenga endlebeni engezwa, kanti wayengenalo icici endlebeni ezwayo. Lokhu kwangenza ngiqonde ukuthi wayefake lelocici njengekhubalo ukuba kuphiliswe indlebe yakhe. Ngathi kuye, “Wethembe uNkulunkulu ngeso lakho, futhi Uliphilisile iso lakho. Kodwa wethemba lesosithixo secici endlebeni yakho ukuba siphilise

indlebe yakho, futhi kusobala uNkulunkulu ngeke akwenzele lutho. Khipha lesosithixo futhi wethembe uNkulunkulu ngendlebe yakho njengoba wethembe ngeso lakho, futhi Uzokuphilisa.” Emva kokuba esebonisiwe abanye wamkhumula unkulunkulu wakhe wamanga, noNkulunkulu ngomusa wahlangabezana naye wayivula indlebe yakhe. Lokhu kwaba ukuvula amehlo kwabaningi ababesalokhu ngasese bethembele emithini yabo yabahedeni namakhubalo ezangoma.

Sajabula ukubona abaningi belahla onkulunkulu babo bamanga ukuze uNkulunkulu ophilayo ahlangabezane nabo. Sibonga uNkulunkulu futhi ngokusebenza ezinhliziyweni zabo ukuze bangafuni kuphela ukuphiliswa kwemizimba yabo, kodwa insindiso yemiphefumulo yabo. Phakathi kokuhlwa okubili isibalo esikhulu seza ngaphambili silahla osikilidi baso, izinqawe, amashungu esinemfu, amakhubalo abahedeni nemithi. Ngisho namadayisi ababewasebenzisa ukugembula alethwa emsamo, futhi samangala ukubona abanye bo “Tsotsi” na “Malayithi” (Izigebengu ezingama Afrika) beletha omese babo ababebasebenzisa ukugwaza abantu. Noma sasikade singashumayeli ngokugxeka ukuhloba kwangaphandle kwabesifazane, sajabula kakhulu ukubona abaningi babo bekhumula amacici abo, amabhengele, njl., bewanikela kuNkulunkulu, ngenkathi benikela izinhliziyo zabo kuYe. Ngenkathi izinkonzo zokuphilisa zisaqhubeka njalo ntambama, noNkulunkulu waqhubeka futhi nokusebenza futhi waphilisa abaningi ababehluphekile ngomusa waKhe omangalisayo. Omunye wesifazane okhubazekile owayehamba kalukhuni, sewaze waqhothiswa yiminyaka yokugula, wakhululwa ebuthakathakeni bakhe futhi useyakwazi ukuhamba aqonde futhi. Abanye ababephila kalukhuni ngenxa yesifuba somoya, iTB, nezinye izifo baphiliswa. Izimfakazo zisalokhu zingena zabanjalo abangakwazanga ukufakaza emihlanganweni, kodwa manje bayabhala besemakhaya abo ehlukeneyo besitshela ukuthi uNkulunkulu wahlangabezana kanjani nabo.

Sadabuka kakhulu ukuthi inkonzo yoMfowethu Branham othandekayo yayinqunyelwe kakhulu kodwa siyambonga uNkulunkulu ngenkonzo yakhe emfushane ngeSonto ntambama, nokuthi uNkulunkulu ngomusa waKhe wayenza ngokuthinta futhi abaningi ababehluphekile ngamandla aKhe aphezulu. Isandla sikaNkulunkulu sesibusiso sahlala kakhulu kanjalo phezu kwemihlangano ukuthi uMfowethu Bosworth wanikela ngosuku lwakhe olulodwa kuphela lokuphumula futhi wakhonzisa futhi ngoMsombuluko ebusuku, okwakulusuku olumangalisayo, ubukhona bukaNkulunkulu bubonakaliswa ngokumangalisayo emihlanganweni emithathu eyabanjwayo.

Izindaba ezimangalisayo zokusebenza kukaNkulunkulu masinya zenabela kulolonke izwe ngangokuthi ngisho nasemva kokuphela kwemihlangano yangokomthetho namathende esewisiwe, amaqembu abantu abavela kulolonke izwe babelokhu beza. Babeza kwaze kwathi iviki lonke ibandla lethu elisha, elalivulwe nje ezinyangeni ezimbalwa ezedlule eLady Selborne, lagcwala imiphefumulo edingayo nabantu abagulayo ababebheke iNkosi ukuba ibaphilise. Imihlangano emithathu noma emine yayibanjwa nsuku zonke ukubahlephulela Isinkwa sokuPhila, ngokuba noma izinceku zikaNkulunkulu ezineziphiwo ngokukhethekileyo zase zihambile saqonda ukuthi uNkulunkulu wayesalokhu enathi, futhi Wayethumele iZwi laKhe ukubaphilisa, neZwi laKhe lihlala nathi phakade.

Kulukhuni ukuchaza imihlangano enje. Imikhuleko yokuqinisela yezinkulungwane eziningi kangaka, ukuhlabelela okunamandla, ukushunyayelwa kweZwi okumangalisayo likaNkulunkulu ngamandla nesibonakaliso sikaMoya oNgcwele ngeke kwachazwa—kuphela kungafakazelwa ngokubonwa. Singeke sambonga uNkulunkulu ngokwenele ngendlela Ahlangabezana ngayo nemiphefumulo edingayo nemizimba egulayo, futhi nangabaningi ababephilisiwe ezethamelini, ngisho nangaphezu kwalabo okwakhulekwa nabo siqu sabo. Lokhu kwakuvula amehlo kubantu bakithi bomdabu. Kwababakuhle kwabomdabu bakithi ukubona ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukuphilisa abantu ngaphandle kokusebenzisa kwabo isiwasho, imilotha, ukugqoka izevatho noma izintambo, noma ukwenza noma yini yezinye izinto okusikhumbuza kakhulu ngemisebenzi yezangoma.

Siyambonga uNkulunkulu futhi ngalokhu ukuvakashelwa okumangalisayo nokukhuthaza okunike onke amaKristu akithi omdabu nezisebenzi, ngaphandle kokuba yisifundo esiyinto emangalisayo kulabo abakhonzisa abagulayo. Kusikhuthazile futhi kakhulu ukuqhubeka sikhuleke ukuthi amandla kaNkulunkulu amakhulu, asindisayo, aphilisayo nangcwelisayo abonakaliswe sengathi akukaze ngaphambili ekulungiseleleni ukufika kwaKhe okusheshayo.

* * *

UMfowethu Bosworth wathola incwadi evela esithunyweni senkolo nomkaso, sibika okunye ukuphilisa abakubona ngamehlo emihlanganweni yaseKapa. Incwadi icashunwe lapha ingxenye.

"Umyeni wami nami sasikade siyizithunywa zenkolo zeAssemblies of God yase Great Britani, eNdiya, futhi esikhathini sethu esasingesokugcina emva kwempi eHyderabad State, sasivuma isimemo esivela emaBandleni

eFull Gospel eNingizimu Afrika ukuba sithathe inkonzo lapho. Sasiphethe elinye lamabandla abo eKapa ngenkathi umkhankaso kaBranham ubakhona. Kodwa uNkulunkulu wayekade ekhuluma nathi ngokubuyela emsebenzini wethu eNdiya, futhi Wasivulela indlela ukuba sibuyele eNgilandi, lapho esafika khona ngoJanuwari 11. Siyahambahamba kuma-Assemblies ngomsebenzi wobunxusa futhi sibhukelwe ukuhamba ngomkhumbi sibuyele eNdiya ngoSeptemba 16, uNkulunkulu evuma.

Sobabili sithanda ukukutshela ukuthi kwaba yisibusiso sokomoya esikhulu kangakanani nesivusa ugqozi ukuba kuleyomihlangano. Mina uqobo ngathola ukuthinteka emzimbeni wami (ubuhlungu bemizwa emva kwentamo) ngeSonto eledlule ebusuku noma ngokusa okulandelayo ngenkathi sikhuluma nawe noMfowethu Branham ePentecostal Park.

Angazi noma bewazi yini ukuthi ngesikhathi somkhuleko kaMfowethu Branham wabo bonke abagulayo ababesele kanyekanye ngaphambi nje kokuba asuke emsamo, umfanyana othi akabe neminyaka emithathu ubudala owazalwa eyimpumputhe wakuthola ukuphiliswa kwakhe na?

Ngangihlezi ngemumva nje, futhi ngesikhathi somkhuleko waqala ukukhala futhi wesula izinyembezi emehlweni akhe. Ngenkathi ngibuka phezulu ngabona unina wayekhala futhi wangitshela ukuthi umntanakhe wazalwa eyimpumputhe wayesanda kubona nje. Futhi, umfowabo, cishe oneminyaka eyisishiyagalombili ubudala wayenezinxemu ezimbi kabi, futhi ngesikhathi esifanayo khona lapho amehlo akhe aphila saka. Ngabona bona lababantwana qobo lwami, nomfo omcane wayekhala ngoba amalambu kagesi axhophayo ayelimaza amehlo akhe amahle amasha! Ngabuza umama ukuthi wayengumKristu yini, futhi wathi wayenguye futhi wayesonta eBandleni laseDash Reformed. Ngamtshela ukuba abuyele emuva atshele abantu ukuthi uNkulunkulu wenzeni futhi aphilele uNkulunkulu izinsuku zonke zokuphila kwakhe.

Cishe abantu abahlanu ebandleni lethu elincane baphiliswa emkhankasweni, enye insizwa eyayiphethwe yinhliziyo kanzima. Yayisanda kuphenduka; emva kwempilo yokusaphazwa, inhliziyo yayo yayisesimweni esibi, nobuso bayo babuhlala njalo buphaphatheke njengokufa, futhi yayinokopha okubi ekhaleni, isike yaya esibhedlela ngalokho ngaphambi nje komkhankaso. Nokho, yazinikela kuKristu, yabhaphathizwa futhi yayimi ngemuva kweNdlu enkulu yamabhanoyi njengomngenisi. UMfowethu Branham wayikhomba wayesethi, 'Wena ongemuva, ophethwe yinhliziyo, uJesu uyakuphulukisa manje.' UDavid wathi ukukhanya okukhazimulayo kweza ngakuye, wavala amehlo akhe ukukhazimula okufudumele kwehla kwangena

enhliziyweni yakhe, okwakubonakala engathi kwadluthula kwase kuphenduka, wase-ke evula amehlo akhe nokukhanya kwahlehla kwaya kuMfowethu Branham. Ngosuku olulandelayo ubuso bakhe base bungasenakho ukuphaphatheka, wafakaza ukuthi uphiliswe ngokuphelele. Futhi evikini noma amabili kamuva wafanele abe nokuhlolwa ngudokotela ukuze abhale afake isicelo somsebenzi ukuba athole isikhundla eRhodesia. Wasilethela isitifiketi esasimusho ukuthi uphile 100%. Akadunyiswe uNkulunkulu.

Udade omdala waseBandleni lethu, omuhle, owesifazane ogcwele umoya, wayehlezi phambili ngqo emhlanganweni wangeSonto eledlule ebusuku, futhi wayekhala futhi ekhulekela ukuba uNkulunkulu amthinte. Wayephethwe ufehlane olunzima iminyaka eyevile emashumini amabili, olwalubuhlungu kakhulu ngangokuthi wayengakwazi ukulala ngezikhathi zasebusuku. Lapho uMfowethu Branham ekhulekela abagulayo, masinya wamkhomba ephansi ethi, 'Wena, dadewethu, lapho ogqoke ingubo ebomvu—ukhalelani? Buka, uJesu useluphilisile ufehlane lwakho.' Wagxuma wama ngezinyawo, izingalo zakhe ziphezulu, edumisa iNkosi, futhi waphiliswa. Walala njengomntwana ngalobobusuku futhi wafakaza ekuphilisweni kwakhe emihlanganweni yethu kamuva."

G. STEWART

Sisuka ePitoli sabuyela eGoli, sibamba omunye umkhankaso eTabernakele iMaranatha Park, lapho esaphetha khona futhi siqale khona uhambo lwethu lwaseNingizimu Afrika. Sikhumbula ababekubonile ngesikhathi salezozinsuku uMfowethu Branham ayengazo eGoli, ukukholwa kwabantu kwakuphakeme, lapho belindele ukuthola ukuphiliswa uNkulunkulu ayenakho ngabo.

Ukuphilisa enkonzweni yokugcina engiyohlala ngikukhumbula kwaba yilokho kwenenekazi elaliyimpumputhe. UMfowethu Branham wayebone umbono wenenekazi lihlezi laphaya ezethamelini elaliphilisiwe. Walikhomba wase elitshela ukuthi alisukume bese lemukela ukuphiliswa kwalo. Alizange liphendule. Esalikhuthaza ukuba lime, elinye inenekazi emgqeni ofanayo lasukuma. Waphenduka wase elibuka imizuzwana embalwa. Wayesethi, "Usukumela ini? Wena ukholwa yinkolo yamaJuda; awukholwa ukuthi uJesu unguKristu. Uyimpumputhe. Ucabanga ukuthi uJesu angakubuyisela ukubona kwakho?" Kulokhu lavuma ngekhanda. "Kodwa ngingeke ngaMcela ukuba abe nguMphilisi wakho ngaphambi kokuthi kuqala abe nguMsindisi neNkosi yakho. Uma uzoMemukela njengoMsindisi wakho, uMesiya, Uzoba uMphilisi wakho futhi.

Uma ukwenza, phakamisa isandla sakho." Lasiphakamisa isandla salo futhi masinya lakwazi ukubona. Sisesesikhumulweni samabhanoyi ngakusasa ekuseni sesizosuka siye eStates, indoda yafika futhi yabika ukuthi bese likwazi ukubona ngokupheleleyo futhi belingekho livakashele abangane balo osekuyiminyaka lagcina ukubabona.




*Iphephandaba lesiBhunu ligqamisa ingxoxiswano noMfowethu Branham.*

Kanjalo saqeda amaviki ayishumi eNingizimu Afrika, ngalesosikhathi abantu ababebone futhi bezwa izinto ezinkulu ezimangalisayo zenziwa yiNkosi yethu enkulu nemangalisayo ngenkonzo yenceku yaYo, uWilliam Branham. Abantu abazange bayeke ukumangala lapho bebona isiPhiwo sisebenza ngoMfowethu Branham, lapho bembona ehlukanisa izifo kanjalo nezidingo zokomoya zabantu. Abazange bayeke ukujabula lapho esephendukela ezethamelini futhi ekhomba omunye, echaza ukugula kwabo ngokwenezela ngemininingwane enhlobonhlobo, futhi ebatshela ukuthi uKristu wayesebaphilisile. Abaningi bakhala lapho bebona izinyonga zihamba, izimpumputhe zibona nabangezwa bezwa, nabaningi bahamba beyosho ukuthi ngempela uNkulunkulu ubephakathi kwethu.

Senze uhlu ngokulinganisa lwezimangaliso ezingabikwa. Kubantu abaningi ukuphiliswa kwabo kwakusho ukuphila esikhundleni sokufa. Kulabo ababangamaKristu, kusho ukuphila okukhulu kakhulu nenhlanganyelo yaphakade noNkulunkulu. Ezinkulungwaneni zamaKristu ezethamela imihlangano, zibona uNkulunkulu esebenza futhi bebuzwa ubukhona baKhe, kwasho ugqozi olukhulu ukuphikelela

ekuhambeni ngokusondela kuNkulunkulu. Konke lokhu kwaba ngumphumela wokusombululwa kweZwi nguMfowethu uBosworth noMfowethu Baxter, ukuqinisa kwaleliZwi ngokusebenza kwesiphiwo sikaNkulunkulu ngoMfowethu Branham nemizamo ethembekile eyavezwa amaKristu aseNingizimu Afrika.

Ekuvaleni umbiko walokho okwenziwa nguNkulunkulu eNingizumu Afrika ngifisa ukufaka eminye imibiko emibili engiyitholile. Omunye walena uvela kuMvangeli, omunye kuNobhala weKomiti likazwelonke elenza wonke amalungiselelo omkhankaso.

* * *

## UMBIKO OVELA KUMVANGELI

*NguJ. H. Grobler*

Ngijabula kakhulu futhi ngiyambonga uNkulunkulu ngalelithuba lokuzwakaliswa ukuhlabeka kwami nokubonga. Ngibona sengathi akukho-limi olwenele ukuchaza ukuhlabeka kwami umxhwele nengakubonayo.

NginguMvangeli naye okade ekhonzisa ngakho ukuphilisa kukaNkulunkulu ngempumelelo enkulu eNingizimu Afrika. Eqinisweni, bekuyimina kuphela uMvangeli osebenza ngokugcwele emsebenzini wamaPentecostal eNingizimu Afrika iminyaka eminingi obekhonzisa ngakho ukuphilisa kukaNkulunkulu okuninginingi. Ngibenenhlanhla yokubona izimpumputhe zibona, izinyonga zihamba, abangezwa bezwa nanoma yisiphi esinye isifo ongacabanga ngaso siphiliswa ngeGama likaJesu ngenkonzo yami.

Ngenkathi ngizwa ngeQembu likaBranham liza eNingizimu Afrika ngaphokophelela ukuhamba ngiyozihlolela mina. Ngahamba ngingaqonde-kulimaza noma ukuhlonipha abantu nginenhloso yokuhlolisisa noma yikuphi engangizokubona futhi ngikuzwe.

Into yokuqala eyangihlaba umxhwele kwakungukushunyayelwa kweZwi, liyiqiniso, liqinile, liqonde ngqo futhi nangamandla. Kwakusobala kusukela ekuqaleni ukuthi lamadoda ayengekho lapha ukuzobonisa ngokwenza amandla athize ukuba kunakwe bona, kodwa ukutshela lonke icebo likaNkulunkulu. Kwakugcizelela khona impela njalo ebusuku ukuthi ukusindiswa komphefumulo kwakusemqoka ukwedlula ukuphiliswa komzimba. Akumangalisi iningi lemiphefumulo lazalwa eMbusweni kaNkulunkulu njalo ebusuku. Ubani owayengeke axhuxhume ebona into enje, uma ninozwelo ngemiphefumulo na?

Angisoze ngawakhohlwa amadlingozi ngalobo busuku bokuqala ngenkathi uMfowethu Bosworth ekwazi ngempela ukumemezela iqiniso ukuthi ukuphilisa kukaNkulunkulu kwakufakiwe ekuBuyisaneni nokuthi abantu bangaphiliswa besalilalele futhi balikholwe iZwi likaNkulunkulu. Kwangivusa ugqozi kakhulu! Ngenkathi leyonceku kaNkulunkulu ethandekayo ibeka leliqiniso inhliziyo yami yaxhuxhuma namehlo ami agcwala izinyembezi ezishisayo lapho ngizitshela ukuthi, "UMoya oNgcwele ofanayo owangifundisa eNingizimu Afrika wafundisa futhi uMfowethu Bosworth eMelika." KuNkulunkulu makube wudumo nenkazimulo.

Okulandelayo okuhlaba umxhwele kwakungokunamandla, nokho okucacile nokulula ukufundisa kukaMfowethu Baxter ngempilo enqobile. O, kwawuxhuxhumisa kanjani umphefumulo wami! Ngaphakanyiselwa kanjani kuNkulunkulu ngaze ngazizwa ukuthi ngangingasafuni neze ukubuyela esabelweni, ngaphandle uma kwakungukusiza isintu esigulayo esihluphekayo. O, lawomaqiniso amahle kakhulu ayiqinisa kanjani inkonzo yami uqobo. Kwandisa umbono wami, umbono obungiheha iminyaka—njengokuthi, ukuhlala noKristu ezindaweni zasezulwini futhi ukusukela lapho ukubusa phezu kwesitha sethu nokuba namandla futhi uwasebenzise phezu kwawo onke amandla omubi.

Into yokuqala eyangishayayo ngoMfowethu Branham kwaba wuthando lukaNkulunkulu olwalukwazi ukwehlukaniswa kulowo "Sanibona kusihlwa, bangane," odabula inhliziyo ekufikeni kwakhe emsamo njalo ebusuku. Lapho ekhuluma, ngazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye. Enkonzweni yakhe kwakungesizo izimangaliso zokuphilisa ezangishaya ukwedlula konke, ngoba ngangizibonele lokho enkonzweni yami uqobo. Kodwa okwangihlaba umxhwele okwedlula ukuchaza kwakungukusebenza kweZiphiwo zezwi lokuhlakanipha, izwi lokwazi nokwehlukanisa omoya. Ngashaqeka lapho abantu belandelana beza phambi kwakhe emsamo njalo ebusuku futhi ngemizuzwana bese esihlola isifo futhi adalule izimfihlo ezifihliwe zezinhliziyo zabo ngaphandle kokuphosisa.

Ngakubhekisisa ngokusondela impela ukusebenza futhi ngobuqotho kuNkulunkulu ngase ngilungele ukuvuma noma yiliphi iphutha elenziwa nguye ngesikhathi salokho kusebenza. Udumo kuNkulunkulu, sengingasho nokusho ukuthi angitholanga nelilodwa. Kwakuyikho ngekhulu ekhulwini. NguNkulunkulu kuphela ongenza lokhu.

Esinye isehlakalo esasihlaba umxhwele kakhulu sasingenkathi enye indoda isukuma ezethamelini futhi yamemeza, "Mfowethu Branham, uzenza ngamaphi amandla lezizinto na?" Impendulo ezivelelayo yagobhoza ezindebeni

zakhe kulokho okwabonakala sengathi yiphimbo elingesilo elasemhlabeni, iphimbo elalehluke kakhulu kulelo esilizwayo uma ngokudabula inhliziyo ebhekene nabantu abagulayo nabahluphekile. Lezwakala liqinile futhi linegunya elikhulu lobuNkulunkulu lapho esho nokusho, "Ngomuntu wena owazi kancane ngaye, uJesu Kristu." Impendulo yazixhuxhumisa izethameli cishe ezaziyizinkulungwane eziyishumi ngangokuthi zaqala ukushaya izandla. Lapho ihlombe selibohlile washo ngokuzithoba nangesizotha ngephimbo elidala elidabula inhliziyo, "Ngiyacela bangane, ningahlokomi, nikani uNkulunkulu udumo." Labo ababelapho abasoze basikhohlwe lesosehlakalo.

UNkulunkulu waba-mkhulu kakhulu kimi, waba nguye ngempela futhi waba-muhle kakhulu. Ngazizwa ngimncane kakhulu ebukhoneni baKhe engakwenza kuphela ukukhala nokuMthanda. Nginganiqinisekisa impilo yami nenkonzo icetshiswe yinkonzo yalezizinceku zikaNkulunkulu. Kimi, uMfowethu Branham ngokungangabazeki ungumprofethi kaNkulunkulu, uMfowethu Baxter umvangeli, uMfowethu Bosworth umfundisi othunywe nguNkulunkulu eNingizimu Afrika empendulweni emikhulekweni eminingi yemvuselelo.

## NEQEMBU LIKABRANHAM ENINGIZIMU AFRIKA

*NguW. F. Mullan*

Cishe impela akuzukwenzeka ukuchaza ukubheka amathemba ashisekele anqoba eNingizimu Afrika lapho sisalindele ukuvakasha kweQembu likaBranham. Izinsuku namaviki agijima ngesivinini esisheshayo lapho senza onke amalungiselelo okuvakasha. Ukubika ngezaziso ngaphambili kwahlangabezana nempumelelo enkulu impela kunalokho esasikwethembile. Impendulo evela emphakathini yakhula ngokushesha lapho izinsuku enyangeni zokuvakasha zisondela eduze. Safuhlelwa ngezincwadi ezibuzayo nocingo lwakhala njalonjalo ngangokuthi umuntu kwase kulukhuni ukwazi ukuthi uyosithola nini isikhathi sokuphumula.

Ekugcineni sasiseSikhumulweni samabhanoyi iPalmietfontein, eGoli, sibuka isibhakabhaka ukubona okokuqala ukusondela kwebhanoyi yeNhlangano yamaBhanoyi iPen yaseMelika evela eNew York. Isasasa lakhula lapho isixuku sikhula sibasikhulu sibasikhulu. Ichashaza kude le esibhakabhakeni laqala ukubonakala kwaze kwathi isixuku sathula du sibheke ngethemba lapho sibukisisa indizamshini izungeza esikhumulweni samabhanoyi ilungiselela ukwehlela phansi.

Emizuzwini embalwa kamuva neminyango yebhanoyi yavulwa nabagibeli baqala ukwehlela phansi. UMphathisihlalo

noNobhala weKomiti likaZwelonke ababebhekene namalungiselelo eQembu likaBranham livakashela iNingizimu Afrika, njengalaba, uA. J. Schoeman noW. F. Mullan, babenemvume eyisipesheli evela ezikhulwini ukuba baye enkundleni ukuyokwemukela amalunga eQembu likaBranham. Yonke into yayingohlelo; ukubika ngezaziso kwakwethanyelwe ngokunakisisa nezwe lalilindele wona lomzuzu.

Ababehla ebhanoyini babebonakala uMfowethu W. J. Ern Baxter, noMfowethu F. F. Bosworth elandelwa ngowesithathu. Lapho bemukelwa uMfowethu Baxter wathi, “UMfowethu Branham akahambi nathi.” Wase echaza-ke ukuthi uMfowethu Branham, owayezobe ephelekezelwa yindodana yakhe, uBilly Paul, wayelibaziseke esikhumulweni samabhanoyi eNew York futhi ezofika ngebhanoyi elandelayo. Ilunga lesithathu leqembu kwakunguMnu. uJulius Stadsklev.

Lapho iqembu selihamba lisuka enkundleni yamabhanoyi liya eMnyangweni wezokuThengisa amanye amalunga esixuku esasilindile abuza, “Yimuphi uMfowethu Branham?” Lapho amanye amalunga eqembu eqhubeka, uMfowethu Mullan wasichazela isixuku ukuthi uMfowethu Branham wayengekho eqenjini kodwa ezolandela ngeb hanoyi elandelayo. Lencazelo encane yashiya abantu cishe impela bekhexe imilomo. Ukucabanga nje ukuthi uMfowethu Branham wayengekho eqenjini nemihlangano yayizoqala ngakusasa futhi okungenani kwakuzothatha izinsuku ezintathu ngaphambi kokuba kufike ibhanoyi elandelayo. Esixukwini ngokusobala kwase kwenzeke inhlekelele enkulu nembi kakhulu.

Imihlangano eyayilandelana yabanjelwa eGoli, okuyisikhungo sezimboni esikhulu kunazo zonke saseNingizimu Afrika, nesikhungo esikhulu kunazo zonke sabantu abaningi. Sehluleka ukuthola indawo yokuhlanganela eyisikhungo esimaphakathi lapho okungabanjelwa khona imihlangano ikomiti laseGoli lase liwemukelile umnikelo womusa ngeApostolic Faith Mission ukuba kusetshenziswe iziNkundla zabo zeNkomfa ngasenyakatho yamaphethelo edolobha. Kodwa ngisho ihholo labo elikhulu lalizoba-lincane kakhulu nekomiti lathola imvume yabo ukuba kunwetshwe indlu. Umsebenzi wenziwa futhi waqedwa ngesikhathi esifishane nehholo lanwetshwa ukuba lihlalise cishe abantu abayi 8,000. Ngokushiya olunye uhlangothi lwendlu luvuliwe kwakuzokwenzeka ukuba kuhlale abanye abantu abayizinkulungwane ezimbili kuya kwezintathu odongeni lokuvimbela lapho abantu ababezokwazi ukubona khona futhi bezwe kahle kakhulu, futhi ngakolunye uhlangothi lwehholo kuqhubeke kubekhona abanye futhi abantu abayizinkulungwane ezintathumbili kuya kwezinhlanu yayingabahlalisa ngokunethezeka futhi bakwazi ukuzwa kodwa bangakwazi ukubona kahlehle.

UMfowethu Baxter noMfowethu Bosworth ngesibindi babhekana nomsebenzi abawunikiwe onzima kakhulu. Babefanele bakhonzise isixuku esasesikade sesidunyazwe ukungafiki kukaMfowethu Branham. UMfowethu Baxter waqala imihlangano elandelanayo ngenkonzo eyabakhanga bayinaka abantu futhi waqinisekisa impumelelo yokuvakasha konke. Inkonzo kaMfowethu Baxter ingenye yokwakha ukukholwa. Izwe likudidanise kakhulu “ukukholwa” no “kwethemba”! UMfowethu Baxter waqala umsebenzi wakhe awunikiwe ngokukhonzisa ngokuthi “IsiLinganiso sokuKholwa” futhi walandela lokhu ngomlayezo oshukumisayo othi “UkuKholwa kuSebenza Kanjani.” Lezizinsuku ezimbalwa zokuqala zenkonzo sisalindele ukufika kukaMfowethu Branham zazisiza kakhulu impela. IZwi likaNkulunkulu lakhonziswa emiphefumulweni elambileyo negagasi lokukholwa laliphakeme ngezinga eliphakama. UMfowethu Bosworth wabamba iqhaza eliyingxenye enkulu emihlanganweni lapho elungiselela abantu mayelana nomkhuleko futhi ngesikhulu isibindi nesiqiniseko esinesizotha sokukholwa wabiza noma ubani owayelahlekelwe ukuzwa kwendlebe eyodwa ngenxa yokuhlinzwa kwesiqhomo impela ukuba beze emsamo bathole umkhuleko. Wase ebakhulekela-ke futhi njalo njalo kuphinda sabona amandla amakhulu kaNkulunkulu ebonakalisa esimangalisweni sokudala-kabusha lapho izindlebe ezingezwa ziphinda zizwa nangaphezu kweqiniso lokuthi izitho zonke kade zisusiwe ngokuhlinza kukadokotela futhi kwakungenakwenzeka ukuba indlebe iphinde izwe ngaphandle kwamandla kaNkulunkulu.

Wayesefika-ke uMfowethu Branham. UMfowethu Schoeman wamhlangabeza esikhumulweni samabhanoyi futhi wamletha emhlanganweni owawuminyene lapho okwakukhona abantu abayi 10,000 belindele ngethemba elinentshisekelo. UMfowethu Mullan wamemukela egameni labantu baseNingizimu Afrika. Kwakungumzuzu oshubile onethemba elinentshisekelo. Emva kokukhuluma nabantu isikhathi esifishane uMfowethu Branham wabakhulekela “kanyekanye” futhi umuntu usengasho angenqeni ukuthi izimangaliso zenzeka ngalobobusuku bokuqala. Iphephandaba laseThekwini i*Sunday Tribune* kamuva yabika udaba lomfana osemncane, uErnest Blom, owayenomlenze owawumfishane ngamayintshi amaningana kunomunye futhi owaphiliswa kulowomhlangano wokuqala lapho uMfowethu Branham esakhuleka. Abethamelayo bakhula masinya. NgeSonto ntambama isixuku sesisonke saba yi 10,000 futhi ngeSonto kusihlwa saba yi 12,000. NgoLwesithathu kusihlwa isixuku safika eqophelweni eliyi 14,000. Imihlangano kwakukhulunywa ngayo yonke indawo. Ngeshwa imihlangano yadingeka ukuba ivalwe masinyane kakhulu, njengoba amalungiselelo

ayesenzelwe iQembu likaBranham ukuba liqhubekele kwezinye izinkonzo ezilandelanayo eKlersdorp, kuqhele ngamamayela ayikhulu. Ukuba imihlangano yaseGoli yayiqhubeke isikhathi eside kwakungeke kusenzeka ukuba kubalwe imiphumela.

Emavikini amafishane ambalwa iQembu likaBranham lase livakashele amadolobha ayishumi nambili eNingizimu Afrka. Kwakuyinhlanhla yami ukubaphelekezela ukuya kwamaningi alamadolobha futhi ngibone okuningi kakhulu ukuthi kungalukhuni ukwehlukanisa iphuzu eliphakeme kunelinye. Yonke indawo izixuku zazibuthana ndawonye, futhi njengoba omunye umbhali akubeka ephephabhukwini elidumile eliphuma njalo ngeviki, iningi lalabo abethamela imihlangano leneliseka ukuthi ngempela lalibone “izibonakaliso nezimangaliso.”

Esikhungweni ngasinye imihlangano emikhulu yabanjelwa phakathi komphakathi wabaMhlophe, kodwa kwenziwa futhi ukuhlinzekela imihlangano yabangeMhlophe, nabo. EBloemfontein ngokunye ukuhlwa uMfowethu Baxter wakhuluma ngendikimba ethi, “Akukho-mahluko” (KwabaseRoma 3:22). Lapho kwenziwa isicelo sabesilisa nabesifazane ukuba banqume kuKristu njengoMsindisi wabo cishe abantu abayi 2,000 basukuma bama ngezinyawo. Kwakukuhle kakhulu. Ezindaweni eziningi impendulo emlayezweni wokusindiswa yayikhexisa umlomo. Ngempela amakhulu, futhi kwezinye izindawo kwasukuma izinkulungwane ukubonisa ukukholwa kwazo kuJesu Kristu njengeNkosi noMsindisi wazo.

Imihlangano kaBranham yabanjelwa ezindaweni zokuhlanganela ezinhlobonhlobo ngoba akukho-mahholo omphakathi ayemakhulu ngokwenele ukuhlalisa izixuku. Sasebenzisa izitadiyamu ezivulekile, izinkundla zebhola lezinyawo, izinkundla zemidlalo, izinkundla zemibukiso, inkundla yomjaho nendlu enkulu yamabhanoyi. E-East London kwakhiwa umsamo eziNkundleni zeBhola lezinyawo loMbhoxo nemipheme emikhulu yezibukeli yasetshenziselwa ukuhlala abantu kanjalo nenkundla yokudlalela evulekile. Umsamo owasetshenziswa e-East London wawuyiplatifoma eyisipesheli eyayisetshenziswa wumndeni wasebukhosini uma uvakashele eNingizimu Afrika.

Kwakukhona okungenani abangeMhlophe abayi 10,000 babuthanela imihlangano yabo eBloemfontein futhi mhlawumbe isibalo esifanayo naleso sase-East London. EThekwini imihlangano yabanjelwa enkundleni yomjaho futhi zonke izizwe zakwazi ukubuthanela imihlangano. Lapha izixuku zahlanganisa abantu abayi 50,000 bazo zonke izinhlanga ngeSonto ntambama, kanti izinkulungwane zaphindiselwa emuva, zingasakwazi ukungena.

UMfowethu Bosworth ngokwazi wathwala wonke umsebenzi okufanele awenze abelwe wona. Wakhonzisa iZwi likaNkulunkulu ezinkulungwaneni ezazibuthana futhi wakhulekela abantu abaningi abagulayo futhi uNkulunkulu wayibusisa inkonzo yakhe. Uzithandekise yena kuma-Afrika aseNingizimu. Ndawo zonke uMfowethu Baxter wayebingelelwa njengomshumayeli ovelele futhi esikhathini eside emva kokuba yonke into isikhohlakele, uma ngempela imihlangano enje ingakhohlakala, inkonzo kaMfowethu Baxter yeZwi likaNkulunkulu iyohlala njalo. Inkonzo yakhe yafaka abantu ugqozi ukuba balikholwe iZwi likaNkulunkulu, ukusebenzisa ukukholwa kwabo, futhi ngaphezu kwakho konke ukuba bemukele uKristu njengoMsindisi neNkosi.

Samthola uMfowethu Branham eyikho konke lokho okwakubikwe ngaye. Wafika phakathi kwethu njengendoda eqotho, ezothile futhi kwakusobala ukuthi isibusiso sikaNkulunkulu sasinaye. Lokhu kuphinda phinda futhi sabona uNkulunkulu ebonakalisa amandla aKhe ngoMfowethu Branham. Lapho abantu bexhumana noMfowethu Branham ngokushesha wayekusho nokukusho ukugula noma isifo esasibaphethe. Lapho ethandaza sakwazi ukuba kwakhe nozwelo olujulile nokuhlupheka okwakumzungezile. Mhlawumbe emi emsamo acaphune omunye laphaya ezethamelini futhi asho nokusho ukuthi babehlushwa zifo zini.

Kungaphezu kokukodwa lapho imihlangano yayizobanjelwa endaweni evulekile sasimangala ukubona abantu abahlezi ngesizotha futhi balalele ngokuqaphela ngisho nalapho imvula iqala ukuna. Lapha kwabakhona ubufakazi obenele, uma babukhona obudingekayo, ukufakazisa ukuthi uNkulunkulu uyabadonsela abantu kuYe lapho iqiniso lonke lishunyayelwa esintwini esilambileyo.

Sengiphelekezele iQembu likaBranham kwamaningi amadolobha aseNingizimu Afrika ayevakashelwa ngingasho ukuthi kwabasobala kimi ukuthi abantu abakholwa kakhulu bathola kakhulu.

* * *

“Lona lavela eNkosini; lisimangaliso emehlweni ethu. Yilolu usuku elenzileyo iNkosi; siyakwethaba sithokoze ngalo” (IHubo 118:23–24).

# Izimfakazo

*"Yinikeni iNkosi inkazimulo yegama laYo . . ."*

IziKronike I 16:29

Lesisigaba siphethe cishe ikhulu lezimfakazo zokuqala ezeza ngqo kuMfowethu Branham nami uqobo. Siyaqonda ukuthi iningi elikhulu impela lazo lathunyelwa kubaphathizihlalo bendawo nesikhathi asisivumelanga ukuba sizithole.

Angilinikezanga igama eliphelele ezimfakazweni ngoba angisithathanga isikhathi ukuthola imvume yokusebenzisa onke amagama abo. Nokho lezizimfakazo zisefayeleni futhi igama labo eliphelele nekheli lingatholakala. Eziningi impela zezimfakazo zifingqiwe ukunikeza kuphela amaqiniso abaluleke kakhulu impela.

**Uthisha waPhiliswa esifweni sokuQaqamba kwamalunga omzimba esinjengoFehlane nemiThambo eQhansile**

Cishe eminyakeni emithathu nohhafu eyedlula kwadingeka ukuthi ngiwuyeke umsebenzi wokufundisa kwami ngoba ngangiphethwe kanjalo yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba esinjengofehlane nemithambo eqhansile. Ukukhathazeka kwami kwaqala cishe eminyakeni eyishumi nanye eyedlula. Akukho okwakubonakala kungisiza kangako. Ngo-Oktoba 6 ngaya eMaranatha Park futhi ngama amahora amathathu. Nganginobunzima ukuba ngingene ngaphakathi njengoba ihholo laligcwele. Ekugcineni ngangeniswa ngaphakathi futhi ngama ngobonda ngakwesokunxele.

UMfowethu Branham wayesanda kufika nje evela esikhumulweni samabhanoyi futhi umuntu wayezibonela nje ukuthi wayekhathele kakhulu emva kokugibela esuka eStates. Waphakamisa ukuba kukhulekelwe izihlwele kanyekanye kubo bonke abahluphekileyo. Wabacela ukuba babekane izandla zabo phezu komunye nomunye. Wayese-ke ekhomba ngasohlangothini lodonga engangimi kulo futhi wathi kukhona owesifazane onesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba. Kwakuyimina kuphela owesifazane owayemi encike odongeni. Manje, kwakungekho-muntu kulesosixuku esikhulu kakhulu owayazi ukuthi ngangninesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, ngaphandle kukaDadewethu Quinn futhi wayengazi ukuthi ngangikhona. Kodwa yena nabanye abaningi babemzwile uMfowethu Branham ethi, "Kukhona owesifazane onesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba." Udumo Haleluya! Kusukela lapho kuqhubeke ngazizwa sengingcono

kakhulu. Ngaya emihlanganweni elandelayo futhi ngazibonela mina ukuphiliswa okuningi, kuhlangene nesinye isiguli sesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba esasisibi kakhulu ukwedlula esami. Safika nge-ambulense futhi emva kokuba sesikhulekelwe sakwazi ukusukuma futhi sihamba hambe. Futhi kwakukhona isiguli esiyintombazane esasineqolo elephukile futhi sasukuma, ngenkathi sitshelwa uMfowethu Branham ukuba senzenjalo, futhi saphila saka.

UNkulunkulu ambusise uMfowethu Branham nabobonke labo abaxhumene nemihlangano abenza konke ukuphlisa kwenzeke, kuhlanganisa nokwami.

E. S.

## Umgogodla oneSifo Ubuyela esimweni sawo Esabonga uNkulunkulu ngaLokho AkweNzele Abanye

Emva kokugula isikhathi eside izinyanga eziyi 18, ngangikade ngishiywe nginesifo somgogodla futhi ngingakwazi ukuhamba ngaphandle kokusizwa yinduku. Ngezinye izinsuku ubuhlungu babubekezeleka, ngezinye izinsuku kwakuba ubuhlungu obubulalayo; awekho amazwi angachaza. Ekuzameni ukuhamba, umfunkulu wami wawunxapha, wenyele ngobuhlungu obukhulu. Futhi ngangiphethwe yimithambo eqaqambayo iminyaka engama 25, amahlule ashubile ekuhambeni kwegazi. Iminyaka emine eyedlule ngaphoqeka ukuba ngibhandishe imilenze yami, uma kungenjalo ngangingakwazi ukuma ngayo.

Ngo-Oktoba 7, 1951, udadewethu, uNkk. Scott, wangiyisa emihlanganweni kaWilliam Branham eMaranatha Park lapho engabona khona izehlekalo ezingama 56 zokuphulukisa kukaNkulunkulu kwezifo ezehlukene, ukubonakaliswa okumangalisayo kwamandla kaNkulunkulu ekuphilisweni kwabantu abagulayo abahluphekile. Ngajabula ngokweqile ngokubabona bephilisiwe ngangokuthi ngakhala ngakhala ngenxa yokujabula. Emva kwenkonzo ngangihlezi emotweni ngizindla ngezimanga engangizibonile, futhi ngakhohlwa yikho konke ngami, ngisadumisa uNkulunkulu ngalokho Ayekwenze kwabanye engazibonela khona. Masinya ngezwa amandla kaNkulunkulu esebenza emgogodleni wami. Ngadonseka ngaphakanyiswa amandla kaNkulunkulu, ngima ngezinyawo zami. Kwase kubalapho-ke futhi iNkosi ethandekayo yalungisa khona umgogodla wami futhi khona lapho bonke ubuhlungu basuka kimi. Ngaya ekhaya ngidumisa uNkulunkulu futhi ngifakaza kuwo wonke umuntu engangihlangana naye. Into yokuqala engayenza ngenkathi ngifika ekhaya kwaba ukususa amabhandishi emilenzeni yami; ngomusa kaNkulunkulu akaze ngiphinde ngiwafake futhi. Sengiyakwazi ukwenza yonke imisibenzi yami

yasekhaya. Angikaze ngibe nobuhlungu kusukela lapho futhi angidingi-nduku. Okwamanje amadolo ami asebuthakathaka kancane kodwa awabuhlungu. Ngethemba uNkulunkulu kunoma yini engakaqini. UnguMqalisi noMphelelisi wawo wonke umsebenzi umuhle, nginika kuye lonke udumo nenkazimulo.

A. C. G.

* * *

**Uqinisa ngokuPhiliswa kukaDadewabo futhi uXoxa nangokwaKhe Uqobo**

Lokhu kungukwesekela ubufakazi bukadadewethu, uNkk. A. C. Gribble. Ngiyamdumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzele yena. Walethwa kimi egula kabi, kabi impela. UMfowethu Hugo angakuqinisa. Izinyanga eziyishumi nesishiyagalombili wayenakekelwa yimi.

Ngokuhlwa okufanayo, ngesikhathi somkhuleko woquqaba, ngaphiliswa eqakaleni elalinesenyelo nesisu esibuthakathaka. Sinika uNkulunkulu yonke inkazimulo.

M. M. S.

* * *

**Waphiliswa ezeThamelini**

Ngiyambonga uNkulunkulu owangiphilisa ebuhlungwini obabunganqamuki. Ngangingekho emgqeni womkhuleko kodwa ngangiyilowo nje owayelaphaya ezethamelini owamkholwayo uNkulunkulu ngenkathi uMfowethu Branham esipha umkhuleko sonke. Ngiyayidumisa iNkosi sengiphilisiwe kulobobuhlungu obuhluphayo. Ngenkathi ngizwa ukushumayela kukaMfowethu Branham nangendlela akhulekela ngayo abagulayo, ngaqala ukucabanga ngeNkosi yethu uJesu Kristu ngenkathi Ekhuluma noMartha ethi, "Uma ukholwa, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu."

H. K. M.

* * *

**Waphiliswa eMgogodleni owawuLimele**

Ngifaka izifakazelo ezimbili zodokotela bami abanginike imithi yokwelapha iqolo lami ngaphambi kokuba ngithole ukuphilisa kukaNkulunkulu enkonzweni kaMfowethu Branham eMaranatha Park. Labodokotela bangihlola emva kokuba sengibe nokuphiliswa nguNkulunkulu

okumangalisayo, futhi ngamangala kakhulu ukuzibona ngiphiliswe ngokuphelele. Sasesilungiselele ukuhlinzwa okuyingozi komgogodla.



Ngathola ukuphiliswa kwami ziyishumi nanye kuOktoba, ngonayintini fifti-wani. Kwase kungunyaka impela ngigula, futhi ngase nginyangwe ngezindlela eziningi. Ngangineqiniso ukuthi ngaphiliswa kafishane emva kokuba uMfowethu Branham ekhulume nami. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi ngangithole ukulimala osekwedlule unyaka futhi wangitshela impela ukuthi ngangizizwe nginjani. Wangitshela ukuthi wayazi ukuthi nganginokukholwa okuqinile nokuthi uNkulunkulu wayezongiphilisa. Ngaphiliswa ngokuphazima.

Onyakeni ngaphambi kokuba ngithole ukuphiliswa kwami ngashelela phansi endlini kusimende owawupholishiwe oshelelelayo ekhishini lethu, futhi ngephuka ithambo elincane ngezansi ekupheleni komfunkulu. Okwenzekayo kwaba ukuthi ngangikwazi kuphela ukusukuma ngezinyawo ngobukhulu ubunzima emva kokuhlala noma kokucambalala phansi, nganginobuhlungu obukhulu eqolo lami isikhathi esiningi, futhi kwakulukhuni esikoleni ngoba ngangingakwazi ukuhlala noma ukusukuma isikhathi eside. Ukuphulukiswa kwami kwenze ukukholwa kwami kuqine, umndeni wami uyabonga, futhi ngeke neze ngiyeke ukukhuluma ngamandla amangalisayo kaNkulunkulu.

Nginezithombe ze X-reyi umshini wokuthatha izithombe ezibonakalisa ingaphakathi zikhombisa ithambo elephukile, futhi ngizokujabulela ukukuthumelela zona uma ufisa kanjalo.

H. J. N.

* * *

**Wasindiswa kuMdlavuza EsesezeThamelini**

Ngifisa nje ukuthi kafishane nginikeze ubufakazi bami. UJesu wahlangabezana nami ngendlela eyisimangaliso. Ngangiphethwe umdlavuza nodokotela benza konke ababengakwenza. Ngahlinzwa kepha nokho isimo sami saba sibi kakhulu, saze sangena ngaphakathi. Ngangichitha ubusuku ngingalali ngazi ukuthi kwakungasizi ngalutho ukufuna usizo engalweni yenyama, futhi ngakho ngabiza uNkulunkulu.

UNkulunkulu wakhuluma kimi futhi ngelula isandla sami sokukholwa futhi ngayibonga iNkosi, Wezwa futhi

wangiphendula masinyane lapho esihlalweni sami. Ngayidumisa iNkosi, futhi bonke abantu bama bemangele kulokho uJesu ayekwenzile.

Ngiyambonga uNkulunkulu ngoMsindisi omangalisayo esinaye. Ngalobo busuku uJesu wafika phambi kwami esesiphambanweni, nephimbo elikhulumela phansi lakhuluma kimi. UJesu akazange kuphela alengele izono zakho esiphambanweni kodwa futhi nobuthakathaka bakho.

Ngiyambonga uJesu, Wasusa bonke ubuthakathaka bami ngokushesha, njengoba nje Enza ngezono zami.

J. K.

* * *

**UMdlavuza AwuSekho**

Lapha ngifisa ukufakaza ngamandla amangalisayo asegazini leNkosi yethu ethandekayo uJesu Kristu. KuYe makube ukubonga konke nodumo kuze kube phakade!

UJesu wangiphilisa emdlavuzeni phansi kwenkonzo kaMfowethu Branham.

Ungeza ubone. Nginawo amanegethivu ezithombe ezathathwayo kanye futhi nombiko kadokotela.

Malidunyiswe iGama laKhe!

N. J. O.

* * *

**Azisekho iziNhlungu esiSwini**

NgeSonto ntambama ngenkathi uMfowethu Branham eye eOlando, ngathola ukuphiliswa kwami. Iminyaka eminingi benginezibhobo esiswini sami. Ekuvalweni kwenkonzo uMfowethu Branham wasitshela ukuba sibeke izandla zethu phezu kwalowo nalowo futhi sikholwe ukuthi sizophiliswa. Ngakwenza lokhu futhi, makadunyiswe uNkulunkulu, ngaphiliswa. Kusukela ngalesosikhathi, futhi manje sekuthi akube yizinyanga ezintathu, angikaze ngibuzwe ubuhlungu esiswini sami. Ayidunyiswe iNkosi.

R. P.

* * *

**Inganxanye loBuso ngakwesokuNxele LalingaSebenzi Lonke**

Ngibhala lokhu ukufakaza ukuthi uNkulunkulu wabuphilisa kanjani ubuso bami obabungasebenzi bonke

nganxanye. Ngangingakwazi ukunyakazisa noma yimiphi imisipha yenganxanye langakwesokudla lobuso bami nentamo. "UkungaSebenzi kweziNsimbi" kubizwa kanjalo.

Emavikini amathathu ngaphambi kokuthi kube yisikhathi sokuthi ufike eNingizimu Afrika ngabona udokotela. Njengoba ngiKwaMasipala ngadingeka ngithathe ilivu yokugula futhi ngathunyelwa umlayezo wansuku zonke nokwelashwa ngogesi esibhedlela. Lokhu kwaqhubeka amaviki amabili kungekho-bungcono ekwelashweni. Ngase-ke nginikezwa amaphilisi agwinywa esezikhwanyaneni aba nemiphumela emihle kwezinye izindawo, manje kucatshangwa ukuthi yi "gciwane" elibangela lokhu ukungasebenzi.

Lokhu kwakuphambi nje komkhankaso wakho wokuphilisa owaqala eMaranatha Park. Angizange ngiwagwinye lamaphilisi agwinywa esezikhwanyaneni njengoba ngangibheke ukuphiliswa okuvela eNkosini. Ngacela iNkosi ukuba isize ingithinte njengoba ngangidingeka ukuba ngibike esibhedlela emva kwezinsuku ezine—ngibuye ngiphinde ngisebenzise amaphilisi agwinywa esezikhwanyaneni engangingawagwinyi. Lokhu kwakungoLwesine. NgoLwesihlanu saya kuyo yomibili imihlangano, nangoMgqibelo futhi. NgoMgqibelo ebusuku ngazizwa ngingcono kimi uqobo kodwa ubuso babungakasebenzi. NgeSonto ngayikhumbuza iNkosi ukuthi ngangidingeka ngiqale esibhedlela ngoMsombuluko, ngibuye ngiphinde amaphilisi agwinywa esezikhwanyaneni engangingawagwinyi. Abaningi babangane bami babekhuleka nabo. NgeSonto sethamela yonke imihlangano futhi ngaqhubeka nje nokwemukela ukuphiliwa kwami okuvela eNkosini ngasosonke isikhathi umkhuleko wawenzelwa inhlangano yonke. NgeSonto ebusuku ngase ngikwazi ukumamatheka ngazo zombili izinxenye zobuso bami neminye imisipha yaqala ukuba-ngcono. NgoMsombuluko ekuseni ngase ngikwazi ukushayela isibhedlela futhi ngibatshela ukuthi iNkosi ingithintile nokuthi ngeke ngisayithatha imithi yokwelashwa kodwa ngizobabona masinya emva kokunqamuka kwezinkonzo; engakwenzayo futhi bona, udokotela nabahlengikazi, bonke bamangala kakhulu ukungibona, futhi ngatshelwa ukuthi sengiphilisiwe.

J. P. P.

* * *

**UkuHlanza okuneNkani nesifo sokuVuvuka komphimbo**

Ngangigula izinyanga ezinhlanu ngihlanza kabi kabi. Izinyanga ezimbili ezedlule ngangiphuza amanzi amancane kakhulu nokudla. Nganginemithungo yesisu emine emikhulu

kakhulu. Odokotela abaningana abayizipesheli bangibona. Ngase nginemithungo emibili emikhulu kakhulu phakathi kwezinyanga eziyisithupha eKroonstad, ilandelana. Ekugcineni uDr. Dykman wenqaba ukuba kubekhona okunye angenzela khona. NgangiseGoli esiBhedlela saseKensington izikhathi eziningana ngibonwe ngodokotela abayizipesheli. Nganginesifo sokuvuvuka komphimbo futhi iNkosi esingiphilise nya kuso.

Emva kokuphiliswa kwami ngaya kudokotela futhi wanginika isitifiketi futhi wathi esinye singatholakala futhi kodokotela abayizipesheli.

W. J. G.

UNkk. J. G. ubeyisiguli sami iminyaka eminingi. Usebenemithungo yesisu emine emaqondana nenyongo yakhe nezitho zesibumbu. Phezu kwalokho ubenesifo sokuvuvuka komphimbo. Cishe izinyanga ezinhlanu ubephethwe ukuhlanza okunenkani. Ubonwe odokotela abayizipesheli abaningana eGoli. Manje engathi usesinde ngokuphelele.

Dr. H. J.

* * *

**UMfundisi uBika ukuPhiliswa oKune**

Sayijabulela imihlangano kaBranham owathunywa nguNkulunkulu nezintshumayelo zayo ezifaka ugqozi zishunyayelwa ngamalunga ehlukene eqembu, kodwa ngokubheka inkonzo qobo lwayo kaMfowethu Branham othandeka kakhulu asinawo amazwi okuzwakalisa ukubonga kwethu kuBaba wethu waseZulwini ngokumthumela ngomusa kithi, owathola okungaphezu kokungashiwo wulimi. Umkami nami kanye nebandla lakithi lonke saba-nogqozi olunzima futhi sahlabeka umxhwele ngokwaphezulu ngangokuthi abaningi bathola ukuphiliswa kwabo ngokuthi nje babukele. UDadewethu Fourie (umkami) wayesegule ngaphezu kwezinyanga eziyisishiyagalolunye kubangelwa ukuzalwa kwenganyana yethu, esikanye noNkulunkulu manje, kodwa esalalele umlayezo waphezulu wokuphiliswa, walemukela iqiniso lendaba futhi waphiliswa ngokuphazima. Lokho kwakuseKlerksdorp.

UMfowethu Ben Meyer wasebandleni lakithi wayephethwe kabi yikhala elivuvukele, iso lakhe nalo lathinteka futhi lababomvu futhi ekugcineni laba libi ngangokuthi emva kwezinyanga ezintathu kwase kubonakala kubo bonke ababewazi umdlavuza ukuthi umfowethu wayezofa ukufa okubuhlungu kabi kakhulu. Ngamkhuthaza umfowethu ukuba aye emihlanganweni eKimberley futhi

ngamtshela ngokwehlela udadewethu edolobheni elingaphambili. Wanquma ukuthi ahambe futhi waphiliswa ngendlela efanayo impela esalalele uMfowethu Branham etshela abanye ukuba bakholwe. Wakwemukela futhi ukuba kube ngokwakhe siqu sakhe futhi emva kokuhamba ngaphezu kwamamayela ayisishiyagalombili ngalobobusuku eya ekhaya, ukuvuvuka kwekhala kwakungasekho neso lafana njengasekuqaleni.

Ledlula edolobhaneni lakithi libheke eKimberley iqembu laliholwa nguNkulunkulu ukuba lithinte indlu yethu yomfundisi lapho sikhuleka kuNkulunkulu ukuba athumele umfowethu kithi nomlayezo awuphethe ngqo kanti futhi amsebenzisele ukuphiliswa kukaBetty wethu omncane (oneminyaka emihlanu ubudala) owayephethwe yizinhlungu ezihlabayo ezinquma esiswini kulandele ukukhonkobala kanti futhi nophawu oluthize olwalusikhathaza kakhulu. Lapho uMfowethu Branham engena ekamelweni lethu lokuhlala wambhekisisa wase ekhuluma naye ngendlela yenhlonipho enkulu nethandekayo lapho ngicabangela eduzane kakhulu ukuthi iNkosi uJesu qobo lwaKhe wayezokwenza kanjani. Wabhekisela kuBecky wakhe uqobo othandekayo futhi ngalowomzuzwana angikwazanga ukuzibamba futhi ngathi: UBetty uhlala njalo ethi uma uMalume uBranham emkhulekela uzophiliswa. Ngakho wathi, “Ngizomkhulekela,” futhi ebeka izandla phezu kwakhe wanyakazisa amaZulu ngomkhuleko wakhe othobekileyo othembekile. Ephendukela kudadewethu wathi: “Dadewethu, ungabe usakhathazeka, usephiliswe ngokuphelele.” Wasitshela futhi khona impela ayevamise ukuguliswa yikho futhi lokho kwase kungukuphela kokugula kwakhe. Usephiliswe ngokuphelele, makadunyiswe uNkulunkulu usomandla. Lolophawu seluphelile futhi. Ngithokoza kakhulu ukusho ukuthi bonke basaphilisiwe. Lapho uMfowethu esehamba ngalelolanga waphawula futhi wathi: “Dadewethu, iNkosi uJesu ikupha isifiso senhliziyo yakho.” Sijabule kakhulu ngokwazi ukuthi uNkulunkulu usawuphendula umkhuleko.

UNkk. Wessels, Robyn Street, Christiana, wakhonjwa nguMfowethu Branham emhlanganweni wangoMgqibelo (20 Oktoba 1951) futhi watshelwa ukuthi wayephethwe yizinso kodwa usephilisiwe futhi kwabanjalo. Usaphilisiwe. Bambalwa abangakholwa ubukristu edolobheni kodwa iningi elikhulu likholwa ukuthi uMfowethu Branham uyindoda ethunywe ivela kuNkulunkulu, futhi mayelana namalunga akithi impela, sonke siyakwazi futhi sikwemukele ngezinhliziyo zethu zonke. Engizazela khona ngokwami ngukuthi ngisondele kuNkulunkulu kakhulu kunakuqala. Sengingumuntu ohluke phaqa futhi uNkulunkulu uyayibusisa inkonzo yami kakhulu kunakuqala.

Sengathi isibusiso sikaNkulunkulu esicebe ukwedlula konke singahlala enkonzweni yakho.

D. P. F., uMfundisi

* * *

**Manje Usehamba Ngokwejwayelekile Ngokuphelele**

Imisipha enqulwini yami yabhinyika ngenkathi ngigijima. Kwafanele ukuthi ngiyohlinzwa kwanzima enqulwini yami. Emva kokuphuma kwami esibhedlela ngangilokhu ngisaqhuga kodwa izolo ebusuku ngizwile ukuthi iNkosi ingithintile ngenkathi uMfowethu Branham esakhulekela wonke umuntu.

Ngibonga iNkosi ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yami ukuthi sengiyakwazi ukuhamba ngokwejwayelekile ngokuphelele.

J. B.

* * *

**Ukufunda NgeNkonzo kaMfowethu Branham Kwafaka uGqozi lokuKholwa lokuPhiliswa kwaKhe uQobo**

Iminyaka eyishumi ngiphethwe "Yisifo seNhliziyo." Odokotela base belahle lonke ithemba futhi bathi kufanele ngidele futhi ngiphile impilo engiyoyivunyelwa yinhliziyo yami. Nganginokuhlaselwa yinhliziyo okwakwenzeka kaningi. Futhi ngaphuthunyiswa esibhedlela ukuba ngithole ioksijini umoya-mpilo. Abantwana bakaNkulunkulu babekhuleka kodwangangizizwa ngishona phansi kancane kancane. Kungekho themba, kungekho-themba, kwaze kwathi ekugcineni sathola izindaba ezimnandi zokuthi uMfowethu Branham wayeza eNingizimu Afrika.



Umkhwenyana wami ngokushesha, ngetelegramu ephuthumayo, wa-oda incwadi kaMfowethu Branham eThekwini futhi wanginika yona ukuthi ngiyifunde, azi ukuthi uma ngiyifunda incwadi ukukholwa kwami kuNkulunkulu kwakuzonkwanda. Lapho ngiyifunda incwadi ukukholwa kwami kuNkulunkulu kwaya kuqina kuqina ngaze ngaqiniseka ukuthi ngingamethemba uNkulunkulu ekuphilisweni kwami. Ngazi ukuthi uMfowethu Branham wayeza eNingizimu Afrika ngaqonda ukuthi izinkulungwane zazizoza zizokhulekelwa nokuthi themba lini enginalo lokuba ngize emgqeni

womkhuleko. Ngokushesha ngaqala ukuzila nokukhuleka, ngicela uNkulunkulu ukuba angifake emgqeni wokuqala womkhuleko, ukuze uMfowethu Branham akhulume nami uqobo.

UNkulunkulu wawuphendula umkhuleko wami. Ngo-Oktoba 17, 1951, ngobusuku bokuqala bomkhankaso kaMfowethu Branham eKimberley, nganikezwa ikhadi nguBilly Branham linenombolo 3. Izinombolo 1-15 zabizwa ukuba zenze umugqa womkhuleko futhi, makadunyiswe uNkulunkulu, ngaba ngowesibili ukuba ngikhulekelwe. UMfowethu Branham wathi, "Sawubona kusihlwa, dadewethu, uyikholwa. Kade uphethwe yisifo senhliziyo. Uphiliswe etafuleni lesidlo ezinyangeni ezimbalwa ezedlule. Uzilile wakhuleka ekamelweni lakho lokulala, ucela uNkulunkulu ukuba akufake emgqeni wokuqala futhi yingakho ulapha emgqeni wokuqala wokukhulekelwa. Dadewethu, hamba, uNkulunkulu usekuphilise ngokuphelele manje."

Makadunyiswe uNkulunkulu, ngakuthola ukuphiliswa kwami ngokuphazima futhi lapho ngase-ke ngiba nesiqiniseko ukuthi uNkulunkulu ungiphilisile. Izindumiso nohaleluya bagcwala ihholo ledolobha ngenkathi uMfowethu Branham ememezela ukuthi sengiphilisiwe. Wonke umuntu owayengazi wayazi ukuthi ngangigula kanjani iminyaka eyishumi futhi manje bonke babedumisa uNkulunkulu kanye nami ngokuphiliswa kwami.

UMfowethu Branham wakusho ukuthi ngaphiliswa etafuleni lesidlo. Leli yiqiniso. Ngelinye iSonto ekuseni umfundisi weKimberley leFull Gospel Church of God nomyeni wami bangikhulekela. Ngangibucayi. Ngafisa ukuba nesidlo ngalokho kusa. Umfundisi azi ukuthi ngangibuthakathaka kakhulu wacabanga ukuthi akunakwenzeka. Ngancengisisa, nomfundisi wangithatha wangiyisa esontweni. Ngalokhu ukusa kwakungukubusiswa kwabaphathi be-ofisi. Wonke umkhandlu webandla namakhosikazi abo bacelwa ukuba beze ngaphambili. Emva kokubusiswa saba-nesidlo. Ngama ngakumyeni wami owayengiphakamisile. Ngangibuthakathaka kakhulu futhi ngiphefumula kanzima. Ibandla lalingibhekile lingazi ukuthi yini elandelayo eyayizokwenzeka. Isidlo senziwa futhi lapho ngithatha Isinkwa (umzimba kaJesu) uNkulunkulu wangiphilisa futhi ngaphuma esontweni ngingasasizwa-muntu nenhliziyo yami yase ingeyejwayelekile. Makadunyiswe uNkulunkulu.

Emva kokuba uMfowethu Branham esengikhulekelile ngacela udokotela ukuba angihlole futhi wathi: "Hamba ujabule futhi ungacabangi neze ukuthi sewake wahlushwa yisifo senhliziyo." UNkulunkulu ungiphe inhliziyo entsha,

futhi manje sengiyaphila ngiqinile, njalo ngiyahamba ngifakaze futhi ngitshele abantu ukuthi uNkulunkulu ungiphlise kanjani.

Awu, uyangibuza ukuthi kunamphumela muni ukuphiliswa kwami phezu kwempilo yami kamoya. Okokuqala, ngiyamdumisa uNkulunkulu ngokungiphilisa, kodwa amazwi uMfowethu Branham awaphumiselayo, "Uyikholwa," asho okukhulu kimi. Ngangihlala njalo ngiqonda ukuthi ngingaya ezulwini nginomzimba ogulayo kodwa hhayi nomphefumulo ogulayo. Lokhu yingakho lawomazwi asho konke kimi. Okwesibili, abantu bayashaqeka uma bengibuka, abanye baphinda bathi, "Uyisimangaliso." Umkhwenyana wami nami namanje singena enkonzweni ngokusebenza okugcwele ukulethela abanye leliVangeli elikhazimulayo lensindiso nokuphiliswa. Ngiyaphinda futhi, joyinani kanye nami futhi sithi "mayidunyiswe iNkosi." Asisho futhi, ayidunyiswe iNkosi.

V. O. N.

*  *  *

**Ukusindiswa kancane kancane eZinhlungwini ezisesiSwini.**

Ngangikade ngigguliswa yizinhlungu ngasohlangothini lwami lwangakwesokudla nasesisiswini sami. Emva kokuba uMfowethu Branham engikhulekele eKimberley kancane kancane ngelulama kwaze kwaba yimanje esengizizwa engathi ngiwumuntu omusha. Udokotela umangele ukungibona sengeluleme kangaka. Ngiyabonga, ngokuba kuNkulunkulu konke kungenzeka.

E. J.

*  *  *

**Usekhulule kile ngaNdlela-Zonke Ezifwaneni eziNhlobonhlobo**

Iminyaka engamashumi amabili-nantathu bengigula futhi ngihamba odokotela ngenxa yesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, umdlavuza, isifo senhliziyo ibhiphi nesilonda sokuhlinzwa esasingapholi. Ngo-Oktoba 21, eKimberley, uMfowethu Branham wakhuluma nami. Wathi nganginomdlavuza nezinye izifwana nokuthi nguNkulunkulu yedwa ongangisindisa ethuneni. Emva kokungikhulekela wathi sengingaya ekhaya ngoba ngase ngiphilisiwe.

Ukuphiliswa kwami kwafika kancane kancane kodwa phakathi kwamaviki amathathu bonke ubuhlungu base buphelile futhi ngase ngikhululekile ngandlela-zonke.

Umfundisi wami waseDashi Reformed wathokoza ukuzwa ngakho futhi emva kokuhlola udokotela wami wanginika isitatimende sisho ukuthi kwakungasekho-mdlavuza noma isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba emzimbeni wami. Akadunyiswe uNkulunkulu kwenze iNkosi yaba yiyo ngempela kimi.

W. J. B.

*Umlando kaW. J. B., Andalusia, omdala ngeminyaka engama 54.*

Wakhishwa inyongo futhi kamuva kwenziwa okunye ukuhlinza ngenxa yokunamathela. Umuthi wokugcoba umdlavuza wasetshenziselwa isigaxa engalweni yangakwesokudla iminyaka engaphezu kweshumi nanhlanu. Kanjalo futhi unomuthi wokugcoba ebeleni langakwesokunxele ngenxa yesigaxa esisebeleni. Wayehlushwa futhi ubuhlungu eqolo lakhe. Manje ekuhlolweni watholakala ekhuluphele kodwa futhi engowesifazane obukeka ephilile. Kungekho-kuphaphatheka noma ijondisi isifo esibangwa ukuchithekela kwenyongo egazini. Isibazi esikhulu engalweni yangakwesokudla nebele langakwesokunxele, zombili izibazi ziphilile. Kungekho-sigaxa ebeleni. Kungekho-kwanda kwezindlala ekhwapheni, entanyeni, kumbe noma yikuphi. Izibazi ezisesiswini ziphołile—isibindi singesejwayelekile—isifuba, amaphaphu, nenhliziyo kungokwejwayelekile. Uzizwa ephilile futhi akanazimpawu zokugula.

Dr. R. N.

* * *

## Ukuvuvuka eBusweni SekuPhelile

Ngingafakaza ukuthi uNkulunkulu usenawo amandla okuphilisa. Ngesikhathi sokuvakasha kukaMfu. uBranham eKimberley ngaphiliswa khona lapho zingama 21 kuOktoba, 1951. Ngakho lokho-kuhlwa lapho ngifika ekhaya, ngabuka esibukweni sami futhi ngabubona ubufakazi besimangaliso uNkulunkulu ayesenzile.

Izinyanga ezi 3 1/2 ngangikade ngiguliswa ukuvuvuka ngakwesokunxele lekhala lami, ngangokuthi imbobo yami yekhala ngakulolohlangothi yayivaleka okwangempela ngaso sonke isikhathi. Ngangesaba ukuthi yase imile umdlavuza. Ithemba lami kuphela lalingukufinyelela kumprofethi kaNkulunkulu, ukuze mina njengomntwana kaNkulunkulu ngiphiliswe. Akadunyiswe uNkulunkulu, ukuphiliswa kwami sekuphelele futhi kuhlala isikhathi eside.

B. P. M.

* * *

**Waphiliswa ekuHlushweni yiSisu**

Ngifisa ukudumisa iNkosi ngoba Ingiphilisile ekuhlushweni yisisu esesingihluphe impilo yami yonke. Cishe iminyaka engamashumi amabili bengigula futhi ngiphethwe yisibindi esibi. Sengichithe cishe impela yonke imali engiyitholayo ekuhambeni odokotela okunginike usizo lwesikhashana kuphela. Ngathola ukuphiliswa okusheshayo ekuhlushweni kwami yisisu, kodwa isibindi sami sasiya ngokubangcono kancane kancane saze sathi naso, futhi, manje saphelela. Namhlanje ngiyindoda ephilile futhi ngidumisa iNkosi ngoba Ingenze umuntu omusha.

N. W.

* * *

**Uguliswa ukuHlushwa yiSibindi**

Ngenkathi iQembu likaBranham liphethe imihlangano yokuPhilisa kukaNkulunkulu eKimberley, ngathola ukuphiliswa kwami ngokushesha. Iminyaka emibili ngangigulisiswa ukuhlushwa yisibindi. Manje sekungaphezu kwamaviki ayisithupha edlule selokhu kwavalwa imihlangano futhi lokhu okwangehlelayo kuqinise ukukholwa kwami futhi kwangisondeza eduze noNkulunkulu.

R. S.

* * *

**Wasindiswa kwiBronkhayithisi naseHluleni leGazi**

Ngifuna ukubonga uNkulunkulu ngokuphiliswa engakuthola eKimberley emva kokugula ngaphezu kweminyaka engama 20 ngiphethwe yibronkhayithisi isifo sokushisa kwemithanjana yomoya nehlule legazi. Ngangihlezi enkonzweni, ngibuzwa impela ubukhona bukaMoya oNgcwele. Akukho-Mfowethu Branham nanoma ubani omunye owakhuluma nami noma wangikhulekela, kodwa ngafinyelela ngokukholwa noNkulunkulu wangiphilisa. Sekwedlule inyanga manje kusukela kulesosikhathi futhi akukabikho-phawu lwenhlupheko.

B. A. J.

* * *

**Usehamba Futhi**

Iminyaka emine ngangingakwazi ukuhamba. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi angisukume futhi ngihambe futhi manje sengiphiliswe ngokuphelele.

Nginika uNkulunkulu konke ukubonga, udumo nenkazimulo.

J. J.

* * *

**Omunye Usehamba Futhi**

Esikhathini esithize esedlule ngashaywa yistrokhi esabulala lonke uhlangothi lwangakwesokunxele somzimba wami. Nomqondo wami nawo wawuhamba. Ngangiyisithothobala uqobo cishe izinyanga ezinhlanu.

Ngobunye ubusuku uMfowethu Branham wathi labo abakholwiwe bazophiliswa futhi watshela bonke labo ababenokukholelwa ekuphilisweni kwabo ukuba basukume bahambe. Ngasukuma ngahamba.

Nkk. N.

* * *

**Isimo seGazi Manje Sesingesejwayelekile**

Indodakazi yami yayisigule kusukela iseneminyaka eyisishiyagalombili ubudala. Kuqala yasuswa i-apendiksi ithumba elimila kupopopo kwase-ke kuba kubi kakhulu kuba kubi kakhulu kwaze kwathi udokotela waseKimberley wayithumela eGoli, lapho eyagcinwa khona eNorman Nursing Home amaviki ayishumi nantathu. Yayinezinhlobo ezintathu ezehlukene zemijovo njalo ngamahora amathathu, imini nobusuku, kodwa yayilokhu incipha incipha futhi ekugcineni nganquma ukuyiletha ekhaya ngebhanoyi ngoba yayingeke ikwazi ukulumela uhambo lwesitimela.

Ngase-ke nje ngethembela kuNkulunkulu. Kamuva (ngo 1950) uMarlene wayesekhishwa ubende nokuhamba kwegazi lakhe kwaguquka (ubende lwakhe lwalulude ngokuphindwe kashumi nesihlanu kunokwejwayelekile). Umongozima waqala. Emva kokuhlinzwa wayesalokhu ehlanza igazi. Waba nomlomo omubi athi udokotela kubangelwa yisimo segazi. Wayesenokuningi ukufakelwa kwegazi, futhi wayefanele abenephayinti legazi ngoNovemba, kodwa manje akusadingekile.

Sambhalela uMfowethu Branham engakezi eNingizimu Afrika noMfowethu Bosworth wamthumelela iduku lesandla eligcotshiwe alifakayo manje. Besiza njalo ebusuku futhi ngempela singambonga uNkulunkulu usephiliswe ngokuphelele futhi ngineqiniso uNkulunkulu usefake ngisho ubende olusha kuye.

M. W.

* * *

**Ithumba Eliwumqhansalala**

UMfowethu Branham wangikhulekela ngoLwesithathu ebusuku futhi wangitshela ukuthi nganginethumba eliwumqhansalala esizalweni nokuthi, phakathi namahora angama 72 kusukela ngaleyonkathi ngizothola ukuphiliswa kwami.

NgoMgqibelo ebusuku lapho ngihlezi ezethamelini futhi uMfowethu Branham, umprofethi, wayekhonzisa abagulayo, cishe emahoreni angama 72 emva kokungikhulekela kwakhe, iNkosi yangikhombisa umbono wesiphambano entatshaneni. Okwangimangaza njengokuyisimangaliso esikhulu kwakungukuthi kwakusebumnyameni konke mayelana nesiphambano. Ngokushesha ngasesiphambanweni, sengathi kwakusemoyeni, kwaqhamuka into ethize engingayichaza kuphela njengesigaxa esingumqhansalala. Ngiyayidumisa iNkosi ngokungiphilisa.

N. M. C.

* * *

**Ithumba**

Singakabizelwa emgqeni womkhuleko ngase ngizwile vele ukuthi kukhona okwase kwenzekile. Kuphela ngingafakaza ukuthi ngiyazi ukuthi sengiphilisiwe nokuthi iNkosi isiwenzile umsebenzi. Ngangiphethwe yithumba ezithweni zami zesifazane unyaka nezinyanga ezine.

H. Van E.

* * *

**Inhliziyo Enofehlane imiNyaka Engamashumi amabili**

Ngangineminyaka emithathu ubudala ngenkathi ngithola imfiva yofehlane futhi lokhu kwabangela inhliziyo enofehlane oselungiphathe iminyaka engamashumi amabili. Ngafika kuMfowethu Branham futhi wangikhulekela futhi ngaphiliswa. Abangane bami nezihlobo bajabule kakhulu ukubona ukuthi sengiphilisiwe.

Ulimi lwami lufishane kakhulu ukubonga nokudumisa iNkosi ngokungiphilisa.

J. L. O.

* * *

**Isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba Asisekho**

Ngangiguliswa yizinhlungu ezinzima emzimbeni wami. Kusukela ngoJuni, ngenkathi ngishaywa ngukuhlaselwa

yinhliziyo, udokotela wangitshela ukuba ngithule impela. Njalo nje ngesikhathi salezizinkonzo ngizwile ukuthi uNkulunkulu ubezongiphilisa. Izolo ebusuku ngithole ukuphiliswa khona lapho ngenkathi ngiphuma ehholo. Ngangingakwazi ukunyakazisa ingalo yami yangakwesokunxele kwaze kwaba yizolo ebusuku. Nganginesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba ezandleni zami zombili, kodwa sengiyakwazi ukuzinyakazisa manje. Ngibonga uNkulunkulu ngalokho Angenzele khona futhi ngethembisa ukuma ngeqiniso Aze angiyise ekhaya eZweni eliNgcono.

W. M.

* * *

**Ubuhlungu eBeleni naseNgalweni Abusekho**

Ngangigula iminyaka emibili ebeleni lami langakwesokudla kanti futhi ngangninobuhlungu obukhulu engalweni yami yakwesokudla. Odokotela bangihlinza eminyakeni emithathu eyedlula kungekho-mpumelelo. Ngaya kuDokotela uK. wasePetersburg futhi wangitshela ukuthi uma kuqhubeka kanjalo, kuzoba umdlavuza masinyane impela. Nganquma ukwethemba iNkosi.



Umkhankaso wokuphulukisa kaMfowethu Branham waqala zingama 24 kuOktoba, 1951, eBloemfontein futhi ngobusuku bokuqala ngathola ikhadi kuBilly, indodana kaMfowethu Branham. Ngabizelwa phezulu emsamo ukuba ngikhulekelwe. Lapho ngimi phambi kukaMfowethu Branham, wangibuka wayesethi, “Ungumntwana kaNkulunkulu. Bakuhlinzile.” Ngaphendula, “Yebo,” futhi wayesethi-ke, “Kukhona into ephumayo ebeleni lakho manje, futhi iNkosi isikuphilisile. Hamb’ekhaya.” Akangithintanga noma angikhulekele, kodwa nje wakhuluma nami. Kusukela ngalo lelohora ngaphiliswa.

Ngenkathi ngimi eduze kukaMfowethu Branham, ukuzwa okungcwele kwehlela kimi futhi ngezwa ukuthuthumela okubandayo. UMfowethu Branham uyinceku kaNkulunkulu ngempela, indoda engenza ngicabange ngoJesu.

Ngizizwa nginjengomuntu omusha. Impilo yami yokomoya yakhekile. Ngithandaza kakhulu futhi ngizwa kuthi angifakazele iNkosi yami noma ngiya kuphi. Isitsha sami sichichima injabulo. Ngizizwa kuthi angiphilele uJesu wami

ngokuphelele ngoba Ungenzele okukhulu kakhulu. Angisenabo ubuhlungu ebeleni noma engalweni yami yesokudla. Ngidumisa igama laKhe ngakho.

S. S.

* * *

**Uhlushwa yisiBhono**

Sikanye kanye nomHubi eHubweni 103, singamemeza "Mbonge oyiNkosi, O mphefumulo wami konke okuphakathi kwami, makubonge iGama laKhe elingcwele."

Inhliziyo yami igcwele ukuchichima ngokubonga eNkosini ngalokho Engenzele khona. Yayazi ngayo yonke inkathazo yami, nokuthi ngigule kanjani nginesibhono iminyaka engama 27. Ngedlula ebuhlungwini obukhulu, kodwa ngaqhubeka ngethemba uNkulunkulu ukuba ngiphiliswe. Ngangifundile ephepheni "UMduduzi" ukuthi imihlangano eBloemfontein yayizoqala zingama 24 kuOktoba futhi nganquma ukuthi ngiye khona.



Lapho sengenza lokho engangikutshelwe nguMfowethu Branham ngezwa sengathi isisindo esikhulu sasesisusiwe kimi. Ngakuqaphelisisa ikakhulu lapho ngihamba; isisu sami sezwakala silula kabi.

Ngangingakaze neze ngikwazi ukulala noma ngayiphi enye indlela isandla sami sokunxele singazange sesekela isibhono. Manje lokhu akusadingekile. Imithwalo yami neminako manje konke sekuginqikile. Kuphela ngingathi, "Uthando lukaJesu luyamangalisa, luyamangalisa," futhi nginika uNkulunkulu yonke inkazimulo.

J. M. H.
Isayinwe kanye noMfundisi: J. J. G.

* * *

**Ukuhlushwa yiZinso neNhliziyo**

Ngifuna ukufakazela umngane wami oneminyaka eyishumi nambili ubudala. Lomntwana wayegula iminyaka eyisikhombisa. Wayenemfiva yofehlane esememinyaka emihlanu futhi wayephuma engena embhedeni ehlushwa yinhliziyo, nezinye izinto. Safika nokukholwa okuphakeme kulemihlangano, sikholwa ukuthi uMfowethu Branham

wayezokwazi ukukhuleka nokuthi uJesu wayezomphilisa ngokuphelele. Wathola ikhadi lokukhulekelwa kodwa akabizelwanga emgqeni womkhuleko, futhi wadumala, ngiyazi. Kodwa wamcaphuna laphaya ezethamelini. Lapho ekhuluma ngokuhlushwa kwakhe yizinso, ngacabanga, O! akazukukukhulekela ukuhlushwa kwakhe yinhliziyo. Kodwa wakwenza. Wakubona, futhi. UJesu wabonisa futhi ukuthi wayenesimo senhliziyo, futhi usephilisiwe kukho kokubili. Haleluya! Ayidunyiswe iNkosi.

S. R.

* * *

**Uhlushwa yiSisu nesiBhono**

Ngifisa nje ukufakaza ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla naphakade, esazenza izibonakaliso nezimangaliso. Ungongaguqukiyo.

Sengigule iminyaka emine ngenxa yesisu sami. Sengichithe obuningi ubusuku ngingalali. Udokotela wangibhalela ukuba ngithole imithi eyizimpushana kodwa yayinosizo oluncane. Ngenkathi uMfowethu Branham eseBloemfontein, sanquma ukuba siye khona futhi sikhulekelwe. Esakhulekela bonke abagulayo iNkosi yangithinta futhi yangiphilisa. Umkami naye waphiliswa ngakho lokho-kuhlwa esibhonweni. Akadunyiswe uNkulunkulu ngomusa waKhe.

H. C. H.

Isayinwe kanye noMfundisi J. J. G.

* * *

**Uhlushwa yiNhliziyo**

Sengiguliswe ukuhlushwa yisisu iminyaka eminingi. Ngangingakwazi ukuthi nginyakaze nakancane nje ngingakuzwanga ukuthinteka kwakho, kodwa makadunyiswe uNkulunkulu, sengiphilisiwe! Ngisethamele imihlangano eEast London, ngoNovemba 18, ngakwemukela ukuphiliswa kwami eNkosini. Phansi kwenkonzo kaMfowethu Branham iNkosi yangithinta futhi yangiphilisa ngokuphelele. Ngemihlangano eyalandela ukuphiliswa kwami, ngasiza ekuthwaleni iziguli ezigulayo phansi phezulu nezitebhiso ngingezwa lutho. Lena yinto engangingeke ngikwazi ukuyenza ngaphandle kokuba ngiphiliswe nguNkulunkulu.

J. H. P.

* * *

## Wayephethwe ukuMinyana

Lona ngumzuzu oyisimangaliso esikhulu empilweni yami. NgoLwesithathu ekuseni ngangingeke ngikwazi ukuhamba ibanga elikahle nje elingangenkundla yebhola ngingabanga nephika, ukuphefumula okufishane nobuhlungu obubi engalweni yami, noma ubani okwaziyo oseke waphathwa ukuminyana. Lapho ongeke khona wakwazi ukuhamba futhi nangaphandle kwalokho ungeke uze ugobe ukuba wenze umsebenzi wasengadini, futhi ungeke ulokothe uphakamise ikani lokunisela, noma ukhe izimbali ezimbalwa, khona-ke konke akuhambi kahle. Futhi ngakho ngoLwesithathu ngeza emhlanganweni ngakho konke ukukholwa ukuthi ngandlela thize ngangizothola ngakho uNkulunkulu esibusisweni saKhe esigcwele.

UMfowethu Branham wavula inkulumo yakhe, futhi wakhuluma ngesivinini esikhulu sokukholwa. Lokhu ukuphakanyiswa okuyisimangaliso kwagobhoza emzimbeni wami wonke futhi kwagijima ngezandla zami njengogesi. Ngazi-ke ukuthi ngase ngiphulukisiwe, noma ngingabanganaso isibindi sokukusho. Ngacabanga ukuthi ngizolindela ikusasa, kodwa ngazi ngingakafiki ekhaya ukuthi umzimba wami wase ungcono ngoba ukuhamba ngiye emotweni yami kwakulula kabi. Ngakusasa ekuseni ngaya eEastern Bishi nomkami ngabuye ngabuya futhi ngibhekene nomoya onamandla. Ngalungisa ingadi futhi ngahlakula, futhi namhlanje ngihambe ngayeka ukugongobala ngoba angikaze ngibe nokuhamba okuhle kanje empilweni yami. Ayidunyiswe iNkosi.

S. C. H.

* * *

## Umuntu omusha uPhiliswa eKhandeni eliQaqambayo

Emva kokugula nokuhamba udokotela iminyaka emihlanu, ngathola ukuphiliswa kwami eBloemfontein zingama 24 kuOktoba. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi ngangiphethwe yikhanda eliqaqamba kabi, okwakuyiqiniso, kodwa ngaphiliswa ngokuphazima emva kokuba esengitshele ukuthi uJesu usengiphilisile nokuthi manje ngase ngingajabula ekuphilisweni okwakungokwami. Ngineminyaka eyishumi nane ubudala futhi ngenxa yalokho uJesu Kristu angenzele khona nginikele impilo yami kuYe.

A. S.

* * *

### IPholiyo noMdlavuza

Ngangiphethwe yipholiyo sekungaphezu kweminyaka engamashumi amabili-nesikhombisa. Kamuva ngase nginomdlavuza ongaphakathi, kodwa ngaphiliswa khona lapho emva komkhuleko wokuqoqana ndawonye zingama 24 kuOkt. eBloemfontein.

Udokotela wami uthi kuyisimangaliso sangempela futhi ujabula kakhulu ukuthi sengiphilisiwe. Ukuphiliswa kwami kulethe umkhwenyana wami nabantwana eNkosini. Alidunyiswe iGama laKhe elingcwele.

G. E. D.

* * *

### AmaLunga amaThathu oMndeni Owodwa Athola ukuPhiliswa ngoKuhlwa okuFanayo

Kimina kuyinhlanhla enkulu ukuba ngikwazi ukufakaza ngesibusiso ngokuphiliswa engikuthole ngesikhathi somkhankaso kaBranham eBloemfontein. Ngathola ukuphiliswa kwami zingama 27 kuOktoba eBloemfontein futhi ngeke ngayibonga iNkosi ngokwenele ngokusinda kwami. Ngoba iminyaka emihlanu ngangiphathwa imfiva yofehlane njalo ngonyaka futhi ngonyaka wesithupha, ngenkathi sengineshumi, imizwa yami yayeka ukusebenza. Izinyanga eziyisithupha ngangisesiBhedlela esikhulu eBethlehem. Ngenkathi ngineminyaka eyishumi nambili idolo lami langakwesokunxele laqala ukuvuvukala. Iminyaka yokuqala emibili noma emithathu kwakungekubi kangako kodwa kamuva isimo saba-sibi kakhulu. Ezikhathini zamanje nje, emva kokulinga ukuhamba imayela, umlenze wami wawuba buhlungu kakhulu ngangokuthi izinsuku ezinhlanu noma eziyisithupha ngangingakwazi ukuhamba.

Ngabonana nodokotela ebehlukene abayishumi nambili. Sasesihambe saze sayobonana ngisho nanezangoma kodwa akekho noyedwa owayengangenzela noma yini ukuba ingisize.

Odokotela nodokotela abayizipesheli zaseBloemfontein zatshela abazali bami ukuthi akukho ababengakwenza noma benze ukuxilonga okuyikho.

UDokotela Visser waseBloemfontein wathi ngangihlushwa yidolo nokuthi lalizobuyela esimweni salo cishe eminyakeni engama 24 noma 25 ubudala. Kwabayiviki nje ngaphambi kwalokho uDr. Scheepers waseJobeg. wahlola uqwanga olwaludabukile olwalungalungiseka ngokuhlinzwa.

Ngoba sasingabantu abakhe eO.F.S. ukuhlinza kwadingeka kwenziwe eBloemfontein. Ngeviki elilandelayo odokotela abayizipesheli eBloemfontein bala ukuhlinza futhi ngidangele ngidumele ngabuyela ekhaya ngabo lobobusuku.

Isimo sami saba-sibi kakhulu nedolo lami lalingavuvukele nje kuphela kodwa manje wonke umlenze wami neqakala nonyawo futhi. Nganikwa umjovo owehlukile njengoba udokotela wayecabanga ukuthi nginamanzi amaningi emzimbeni. Ngobusuku besibili angizange ngilale. Ngosuku olulandelayo sabonana nomunye udokotela. UDr. Kellerman noDokotela uJordaan bangihlola kahle kakhulu futhi babekholwa ukuthi imisipha phezu kwevi yase ibuthathaka kakhulu ukugcina ivi liphakeme ngokwenele endaweni, ngakho libangela amanzi ukuba aqoqane.

UDr. Kellerman wangiyala ukuba ngihlale embhedeni iviki futhi ngilejwayeze ukuthi lisebenze idolo. NgoLwesine lweviki elilandelayo isandla sami sokudla nengalo nakho futhi kwaqala ukuvuvukala. Ngalala izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu nodokotela wayesaba ukuthi ngingahle ngithole “isifo sokulala.” Ngenkathi sizwa ngendoda eyayithunywe nguNkulunkulu ukuphilisa abagulayo ngomkhuleko, abazali bami masinya banquma ukuthi bazongiyisa kuyo ukuba ngiphulukiswe.

Kwakuyisimangaliso ukubona izishosha zisukuma emibhedeni yazo nasezinhlakeni nokubona ama-ambulense esuka emihlanganweni engasenalutho.

Ababili bodadewabo bakababa wami nami sathola ukuphiliswa kwethu ngoLwesine kusihlwa. Kusukela ngalelolanga angisenabo ubuhlungu emlenzeni wami nasesandleni futhi ngikwazile ukwenza umsebenzi wokuhlobisa izindwangu ngalesosandla futhi ngihambe nje ngiye noma yikuphi lapho engifuna khona ngaphandle kokuphazanyiswa noma yikuphi ukugula.

Ngangiyilunga leBandla laseDashi Reformed laseBethlehem. Mina, kanjalo nabazali bami nomndeni wonke, siyabonga eNkosini ngokuphiliswa Engiphe khona, emva kokugula cishe iminyaka eyishumi nambili.

J. D.

* * *

**Isifwana seZinso neSifo seNhliziyo iBhiphi**

Selokhu kwasukela ngineminyaka emibili ubudala, bengiphathwa yisifwana sezinso. Eminyakeni embalwa edlule izandla zami nezinyawo bezivuvukele futhi bengiphathwa yisifo senhliziyo ibhiphi. Ngezikhathi zemihlangano eBloemfontein, uMfowethu Branham wangikhomba futhi

wangitshela ukuthi bengiguliswa yisifwana sezinso. Wangibuza ukuthi lokhu kuyiqiniso na, futhi ngavuma ngekhanda lami. Wase-ke engibuza ukuthi ngiyakholwa yini nguNkulunkulu futhi uma ngikholwa uNkulunkulu uzongiphilisa, lapho futhi engaphendula khona ngokuvuma. Waphendula ngokungitshela ukuthi uNkulunkulu wayesevele engiphilisile. Ngokusa okulandelayo konke ukuvuvuka kwakungasekho, umfutho wegazi wase uhamba ngokwejwayelekile, futhi izinso zami azikanginikezi-nkathazo selokhu kwaba mhla zingama 24 kuOktoba, ngenkathi uMfowethu Branham ekhuluma nami. Ngifuna ukubonga uNkulunkulu ngalesisehlakalo esenzeka ngoba singisondeze kuJesu nabazali bami nami sizizwa sijabule kakhulu ngakho.



A. P.

* * *

**Ipholiyo, Iaphendisayitisi, nokuHlushwa yiSisu**

Ngangigula selokhu ngazalwa. Ngineminyaka eyishumi nantathu ubudala. Ngangiguliswa yipholiyo. Ngangingadli-lutho kungenjalo ngangiqala ukuhlanza. Ngangivuvukele phansi kwebele, futhi nginezinhlungu esiswini sami ezazenzeka emva kokudla. Ngangiya kulodokotela naloya kodwa kungekho-mpumelelo. Ngangisebenzisa noma yiyiphi inhlobo yomuthi kodwa akukho okwasizayo. Ngonde kakhulu futhi ngimncane kuneminyaka yami futhi ngibukeka nginjengomntwana oneminyaka eyisishiyagalombili. Zingama 26 kuOktoba ngabizelwa emsamo ukuba ngikhulekelwe. Ngama ngaphambi kukaMfowethu Branham. Wathi, "S'thandwa senhliziyo, uyakholwa?" Ngathi, "Yebo." Wathi, Wathi, "Uphethwe yi aphendisayitisi isifo esibangwa ukuvuvukala kwethunjana elilengayo esiswini nokuhlushwa yisisu yisisu okunzima." Wabeka izandla phezu kwami wase engikhulekela. Ngazizwa sengathi ngangisuka emhlabathini nokuvevezela kwahamba emzimbeni wami. Ngazi kusukela kuleso sikhashana ukuthi ngase ngiphilisiwe. Manje sengiyakwazi ukudla, ukugxuma, ukugijima nokwenza konke engangingakwazi ukukwenza ngaphambilini. INkosi ethandekayo ingenzele okukhulu kakhulu.

V. S.

* * *

**Bobabili uMyeni neNkosikazi Basinda**

Akadunyiswe uNkulunkulu, sobabili umyeni wami nami sathola ukuphiliswa kwethu ngokuhlwa okufanayo. UMfowethu Branham waphendukela kimi wayesethi, "Wena osohlakeni lokugcina ungowesifazane ofayo futhi ngaphandle uma usukuma uphume embhedeni wakho awusoze wasinda. Yisibindi sakho, akusiso na? Usuphilisiwe." Ngasukuma khona lapho futhi kusukela lapho angikaze ngibuke emuva. Ayidunyiswe iNkosi. Ngase ngisembhedeni izinyanga ezinhlanu nginesibindi esinethumba elinobovu kodwa kusukela ngalokho-kuhlwa bengiphile saka.

G. K.

* * *

**Uhlushwa isifo saMankanka**

Ngathola ukuphiliswa kwami eKapa. Ngangigulisswa ukuhlushwa yithumba elide elincane kodwa phakathi kweviki emva kokuba sengikhulekelwe ngoba kwakungasekho-mkhondo wakho. Akadunyiswe uNkulunkulu sengisindile.

R. J. K.

* * *

**Akezwa eNdlebeni eYodwa Selokhu Azalwa**

Ngathola ukuphiliswa kwami ziyi 4 kuNovemba eKapa. Ngangikade ngingezwa endlebeni yami yesokunxele selokhu ngazalwa kodwa indlebe yami yesokudla yayizwa. UMfowethu Bosworth wangikhulekela futhi ngakuthola ukuzwa kwami kuleyondlebe yesokunxele khona lapho. Makabongwe uNkulunkulu. Yimina owakho,

G. A.

* * *

**Isifuba somoya neBronkhayitisi Akusekho**

Selokhu kwasukela cishe nginenyanga ubudala ngangikade ngiguliswa ukuhlaselwa yisifuba somoya nebronkhayitisi isishiso semithanjana yomoya, futhi cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule ngangisembhedeni nginenyumoniya. Emva kokuba sengivunyelwe ngudokotela ukuba ngisukume ngangisele nobuhlungu obubi kabi emaphashini ami.

Kwaziqondanela nje ukuba ngethamele umhlangano wakho wesibili, usuku enyangeni kaNovemba 11, 1951.

Ngacelwa uNkk. Van Dar Westhuizen ukuthi ngingesithole yini isikhathi sokumthatha emva kokuphela kwalomhlangano cishe ngele 10 ebusuku ngalokho kuhlwa. Lokhu ngakwenza, ngifika eWingfield cishe ngele 9:40 ebusuku ngafika ngesikhathi nje ukuzwa ukuvalwa komhlangano. Kwabonakala sengathi kwedlulisela okuthize kimi, kuyini, angazanga ngempela, futhi nganquma ukwethamela umhlangano ngokugcwele ngobusuku obulandelayo.

Ngangihehwe yinkonzo ngoba ukukholwa kwami kuJesu kwakukade kukhula kuwo wonke impela umhlangano. Ngaphambi ngisho kokuba ngisuke endaweni, ngezwa ukuthi ubuhlungu esifubeni sami base buqale ukudamba futhi phakathi kwezinsuku ezimbili noma ezintathu ubuhlungu base busukile, bonke ngaphandle kokugwaza okungatheni okwenzeka izikhawu. Kusukela lapho sengizisusile izingubo ezingasafuneki ebesengizigqoka, ngizibona ukuthi azisenasidingo. Angikaze ngikuthole kunesidingo ukugqoka lezizimpahla kusukela lapho futhi angikaze ngibe nanoma yiziphi izimpawu zobunzima ekuphefumuleni.

L. W. H.

* * *

**Ukuvuza kweNhliziyo nokuphathwa yiKhanda eliQaqambayo**

Ngaphiliswa eKapa ngo-Oktoba 31, 1951. Kusukela ngisengumntwana njalo ngangidingeka ukuba ngithathe imithi eqinisa umzimba njengoba ngangibuthakathaka kakhulu. Ngenkathi ngineshumi nesithupha abazali bami bangiyisa kudokotela futhi wamemezela ukuthi nganginenhliziyo evuzayo. Njalo ngangizwa ukukhathala. Ngase ngiba nemfiva yofehlane ngenkathi ngineshumi nesikhombisa, futhi lokhu kwaphazamisa inhliziyo yami futhi. Lapho ngikhula, inhliziyo yami yayilokhu iba buthakathaka. Emavikini embalwa uMfowethu Branham engakafiki, ngazizwa ukuthi ngangilokhu ngehla kancane kancane. Kuphela ngakhulekela ukuba ngiphile kuze kufike uMfowethu Branham, njengoba ngangiqinisekile ukuthi uJesu wayezongiphilisa.

Ubusuku bokuqala bemihlangano kaMfowethu Branham, emva kokuba esekhulekele abagulayo emsamo, wasitshela sonke ukuba sikholwe, futhi ngaphiliswa ngokuphazima. Ngazizwa nginjengomuntu omusha ngaso lesosikhashana.

Futhi, ngangiphethwe yikhanda elinemithambo eqaqambayo. Ngangingakwazi neze ukuba sezixukwini. Emva kwemihlangano emikhulu ikhanda lami lalivamise ukuba sesimweni esinjalo ngangokuthi ngangingakwazi ukuvula amehlo ami. NgoLwesihlanu ebusuku (Nov. 2), ngokushesha

kwangishaya emhlanganweni ukuthi iNkosi yase ingiphilisile nakulokho futhi. Angikaze ngiphathwe yikhanda kusukela ngalolo Lwesithathu ebusuku.

Ngidumisa futhi ngibonga uJesu ngokungiphilisa ngenkonzo kaMfowethu Branham. Kuzobe sekungamaviki amathathu kusasa. Akuvumi ngiyeke ukutshela noma ubani ngamandla aphilisayo akhona egazini likaJesu. Alidunyiswe iGama laKhe.

E. S.

* * *

**Usephilisiwe Esifubeni somoya semiThanjana yomoya**

O, haleluya! Udumo kuNkulunkulu ngokuba kukhona ukukhanya kwelanga emphefumulweni wami namhlanje. UJesu uze wazohlala empilweni yami, eguqula ubumnyama bube yimini, nokudabuka kube yinjabulo. O, uJesu osebenza izimanga kanje pho.

Iminyaka eyishumi nanhlanu ngangiphethwe yisifuba somoya semithanjana yomoya. Ngenkathi uMfowethu Branham neqembu benomkhankaso wokuphilisa eWingfield, eKapa, eNingizimu Afrika, ngacela iNkosi ukuba ingangedluli ingawuphilisanga umzimba wami. Njalo ekuseni ngangisuka endlini yami ngaphambi kweleshumi nqo ukuba ngiqiniseke ukuthi ngiyasithola isihlalo senkonzo yakusihlwa. NgoNovemba 1, 1951, uBilly esanikezela amakhadi okukhulekelwa wedlula esihlalweni sami enganginikanga. Wase eyabuya-ke uBilly Paul eza esihlalweni sami futhi wase enginikeza ikhadi lokukhulekelwa. Enhliziyweni yami nginikeza ukubonga eNkosini yami ethandekayo njengoba ngangazi ukuthi iNkosi yase iwuphendulile umkhuleko wami futhi yayizongiphilisa. Lapho umugqa womkhuleko usubizelwa enhla ngalokho kuhlwa, uMfowethu Branham wathi, "Labo kuphela abanezinombolo zamakhadi uF50 kuya kuF60 abafanele beze emsamo." Ngabheka ngemuva ekhadini lami. Lalingu F54. O, ngayibonga kanjani iNkosi yami ethandekayo ngokuphendula umkhuleko. Ngisami ngaphansi komsamo, umzimba wami waqala ukuqhaqhazela.

Kwabanzima ukuba ngikwazi ukubhala igama lami nekheli ngemuva kwekhadi. Ngenkathi ngikhuphuka ngiya kuMfowethu Branham wangibuka wayesethi, "Dadewethu, usuphilisiwe esifubeni sakho somoya; uphiliswe ngenkathi usami ngaphansi komsamo." O, ngiyidumisa kanjani iNkosi yami ngokungiphulukisa.

M. H.

*Izitatimende zikadokotela*

24/10/45

Lokhu kungukufakaza ukuthi uNkk. M. H. uphethwe yisifuba somoya semithanjana yomoya.

Osayinile uDr. R.
8/11/51

Lokhu kungukufakazisa ukuthi ngimhlolile uNkk. M. H. futhi angitholi bufakazi basekliniki besifuba somoya okwamanje.

Osayinile uDr. I. J. W.

* * *

**Inhliziyo Iphinda Ibanamandla**

Ziyi 4 kuNovemba, 1951, edolobheni lasePort Elizabeth ngathola ukuphiliswa kwami enhliziyweni eyayibuthakathaka. UMfowethu Branham wangikhomba futhi wangitshela ukuthi ngase ngiphilisiwe nokuthi ngase ngingaya ekhaya. Ngathola isiqiniseko salokhu ezinsukwini ezimbalwa kamuva lapho ngiqaphela ukwelulama okuphawulekayo esimweni senhliziyo yami. Akadunyiswe uNkulunkulu.

M. M.

* * *

**Isimo Esibi kakhulu seMizwa**

Ngifisa ukudumisa iNkosi ngokuphiliswa engakuthola ePort Elizabeth. Kusukela ekuzalweni kwengane yami yokugcina, okwakuyiminyaka eyisithupha eyedlula, ngangikade ngigula ngiphethwe yisimo semizwa futhi lokho kuthikameze inhliziyo yami. Futhi ngenyanga edlule ngangiphethwe yizinyawo kanzima, zibuhlungu okwangenza ukuba ngihambe kancane impela. Sengibonane nodokotela abaningana kodwa akekho noyedwa ngempela okwaze ukungisiza. Ngentambama engathola ngayo ukuphiliswa kwami, bonke ubuhlungu basuka ezinyaweni zami. Manje sengiyakwazi ukudla noma yini, ebengingeke neze ngikwenze esimweni sami sangaphambilini sesimo semizwa. Sengikhuphuke ngamaphawondi ayishumi nanhlanu esikhathini samaviki amathathu kusukela iqembu likaBranham lalikade lilapha ePort Elizabeth. Ngibonga uNkulunkulu ngalokho Angenzele khona futhi ngizojabula kakhulu uma uzothandaza ukuba uNkulunkulu angenze ngibe ukukhanya okukhanyayo njengoba ngazi ukuthi ngifanele, kodwa ngibuthakathaka kakhulu ukuba ngizenzele lokho ngesingami. Izifiso ezinhle kuwe.

D. M. P.

* * *

### Kudwalwe uNgqengqe lwendlebe oLusha

Ngithanda ukufakaza ukuthi iNkosi ingiphilise ngokuphelele. Ngo 1932 nganginokuhlinzwa kwesiqhomo impela kodwa, akadunyiswe uNkulunkulu, ngenkathi uMfowethu Bosworth engikhulekela, iNkosi yangipha indlebe entsha ephelele futhi manje sengiyakwazi ukuzwa ngokupheleleyo. Ayidunyiswe iNkosi!

C. A. D.

* * *

### Usekhululekile kuMdlavuza naseSifweni sabesiMame

Lapha ngifisa ukufakaza ukuthi uNkulunkulu wangiphilisa ngesikhathi sokuvakashela kukaMfowethu Branham ePort Elizabeth, ngoLwesithathu, ziyi 7 kuNovemba, 1951.

Ngangikade ngigula ezithweni zami zabesifazane iminyaka eyisishiyagalolunye. Ngangishintsha odokotela, kodwa akutholakalanga-sizo. Ekuqaleni konyaka kwaqala isimilela entanyeni yami. Udokotela wangeluleka ukuba ngikususe lokhu, kodwa lokhu kuphela kwabangela ukuba isimo sibe sibi kakhulu. Ezinyangeni ezintathu emva kokuba sekususiwe, nganquma ukuyobonana nodokotela oysipesheli somdlavuza, ngoba ukubabuhlungu nokuvutha kwakwesabeka. Ukuxilonga kukadokotela kwaba ngukuthi nganginomdlavuza. Wawususa umdlavuza, ngaleyonkathi owase ubanzi kunofifti sente, kodwa izindlala zase zivele zithintekile.

Kwakukhona isigaxa ngakwesokudla sentamo yami, futhi ubuhlungu nokuvutha kwakukubi kabi. Njalo ngangizizwa ngikhathele, futhi nginekhanda elingapheli. Ngagula izinyanga ezine, futhi izindaba zaziya ziba zimbi kakhulu kakhulu. NgoOktoba ngabonana nodokotela oyisipesheli, futhi seluleka ukuba ngelashwe ngama-eksireyi. Ngangifanele ngiye esibhedlela zingama 24 kuOktoba, kodwa nganquma ukwethemba uNkulunkulu ngokuphiliswa kwami. Ngakhuleka futhi ngakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosizwa isicelo sami.

Ziyi 7 kuNovemba, kungumhlangano wokuqala waleyo eyayizobanjelwa ePort Elizabeth ukuba iqale. Ngangisebuhlungwini obesabekayo, kodwa ngaya emhlanganweni ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wayezongiphilisa. Anginikwanga ngisho nekhadi, kodwa lelophimbo elikhulumela phansi lathi, “Akusikho ngempela ukuthi unekhadi ukuthi uzophiliswa.” Kwase kuthi khona lapho ngabona isithombe seNkosi uJesu ilenga

esiphambanweni, futhi ngaqonda ukuthi kwakungesikhona nje okwezono zethu kuphela, kodwa futhi okwezifo zethu Azifelayo.

Ngenkathi uMfowethu Branham esasikhulekela sonke kanye kanye masinya wathi, "Kukhona umama lapha ngaphambi kwami," futhi ngakhuleka ngokuqinisela, "Nkosi, makube yimi lowo." UMfowethu Branham waqhubeka, "Ngumama ophethwe umdlavuza nasezithweni zakhe zabesifazane, mphilise, Nkosi."

Lapho ethi "umdlavuza" kwaba sengathi umese wawuphiselwa kulesosigaxa esilukhuni, futhi ngakhulekela ukuthi kuhlinze uNkulunkulu uqobo lwaKhe. Ngokuphazima ubuhlungu banyamalala, nobulukhuni ohlangothini lwami base bungasekho.

Sengiya ekhaya ngalobobusuku ngaqala ukuhlanza izinto ezilukhuni, futhi masinya ngazizwa sengiphile kahle. Ngalokho kusa umyeni wami nezihlobo bamangala ukungibona ukuthi ngangibukeka ngiphila kanjani. Ngibonga uNkulunkulu futhi ngiMnika lonke udumo. Ngifakaza kuwo wonke umuntu engihlangana naye. Abanye bajabule kanye nami, kodwa abanye abazukungikholwa. Ngiyambonga kakhulu uNkulunkulu ngesimangaliso Asenzileyo.

H. K.

*   *   *

**Indlebe Eyodwa Ivaleke-Thaqa iMinyaka engamashumi Amane-nanhlanu**

Ngalahlekelwa ungqengqe lwendlebe kweyodwa yezindlebe zami ngenxa yokuqhuma okwenzeka ngisengumfana oneminyaka eyishumi. Lokho kwaba seminyakeni engamashumi amane-nanhlanu edlule futhi lendlebe ibivaleke-thaqa.

Lapho eMfowethu Bosworth eyikhulekela, ukuzwa kwami kwabuyiselwa ngokupheleleyo. Ayidunyiswe iNkosi!

D. J. D.

*   *   *

**Amehlo ayiziNxemu Aseqondile**

Into eyisimangaliso yenzeke phakathi kwekhaya lethu. Intombazanyana yethu yomdabu eneminyaka eyishumi-nambili ubudala ebisebenza kithi ezinyangeni ezimbalwa ezedlule ibiyinxemu ngokwesabekayo. Ibiyinxemu kakhulu ngangokuthi bekulukhuni kumuntu ukuthi abonisise ukuthi

ibinawo amehlo. Amehlo ayo abebonakala ebuka phansi ekhaleni layo futhi asithele ingxenye emakhoneni. Abantu babeyibuka uma ikhona endlini futhi uma isihambile bathi, "Bantu anizizwa yini nineshwa elibi kabi ukuba nibe nentombazane enje enisebenzelayo? Ngizizwa ngiphatheka kabi kakhulu njalo uma ngiyibuka." Thina, uqobo lwethu, sasiyimela futhi siyivikele ngokuthi sithi impela singaba babi kakhulu uma besingayinika inotisi ngoba nje inezinxemu. Eqinisweni, uNkulunkulu wayesibusise ngezindlela eziningi selokhu yafika ekhaya lethu.

Sase sizwa-ke ukuthi uMfowethu Branham wayeza ePort Elizabeth. Sasitshelwe ngokuphiliswa okuningi okumangalisayo okwakwenzeke emihlanganweni yakhe. Sazitshela ukuthi, "Uma uMfowethu Branham engakhulekela abanye abantu futhi baphiliswe ngemikhuleko yakhe, angewakhulekele ngani amehlo entombazanyana yethu yomdabu na?" Sayitshela ngokuza kwakhe, futhi yakholwa ukuthi uma yayinokukholwa yayizophiliswa. Ekuseni kakhulu ngeSonto eledlule yaya eHholo iFeather Market lapho umhlangano wawuzobanjelwa khona. Ekuqaleni yadumala kakhulu ngoba ayikhethwanga ukuba iye emgqeni womkhuleko. Kodwa sekuyela ngasekupheleni komhlangano, uMfowethu Branham watshela bonke labo ababefisa ukuphiliswa ukuba basukume esasho umkhuleko owodwa wabo bonke. Yayingomunye wabaningi abasukumayo.

Yaya ekhaya futhi yadumala lapho ithola ukuthi amehlo ayo ayeseyizinxemu, kodwa yanquma ukuqhubeka nokukholwa nangaphezu kwalokho eyakubonayo.

Sengathi ngiyayibona injabulo yethu enkulu ngenkathi ezinsukwini ezimbili kamuva sibona ukuthi iso layo lesokudla lase liqondile futhi liphelele futhi, akadunyiswe uNkulunkulu, ezinsukwini ezimbili kamuva elinye iso layo, nalo, lase liqondile futhi liphelele. Ayidunyiswe iNkosi! Ngaphambi kokuthi ibuke izinto nezwe labonakala libheke phansi, kodwa manje isibona ngokupheleleyo. Ayidunyiswe iNkosi!

D. G.

* * *

**Isifuba somoya imiNyaka eyishumi naNhlanu**

Ngiyajabula ukukuthumelela ubufakazi bami bokuthi uJesu wangiphilisa kanjani ngamandla amakhulu okuphilisa kukaNkulunkulu. Ayidunyiswe iNkosi.

Selokhu ngabuya emkhankasweni wokuphiliswa ngizizwa ngiphile kahle kakhulu. Ngangingavamisile neze ukwenza imisebenzi ekhathazayo, eyayinokuthikameza esifubeni sami,

njengoba ngangikade nginesifuba somoya iminyaka eyishumi nanhlanu. Sengingenza noma imuphi umsebenzi manje ngaphandle kokwesaba. Ngibonga uJesu ngokungiphilisa.

D. M.

* * *

**Waphiliswa esiBhonweni**

Ngibonga uNkulunkulu ngokungiphilisa! Ngokuhlwa kwamhla ziyisishiyagalolunye kuNovemba, 1951, ngise Port Elizabeth, uNkulunkulu wangiphilisa khona lapho ngikwenye yezinkonzo zikaMfowethu Branham. Angibizwanga ukuba ngiyokhulekelwa, kodwa uMfowethu Branham wathi, "Konke kungenzeka kulabo abakholwayo." Ngakholwa ukuthi uNkulunkulu wayezongiphilisa, futhi Wakwenza.

Ngagula iminyaka eyisishiyagalombili emva kokuhlinzelwa iaphendayisitisi okwathi kamuva kwajika kwaba yisibhono. Ngangingakwazi ukubopha izicathulo zami noma ngisho ukugoba, kodwa ngiyambonga uNkulunkulu ngakho lokho kuhlwa ngaphiliswa. Sengiyakwazi ukugoba nokwenza konke engangikwenza eminyakeni eyisishiyagalombili eyedlula. Nginika iNkosi lonke udumo.

A. J. R.

* * *

**Waphiliswa eQhutshini eliyisibhono esiLingana neBhola lezinyawo**

Emva kokuzalwa kwendodana yami ngo 1926, ngasala nesibhono senkaba esilingana nebhola lezinyawo. Odokotela bahlinzile kodwa abaphumelelanga.

Ngakho lokho kuhlwa uMfowethu Branham wakhomba umyeni wami futhi wamtshela ukuthi wayephethwe yini, nokuthi wayesephilisiwe, ngakhonjwa nami futhi. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi angisukume. Emva kokuba esengitshele ngesibhono, wangitshela futhi ukuba ngikwemukele ukuphiliswa kwami. Akabusiswe uNkulunkulu! Masinya isibhono sasuka emzimbeni wami futhi akusekho-mkhondo walesisibhono, esasilingana nebhola lezinyawo. Akabongwe uNkulunkulu ngoba Waphilisa futhi wathinta umzimba wami.

M. G.

* * *

### Iphaphu Elomile iMinyaka engamashumi amaThathu-nane, Lisebenza ngokwejwayelekile

NgeMpi yokuQala yoMhlaba, ngaxhilwa yigesi eFlanders Field, futhi ngaphezu kweminyaka engamashumi amathathu-nane bengisebenzisa iphaphu elilodwa kuphela njengoba elinye lalome-nkwe. Nenhliziyo yami futhi yayisesimweni esibi. Odokotela base bengidelile njengongasenathemba futhi ngingezukuphila isikhathi eside kakhulu.

NgoNovemba 7, 1951, ngaya eHholo iFeather Market nethemba eligcwele lokuthi iNkosi yayizongiphilisa. Ngenkathi uMfowethu Branham ekhomba umkami, owayehlezi eduze kwami, futhi wathi, "Usuphilisiwe," ngathi, "Nkosi, nami futhi; ungangishiyi ngemuva, ngiyacela, Nkosi." Wayesethi uMfowethu Branham kimi, "Sukuma!" Wangitshela ukuthi yini eyayingalungile kimi, exilonga izikhalo zami ngokupheleleyo futhi wangitshela ukuthi sengiphilisiwe. Masinya ngaqala ukuphefumula ngokukhululeka okukhulu futhi ngingamdumisa uNkulunkulu ukuthi sengiphiliswe ngokuphelele futhi akukaze kubekhona-mkhondo wezimbangela zokuxhilwa yigesi selokhu kwaba yimihlangano yasePort Elizabeath.

F. G.

* * *

### Iminyaka eyiShumi nantathu Engezwa

Iminyaka eyishumi nantathu ngangingezwa lutho kodwa ngiyayibonga iNkosi ukuthi Ingiphilise ngokuphelele. Ngikwazi ukuzwa nokunyenyeza okuncu manje. Akadunyiswe uNkulunkulu ngokuthinta kwaKhe okumangalisayo.

G. F.

* * *

### Izinhlungu eQolo neSizalo esiPhuphumayo

Ngifuna ukuthumela ukubonga kwami kokuthokoza ngokuphiliswa engakuthola emhlanganweni ngoLwesine, ziyisishiyagalombili. Ngangigula iminyaka nginezinhlungu eqolo lami nesizalo esinokuphuphuma. Ngisahlezi emhlanganweni ngathola ukuphiliswa khona lapho engibonga uBabawethu waseZulwini ngakho.

E. C. H.

* * *

### Isigaxa ebuChosheni

Ngijabula kakhulu ukuthi ngikwazi ukufakaza ngalokho iNkosi engenzele khona. Iminyaka emibili nohhafu eyedlula

ngaqala ukuphathwa yisigaxa ebuchosheni. Ngo 1950 ngangisesiBhedlela saseGoli izikhathi ezintathu lapho engelashwa khona ngudokotela odumileyo. Akenzanga lutho futhi wangiyalela ukuthi ngibuye phakathi kwezinyanga eziyishumi nambili ukubona ukuthi sesikhule kanjani. Ayengakwenza kuphela ngalesosikhathi kwakungukuthi ayale ukuthi ngelashwe ngama-eksireyi. Ngathola ukwelashwa okukodwa kuphela, emva kwakho odokotela abamemezela ukuthi akukho abangangenzela khona. Isigaxa sangibangela ubuhlungu obukhudlwana kanti futhi sona ukubona kwami. Uma umuntu eme phambi kwami ngangikwazi ukwehlukanisa ngokubona ubuso kuphela kodwa lutho okunye.

Ubusuku bokuqala engangingabo lapho ngathatha indawo yami eyayibekelwe abagulayo. Ngakholwa futhi ngazi ukuthi ngangingaphiliswa. Emva kokuba uMfowethu Branham esekhulekele cishe abantu abahlanu, wabuka ngakimi futhi wakhuluma nami. Ngalowomzuzu ngezwa into ethize yenzeka kimi nobumnyama phambi kwamehlo ami bashabalala. Ngenkathi ekhuluma nami ngangingambuki, kodwa masinyane ngaguqula ubuso bami ngabheka ngakuye futhi ngakwazi ukumbona nobuhlungu futhi base bunyamalele.

Manje sekuyizinsuku ezintathu futhi angikaze ngizwe-buhlungu futhi ngikwazi ukubona kucace ngokuphelele. Manje sengiphila futhi ngilale ngaphandle kwemithi elalisanayo futhi ngiyazi ukuthi kungenxa yomphumela walokho engikwenzelwe yiNkosi. Angisoze ngayeka ukuYibonga.

N. P.

* * *

**Ukwethuka nokuHlushwa yiSisu**

Yonke impilo yami bengihlushwa ukwethuka nesisu esasiphume iqhubu. UNkulunkulu waba-muhle kumkami nakimi ngokusivumela ukuba siye emgqeni womkhuleko. Sengenyukele kuMfowethu Branham wathi, "Awuzwa kancane, unokwethuka nokuphathwa yisisu esiphume iqhubu. Konke sekuphilisiwe manje." Okukhulu ukuthula kwafika phezu kwami futhi sengiyekile ukuphuza amaphilisi esisu sami. Bese sisebenza ngokwejwayelekile kusukela lapho. Ukuzwa kwami sekungcono, nakho.



Bengihlala njalo ngiseduze koMdali wami kodwa kuyisimangaliso ukucabanga ukuthi Ufikile futhi wangithinta. Angikaze nginqamuke ukubonga uJesu

ngokungiphilisa. Umngane wami wangiboleka incwadi ethiwa "UKristu uMphilisi" futhi kwakuvusa amadlingozi kimi ukufunda ukuthi ukufa kweNkosi yethu esiphambanweni kwakungokokuphiliswa ngokomzimba futhi kanjalo nokokusindiswa komphefumulo.

A. L.

* * *

**Isiketi sesiBanzi kakhulu Ngenkathi Esesindiswe esiBindini Esikhukhumele**

Kade sengiyisiguli esihlala ngokulala embhedeni iminyaka emihlanu nezinyanga eziyisishiyagalolunye. Inhliziyo yami nesibindi sami kwakhukhumala, isibindi ngamayintshi ayishumi nanye nengxenye eyodwa. Ngesikhathi senkonzo yantambama ngangicela uNkulunkulu ukuba angiphilise, futhi ngokuthula enhliziyweni yami ngangilokhu nje ngiqhubeka ngikholwa. Sengisukuma ukuba ngiye ekhaya, ngezwa isiketi sami siwa ezinqulwini zami. Kwafanele ngisihlanganise ngokusiqhana njengoba ngangingakwazi ukuvala indawo evulekileyo eceleni ngenkathi ngifika emhlanganweni. Manje kwabakhona ukushwabana okusheshayo kokhalo lwami ngangokuthi ophini bashiya isikhala esikhulu kakhulu. Ngesikhathi sengifika ekhaya kwakungekho-kuvuvukala-nhlobo. Ngidumisa iNkosi ngokuphiliswa kwami.

H. R.

* * *

**Isiguli sesiHlalo esinamasondo Sasindiswa eziFwaneni Eziningi**

Ngaphiliswa edolobheni laseGrahamstown ziyi 13 kuNovemba, 1951, emva kokuphathwa yisifuba somoya iminyaka eyishumi nanhlanu. Angisoze ngalukhohlwa lolosuku lwenjabulo nokujabula. Ngichithe amakhulu opondo kodokotela nemithi. Akungisizanga ngalutho futhi ekugcineni inhliziyo yami yadela. Udokotela wami waphakamisa ukuthi ngisebenzise imijovo yerecosin ukuqinisa imisipha yenhliziyo yami kodwa kwasiza kancane kabi.

Ngenkathi ngizwa ukuthi uMfowethu Branham wayeza eGrahamstown nganquma ukuthi ngifanele ngiye emhlanganweni wakhe osungowokugcina vo lapho ngakho konke. Izinsuku eziyishumi nanhlanu ngangilele embhedeni ngibala izinsuku namahora. Ngezinye izikhathi ngangigula kakhulu ngaze ngacabanga ukuthi ngizoshona ngaphambi komhla ziyi 13. Ngangibuthakathaka kakhulu ngangokuthi

ngangize ngingeniswe ngokuphushwa ngesihlalo esinamasondo. Safika ehholo ngeleshumi ekuseni futhi ngahlala lapho kwaze kwaba ngeleshumi nanye ebusuku.

UMfowethu Branham wafika ngokukhulu ukuthula emsamo cishe ngelesishiyagalolunye. Wakhulekela abantu abaningana abeza emsamo kanjalo nabanye ezethamelini.



Cishe ngele 9:30 wangikhomba ngomunwe wakhe futhi wathi, "Wena okulesosihlalo esinamasondo, nesifuba sakho somoya, inhliziyo ebuthakathaka nezinye eziningi izifwana, usuphilisiwe." Akadunyiswe uNkulunkulu, bangane, yilabo kuphela abagule njengoba kwenze mina abangaba nesithombe sokujabula nokubonga kwenhliziyo yami. Kusukela kuleso sikhashana ngaqala ukwelulama. Nangaphezu kobuthakathaka emzimbeni wami nasemilenzeni ngahamba ngaphuma ehholo. Ngibonga uNkulunkulu ngomusa waKhe nokusindiswa ekuguleni kwami futhi ngiyaMdumisa ngokuthumela uMfowethu Branham amamayela ayizinkulungwane eziyishumi ekuphendulweni kwemikhuleko yami ukuba ngiphiliswe. Ngalobo busuku ngahamba ngayolala futhi ngasusa inqwaba yemiqamelo, ngishiya emithathu kuphela. Ngokwejwayelekile okungenani ngangiba nedazini. Ngaba nokulala okunokuphumula okukhulu nokunokuthula kwaze kwaba ele 6:30 ngalokho kusa okulandelayo.

Izindaba zasabalala zokuthi ngase ngiphilisiwe emhlanganweni kaMfowethu Branham. Abangane bafika bezongibona, umfundisi wafika, kodwa kwabalukhuni ukuthi bakholwe uguquko abalubona kimi, endodeni eyayibuso-buphaphathekile ilele embhedeni kunendoda eyayisinebala elingcono ihamba hamba. Udokotela wangivakashela ngokuzumayo, wezwa ukushaya komthambo wami wayesethi, "Awu, indoda esiyehluke kanje. Ngithokoza kakhulu ukuthola inhliziyo yakho ikulesisimo esihle." Omunye udokotela wangena ezongibona. Wayeke wangelapha ngaphezu kweminyaka emithathu kodwa wayesengidelile ngenxa yenhliziyo yami. Wathi isifuba somoya sasesiyonile nokuthi kwakungasekho-khambi lami. Wezwa ngokuphiliswa kwami futhi wafika ezongibuza ukuthi ngangikade ngiku "Mphilisi wokuKholwa" yini. Ngathi, "Akadunyiswe uNkulunkulu, sengiphilisiwe." Waphawula futhi ngokuthi ngangibukeka ngiphile kahle kanjani.

Lokhu ukuphiliswa kuwuthintile umndeni wami nami ngokomoya. Bengihlala njalo ngisho ukuthi uma bengiphila bengiyokwazi kahle kanjani ukwenza umsebenzi kaNkulunkulu. Bekuwubizo kithi sonke. Siye emihlanganweni emininingana ukuyofakaza ngokuphiliswa kwami.

P. E. H.

*   *   *

**Isithuthwane iMinyaka eyishumi nesiHlanu**

Ngeke ngize ngiyeke ukudumisa nokubonga uNkulunkulu ngokuphulukiswa okuyisimangaliso engakuthola eHholo leDolobha iGrahamstown ngoNovemba 13, 1951. Ngathola ukuphiliswa kokomoya nokomzimba, ayidunyiswe iNkosi. Akwedluli-suku ngingatshelanga-muntu ngokuphiliswa kwami okuyisimangaliso nabanye babangane bami sebelokhu baba semihlanganweni eEast London kanti futhi bathole ukuphiliswa. Kusasa umfowethu nendodakazi yakhe encane baya eGoli ukuba baye emhlanganweni ziyi 5 kuDisemba, njengoba nabo bafuna ukuphiliswa, engaziyo ukuthi bazoba nakho uma bekholwa.



Ngangikade ngiphethwe yisithuthwane iminyaka eyishumi nanhlanu. Ngase ngike ngaya kodokotela abayizipesheli. Ekugcineni ngathunyelwa ePort Alfred ukuba ngibe-sogwini kanti futhi ngangingahlali ngaphandle kwamaphilisi engangifanele ngiwaphuze njalo. Njalo nganginokwesaba ukuthi ngangizowa emgwaqeni noma emsebenzini, okwakuvamise ukwenzeka, futhi ngangesaba ukushiywa ngedwa.

Cishe emavikini amabili ngaphambi kokuba uMfowethu Branham afike eGrahamstown, ngaqala ukuphathwa yizinhlungu ezimbi kakhulu esiphundu. Akukho okwakungisiza futhi ngangesaba njalo ukuthi ngangizoba nesithuthwane. Kukhona okwakulokhu kungincenga ukuba ngiye emihlanganweni, engakwenzayo. Ngisahlezi phakathi kwamakhulu abanye, uMfowethu Branham wangikhomba futhi ngezwa sengathi ngangidonswa uzibuthe. Kwakuzwakala kumangalisa futhi nje ngangifuna ukugxuma ngimemeze, “Ayidunyiswe iNkosi,” njengoba ngavele ngazi khona lapho ukuthi ngase ngiphilisiwe. Ngenkathi uMfowethu Branham ethi, “Inenekazi elifake isigqoko esimhlophe—ithunzi elimnyama liza phezu kwakho; uphethwe yisithuthwane.” Lapho ngivuma ngekhanda futhi ngiphakamisa isandla sami, wathi, “Ayidunyiswe iNkosi, usuphilisiwe.” O, ukuzwa

okumangalisa kanje pho—ngingalokhu nje ngiqhubekile ngiqhubekile ngitshela wonke umuntu engimbonayo ukuba akholwe futhi abe nokukholwa futhi nabo bazokuthola ukuphiliswa.

T. V.

* * *

**Isifuba somoya imiNyaka engamaShumi amabili-nane**

Ngithanda ukudumisa iNkosi ngamandla okuphilisa kwaYo amangalisayo okwenzeka emkhankasweni kaBranham eEast London ziyi 15 kuNovemba. Ngangiphethwe yisifuba somoya iminyaka engamashumi amabili-nane, kusukela ngiseneminyaka emithathu ubudala. Kodwa ngidumisa futhi ngibonga iNkosi ukuthi Ayizange kuphela ingiphilise ngokomzimba kodwa futhi nangokomoya.



Ukuphiliswa kwami kwenzeka ngobusuku bokuqala bokuvakasha kukaMfowethu Branham. Ukukholwa kwami kwaqiniswa kakhulu ngangokuthi ngaphiliswa ngaphandle kokuthi uMfowethu angikhulekele. UMoya weNkosi wawunamandla amakhulu phakathi kwethu ngangokuthi engakwenzayo kuphela kwaba ngukuthi ngicele.

Ebusukwini bokugcina bomkhankaso kaBranham ngacela iNkosi ukuba uMfowethu Branham imtshele asho okuthize ngami. Wakwenza. Wathi ngangiphethwe yisifuba somoya nokuthi iNkosi yayisingiphilisile. Ngiyathokoza manje eNkosini futhi ngethembisa ukuYikhonza kuze kube sekupheleni.

G. R.

**Umdlavuza Wanyamalala**

Cishe eminyakeni eyishumi nesithupha eyedlula ngangigula kanzima nodokotela wabizwa. Emva kokungihlola wangitshela ukuba ngiye endlini yakhe yokwelaphela ukuba ngihlolwe ingaphakathi. Wangihlola endlini yakhe yokwelaphela futhi wangitshela ukuthi nganginesigaxa esingaphakathi, elalingithena amandla negazi lami lalingahambi kahle, nokuthi kwakufanele ngihlinzwe ukuba kususwe lesisigaxa. Isigaxa ekugcineni saqala ukuphuma iqhubu, futhi izinyanga eziyisithupha ezedlula kwakunzima

ukuthi ngihlale, futhi ngaso sonke isikhathi ubuhlungu obunzima kakhulu babunqamula ngezansi kwesisu sami nesakhiwo samathambo eqolo lami.

Ubusuku obulandelayo bomkhankaso kaMfowethu Branham eEast London ziyi 15 kuNovemba, 1951, ngangihlezi endaweni ebekelwe abagulayo, ngikhulekela ukuthi ngithole ikhadi lokukhulekelwa. Ngenkathi uBilly Branham engedlula, wanginikeza, futhi lapho sekubizwa izinombolo, ngaba ngowesibili emgqeni. Lapho ngifika emsamo, uMfowethu Branham wathi kimi: "Ngiyakubona ungumKristu. Unesigaxa esiveza izinyama futhi siyakhula siba sikhulu. Ngumdlavuza. Ngezinye izinsuku uba nefu elimnyama elilengela phezu kwakho, futhi uzizwa unomthwalo. Usuphilisiwe emdlavuzeni wakho." Masinya ngenkathi esho lokhu, ngaba nokuzwa ukuthi ngase ngiphilisiwe, futhi kwathi sengibuyela esihlalweni sami ngezwa ukuthi isigaxa sasesingasekho. Sengifika ekhaya ngazihlola mina, futhi ayidunyiswe iNkosi, isigaxa sasesinyamalele.

Nginokuzwa okuyisimangaliso kakhulu ngokomoya, futhi ngizizwa ngehluke kakhulu kwabanye abantu. Ngaphandle ngibukeka ngehluke ngempela, futhi ngeke ngayeka ukuzizwela nginokubonga iNkosi uJesu Kristu ngalokhu ukuphiliswa okumangalisa kakhulu.

E. M.

*　*　*

**Umbiko weNdoda Efayo neMiphumela yokuKholwa uNkulunkulu iziNyanga Ezine nangaPhezu kweziMpawu**

Ngithanda ukukunika izimfakazo zababili lapha eEast London. Indoda yayisesimweni sokufa ixhunywe amapayipi wonke umzimba wayo. UMfowethu Branham wayitshela ukuthi kwakukhona ubumnyama emva kwayo kodwa-ke wayesebona ingelosi yeNkosi futhi watshela lomfowethu ukuthi uNkulunkulu wayewuzwile umkhuleko wakhe nokuthi ufanele aye ekhaya ngoba wayesephilisiwe. Masinya wavuka, wangcothula onke amapayipi emzimbeni wakhe futhi waya ekhaya. Haleluya. Manje uphila kahle.

Owesifazane owakhulekelwa nguMfowethu Branham waya ngokuba-mubi eba-mubi kodwa wamethemba uNkulunkulu futhi emva kwezinyanga ezine zobuhlungu obesabekayo wavuka ngokunye ukusa esindile esiqalekisweni somdlavuza.

A. G.

* * *

**Amathunjana Angaphakathi neSifo sabesiFazane**

Ngifisa ukubonga uNkulunkulu ngokuthumela umprofethi waKhe, uMfowethu William Branham, ukuba avakashele iNingizimu Afrika ukuba anikeze umlayezo wokuphilisa kukaNkulunkulu, nokuthi ngakhulekelwa nguye.

Ngathola ukuphiliswa kwami eEast London, ngokuhlwa kwamhla ziyi 15 kuNovemba, 1951. Ngangikade ngigula kusukela ekuzalweni kwendodana yami, futhi ngangigula kabi ngezinye izikhathi. Ngelashwa ngudokotela kanye, ngenkathi ngigula kakhulu futhi ngisebuhlungwini, kodwa ngelapheka okwesikhashana kuphela ngase ngibuye ngigula kakhulu.

Emva kwakusihlwa ngakhulekelwa, kancane kancane ngathola isiqiniseko sokuthi ngase ngiphilisiwe ngoba ukugula akubange kusabuya futhi. Ngakho lokho kuhlwa, uMfowethu Branham wakhuluma kimi futhi wathi, "Hamba ekhaya futhi uphiliswe, futhi ungasikhohlwa isethembiso sakho kuNkulunkulu ukuphilela Yena yonke impilo yakho." Isimo sokugula kwami kwakungamathunjana angaphakathi nezifo zabesifazane. Manje angisenazo izinhlungu futhi angisahlushwa amathunjana. Umfundisi wami nabo bonke abanye kanjalo nomndeni wami bayabonga ngokuphiliswa kwami.

Ngiyajabula futhi ukufakaza ukuthi ngingumntwana kaNkulunkulu futhi ngifuna ukuMkhonza yonke impilo yami, ngoba akekho neze umngane engingamthola ongcono noneqiniso kakhulu kunoJesu, ohlala njalo esiqonda isidingo sami futhi angisize emgwaqweni wempilo omagebhugebhu.

Ngafakaza phakathi kwabangane bami nakumyeni wami ongasindisiwe, futhi sengathi uNkulunkulu angakwenza ukuthi umphefumulo owodwa kuphela, ngobufakazi bami, angathola indlela yokuya eKalvari.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham.

M. C.

* * *

**Iqolo eliKhubazekile Manje selibuyele esimweni salo**

Ngingomunye wabantu abagulayo owathola ukuphiliswa ngomsebenzi kaJesu Kristu. Ngidumisa iNkosi ukuthi Izigezile izono zami. Ngathola ukuphiliswa kwami eLokishini laseEast Bank. Zaziyi 18 kuNovemba futhi ngase ngigule iminyaka eyishumi nesikhombisa. Iqolo lami lalikhubazekile kusukela ngiseneminyaka emithathu ubudala kodwa manje selibuyele esimweni salo. Ngenkathi uMfowethu Branham ekhulekela bonke abantu, wabatshela ukuba babeke izandla zabo

endaweni yomzimba wabo eyayiphathekile. Ngabeka isandla sami eqolo lami. Ngesikhathi somkhuleko ngezwa into ethize ipheqa iqolo lami. Ngabuza umfowethu owayeseduze kwami ukuba angibuke iqolo lami. Wamangala lapho elithinta futhi wangitshela ukuthi ngase ngiphilisiwe. Iqolo lami lase liqondile futhi lisenjalo ngisho nanamhlanje. Ngaphiliswa khona lapho ngaphambi kokuba uMfowethu Branham avale umkhuleko wakhe. Umfundisi wami, uN. Bengu, wathokoza ngoba wayengikhulekele izikhathi eziningi. Abantu bebandla lakithi bajabula kanye nami ngoba uJesu ube-yisimangaliso kimi. Yimi owakho,

E. M.

* * *

**Isithulu Uqobo neZinye Izifwana**

Ngenkathi ngizwa ukuthi uMfowethu Branham wayeza eNingizimu Afrika, nganquma ukuthi ngizohamba ngiye eEast London futhi ngicele umkhuleko ngoba ngangigula kabuhlungu futhi ngiyisithulu uqobo. Angibanga-nalo ithuba lokuba ngikhulekelwe uMfowethu Branham, kodwa nokho ngakuthola ukuphiliswa kwami. Ngobusuku bokuqala engangilapho ngabo ngabona abanye babantu benyuka beya phambili. Ngangingezwa futhi ngangingezwanga ukuthi ubani owayebiziwe phezulu, ngakho ngaya phambili kanye nabo. Omunye wabefundisi wangibuza ukuthi ngangifunani, noma into efana naleyo. Ngamtshela ukuthi ngangingezwa futhi ngangingezwanga ukuthi kwakuthiwani, ngamcela ukuba akubhale akushilo. Wabhala futhi wangitshela ukuthi inombolo yami yayingabizwanga nokuthi kufanele ngithole indawo yokuhlala phansi. Sengathi ngiyakubona ukudumala kwami okukhulu. Ngakhala ngempela ngenkathi ngibuyela esihlalweni sami. Ngenkathi uMfowethu Branham ekhulukela abagulayo, nami futhi ngakhulekisisa ngenhliziyo ukuba uNkulunkulu angiphilise. Awu, akwenzekanga lutho, kodwa ngezwa ukuthinta kukaNkulunkulu lapho ukugodola nokushisa okuvevezelisayo kugijima ngomzimba wami nenhliziyo yami yashaya masinya.

NgeSonto ekuseni ngangigula ngempela njengoba ngase ngigule iminyaka eyisikhombisa ngixinwe amaphaphu, isifo sokuqaqamba kwamalunga emilenzeni yami, nokuhlushwa yinyongo. Ngangisosizini futhi ngatshela umndeni wami ukuthi ngiqoka ukuya ekhaya futhi ngingahlali futhi ngizame ukungena emgqeni womkhuleko. Indodakazi yami yangincenga ukuba ngihlale kuze kube uMsombuluko. Emva kwelantshi ngezwa umsindo othize ezindlebeni zami, ngakho ngathi nje, “NgiyaKubonga, Nkulunkulu. Ngiyazi futhi ngiyakholwa ukuthi uyangiphilisa.” Angizange ngibatshele

lutho abantwana bami ngakho. Sengiya enkonzweni ngezwa indodakazi yami endala itshela udadewabo ukuthi uma uMama ezoba nokukholwa angaphiliswa. Ngaphendula ngayitshela ukuthi ngaba nokukholwa nokuthi ngase ngiphilisiwe. Bamangala kakhulu ukuzwa ukuthi ngiyizwile ingxoxo yabo. Ngathi, "Yebo, akadunyiswe uNkulunkulu, sengiphilisiwe futhi ngikuzwile enikushilo." Ngathola ukuzwa kwami ngokuphazima kodwa ngathola ukusinda ekuqaqambeni kwamalunga omzimba nezinye izifwana kancane kancane. Manje, akabongwe uNkulunkulu, ngizizwa ngiphile ngokupheleleyo. Umfundisi wami wajabula futhi wadumisa uNkulunkulu kanye nami, ukuthi uNkulunkulu wayephilise umzimba wami. Kusisondeze sonke eduze kweNkosi. Akabongwe uNkulunkulu ngoMfowethu Branham nenkonzo yakhe.

M. M. N.

* * *

**Isithuthwane iMinyaka eMine**

Indodakazi yami encane yathola ukuphiliswa eEast London ngenkathi uWilliam Branham eyikhulekela ngosuku lukamhla ziyi 18 kuNovemba. Yayikade iphethwe yisithuthwane sekungaphezu kweminyaka emine. Samusa ukuba ayohlolwa ngodokotela abaningana. Abaxilongi ababili abelapha ngezandla nabo babeyinikezile ukwelashwa. Akukho namunye owakwazi ukumelapha umntwana. NgoJanuwari odlule eseGoli waba-nesithuthwane kathathu phakathi kwamahora amathathu. Sabiza udokotela ngalelolanga futhi yayifanele iye ekhaya lezingane ukuba iyoqashelwa khona. Udokotela wathintana nodokotela oyisipesheli. Sayithathisa isithombe se X-reyi sekhanda layo, esakhombisa ukuthi akukho-mathambo ephukile ngenxa yokuwa. Yadingeka futhi ukuba ibe nokunye ukuhlolwa esiBhedlela esiKhulu. Emva kwamaviki amathathu bangitshela ukuthi akukho-khambi, sifanele nje siqhubeke nokuyinika imithi.



Safunda umlando wempilo kaMfowethu Branham engakafiki edolobheni lakithi. Ngaba nokuvuma ukuthi uNkulunkulu wayezomphilisa umntwana wethu ngoMfowethu Branham. Sasikushisekele kakhulu ukumbona.

NgeSonto, umhlangano wokugcina, sangena emgqeni womkhuleko. UMfowethu Branham wathi, "Mama, uzokholwa na? Ngiyazi ukuthi yini engalungile kumntanakho." Ngathi,

"Ngizokholwa." Wathi, "Unesithuthwane." Ngaphakamisa isandla sami sokudla futhi ngangifuna ukukhala kakhulu. UMfowethu Branham wakhuleka ngokuqinisela kakhulu. Intombazane yami nami sazizwa sigcwele ukubonga uNkulunkulu uBaba wethu noMfowethu Branham, umprofethi waKhe. Wayesethi-ke uMfowethu Branham, "Mama, uyakholwa ukuthi umntwana wakho usephilisiwe na?" Ngathi, "Ngenhliziyo yami yonke." Wayesengixhawula-ke wathi, "Uzophila, hamba uye ekhaya futhi ungakhathazeki." Sabuyela emuva ezihlalweni zethu ehholo futhi sakhuleka sibonga uNkulunkulu.

Ngazi emkhankasweni kaBranham ukuthi ngangikade ngikhuleka ngokungesikho. Ngangihlale ngikholwa nguNkulunkulu nomkhuleko, kodwa ngangicela futhi nginxusa futhi ngingasemukelanga isethembiso esinikezwe nguNkulunkulu njengokuthi sesivele senziwe. Leyomihlangano emangalisayo yasifundisa konke esasingazange sakufunda ngaphambili.

P. B.

* * *

**Welulama eSifweni sofuba**

Kulukhuni ukuthi ngibuzwakalise ngempeni noyinki lobubufakazi. Ngalaliswa esiBhedlela sabahlala ngaBodwana zingama 20 kuAgasti ngenxa yesifo sofuba. Umfundisi wami wangilethela isidlo esibhedlela. Ngambuza ukuthi ngingaya yini emhlanganweni wakho. Wavuma ngokujabula futhi wathi sifanele senze okuningi ukubekwa kwezandla. Wangitshela ukuthi wazibeka kanjano izandla phezu komntwana omncane onde kakhulu futhi eseseduze kokuthi afe, nomphefumulo omncane welulama ngokuphelele esifweni sofuba. Udokotela wanginika imvume futhi wangifisela inhlanhla enkulu.

Ngenkathi wena, Mfowethu Branham, ufika emsamo, ngakhuleka kanzima kakhulu ukuba usenzele okuthize thina ziguli ezilele emibhedeni. Nganginomuzwa wokuthi imikhuleko yami yayikubamba ukuba wenze okuthize. Wase-ke uthi, "Beka izandla zakho phezu kwalowo nalowo." Lokhu sakwenza ngokujabula futhi wakhuleka kahle kakhulu wathi, "Seningahamba ningabaphilisiwe." Ngezwa into ethize isebenza emzimbeni wami wonke njengentambo enogesi. Ngaba nokuzwa okunokuthula okumangalisayo futhi ngabuyela esibhedlela ngidumisa uNkulunkulu. Ngalinda kwaze kwafika isithombe sami se X-reyi esibonisa ingaphakathi, nodokotela wangikhombisa ukuthi kwaba yimpumelelo. Ngangiwubona umehluko ngenkathi isithombe

se X-reyi esidala esibonisa ingaphakathi nesisha seziqhathaniswa. Ngidumisa uNkulunkulu ngalokhu. Udokotela wathi sengingaya ekhaya futhi ngibuye ngizombikela esikhathini esiyizinyanga ezimbili.

S. S. K.

*   *   *

**Izihlobo zasindiswa ngenxa yoMphumela wokuPhiliswa**

Angazi ukuthi ngizothini, ngokuba amazwi ayengehlula ukuba ngithole ulimi olufanele engingadumisa ngalo uNkulunkulu.

Bengiyikholwa elizelwe ngokusha iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu noNkulunkulu ungibusisile ngezindlela eziningi. Ngoba iminyaka emihlanu benginokufa okungaphakathi ngenxa yokulimala kwami ngibeletha. Lokhu kwaba yixhwala futhi umgudu wami wavunda futhi waba nophoyizeni ngangokuthi udokotela wami wasePort Shepston wangeluleka ukuba ngihlinzwe. Waya eNgilandi ngase ngiya esiBhedlela eAddington, lapho engahlinzwa khona ekuqaleni kuka 1950. Ukuhlinzwa kwaba nempumelelo kodwa umgudu wami wawugcwele izihlungu nophoyizeni.

Ngisesibhedlela ngehlelwa ukuthi kujike kube kubi kakhulu ngosuku lwesishiyagalolunye emva kokuhlinzwa. Ekugcineni ngasuka esibhedlela futhi ngafika ekhaya ngibuthakathaka emzimbeni futhi ngingaphilile neze. Cishe sekuyinyanga kamuva ngakhubazeka kusukela ezinqulwini zami kwenyuke, kubandakanya nengxenye yomlenze wami wangakwesokunxele. Ngangiba nesicanucanu esinzima nsuku zonke, esinye sithatha ihora ngesikhathi. Nganginobunzima ekuphefumuleni nasekudleni futhi ngaba ngophelelwa amandla kakhulu ngangokuthi ngezwa sengathi ngizokufa. Ngaba yisiguli esesihlala ngokulala embhedeni cishe izinyanga eziyisishiyagalolunye, ngonda futhi ngiba buthakathaka.

Emva kwamaviki ngikulesisimo kanye nodokotela ababili basePort Shepstone bengayiqondi indaba yami ngaqala ukufuna uNkulunkulu ngomkhuleko onentshisekelo. Ngangazi emphefumulweni wami ukuthi isigcino somuntu siyithuba likaNkulunkulu, ngakho ngakhuleka kuNkulunkulu ukuba angenzele utho; ngakhulekela ukuba ngixolelwe, ngihlanzwe, nokuphiliswa nangokukholwa ngendlela ezedlula zonke engazi ngazo. Ngase ngivele ngiyifundile incwadi kaMfowethu Branham izikhathi ezimbalwa, kanti futhi ngangilithola iphephabhuku lakhe lokuphilisa elivela eMelika. Lapho zonke ezinye izinto sezehlulekile,

uNkulunkulu ngomusa waKhe wathumela owesifazane womdabu, engangingamazi futhi engingakaze ngimbone selokhu kwathi nhlo, ukuba angikhulekele futhi masinyane ngaqala ukwelulama. Ngosuku olulandelayo ukukhubazeka kwakungasekho futhi akukaze kubuye. Ngase ngithole ukuphiliswa inxenye. Esimweni esibuthakathaka kakhulu ngaphelekezelwa amanenekazi amabili ngibuyela eThekwini ukuba ngiyokwelashwa ngogesi nokuhlikihlwa ngitobozwe ngezandla. Ukwelashwa kwaqala ngo-Oktoba 24, 1950, kwaze kwaphela ngeviki lesibili lika Apreli, 1951, futhi kwakwenziwa ngumphothuli owaziwayo ehlala eMgwaqeni UMbilo, eThekwini. Wayengitshele ukuthi ngangingomunye weziguli ezimbi kakhulu ake azelaphela isifo semisipha. Lendoda yehla yaya ePort Shepstone ukuzongibona ngesikhathi ngisebucayini. Emva kokwelashwa izinyanga ezinhlanu nohhafu lapha ngaqala ukuthola amandla futhi ngavunyelwa ukuba ngiye ekhaya. Nokho, ngaqhubeka nokuphathwa yikhanda okunzima nesicanucanu, nobuhlungu futhi besifo semisipha. Ngamangala ukuthi kungani uNkulunkulu enganginikanga ukuphiliswa okuphelele.

EThekwini ngifika phansi kwezimfundiso ezinamandla zeQembu likaBranham, uMoya wangenza ngakholwa ukuthi konke kwakungahambi kahle empilweni yami. Ngathi masinya, ngokuzithoba kodwa ngokujabula, nganikela ngayo yonke intando yami eNkosini, futhi ngoLwesine, ngoNovemba 22, 1951, ngisahlezi le phezulu emphemeni omkhulu wezibukeli eNkundleni yoMjaho eGreyville, eThekwini, ngezwa ukuthinta kokuphilisa kukaNkulunkulu futhi ngazi ukuthi sengiphilisiwe. Ngezwa umuzwa ohlasimulayo nofudumele ugijima nomzimba wami wonke futhi ngazi ukuthi lona kwakunguNkulunkulu enginika ukuphiliswa kwami. Ngizizwa ngiqinile futhi ngikahle manje futhi sengiyayishayela imoto yethu futhi obese kuyiminyaka emibili ngingasayithinti.

Inhliziyo yami yonke nomphefumulo ushukuma ezinjulweni zawo, futhi ngigcwele uvalo olukhulu nokumangala ngothando nokubekezela kukaNkulunkulu ngomuntu oyisoni. Angisoze neze ngiphinde ngingabaze noma isiphi sezethembiso zikaNkulunkulu. Sengathi Angangisombululela ngasinye sazo. “Nkosi, ngiyakholwa.”

Ngesikhathi somkhankaso kaBranham, uNkulunkulu wangipha injabulo yokubona abafowethu ababili, omkabo nabantwana bemukelwa emndenini kaNkulunkulu emva kweminyaka ngibakhulekela. Haleluya! Akadunyiswe uNkulunkulu ngensindiso. Akadunyiswe uNkulunkulu ngokuphiliswa.

A. D. C. J.

* * *

## IKatolika Lithola Ukusindiswa esifweni sikaShukela naseMilenzeni eLukhuni

Ngifuna ukubonga iNkosi ngoba Ingiphilisile ezifwaneni zami. Ngisethamele omunye wemihlangano yakho ngahlala ngalalela ngoba ngangifuna ukuthola konke uNkulunkulu ayenakho ngami. Angisilo iProtestane. Ngakhuliswa ngiliKatolika. Kodwa wena wasiqinisekisa ukuthi saphliswa ngokukholwa futhi ngamkholwa uNkulunkulu.

Ngangiphethwe amadolo ayelukhuni nemilenze futhi iminyaka emihlanu bengiphuza umuthi wokwelapha isifo sikashukela. Kuqala ngathola izinkomba zokuthi uNkulunkulu wayewuzwa umkhuleko wami futhi ekuhlonipha ukukholwa kwami ngenkathi ibandla lisukuma ukuba licule iculo, "Ngimi eZethembisweni zikaNkulunkulu." Nami, futhi, ngasukuma kodwa ngezwa inzululwane futhi ngawisa izibuko zami. Kubonakala sengathi, uma sengibuka emuva manje, ukuthi ngangiqulekile isikhathi esiningi phakathi nenkonzo ngenxa yendlela engezwa ngayo futhi angikhumbuli-lutho okwenzekayo. Kodwa lapho ngisukuma ukuba ngiye ekhaya emva kwenkonzo nganothisa ukuthi bonke ubulukhuni emilenzeni nasemadolweni babungasekho. Angibange ngisayidinga ikheyini yokudondolozela. Ngaya ekhaya ngixhumaxhuma kakhulu ngangokuthi ngakhohlwa konke ngesifo sami sikashukela.

Ngakusasa ekuseni ngenza ukuhlola futhi ngathola ukuthi wawungekho ushukela. Kwakungasekho-sidingo sokuphuza umuthi wesifo sikashukela. Ngenza ukuhlola okufanayo izikhathi eziningana usuku lonke ngingatholi-phawu lukashukela. Ngosuku olulandelayo ngaya kudokotela futhi wangitshela ukuthi naye futhi uzwile ngeminye imibiko, kodwa ukuthi kufanele ngibhekisise futhi ngiqhubeke ngenze ukuhlola ushukela. Akadunyiswe uNkulunkulu, akukho-phawu lukashukela emzimbeni wami nobulukhuni emadolweni ami obebungiphethe iminyaka eminingi sekuphelile. Akabongwe uNkulunkulu, Uwuzwile umkhuleko wami.

Nkk. B.

* * *

## Usekhululekile ekuHlushweni yiNhliziyo

KuNkulunkulu makube yinkazimulo yonke ngokungiphilisa ekuhlushweni yinhliziyo. Ngezwa ukuthinta kwesandla sokuphilisa kukaNkulunkulu lapho uMfowethu Branham othandekayo engicela ukuba ngisukume ngime

ngezinyawo zami lapho ingelosi ingikhomba kuye. Kanti ngaphambili izingalo zami nemilenze nomzimba wonke kwakuzwakala kubophekile, manje ngizizwa ngikhululekile.

L. E. H.

*   *   *

**Waphiliswa esiFweni sabesiFazane**

Ngaphiliswa eThekwini zingama 22 kuNovemba, 1951. Ngangikade ngigula unyaka owodwa. Ngase ngihambe odokotela abaningi futhi ngahlala ngisho nasesibhedlela izinsuku eziningi kodwa akulethanga-bungcono esimweni sami. Ngosizo lweNkosi yethu uJesu, ngaphiliswa. UMfowethu Branham wangibuza ukuthi ngiyamazi yini. Ngathi, "Qha," futhi wathi akangazi. Wathi, "UNkulunkulu uyakwazi." Wayesethi-ke uMfowethu Branham kubantu ukuthi uzothanda ukukhuluma nami engasebenzisi umbhobho. Onke amazwi uMfowethu Branham awakhuluma kimi ayeyiqiniso. Wakwenza ngosizo lukaNkulunkulu. Ngathola isiqiniseko ukuthi ngase ngiphilisiwe ngenkathi sengisuka emsamo. Ukuphiliswa kwaba ngokuphazima. Ngangiphethwe yizifo zabesifazane. Ukusebenza kokuphiliswa kwami kungiholele empilweni eyiqiniso yobuKristu.

S. C.

*   *   *

**Waphiliswa kuMdlavuza**

"Ngiyakubingelela eGameni leNkosi yethu uJesu. KuNkulunkulu makube yinkazimulo, izinto ezinkulu Azenzile."



Kuyinjabulo enkulu ukuba ngibhale ubufakazi bami bokuphiliswa kwami kumdlavuza. Ngathola ukuphulukiswa kwami eHholo leDolobha laseThekwini, zingama 21 kuNovemba, 1951.

Ngangikade ngihlushwa yisizalo iminyaka emine edlule futhi sengelashwe odokotela nezibhedlela. Iminyaka emine esiyedlule bengigula kakhulu, futhi ngaba nokuhlinzwa okune nokopha okuthathu okunamandla, kuhlanganisa nokuningi ukopha kahle nje.

Cishe ezinyangeni ezine ezedlule ngelulekwa ngudokotela ukuba ngiye kokunye ukuhlinzwa ukuba kususwe umdlavuza. Sekungunyaka impela selokhu ngaba nezinsolo zokuthi

nganginomdlavuza futhi ekuceleni odokotela ababili abehlukene ngezikhathi ezimbili ezehlukene, ngatshelwa ukuthi yilokho ababekwesaba.

Ngathola isiqiniseko sokuphiliswa kwami ngabo lobo busuku ngenkathi uMfowethu Branham ekhuza idemoni lomdlavuza liphume kimi. Ngezwa isisu sami senyuka siza esifubeni sami kabili, futhi okwesithathu ngezwa umoya uphuma emlonyeni wami ngqo. Ngase-ke ngikwazi ukuphefumula ngokukhululeka futhi. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi ngangiphethwe wumdlavuza, ukuthi sengike ngahlinzwa, nokuthi ngangingumama ogulayo. Konke akusho kimi kwakuyiqiniso. Ngezwa amandla amakhulu angesiwo awemvelo yasemhlabeni ngami, futhi kwabonakala sengathi ngehlelwa yisiyezi esincane. Abangane bami nezihlobo kamuva bangitshela noma bangikhumbuza ngezinye izinto engingazizwanga. UMfowethu Branham futhi wathi ngizogula amahora angamashumi ayisikhombisa-nambili. Ngalobo busuku ngesikhathi sengiyolala, ngopha. Emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ngayeka futhi sengiphile kwaze kwaba yiwo lomzuzu. Ngangivamise ukuthola izinhlungu ezinzima esizalweni sami, ngemuva nasemgogodleni wami kwenyuke kuyoshaya ekhanda lami. Ukuhlasela kwekhanda kwakungubuhlungu bekhanda obuhlabayo, futhi kwadingeka ukuthi ngenzelwe izibuko okwase kuphele izinyanga eziyishumi ngizifakile. Kodwa ngazisusa emva kokuba sengisuke esiteji sasehholo ledolobha, futhi angikaze ngibe nalokho kuhlasela okuhlanyisayo, okunonya. Amen! Sengiyisidalwa esisha.

Ngihambile ngayoxoxisana nodokotela wami ngeviki eledlule, futhi washo ukuthi kade ngingowesifazane obegula kakhulu izinyanga ezimbalwa ezedlule futhi kubekhona ushintsho olukhulu noluqinisekayo selokhu kwasukela lapho. Wajabula kakhulu ngoshintsho. Abangane bami bonke baluqaphelile ushintsho olukhulu ekubonakaleni kwami umndeni wami uyathokoza eNkosini. Omakhelwane bami bahlabeke umxhwele kakhulu futhi bakulinde ngentshisekelo ukubuya kukaMfundisi Branham.

Ngiyambonga uNkulunkulu ngemihlangano yemvuselelo enkulu ukwedlula yonke iTheku eselake layazi.

F. H. G.

* * *

**Ukuhlushwa nguMgogodla Akusekho**

Ngifuna ukudumisa uNkulunkulu ngemisebenzi yaKhe emangalisayo. Izolo ebusuku ekamelweni lami ngithole ukuphiliswa kweqolo lami. Sengihlupheke isikhathi eside

ngihlushwa umgogodla, selokhu kwasukela ekuzalweni kwengane yami. Manje ngidumisa uNkulunkulu ukuthi izolo ebusuku ngizwe amandla kaNkulunkulu phansi naphezulu emgogodleni wami futhi kusukela lapho angikaze ngibe nabo nobuncane ubuhlungu. Ngidumisa futhi ngibonga uNkulunkulu ngakho.

W. M.

* * *

**Wasindiswa eZilondeni naseMoyeni Omubi**

Ngathola ukuphulukiswa kwami eNkundleni yoMjaho yaseGreyville, eThekwini, zingama 22 kuNovemba, 1951. Ngangigula sekuphele iminyaka emibili. Ngase ngike ngaya kudokotela futhi ezinyangeni ezinhlanu ezedlule bengisesibhedlela. Ngathola isiqiniseko sokuthi ngase ngiphilisiwe ngokushesha nje uMfowethu Branham engithintile futhi wangibusisa egameni leNkosi yethu uJesu Kristu. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi nganginezilonda nomoya omubi owawuvamise ukungihlupha ebusuku. Wangitshela ukuba ngiye ekhaya futhi ngidle noma yini engangiyifisa. Ukuphiliswa kwaba ngokuphazima.

Kwakungesikhathi esithize esedlule ngenkathi masinya ngithola ukuthi ngangingakwazi kudla lutho nhlobo, futhi uma ngizama ukuziphoqa ukuba ngidle, ngangiba nesibhobo esifubeni futhi ngaqala ukuhlanza. Ngehla ngesisindo esingamaphawondi angamashumi amabili-nanhlanu phakathi kwamaviki amabili okuqala namanye amaphawondi angamashumi amabili-nantathu. Ngangingakwazi ukuzimelela ngezinyawo zami futhi uma ngiphuze ubisi, ngangivamise ukuhlanza.

Bonke abangane bami nabazali bathi iNkosi uJesu Kristu ngempela iyiphendulile imikhuleko yami futhi yangiphulukisa futhi yangipha impilo entsha ngenxa yokukholwa kwami kuYo. Babengasangibhekile ukuthi ngizophila ngenkathi bebona ukuthi ngangigula kabi kanjani esibhedlela. Ngaphiliswa eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu futhi akukho-lutho olungalungile kimi. Ubuhlungu bami nokuhlanza konke akusekho. Ukubona izinto ezixakile ebusuku njengezinto ezimbi konke sekushabalele. Ngibonga iNkosi uJesu Kristu ngokungiphilisa nokungipha impilo entsha.

B. R.

*   *   *

**Manje Useyakwazi ukuFunda**

NgoLwesine olwedlule ebusuku ngafika emhlangaweni owawubanjelwe eNkundleni yoMjaho eThekwini. Ngangidinga ukuphiliswa kwamehlo ami. Emva komhlangano omangalisayo ngenkathi uMfowethu Branham esikhulekela sonke, angizange ngizwe nokuncane ukuphulukiswa, kodwa ngeneliseka ukuthi ngifanele ngiphumele ekukholweni futhi ngethembe iNkosi ukuba ingiphilise.

NgoLwesihlanu ebusuku ngaya emhlanganweni waseHholo leDolobha kodwa ngafika ekhaya ngizizwa ngiphansi kabi. NgeSonto ngathenga isithombe sesikhumbuziso sikaMfowethu Branham futhi ngisalinde umhlangano ukuba uqale, ngaphenduka ukuba ngibuke okubhalwe ngaphakathi ephepheni. Ngangisalokhu ngingakazifaki izibuko. Ngisamangele futhi nokujabula okukhulu, ngathola ukuthi sengiyakwazi ukufunda okubhaliwe kahle. Ngafunda ngaqhubeka ngaqhubeka, futhi kwathi sengifika ekhophini impela yencwadi ebhaliwe ifakazela ubufakazi beqiniso benegetivu, ngazithola sengikwazi ngisho ukufunda lowombhalo omncane impela. Ngenxa yenjabulo uqobo lwayo angifunanga ukuyeka ukufunda.

J. M.

*   *   *

**Isisu esixhuxhumayo imiNyaka engamaShumi amabili-nanye**

Kade ngigula iminyaka engamashumi amabili-nanye futhi kamuva imizwa yami yayeka. Isisu sami saba buthakathaka kakhulu futhi saba sibi ngangokuthi ngangingasakwazi ukudla. NgoNovemba zingama 24, eHholo leDolobha laseThekwini uMfowethu Branham wangikhulekela futhi masinya ngaqala ukuba-ngcono. Ngaya ekhaya futhi ngathola ukuthi ngase ngikwazi ukudla noma yini ngaphandle kokuthi ikhuphuke kimi. Manje sengiphile ngokupheleleyo.

S. R.

*   *   *

**Inhliziyo Ebuthakathaka imiNyaka engama 27**

Ngathola ukuphiliswa kwami eThekwini, zingama 23 kuNov., 1951. Iminyaka engamashumi amabili-nesikhombisa nganginenhliziyo ebuthakathaka kabi. Yayiya ngokuba yimbi ngaso sonke isikhathi futhi ekugcineni udokotela wami wathi akusekho okunye angangenzela khona. Ngangingakwazi

ukugoba. Ngangigula kakhulu ngangokuthi kwathi lapho ngisahlezi futhi ngilalele inkonzo kaWilliam Branham ngangifuna ukufa.

UMfowethu Branham wacaphuna abanye ezihlalweni zabo futhi waxoxa nabo. Ekugcineni waphendukela kimi, inenekazi eligqoke ingubo enokumnyama nokumhlophe, futhi wathi ingelosi yayiphezu kwami. "Ugulisiwe yinxa yenhliziyo kodwa manje usuphilisiwe," kwasho uMfowethu Branham. Ngaluzwa ushintsho lufika phezu kwami. Ngasukuma ngama ngezinyawo zami futhi ngayidumisa iNkosi. Ngiyabonga ngokuphiliswa iNkosi engiphe khona.

H. B.

* * *

**Umuthi wesifo sikaShukela AwusaDingeki**

Ngifisa ukudumisa iNkosi ngokuthi ngathola ukuphiliswa kwami ngesikhathi somhlangano owawubanjelwe eThekwini. Iminyaka emithathu edlule bengiphethwe yisifo sikashukela futhi bengiphuza umuthi ongamathonsi angamashumi amane-nanhlanu ngelanga. Ngakwemukela ukuphiliswa kwami ngokukholwa, ngenkathi uMfowethu Branham engikhomba futhi wathi, "Dadewethu, uyakholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Hamba uye ekhaya futhi uphiliswe." Kusukela ngalesosikhathi angikaze ngikudinge ukuphuza umuthi wesifo sikashukela futhi ngibonane nodokotela wami futhi yena, naye, akatholanga-phawu lukashukela. Ngibonga uNkulunkulu ngalokho Angenzele khona.

L. L.

* * *

**UDokotela Ubika Inhliziyo esisebenza Ngokwejwayelekile**

Nginentokozo yokukwazisa ukuthi sengisinde ngokugcwele ekuhlushweni yinhliziyo okunzima ebenginakho. Inyanga emva kokuba ungikhulekele ngaya kudokotela wami. Wamangala ekutheni ngingabikhona isikhathi eside ekwelashweni ngemithi. Ekumphenduleni ngamtshela ukuthi ngomusa kaNkulunkulu usomandla ngizizwa sengingcono kakhulu.

Emva kokungihlola, udokotela washo kimi ukuthi ngangingengcono kuphela, kodwa ngase ngiphile ngokuphelele. Haleluya!

R. S.

* * *

## Indlebe Engezwa Isiyezwa

Ngifuna ukufakaza ukuthi indlebe yami yangakwesokunxele ibingezwa iminyaka eyisithupha ngaze ngaphiliswa ePitoli. Ngenkathi uMfowethu Bosworth ethi abantu abanendlebe engezwa nhlobo nezwa kahle abeze ngaphambili, ngaba ngumuntu wesithathu ukusukuma. Emva kokuba uMfowethu Bosworth esekhulumele endlebeni yami yangakwesokunxele futhi wabala esuka kokukodwa waya eshumini. Wangibuza ukuthi ngiyezwa yini noma qha. Ngathi, "Yebo." Wase-ke ebala waze wafika kokuhlanu wayese-ke engicela ukuba ngiziphinde izinombolo. Lokhu ngakwenza. Ngaso sonke isikhathi ngangifanele ngivale indlebe ezwa kahle ngamandla ami onke. Ngajabula kakhulu. Sengifika ekhaya ngaya ocingweni ngashayela ucingo usibali wami nodadewethu ukubatshela ukuthi manje sengiyezwa. Ngalalela ngendlebe ebingezwa.

M. J. S. de B.

* * *

## Izinhlungu Ohlangothini lwangakwesoKudla

Kwakuyisibusiso emphefumulweni wami ukuba ngikwazi ukwethamela umkhankaso wokuphiliswa ePitoli eLady Selbourne ziyi 2 kuDis., 1951.

Bengigululiswa ubuhlungu busohlangothini lwangakwesokudla sami kusukela ngoDisemba, 1947. Ngiyile kodokotela, kodwa ngathola ukusizakala okufishane. Ngonyaka odlule ngoMeyi ngathathwa isithombe se X-reyi esibonisa ingaphakathi, kodwa kwakungekho-kuxilongwa okwenelisayo.

Ziyi 2 kuDisemba, 1951, ntambama ngenkathi ukhulekela abagulayo, ngezwa ubuhlungu obunzima kabi ohlangothini lwami. Ngabeka isandla sami ebuhlungwini ngenkathi ukhuleka. Ngiyambonga uNkulunkulu kusukela lapho angikaze ngibuzwe lobo buhlungu futhi ohlangothini lwami. Akadunyiswe uNkulunkulu. Kade sengikwazi ukwenza imisebenzi yami yansuku zonke kalula. Impela, uJesu nguyena izolo, namuhla naphakade. Haleluya.

Ngathatha indodakazi yami, eneminyaka eyi 12 ubudala, kanye nami. Yayigululiswa ukudlukuzeka emva kokuzivivinya okukhandlanayo, kodwa akabongwe uNkulunkulu, selokhu sabuya iyazivivinya kalula futhi ilala ithule. Sifisa kabi ukuba uphinde ubuye masinya.

W. G.

* * *

**Ukuvuza kweNhliziyo, Ikhala liYopha, nobuHlungu eQolo**

Ngangigguliswa yinhliziyo evuzayo, ikhala elophayo njalo okwakunzima kakhulu ukukunqamula nobuhlungu obubi eqolo lami. Ngikholwa ukuthi ngaphiliswa ngenkathi uMfowethu Branham ekhulekela bonke abantu ekuvalweni kwenkonzo ngoMgqibelo kusihlwa. NgeSonto kusihlwa uMfowethu Branham wakhuluma nami futhi wangitshela ukuthi nganginokuvuza kwenhliziyo futhi ngiguliswa ukopha okubi kwekhala. Wangitshela ukuthi ngangiyilunga lebandla lePresbyterian. Konke lokho angitshela khona kwakuyiqiniso. Kusukela emihlanganweni angikaze ngibe nokopha kwekhala noma yibuphi ubuhlungu eqolo lami. Akadunyiswe uNkulunkulu. Kube nomphumela omkhulu nakumama futhi.



M. C.

* * *

**Amehlo Angaboni kahle Aseyaphila**

Ngaphezu kweminyaka emithathu eyedlule indodakazi yami eyodwa yafa ngosuku lwayo lomshado. Akabongwe uNkulunkulu, yayisindisiwe. Ukwethuka kwawathikameza kakhulu amehlo ami ngangokuthi ngangingasakwazi ukufunda nelilodwa vo igama, hhayi ngisho nasekukhanyeni kwelanga, ngingakwazi ngisho ukubhala incwadi.

LeloSonto elingasoze lakhohlwakala kusihlwa eGoli ngenkathi ngibona abagulayo bephiliswa besezihlalweni zabo, nganquma ukuthi leli kwakuyithuba lami. Ngathi, “Nkosi, manje sekuyisikhathi. Ngiyakuthatha ukuphiliswa ngeZwi laKho.” Ngahamba ngayolala ngalobo busuku ngikholwa ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka.

Ngenkathi ngisalele ngezwa into engathi ugesi ihamba emehlweni ami omabili futhi ngavuka ngimemeza ngokudumisa nokunqoba. Ngakusasa ngase ngikwazi ukufunda ngingafake-zibuko. Angikaze ngiphinde ngizifake futhi ngifunda konke, ngiyabhala futhi ngiyathunga namehlo ami ayaqhubeka ayaqina. Nginika uNkulunkulu yonke inkazimulo.

J. H. G.

* * *

**Akukho Okwehlula uNkulunkulu**

Sekungamaviki amabili nje edlule iqembu likaBranham lihambe ezweni lakithi kodwa izibusiso eziwumphumela wemihlangano ziphuphuma nsuku zonke, futhi ngeke sakwazi ukuyibonga ngokwenele iNkosi yethu uJesu ngokuthumela iqembu likaBranham eNingizimu Afrika. Manje sibheke ukuvakasha kwesibili kweqembu. Ayikaze ngaphambili iNyunyana yaseNingizimu Afrika izanyazanyiswe yinkolo ngaloluhlobo. Kukhona ukuphaphama okusha ebuqinisweni benkolo kaNkulunkulu.

Emndenini wakithi sisalokhu simbonga nsuku-zonke uNkulunkulu ngokuthi Wathumela uMfowethu Branham eN. A. ngoba ukuba Wayengamthumelanga, ngineqiniso ubaba wami ngabe akaphili namhlanje. Zingama 24 kuAgasti, 1951, ubaba wami wangenwa ukugula okuzumayo kabi futhi wabuyela ekulahlekelweni ngumqondo kwaze kwaba yiSonto. Ngalezizinsuku ezintathu odokotela ababili bendawo behluleka ukuxilonga bakubone ukugula kukababa wami okwakuzuma. Udokotela oyisipesheli wabizwa futhi wathi amapayipi enyongo ayeqhumile nokuhlinzwa okuphuthumayo kwakudingekile ngabo lobo busuku. Impilo yakhe yayisengcupheni ezinsukwini ezine ezilandelayo njengoba umzimba wakhe wawubuthakathaka kakhulu.



Isimo esibucayi ekugcineni sedlula futhi evikini lesibili likaSeptemba ubaba wami wavunyelwa ukuza ekhaya. Kwaba yiviki eqhubeka kahle. Sajabula kakhulu, sasesisuka-ke isidumo. Ngokukhulu ukuzuma wabuye wangenwa ukugula futhi. Waphuthunyiswa esibhedlela futhi ngenxa yesimo esibi ayekuso odokotela banquma ukungamhlinzi kuze kube oLwesibili.

Yaphinda impilo yakhe yaba sengozini. Phakathi neviki wayesehlinzwe kabili nodokotela batshela umama wami ukuthi wayezophila izinsuku ezimbalwa nje kuphela. Nokho asizange sililahle ithemba. Sasilokhu sikhuleka. Amafu ayemnyama futhi kwabonakala kungekho-themba. Sakhuleka ngokuqinisela kuNkulunkulu ukuba Anike uMfundisi Branham umbono ukuze akhulekele ubaba wami futhi aphiliswe.

NgoMsombuluko kusihlwa, ziyi 8 kuOktoba, udokotela wathi ukuphela kwase kufikile. Nokho samthatha samyisa eMaranatha Park. Ngokuhlwa okulandelayo samthatha futhi. Ngenkathi amadoda e-ambulense emthwele emngenisa eTabernakele wayephethwe yisifo sokushisa komhlwehlwe okubulalayo. Wangena ethwele eyindoda efayo.

Kuwo wonke umhlangano abantwana bakaNkulunkulu babemkhulekela, ngoba wayengumfundisi odumile. Sezwa ukuthi uzokuthola ukuphiliswa kwakhe ngalobo busuku. "Kholwa kuphela, konke kungenzeka, kholwa kuphela."

Ngesikhathi senkonzo uMfowethu Branham waphendukela ezethamelini, amehlo akhe ewela kubaba wami. Wathi, "Uhlinzwe kanye, uhlinzwe kabili, cha, uhlinzwe kathathu." Haleluya. Sasikhulekele ukuba uMfowethu Branham akhulume nobaba wami futhi uNkulunkulu wayewuphendulile umkhuleko wethu. UMfowethu Branham wakhulekela ubaba wami futhi wamtshela ukuba asukume. Wakwenza, okokuqala emavikini amahlanu. Nezinyembezi zigobhoza zehla ebusweni bakhe wayedumisa uNkulunkulu. Ngalobo busuku uNkulunkulu wabonakalisa amandla aKhe ngezibonakaliso eziyizimangaliso futhi abaningi bathola ukuphiliswa kwabo.

Emva kwenkonzo ubaba wami wahamba wabuyela e-ambulenseni engalekelelwa-muntu. Akadunyiswe uNkulunkulu. Ngosuku olulandelayo wazizwa esengcono kakhulu futhi akazange abe-namjovo wobuhlungu. Ngakuthangi wayebe-nemijovo engamashumi amabili ukubulala ubuhlungu. NgoMgqibelo olandelayo wafika ekhaya evela esibhedlela futhi ubelokhu elulama nsuku zonke.

V. R.

* * *

*"Kuhle ukumbonga oyiNkosi . . ."*

IHubo 92:1

Yebo, mfundi othandekayo, kuhle ukumbonga oyiNkosi. INkosi iyakuthanda ukudunyiswa. Lezizimfakazo osuzizwile, zimele kuphela ingcosana encane yezinkulungwane ezaphiliswa ngenkathi yomkhankaso waseNingizimu Afrika. Njengoba ufundile ngalokho uKristu akwenzele abanye, sengathi nawe futhi, ungakholwa wuNkulunkulu esidingweni sakho esithize. Futhi khumbula, unelungelo njengomntwana kaNkulunkulu, ukuba ubize ukuphiliswa okungokwakho ngamandla obuhle bokuBuyisana. Sijabula njalo ukwemukela izimfakazo zenu futhi mhlawumbe kuzofaka ugqozi kwabanye ukuba bakholwe uNkulunkulu futhi.

EZenzweni 19:11–12 siyafunda: "UNkulunkulu wenza imisebenzi yamandla engavamile ngezandla zikaPawulu: Baze bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe, bazibeka phezu kwabagulayo zase zisuka kubo izifo, nomoya ababi baphuma."

